

DR. THOMAS WADE AKINS

UKUVANGELA

OKUCABINDLELA

**UKUVANGELA
OKUCABINDLELA**

**Ukukhulisa amabandla nokuqalisa amasha
azimele ngezindlela ze Testamente elisha**

Thomas Wade Akins

© Abanelungelo ngakho konke okulotshwe kulencwadi

Junta de Missoes Nacionais

Covencao Batista Brasileira

Rua Gonzaga Gastos, 300

Rio de Janerio, R.J. 20-542-000. Brazil

Amalunglo onke agcinekile.

Ku vunyiwe ukuba inxenywe noma yonke lencwadi icindezelwe

kodwa kungaguqulwa indikimba.

Ezicindezelwe ngaphambili ngeSiPotugesi:

1991 1.200 izinwadi

1992 2.800 izinwadi

1993 2.000 izinwadi

1994 10.000 izinwadi

1995 10.000 izinwadi

1997 10.000 izinwadi

1999 10.000 izinwadi

Ezicindezelwe ngaphambili ngeSingisi

1995 1,000 izinwadi

1999 5,000 izinwadi

Ezicindezelwe ngaphambili ngeSpanish:

1999 3,000 izinwadi

1999 10,000 izinwadi

EzicindezelwengesiZulu

2001 1,000 izinwadi

Ezicindezelwe ngeSiPotugezi pansi kwegama

Evangelismo Pionerio

Abahumushi: Mrs. M. Nomandla no Mrs. G. Mathambo

Zicindezelwe eZimbabwe

UKWETHULWA

"Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isifundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela abafundisi njengokubathshwa kwezindlebe zabo, bafulathelise izindlebe zabo eqinisweni, baphambukele ezinganekwaneni. Kepha wena, qonda ezintweni zonke, ubekezele ekuhluphekeni, wenze umsebenzi womvangeli, ufeze ukukhonza kwakho." 2 kuThimothewu 4:3-5

Namhlanje izwe lixakekile ngezincwadi eziningi ezintsha ngaphezu kwebelixakeke ngakho ezinkulungwaneni ezimbili ezedlule. Ukuloba incwadi ngokuvangela – neqiniso lokuzi phendulela komuntu ngamunye phambi kukaJesu Krestu kungumsebenzi omkhulu nalowo.

Lomsebenzi uya ubanzima kakhulu uma isifundo kungukuqalisa amabandla amasha ngokuvangela. Akukho - masu amangalisayo. Kungekho - namicabango emangalisayo noma-ke umqondo ongakaze uzwakale. Kepha injongo yaloluhlobo lokuvangela ukuba kulethwe wonke umuntu ekumazini uJesu Kristu amenze abe ngowokuqala empilweni yakhe.

Udokotela u Akins uzuze imiphumela emihle kakhulu ekuqhubeni lomsebenzi. Ukwenzile lokhu ngenxa yobuhlakani obuthile anabo nangenxa yegunya lokwazi analo.

Umyalo weBhayibheli uza kithi ngesisindo esifanayo nesezwiwa nguThimothewu uthi: "wenze umsebenzi womvangeli."

Ulula futhi uqondile. Linjalo ivangeli.

Pr. Ivo Augusto Seitz, General Secretary:
Brazilian Baptist National Mission Board

OKUPHAKATHI

UKWETHULWA	3
IZINCOMO EZIKHETHEKILE.....	9
INCAZO	12
AMAQINISO ASEMQOKA	13
IZINTO ZOKWENZIWA OBALA	51
UHLELO	146
IZITHASISELO	159
UMVANGELI OCABINDLELA NOKUSETSHENZISWA KOKUHLOLA INDAWO	160
AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU OSANDAKUKHOLWA	165
IMPILO ENTSHA	172
UQEQESHO LOKWENZA ABAFUNDI LWABAHOLI BENDAWO	195
IVANGELI NGOKUKAJOHANE IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI	217
IZINDABA EZINHLE NGOJESU	254
UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU	293
UHLELO LWEZINCWADI EZIPATHELENE NEZIFUNDO EZITHILE	

UKWETHULWA

Ngethula lencwadi kunkosikazi wami engimthanda kakhulu **uBarbara Ann Hawthorne**, oyisipho somusa kimi esivela kuNkulunkulu. Lencwadi kuBarbara ayisiyo into eshiwoyo nje ngoba kade esetshenziswa usasetshenziswa nguNkulunkulu namanje ekuzuzeni imiphefumulo nasekuqaliseni amabandla. UNkulunkulu usibusisile ngokusivumela ukusebenza kanye kanye ukuqeqesha abanye emhlanganweni waloluhlobo lokuvangela ezweni lonke laseBrazil nasezizweni ezinye ezisemhlabeni.

Thomas Wade Akins

IZINCOMO EZIKHETHEKILE

Sincoma uCurtis Sergeant ngokukhethekile, oyisithunywa e Singapore, e Asia osisizile ngamasu amaningi nangokuyihlela lencwadi Ukuvangela Okucabindlela.

Ukubonga

Lencwadi yokuqeqesha yayingenakuchuma kanje ngaphandle kwempilo nesibonelo sothisha wami u **Dr. Cal Guy**. Izifundo zika Dr. Guy zayivukuza impilo yami zanginikeza olukhulu ugqozi emuva kokuhlala ezinyaweni zakhe iminyaka emithathu ngifunda eSouthwestern Seminary, ngashiya inkonzo eyabe inempumelelo ephakeme emzimkulu ngaya ensimini eBrazil. Izincwadi ayengibhalela zona nemikhuleko okunganqamukiyo kwakuyisibusiso esimangalisayo kimi. UNkulunkulu wayekusebenzisa ukubhala nokukhuleka kwakhe ukungikhuthaza ngezikhathi ezilukhuni. Umqondo nemicabango yakhe iyavela futhi lapha encwadini. Ngibonga futhi kakhulu kothisha bami ababengifundisa ekolishi eLouisiana, eNew Orleans Seminary, naseSouthwestern Seminary. Ngoqeqesho engaluthola kulezizikole zemfundo ephakeme ngakwazi ukwenza ucwaningo nokubhala imisebenzi ephathekayo.

Ngibonga kakhulu ku **Dr. Dennis Blackmon** ngokungisiza ukuba ngandise imiqondo etholakala encwadini yakhe nomnikelo wamanothi okuqalisa ibandla. Ngu Dennis owangibiza kaningi engikhuthaza ekubhaleni nasekuwenzeni lomsebenzi ekuqaleni kwami ukuwenza. Izeluleko zakhe nemibono yakhe kwaba usizo olukhulu. Ngaphezu kwamanothi ka Dr. Blackmon ngabuye ngasebenzisa engakuthola kulezizincwadi ezilandelayo, The Indigenous Church ngu Melvin Hodges, Indigenous Church Planting ngu Charles Brock, nabanye.

Dr. Charles Brock uyisithunywa senkolo ePhilippine. Incwadi yakhe ethiwa yi-Indigenous Church Planting, eyacindezelwa yiBroadman Press yangikhuthaza yanginka nesisekelo salokho engikwenzile. U Dr. Waylon Moore ubhale izifundo zevangeli ngokukaJohane kulencwadi. U Dr. Moore wasetshenziswa

nguNkulunkulu ukungenza umfundi, futhi uyisibonelo kubo bonke abamaziyo sempilo nokusebenza kukaJesu.

Ngifuna ukuveza umfowethu eNkosini **uMario Ikeda**, umphathi womnyango wokuvangela emhlanganweni wesizwe saseBrazil, ow angisiza kakhulu ekubhaleni lencwadi. Ngenkathi mina ngiluhuba eState of Minas Gerais, uMario yena wayeluhuba elusa ePara. Ngaphandle kukaMario ngabe loluhlobo lokuvangela alufikanga eqophelweni lesizwe samaBrazil.

Ngifuna futhi ukubonga umfundisi **Aloizio Perido Bertho**, unobhala wesigungu iMinas Gerais okugumhlango wombuso. UPastor Aliozio wafundisa kanye nami emhlanganweni wokufundisa kuso sonke isizwe samaBrazil, wangisekela kakhulu ekuthuthukiseni umsebenzi wokuvangela kokuqalisa imisebenzi emisha embusweni waseMinas Gerais, ikakhulukazi ezikhathini zokuqala lapho eminye imiqondo yayingajwayeleki kwabanye abaholi nabafundisi ngenxa yokuphambana namasiko ayengahambisani neBhayibheli. Njengokuthi lisho kuphi iBhayibheli ukuthi ungeke ulimise ibandla ngaphandle kokuba libe nomfundisi ogcotshiwe, isiza kanye nendlu eyahlukaniselwe lokho?

Izwi lokuncoma kufanele ledluliselwe **kubavangeli abangamashumi amane** bokuqala abasebenza nami embusweni waseMinas Gerais ngesikhathi usahlolwa lomsebenzi. Kwakuyim inyaka enzima emibili kusetshenzwa kanzima wonke umuntu, kodwa kwaqaleka imisebenzi emisha engamashumi ayisithupha nantathu. Babhala phansi kahle konke, leso-nalesosigaba somsebenzi sahlolwa ukuze loluhlelo lokuvangela luhlelwe kahle, luguqulwe lapho ludingeka khona ukuba lwenziwe ngcono. Ngenxa yokusebenza kwabo kwenza izinguquko eziningi ohlelweni olwa lumisiwe ekuqaleni.

Omunye engifisa ukumbala **u Dr. Bill Richardson** owabe engumphathi wendawo yaseBrazil ngenkathi lomsebenzi uqala ukungeniswa eBrazil. Wawugunyaza lomsebenzi wangivumela ukuba ngingenise iqembu lokuqala ngibahole eminyakeni emibili.

Amazwi angekuphimisele ukubonga kwami ku **Curtis Sergeant** isithunywa sase Singapore. UCurtis kanye nami saphenduka saba abangani emhlanganweni owawubizwa ngokuthi iStrategy Coordinators Training Conference owawuse-Sao Paulo

eBrazil. UCurtis usebenzela iNkosi eAsia. Imiqondo yakhe nemibono ingisize kakhulu. Ngifuna futhi ukubonga u J.O. Terry noJackson Day abanikele ngegalelo elikhulu enxenyeni ebizwa ngokuthi ukuxoxa indaba.

Ekugcineni ngifuna ukubonga abanye abangani bami abathandekayo abangisizile ngezindlela eziningi enkonzweni yami bema nami futhi ezikhathini ezinzima ebengihlangabezana nazo empilweni yami. Umvangeli **Sammy Tippit** ovela eSan Antonio, Texas, u **Dr. Phil Jett** umphathi webandla elikhulu iEnglewood Baptist Church eliseJackson eTennessee, **uMnu. noNkosikazi Gary A. Taylor** umthuthukisi ovela eJackson, Tennessee, **uMnu. noNkz. Ronnie Mackey** umakhi waseHeath Springs, eSouth Carolina; **uMnu. Guy Wolcott** usomabhizinisi wasePortland, eOregon no**David Wilson** umongameli nomphathi wabahamba ngamathende Open Air Campaigners International. Yilowo nalowo wasetshenziswa nguNkulunkulu ngokumangalisayo ngezindlela eziningi. Bangisiza empilweni yami nasenkonzweni engiyenzayo. Okokugcina, ngifuna ukubonga indodakazi yami **uChristy** owangihumushela lencwadi eyisusa esi Putukezini wayisa esiNgisini. Ngiyakuthanda Christy.

uThomas Wade Akins

INCAZO

UMVANGELI OCABINDLELA - Yigama leli elisho umuntu noma abantu abaqala imisebenzi emisha noma abaqalisa amabandla amasha.

UKUVANGELA - Leligama lisho "ukumemezela izindaba ezinhle zikaJesu Kristu." Ivangeli lichaziwe encwadini 1 Korinte 15:3-4 ukuthi, "ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo, nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafuleyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo..." Yizona lezo-ke izindaba ezinhle zevangeli. Ukuzimemezela lezizindaba ezinhle kubantu abalahlekile emhlabeni, ukuvangela-ke lokho.

AMAQINISO ASEMQOKA

Lengxenywe yencwadi ichaza ukuthi yini efanele ukwenziwa umvangeli ocabindlela nokuthi kungani efanele akwenze.

- I. Yini umvangeli ocabindlela?**
- II. IBhayibheli namasiko.**
- III. IBhayibheli namandla alo.**
- IV. Ngubani ongaba umvangeli ocabindlela?**
- V. Umsebenzi womvangeli ocabindlela.**
- VI. Imigomo yomvangeli ocabindlela.**
- VII. Izinto eziyisishiyagalolunye zokuqala ezingenza amabandla aqalwayo abenempumelelo.**
- VIII. Okhiye abayisithupha emabandleni akhulayo emva kokuqala kwawo.**
- IX. Izinhlobo ezintathu zebandla leTestamente elisha.**
- X. Isiphetho**

I. Yini Ukuvangela Okucabindlela?

Loluhlelo lokukhonza lwaqala esizweni saseBrazil ngo 1989 ngemuva kokufunda ngendlela yokutshala amabandla.

Kwakusengxenyeni yokuqala yonyaka wami yokusebenza kwami njengesithunywa senkolo, ngisebenza neInternational Mission Board yase Southern Baptist Convention, lapho ngaya ukuyofunda ulimi unyaka owodwa. Ekubuyeni kwami ngingena ensimini ngathuthukisa uhlelo lokuqalisa amabandla, ngaqala amabandla ayishumi nambili amasha embusweni waseMinas eGerais eBrazil.

Emva kokubuya kwami phesheya, ngabona ukuthi umsebenzi uhamba kancane kakhulu. Ngase ngiqala ukufunda nokuhlolisisa ezinye izindlela zokuvangela. Incwadi kaCharles Brock ebizwa ngokuthi yi-Indigenous Church Planting yangihola kakhulu kuloluphenyo. Kulokho-ke ngabe sengithuthukisa inkonzo yami yokuqeqesha eyabe isekelwe yiBhayibheli, nencwadi ka Dr. Brock, neminye imithombo embalwa ephawuliwe kulencwadi, naleyandlela yokuqalisa ibandla engayisebenzisa engxenyeni yokuqala engayisebenzisa ngenkathi yokuqala kwami ukuba yisithunywa eBrazil.

Ngenkathi loluhlelo seluhloliwe okokuqala kwabe sekuqeqeshwa amadoda namakhosikazi angamashumi amane ukuba aqhube. Bangena amadolobha ahlukeneyo angamashumi ayisithupha nantathu embusweni waseMinas Gerais. Baqala amabandla amasha kuwona wonke lamadolobha esikhathini esingaphezulu kweminyaka emibili. Abavangeli bokuqalisa imisebenzi emisha babethumela imibiko ngokuqhubeka komsebenzi inyanga nenyanga. Babeyithumela emihlanganweni yokuvangela yaseMinas Gerais ebizwa ngokuthi yiBaptist Convention. Ekupheleni kweminyaka emibili kwabe sekusunguleka iqembu elisebenza ndawonye ukuyicwaninga nokuyihlela kabusha lenkonzo. Ngaphezu kweminyaka emithathu elandelayo kwadaleka amanye amaqembu amaningi kwezinye izindawo eBrazil. Abelusi bamabandla babeneso kuzozonke izinhlangothi zalenkonzo, kubavangeli, kubaholi benhlangano nakulabo abasebenzela iNkosi noma bengesibo abafundisi. **Eminyakeni eyisishiyagalolunye kwamiswa amabandla angamashumi ayisishiyagalolunye**

nane(94) namagatsha ayikhulu namashumi ayisikhombisa nesishiyagalolunye aqaleka nezindawo ezingamakhulu amathathu namashumi ayisishiyagalombili nantathu zokushumayela zaqaleka eMinas Gerais, eBrazil. Yonke lemisebenzi yafakwa phansi kohlelo lokuvangela kokuqalisa imisebenzi emisha nezibalo zawo lomsebenzi zihlelwe zahleliwa. Ngo 1999 abantu abangaphezu kuka 15,000 baseBrazil base beqeqeshiwe kuyo yonke indawo. Imisebenzi emisha elinganiselwa kwe 1,000 ibisiqalekile kusosonke isizwe. Namhlanje kunamakhulu amaningi emhlabeni amaqembu okuvangela kokuqalisa imisebenzi emisha adalekayo unyaka ngonyaka enza imisebenzi emisha.

Lencwadi yokufundisa ingumphumela womsebenzi owenziwe ngamakhulu abesilisa nabesifazane abakade besebenzisa loluhlelo. Kade besetshenziswa nguNkulunkulu ukuzuza izinkulungwane zemiphefumulo elahlekileyo nokuqeqesha izinkulungwane zabelusi, nezithunywa zenkolo, nabantu-nje abangebona abafundisi ukuba baqale amabandla amasha. EBrazil umgomo kwabe kungukuqeqesha izinkulungwane zabelusi nabaholi ukuba baqale amabandla amasha. Bonke bafunda amaqiniso asemqoka ayizisekelo avezwa yilencwadi angasetshenziswa emhlabeni wonke alungele noma yisiphi isizwe noma sinamaphi amasiko. Ukukubeka ngamazwi alula singathi, **indlela Yokuvangela Okucabindlela kuphetha ukuqeqesha abavangeli abangayanga ezikoleni zeBhayibheli ukuba baye ezindaweni lapho kungekho mabandla khona bayozuzela uKristu imiphefumulo baqale imisebenzi emisha.**

Umbuzo omkhulu namhlanje uthi “ivangeli singalihambisa kanjani ngokushesha siqale amabandla amasha na?” Ngokubona kwami impendulo ingukuqeqesha abavangeli abangabantu nje emhlabeni wonke ukuba bakwazi ukuthi iqalwa kanjani nokuthi ikhuliswa kanjani imisebenzi emisha.

Ake sibuke iningi lezinkinga abaholi abayizithunywa abahlangabezana nazo kulomphakathi wamanje:

1. Ukusweleka kombono
2. Abantu abangaqeqeshiwe.
3. Ukusweleka komdlandla

4. Ukulahleka kwamalungu ebandla
5. Ukusweleka kokusebenzisana phakathi kwamabandla
6. Ubunzima bokungena izindlu emadolobheni amakhulu
7. Amanani aphezulu okuthenga indawo nawokwakha.

Singazinqoba lezizinkinga na? Impela! Eqinisweni u Kristu sewasinqobela zona. Nakuba kunjalo, kumelwe siphinde sizifunde izindlela ezishiwo yiBhayibheli ikakhulukazi lezo ezasetshenziswa umphostoli uPawulu owayeisithunywa senkolo esiyisibonelo sethu.

U Dr. Dennis Blackmon isithunywa saseBrazil ukhombe izibonelo ezine zokuqalisa amabandla amasha.

1. Ibandla ngesimiso esidala “esinomkhandlu” wamakholwa.

Inhlangano yezithunywa noma ibandla liqoka indawo okumelwe isetshenzwe. Bese limema isisebenzi noma sizokwenza umsebenzi noma kungeyena umelusi. Isisebenzi sifuna indawo yeqembu elisha yokuhlangana, inhlangano yezithunywa noma ibandla lona lithola uxhaso lwabantu abahlanu kuya kwabayishumi nangaphezulu abahlala kuleyondawo. Isisebenzi namakholwa ambalwa bese beqala ibandla ngoxhaso lwezimali lwenhlangano noma lwebandla nangoxhaso lwezinhlangano ezithile zendawo noma zombuso kwesinye isikhathi. Inhlangano yezithunywa noma ibandla yilona elenza zonke izinqumo ezisemqoka uma kuhambe ngalendlela.

2. Isibonelo sebandla ngesimo esidala "Esingenawo" umkhandlu wamakholwa.

Inhlangano yezithunywa noma ibandla liphatha yonke into njengesibonelo sebandla elingaphambili. Umsebenzi omusha uze umiswe ngokusemthethweni ube yibandla elisha. Umehluko ukungabikho koxhaso oluvela emakholweni okuqala abekade eyingxenywe emsebenzini.

3. Isibonelo somsebenzi othile ohlongozwayo

Inhlangano yezithunywa noma ibandla liqoka indawo lizindle ngomsebenzi ongenziwa ongaba nesasasa. Eminye yemisebenzi yaloluhlobo kungaba ukufundwa kweBhayibheli nokushumayela emphakathini olahlekileyo. Lemisebenzi ikhethwa kanye nezimali zeqembu elithile elizoyixhasa noma-ke umnikelo oqoqwa umuntu othile. Njengokuthi-nje kwake kwabakhona izikhukhula ezinkulu embusweni wase-Minas Gerais eBrazil. Amakhulu abantu alahlekelwa imizi yabo. UBarbara Akins wathola imali enhlanganweni yakhe yezithunywa ukuze asize abantu bavuse imizi yabo. Umphathi wedolobha wanikela ngendawo, base beyaqala ukwakha idoloba labo abalibiza ngokuthi yi, **Betheli umuzi kaNkulunkulu**. Bakha imizi engu 70 ngonyaka, base benza izifundo zeBhayibheli emakhaya. Abantu basindiswa kwaqaleka ibandla. Lokhu kwa ku ngenxa yemisebenzi emibili ethile ukuhlanganisa umsebenzi othile nokuqhuba ukwaba iVangeli ngoba izifundo zeBhayibheli zazenelwa emizini yabantu abalahlekileyo. Imvamisa uma kusetshenziswa indlela yomsebenzi othile ohlongozwayo kuye kumenywe isisebenzi esizowuqhuba, inhlangano noma ibandla lona liveze ihholo lokuhlanganela libuye livule ngokusemthethweni umuzi wesithunywa. Inhlangano yezithunywa noma ibandla kungakhethwa ukuba izinqumo zonke zenziwe yikho.

4. Isibonelo somcabindlela wevangeli

Inhlangano yezithunywa noma ibandla bakhetha indawo okufanele isetshenzwe bakhethe “abantu abakhulile eNkosini” ukuba benze umsebenzi. Lababantu banikezwa uqeqesho olunzulu, izingcweti zezithunywa. Lencwadi-ke yenzelwe ukubaqeqesha. Okunye-ke lababantu baqala umsebenzi kungekho-qembu lamakholwa noma-ke ngamakholwa ayingcosana kakhulu axhasayo. Umgomo wabo ukuqala ibandla elizozimela, lizipathe ngokwezimali, lizandise ngokuhola kukaNkulunkulu. Umvangeli ocabindlela uye ahole leliqembu elisha ukuba lizithathele lona izinqumo esikhundleni

sokunqunyelwa yinhlangano yezithunywa noma yibandla. Lokhu kwenzeka-nje khona ekuqaleni.

II. IBhayibheli Namasiko

Ukwahlukanisa okushiwo yiBhayibheli nokuyisiko lesizwe kubaluleke kakhulu. Ngingaba ummelika, uNkulunkulu angibize ukuba ngiyoba yisithunywa eAsia (Vietnam), eUnited States (Washington DC), eAfrica (Zimbabwe) naseBrazil.

Emhlabeni wonke indawo nendawo inesiko layo elicacile. Siyaqonda ukuthi umsebenzi weNkosi ufanele wenziwe esisekelweni seBhayibheli nangokwesiko lalelo nalelo lizwe. Akufanele kulandelwe esisekelweni sesiko lezifiki. Njengokuthi-nje e United States iningi lamasonto khona angena ngo 11 am ngeSonto. Kusho ukuthi zonke izinkonzo emhlabeni kumelwe zingene ngo 11 ekuseni na? Qha! E United States amabandla amaningi asebenzisa umculo osezincwadini zamaculo. Ngabe kusho ukuthi onke amabandla emhlabeni kufanele acule ngamaculo na? Qha! Bangakwenza uma bezikhethele ukukwenza, kodwa banelungelo lokucula ngokwesiko labo basebenzise izinsimbi ezisetshenziswa endaweni. Ibandla lingasebenzisa izinto ezinjengalezi: iziginci zikagesi, amacilongo, izigubhu nezinye izinsimbi noma yiziphi.

ISEXWAYISO! Umculo awusikho ukudumisa. Uyinto esidumisa ngayo. Uyindlela yokuveza imizwa yethu ku Nkulunkulu. Ngenxa yalokhu-ke, kubalulekile ukuba umculo uveze isiko lalabobantu, kungaphoqi abantu bomdabu ukuba benze isiko lalowo owazoqala umsebenzi kuleyondawo. Akunakwenzeka ube umvangeli ocabindlela noma isithunywa esikhaliphile ungawaqondi amasiko alowomphakathi.

Kukhona amasiko amaningi nemikhutshana kuleso naleso sizwe. Kubalulekile ukuba umvangeli ocabindlela awazi futhi awaqonde amasiko abantu abasendaweni afuna ukuqala umsebenzi omusha kuyo. Kubalulekile futhi ukuthi angazami ukuguqula isiko kodwa ashumayele ukuze avumele uKristu

aguqule izinhliziyi zabantu. Izinto okufanele ziguquke esikweni yilezo eziphambanayo nemfundiso yeBhayibheli. Njengokuthi, kwezinye izindawo emazweni abantu benza imihlatshelelo ngezingane ezincane. Lomkhuba uyaphambana nokufundisa kweBhayibheli ngokusobala. Kulokhu-ke umvangeli ocabindlela kumelwe azame ukuguqula lelisiko ngokushumayela iqiniso levangeli.

Indaba enkulu ukuthi leso nalesosifunda sinamasiko aso, kubalulekile ukuba umvangeli ocabindlela abe nengqikithi yolwazi ngamasiko endawo, angangenwa amasiko esinye isifunda noma izwe. Umvangeli ocabindlela kumelwe ashumayele ivangeli kuphela, ngoba ivangeli lona ngokwalo liyoziguqula lezozinhlangothi zesiko ezingavumelani neBhayibheli.

III. IBhayibheli Namandla Alo

Emhlabeni yilowo nalowo muntu unomthombo wamandla akhe. UDr. Ralph Neighbor encwadini yakhe i “Survival Kit” (Broadman Press) uveza imithombo emine yokwahlukanisa okulungile nokungalungile.

1. **Ingqondo:** Lapho umuntu enamandla okuzitholela ngokwakhe okuyiqiniso, ahlukane phakathi kokulungile nokungalungile, okuhle noma okubi, okunokwenzeka nokungenakwenzeka, nokunye nokunye. Njengokuthi, umuntu aziphike izimangaliso ezabe zenziwa uJesu ngoba zingenzeki ngolwazi lwe “science.”

2. **Ubukadebona:** Lapho umuntu enquma ukuthi yikuphi okulungile noma okungalungile enquma ngemizwa yakhe, ngokuqonda kwakhe, njengokuthi ngelinye ilanga ngangihamba ngetekisi edolobheni eRio de Janeiro, eBrazil, ngase ngikhuluma nomshayeli ngevangelini. Wase engitshela ukuthi emhlanganweni wenkolo yakhe kwaphiliswa impumputhe yabuyela yabona. Kwathi uma ngimbuza ibandla lakhe wathi akasiye umKristu, nempela ibandla lakhe alisondelene nobuKristu.

USathane unawo amandla okwenza izimangaliso kodwa ngeke asindise-muntu noma abanikeze ukuthula kwangempela nokuthethelelwa okupheleleyo. Kwesinye isikhathi usebenzisa izimangaliso ukukhohlisa abantu. IBhayibheli lithi, 2 kwabaseThesalonika 2:9-12, "**Lowo okufika kwakhe kungokokusebenza kukaSathane ngawo onke amandla, nezibonakaliso nezimangaliso zamanga, nangayo yonke inkohliso yokungalungi kwababhuhayo, ngenxa yokuba bengavumanga ukuthanda iqiniso, ukuze basindiswe.**"

Abanye bathi: "Ngikholwa yizidakamizwa nophuzo oludakisayo ngoba ngizizwa ngikahle uma ngizisebenzisa." Umthombo wamandla alomuntu usemizweni yakhe. Yindlela eyingozi kabi lena yokumisa inkolo yakho. Isisebenzi sezimangaliso esishumayela ngisho ivangeli ukuze sithole imali eningi nodumo singabakhohlisa abanye.

Inkolo yethu asinakuyimisa ezimangalisweni, noma emizweni nakwesikade sasikubona, kodwa kumelwe siyimise ebuntwini bukaJesu Kristu, ukuthi ungubani nasezethembisweni eziseZwini likaNkulunkulu.

3. **Isiko:** Yinkinga enkulu lena uKristu anqwamana nayo. Walwa namasiko abaJuda ngoba babewabeka phambili ngaphezu kwezidingo zomuntu njalonje. NgokukaMarku 3:1-6, sifunda indaba kaJesu ephilisa umuntu onesandla esishwabeneyo ngeSabatha. Wephula elinye lamasiko abaJuda, kusukela kulokho-ke abaFarisi bakha icebo lokumbulala. Lapho sibeka isiko ngaphezu kwezwi likaNkulunkulu siyalilulaza Izwi lakhe. NgokukaMathewu 15:6-9, uJesu wathi, abantu abanjalo bangabazenzisi. "Kanjalo nilenze laba yize Izwi likaNkulunkulu ngenxa yesiko lenu. Bazenzisi, waprofetha kahle ngani u Isaya ethi, 'lesisizwe singidumisa ngezindebe zomlomo, kepha inhliziyi yaso ikude nami; kodwa bangikhonza ngeze befundisa izifundiso eziyimiyalo yabantu.'"

4. **Imibhalo:** Izwi likaNkulunkulu yiwona-mthombo wethu wamandla empela. Ezwini lakhe elilotshiweyo uNkulunkulu

wembula amaqiniso. Awanakuguqulwa futhi owulwazi olupheleleyo.

UJesu wathi ngokukaJohane 8:32: "Niyakulazi iqiniso, neqiniso liyakunikhulula."

UISaya 40:8 uthi: "Utshani buyabuna, imbali iyavuthuluka, kepha Izwi likaNkulunkulu wethu limi kuze kube phakade."

AmaHubo 119:105 athi: "Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami."

AmaHubo 119:140 athi: "Izwi lakho licwebile kakhulu, ngalokho inceku yakho iyalithanda."

AmaHubo 119:160 athi: "Amazwi akho onke ayiqiniso; zonke izahlulelo zakho ezilungileyo zimi kuze kube phakade."

Amanothi:

IV. Ngubani Ongaba Umvangeli Ocabindlela Na?

ETestamenteni elisha sibona imisebenzi enhlobonhlobo yobuholi. Isakhiwo sebandla lasekuqaleni sasingeyona indida, sasicace kunoma ubani. Lalinezikhundla ezintathu.

1. **Umbonisi:** 1 kuThimothewu 3 kuchazwa kahle ukuthi umuntu ongumbonisi ufanele abe ngumuntu onjani. Abaningi bacabanga ukuthi leligama lisho umalusi.
2. **Idikoni:** Leligama litholakala izikhathi eziyisithupha kuphela eTestamenteni elisha. Ezine zitholakala IkuThimothewu, elilodwa kwabaseFiliphi nelinye kwabaseRoma. (1 kuThimothewu 3:8, 10, 12, 13; kwabaseFiliphi 1:1; kwabaseRoma 1:1). Leligama lisho “isikhonzi.”
3. **Ilunga:** Izenzo 14:23 kuthiwa uPawulu wabakhethela amalunga kulo lonke lase Asiya. Igama elithi “ilunga” livela izikhathi ezingu-56 eTestamenteni elisha. Ezingamashumi amabili nesishiyagalombili zisho amalunga abaJuda ezingu- 28 zisho abaholi bamabandla eTestamenteni elisha. Izenzo 15:2, 4, 6, 22, 23, 16:4 no 21:8 kuthiwa ibandla laseJerusalema lalinamalunga. Kwakungobani lababantu? Kwakungabaholi bendawo ababephelele ukukhuliswa kwebandla lendawo.

Umphostoli uPawulu wasebenza ngalendlela:

- A. **Wangena emzini. (Izenzo 19:1)**
- B. **Wazuzela uKristu imiphefumulo elahlekileyo. (Izenzo 19:8, 10 no 20)**
- C. **Wafundisa abaphendukayo. (Izenzo 19:9, 10)**
- D. **Waqeqesha nokubahlomisa abaholi bendawo. (Izenzo 20:17-21).**
- E. **Wahlela amabandla wakhetha (abaholi bendawo) ukuba baphathe ukuhola ebandleni lendawo. (Izenzo 19:1-20,35)**
- F. **Washiya umuzi waqhubekela komunye. (Izenzo 20:36-38)**

Umvangeli ocabindlela ufanele aqhubekela ngalendlela. Umbuzo wethu omkhulu yilona “Ngubani ongaba umvangeli ocabindlela?” Ukuphendula lombuzo kumele sihlolwe kwabase-Efesu 4:11-12. Kulendima kunohla lwemisebenzi yebandla.

Okokuqala kuloluhla “**abaphostoli.**” Kunezinhlalo ezimbili zabaphostoli. Abafundi bokuqala bakaJesu babengabaPhostoli. UPawulu wayengumphostoli. Igama elithi "umphostoli" lisho "othile othunyiwe."

Iqembu lesibili “**abaprofethi.**” Abaprofethi kwakungabashumayeli. Igama elithi "umprofethi" livela izikhathi ezingu 242 eBhayibhelini. UDuteronomi 18:18 uyawuchaza umsebenzi wabo. “**Ngiyakubavusela umprofethi onjengawe phakathi kwabafowabo, ngibeke amazwi ami emlonyeni wakhe, akhulume kubo konke engimyala ngakho.**”

Abanye abaprofethi beTestamente elidala kwakungu Aroni (uEksodusi 7:1) uMose, uElisha, uIsaya, uJeremiya, uDanyeli nabanye abaningi. Nenkosikazi kalsaya kwakungumprofethikazi (uIsaya 8:3). Ezinye izibonelo zabaprofethi eTestamenteni elisha nguJesu Kristu, uAgabu (Izenzo 21:10) nezintombi ezine zikaFiliphi (Izenzo 21:9).

Iqembu lesithathu “**abavangeli.**” Lababantu yilabo abamemezela izindaba ezinhle zikaJesu uKristu ngenjongo yokuzuzisa imiphefumulo elahlekileyo. (**Lababantu yibona-ke esibabiza ngokuthi “abavangeli abacabindlela” enkonzweni Yokuvangeli Okucabindlela.**) ETestamenteni Elisha uFiliphu wabe engumshumayeli, eyidikoni futhi engumvangeli. Izenzo 21:8 **kuthi “Ngangomusa samuka safika eKesariya, sangena endlini kaFiliphi umvangeli, owayengomunye wabayisikhombisa, sahlala naye.”** Wabe engumshumayeli owashumayela ivangeli kubantu abalahlekileyo ebahapathisa. Izenzo 8:12 uthi: “**Kepha bathi ukuba bakholwe nguFiliphu eshumayela ivangeli ngombuso kaNkulunkulu nangagama likaJesu Kristu, babhathizwa abesilisa nabesifazane.**” Emhlabeni wonke namhlanje, sinabesilisa nabesifazane abenza umsebenzi “wezithunywa” ngokuqalisa amabandla amasha.

Inkonzo yesine yileyo eka **“malusi-umfundisi.”** Omalusi kwakuyilabo-bantu bokuqala ababeqeqesha abantu. Umalusi umholi wabaholi. Umholi kwezikamoya,inceku ehola abantu bayo ibaholele endleleni kaNkulunkulu. Kufanele abe nesipho sokuba umfundisi no"mhlomisi".

Yilowo nalowo mKristu wamukela isipho sikamoya ngenkathi uMoya ongcwele engena enhliziyweni yakhe ngenkathi ephenduka. 1 uPetro 4:10 uthi: “Nikhonzane,kube yilowo nalowo ngesipho asiphiweyo njengabaphathi abahle bomusa omninginigi kaNkulunkulu.” Ngokusho kwabase-Efesu 4:11-12 kukhona amalungu ebandla anaso isiphiwo sokomoya esingukuvangela.

Ngubani ongaba umvangeli ocabindlela ongaqalisa amabandla amasha na? Umalusi angaba nguye umvangeli ocabindlela na? Umshumayeli angaba nguye na? Umholi wendawo angaba nguye na? Ummeli angaba nguye na? Isithunywa senkolo singaba nguye na?

Wonke umuntu angaba nguye umvangeli ocabindlela lowo ozwa ubizo lokuvangela nokufeza okushiwo yiBhayibheli. Kepha yini efuneka kumuntu ozoba umvangeli ocabindlela, kungenandaba noma umuntu ongumfundisi noma ngumshamayeli ongesiye umfundisi na?

1. Yiba osindisiwe (Izenzo 9)
2. Yamukela ubizo (kwabaseGalathiya 1:15-16)
3. Yiba ogcwalisiwe ngoMoya Ongcwele (kwabaseGalathiya 5:16, kwabase-Efesu 5:18, Izenzo 13:9).
4. Yazi ukusebenzisa Izwi likaNkulunkulu (2 kuThimothewu 2:15).
5. Yiba nesifiso sokulalela nokumthokozisa uNkulunkulu (1 kwabaseThesalonika 2:4).

6. Bathande abasandukuphenduka ubanakekele (1 kwabaseThesalonika 2:7-12, kuThithu 1:9).
7. Yazi ukuthandaza (1 kwabaseThesalonika 1:2, kwabaseKolose 4:2-6).
8. Phila impilo ehlanzekileyo (1 kuThimothewu 5:22, kuThithu 1:7-8).
9. Qina ekukholweni (kuThithu 1:9).

Singasizuzela kanjani uKristu isizwe siqale amabandla amasha kuwona onke amadolobha namadolobhana, namakolishi uma singaqeqeshi abantu asebekhulile eNkosini abanesiphiwo sokuvangela benze umsebenzi womvangeli basebenzise isiphiwo sabo na? Abekho abefundisi abenele abangaqeda umhlaba wonke bewuzuzela uKristu. Abantu bakaNkulunkulu badinga ukuqeqeshelwa lowomsebenzi.

Uma abashumayeli nabafundisi bengaqeqesha enkulu impi yabakholwayo abangahlangabezana nezidingo ezikhonjwa yiBhayibheli singawufeza umgomo wokuqala amabandla amasha kuwo onke amadolobha nakomakhelwane nasemalokishini ezweni lonke.

Ngubani pho ongaba umvangeli ocabindlela? Yinoma ubani obiziwe nguMoya Ongcwele ukuba atshele abantu izindaba ezinhle zikaKristu nokuba aqale amabandla amasha.

Amanothi: _____

V. Umsebenzi Womholi

Yini umsebenzi osemqoka womfundisi, womvangeli noma womholi womvangeli ocabindlela? Kufanele enze yonke into na? Qha!!! Ungumholi kwezikaMoya okhonza abantu bakhe.

Kwabase-Efesu 4:11-12 kuchaza kahle umsebenzi osemqoka womfundisi ukuthi uyini. IBhayibheli lithi uNkulunkulu wanika ibandla abalusi nabafundisi “ukuze abantu bakaNkulunkulu bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu.” **Ngamanye amazwi umsebenzi osemqoka womfundisi noma umholi ukuqeqesha nokuhlomisa abantu beNkosi ukuba benze imisebenzi kaNkulunkulu abanikeze yona. UJesu wachitha iminyaka emithathu eqeqesha abafundi bakhe abayishumi nambili.** Uyisibonelo esipheleleyo sokuthi umhlaba ungazuzwa kanjani. **Wasebenzisa umthetho oyisisekelo-wokwandisa.**

Umvangeli ocabindlela uyokwakha ITHIMU YABAFUNDI ABAVANGELAYO, eyakha ngabantu nje ayiqeqeshe lethimu ekuvangeleni, nasekwenzeni abafundi, nasekuqaliseni amabandla. Lencwadi iyokufundisa ukuthi kwenziwa kanjani lokho, kodwa isinyathelo sokuqala ukwakha ithimu. Uma ungenawo amakholwa ongaqala ngawo ukuwaqeqesha kumele uwazuze. Emva kokuba usuwazuzele kuKristu, uwenze abafundi, bese wenza ITHIMU YABAFUNDI ABAVANGELAYO. Okuyikhona okusemqoka, ukwakha ithimu yabafundi ongabaqeqesha. Kulencwadi leyothimu siyibiza ngokuthi abaqalisi bamabandla nemisebenzi emisha.

Ekuvangeleni kokuqalisa imisebenzi emisha, umholi unemisebenzi emibili esemqoka:

1. Umsebenzi osemqoka ukuqeqesha ngamunye abamvangeli ocabindlela noma baqeqeshwe bengamaqenjani amancane. Loluhlobo loqeqesho akulona olungenziwa eningini noma emaqenjini amakhulu. Kufanele abaqeqeshe emaqenjini

amancane. Ngakho-ke bonke abefundisi noma bonke abaholi bachelwa ukuba bakhe ithimu. Singancoma ukuba ube nomuntu oyedwa kuya kwabayishumi nambili kungeqi lapho. Laba kuyoba ngabafundi bakho oyobaqeqesha. Uma ungenabo abantu asebekhona ongaqala kubo kuqala ezeni, zuza imiphefumulo bese wakha ithimu uyiqeqeshe. Into enkulu ukuba wakhe ithimu yabavangeli bokuqalisa imisebenzi emisha noma abafundi. Uyohlangana nethimu yakho kanye ngeviki nikhuleke, nenze imibiko, nithintane niqeqeshane.

UDr. Waylon Moore encwadini yakhe, Ukwandisa Abafundi (Multiplying Disciples) usho nakhu okulandelayo:

- A. Ukwenziwa kwabafundi ngenye yezindlela ekwenzeni inkonzo enganqamukiyo eyenziwa umuntu uqobo.
- B. Ukwenziwa kwabafundi iyona-nkonzo ongayiguquguqula kalula.
- C. Ukwenziwa kwabafundi iyona-ndlela esheshayo nephephile yokuhlanganisa umzimba kaKristu oyibandla ukuba wenze inkonzo yokuvangela.
- D. Ukwenziwa kwabafundi iyona-ndlela engaqhubeka isikhathi isaveza izithelo ngaphezu kwazo zonke ezinye izinkonzo.
- E. Ukwenziwa kwabafundi kuvezela ibandla abaholi abavuthiwe abemi eZwini likaNkulunkulu nababeka uKristu abe ngomkhulu ezimpilweni zabo.

2. Umsebenzi wesibili womholi oyisithunywa ukwenza ukuba ukuthintana nomvangeli ocabindlela kube khona masonto onke. Kufanele umholi oyisithunywa okungenani achithe isikhathi esingapansi kwehora nabavangeli iviki neviki. Kufanele enzeni kulokhu kuhlangana?

- A. Kufanele aqale ngomkhuleko. Siphakathi nendawo empini yokomoya. Umkhuleko kuphela esingaphepha ngawo emadimonini.
- B. Cela umvangeli ocabindlela akutshela izinto ezinqotshiwe evikini.
- C. Cela abavangeli bakulandise izinkinga abahlangabezane nazo evikini, uzibhale phansi ngazinye.
- D. Baluleke abavangeli ngaleyo naleyonkinga.
- E. Yiqeqeshe ithimu usebenzise incwadi **Ukuvangela Okucabindlela**. Njengokuthi, phindani nihlole isahluko esithi, “Ungabethula kanjani ubufakazi bakho” noma “Ukuvangela” ube neqiniso ukuthi izuzwa kanjani imiphefumulo. Noma mhlawumbe kungahle kudingeke abukeze izahluko ezinjengalezi, “Umkhuleko,” “Ngendlela Engesobala” noma ukuthi “Ungabaqeqesha Kanjani Abaholi Bendawo,” nokunye. Sisebenzise lesisikhathi ukuqeqesha izisebenzi.
- F. Bafundise ukuqhutshwa kwenkonzo nhlangothi zonke, njengokuthi lubhalwa kanjani uhlelo lwentshumayelo, belulekwa kanjani abadinga ukwalulekwa. Kungumsebenzi womholi oyisithunywa ukubaqeqesha kahle lababavangeli.
- G. Khanyisela umvangeli ngalokhuya nalokhuya bese uvala umhlangano wenu ngomthandazo. (Buka eminye imibono esesahlukweni njengezinto “zeviki ezilandelwa ngumvangeli iviki neviki.”)

Uma umvangeli ocabindlela ehlala kude umholi kufanele elule isikhathi sokuhlangana sibe sidana, bese behlangana kanye ngenyanga noma kanye ezinyangeni ezimbili. Angakwenza futhi ukuba bathintane ngokubhalelana izincwadi. Yilokho okwakwenziwa ngumphostoli uPawulu. Kubalulekile kakhulu

ukuba umalusi noma umholi avakashele abavangeli izikhathi ngezikhathi enze nemihlangano yethimu yakhe.

Amanothi: _____

VI. Imigomo Umvangeli Ocabindlela

Umsebenzi womholi ukuqeqesha amalungu ethimu ukuba enze izinkonzo zawo. Kulelo nalelo bandla uNkulunkulu unabantu abanesiphiwo somsebenzi wokuvangela nokuqalisa amabandla amasha. Umvangeli ocabindlela uyokhetha abantu abakhulile nabanesiphiwo. Umsebenzi womholi ukuqeqesha lamadoda ewodwa asebenzise incwadi **Ukuvangela Okucabindlela** nezincwadi ezinye ezinhle. Lababaqalisi bemisebenzi emisha ibandla lendawo kufanele libabize ngokuthi abavangeli. Ibandla lendawo kufanele lizinikele ekubakhulekeleni, nasekubaxhaseni ezidingwenizabo libathume ukuba bayoqala umsebenzi omusha.

Yini imigomo nezinhloso zomvangeli ocabindlela?

1. Ukuzuza imiphefumulo elahlekileyo.
2. Ukubhaphathiza abaphendukileyo.
3. Ukubahola nokubenza abafundi.
4. Ukuqeqesha abaholi bendawo lapho kuqaliswa umsebenzi omusha. (UNkulunkulu uyovusa abaholi abasha okumelwe umvangeli aba qeqeshe).

5. Ukumisa ibandla elisha elizimele, eliziphethe elizandisayo ngaphansi kokuhola kukaMoya oNgcwele.

6. Qala wandise eminye imisebenzi emisha.

Amanothi: _____

VII. Izinto Ezingu 9 Eziswelekile Ekwenzeni Amabandla Asaqalayo Abe Nempumelelo

UDonald A. McGavran encwadini yakhe, Ukuqonda Ukukhula Kwebandla (Understanding Church Growth), noHoward Snyder encwadini yakhe, Izinto Ezinqondene Namabandla Aqalwayo Asemadolobheni (Orientations for Starting Urban Churches), bayachaza lezizinto zokuqala eziswelekile ukuze amabandla aqalayo abe nempumelelo.

Lezizinto ziyiqiniso emhlabeni wonke zisebenza kunoma kuliphi izwe. Zisebenza emadolobheni amakhulu namancane.

1. **Khetha bona abantu abanesiphiwo sikaMoya sokuqalisa imisebenzi emisha.**

Yilelo nalelobandla linabantu-nje kanye nabavangeli abaneziphiwo zikaMoya zokuvangela nokuqalisa imisebenzi emisha. **Ngokusho kwabase-Efesu 4:11-12, umsebenzi womholi oyisithunywa nezithunywa ezinye ukuhlomisa abangcwele (abantu) ukuba bakwazi ukufeza izinkonzo zabo.**

2. **Ukuthuthukisa ubuholi babantu abangesibo abafundisi.**

Ukuthuthukisa ubuholi kubantu phela abangesibo abefundisi yizona-zinto zokuqala ezenziwa lapho kuqalwa khona ibandla lapho kungazange kube nebandla khona. Abekho abafundisi abagcotshiwe abanele bokwenza lomsebenzi bebodwa ngaphandle kosizo lwabantu-nje. Umsebenzi wokuqala womholi oyisithunywa ukuhlomisa abantu-nje bebandla ukuba bafeze inkonzo yabo. **Kwabase-Efesu 4:11-12** kuthi uNkulunkulu wanika “abanye ukuba **babengabaphostoli**, abanye **abaprofethi**, abanye **abavangeli** abanye **abelusi nabafundisi** ukuze abangcwele bapheleliselwe umsebenzi wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu.”

Omunye umalusi webandla elithile wake wathi, “uma ngivumela abantu bebandla ukuba babhathize benze nokunye, mina-ke ngabe sengizokwenzani?” Lomalusi waye nokuqonda okufishane mayelana nomsebenzi womalusi oshiwo yiBhayibheli. Abelusi, izithunywa nabaholi badinga ukubhekisa amehlo abo kulemisebenzi emibili ebalulekile:

- A. **Ukuqeqesha umuntu webandla ukuba abe ngumvangeli.** Laba abavangeli bayokhula kwezikaMoya babe ngabaqalisi bamabandla nemisebenzi emisha.
- B. **Ukuqeqesha abaholi bendawo noma abavangeli** abazoshesha bathathe umsebenzi wokuhola masinyane. Lababaholi kudingeka baqeqeshwe ngezifundo zeBhayibheli njengokuthi bangasenza kanjani isikhathi sokuthandaza buthule, nokuthi bangakhula kanjani ekukholweni, nokuthi bangahlanganyela kanjani ekuholeni ibandla.

3. **Ukuba nokuqonda okuphelele kokuthi ibandla liyini ngokweBhayibheli.**

Kulukhuni ukuqala into ongayazi. Yini ibandla?

Ibandla ngamaKristu abhaphathisiwe ahlangelele ukufeza lezizinjongo ezilandelayo:

- A. Ukudumisa (lokhu kufaka nendumiso engumthetho)
- B. Ukuvangela
- C. Ukwenza abafundi
- D. Ukuhlangatshezwa kwezidingo zomuntu ngamunye
- E. Ubudlelwano

Siyini isimo sebandla? Liluhlobo luni?

- A. Ibandla eliziphethe i gouern (elizithathela lona izinqumo) ngaphansi kokuhola kukaNkulunkulu.
- B. Ibandla elizixhasa lona kwezomnotho ngaphansi kokuhola kukaNkulunkulu.
- C. Ibandla elizandisa lona (ngokuzuza imiphefumulo) phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

4 Ukubona ukuthi yiziphi izindawo ezinokwamukela ivangeli.

Enye indlela ongathola ngayo izindawo ezingemukela kakhulu ivangeli ukuqaphela lezozindawo ezinezinguquko eziningi ezenzekayo enhlalweni. Kulezozindawo umvangeli uyothola abantu abalungele ukwamukela ivangeli.

Enye indlela yokutola abantu abayidingayo iNkosi ngenxa yokucindezeleka ngandlela-thize. Lokhu kungenzeka kunoma ngubani kungakhethi izinga umuntu akulo. Kwesinye isikhathi abantu abacebile banenkinga yokungezwani nabantwana

babo ngenxa yezidakamizwa nezinye izinkinga zenhlalo. Ivangeli-ke liyimpindulo ezidingweni zabantu bawo onke amazanga emhlabeni. Umsebenzi wethu ukuthola lababantu sibanike uKristu.

5. Ukuxoxa ngokukholwa kuKristu ngokujulile

Ayikho into ebaluleke njengalena. Abaphostoli babe nomyalezo wokuphenduka nokwamukela uKristu ukuze umuntu asindiswe. Bawushumayela ngamandla lomlayezo baze bawugcwalisa umhlaba. Nanamuhla sidinga ukwenza njalo! **AmaHubo 126:6 kuthi “ohamba ekhala izinyembezi, ephethe imbewu yokuhlwanyela, uyakubuya ngokuthokoza, ephethe izinyanda zakhe.”** Uma ungavuni emsebenzini owenzayo ngahle ukuba awuhlwanyeli kahle. Zibuze ukuthi bangaki abantu ababuzwile ubufakazi bakho ngoKristu ngesonto eledlule, basithola isimemo sokuba basindiswe. **Ukuvangela kokuba khona** (ukuba khona nje) akwanele. Kumelwe kube ukuvangela okubeleselayo. **Ukuvangela okubeleselayo** kulapho kunxuswa umuntu ukuba azinikele kuJesu Kristu ukuba abe yiNkosi noMsindisi wempilo yakhe.

Wagcina nini ukuba ukhuleke ukhalele abalahlekileyo ukuba basindiswe?

6. Ukugcizelela ukuqaliswa kwebandla ekhaya.

UPawulu washumayela ivangeli kubaJuda nakwabezizwe. Emva kokuba eseshumaye emzini, abaphendukileyo babehlangana babe nobudlelwano endaweni ekhethekile ukubuthana kuyo. Kwesinye isikhathi babehlangana emizini yamaKristu amasha. Kwezinye izikhathi babesebenzisa izindawo ezisobala njengezikole noma imizi.

Lezizindawo ezilandelayo kwakuyizo ezokuhlangana:

- 1. Izenzo 16:40 **endlini** kaLidiya-eFiliphi

2. Izenzo 17:5,6 **endlini** kaJasoni eThesalonika
3. Izenzo 18:7 **endlini** kaThithiyu Justu eKorinte
4. Izenzo 19:9 **esikoleni** sikaTiramu e-Efesu
5. Izenzo 20:20 UPawulu wafundisa **obala, nakuyo indlu ngendlu.**

UPawulu washumayela eThesalonika amaviki ambalwa, washiya ibandla elabe selakhiwe walishiya ezandleni zabantu baseThesalonika.

E-Efesu wahlala iminyaka emibili efundisa esikoleni sikaTiranu (Izenzo 19:9). **Kwaba yini imiphumela? Bonke abantu balesisifunda sase Asia bezwa izwi likaNkulunkulu** (Izenzo 19:10, 20). Lokhu uPawulu akakwenzanga yedwa! **Wayehlala njalo enza abafundi ukuze bafeze okushiwo yizwi leNkosi. 2 kuThimothewu 2:2 kuthi,** “Lokho okwenzileyo kimi phambi kofakazi abaningi, lokho-ke kubeke kubantu abathembekileyo abazakuba-namandla okufundisa nabanye.” **Lelivesi likubeka ngokusobala okuyimfihlakalo yempumelelo kaPawulu. Wawenza umyalo kaJesu wokuthi sihambe “senze abafundi.”**

Kulomphakathi wethu wamanje, ikakhulukazi emadolobheni amakhulu, kudingekile ukuba kugcizelelwe ukubaluleka kokuqala amasonto emakhaya ngenxa yokubiza kwezinto. Yonke indawo amaKristu azizwela isidingo sokuhlangana adumise, abe nobudlelwano omunye nomunye. Lokhu-ke akudingi indlu noma indawo yokukhonzela, ekuqaleni ikakhulu. Ngokusebenzisa amakhaya ibandla lingakhula ngaphandle komthwalo ukuqhasha nokuthengwa kwendlu.

Inkinga evama ukutholakala ekuqhasheni nasekuthengeni kakhulu ukubiza kwezinto. Emadolobheni amancane izindawo zokuhlangana zingatholakala ngenani eliphansi. Kepha kwamakhulu akuvami ukuba njalo. Ngenxa yalesisizathu kuhle ukusebenzisa amakhaya, indawo yangemuva kwezindlu noma yiziphi-ke ezinye izindawo uma kusaqalwa ibandla.

Ngokubona okwenzekile phambilini abaphendukile bayanda lapho ibandla lihlalanga endaweni lapho abantu bengahlanganyela ngaphandle kokuzizwela ubulukhuni bengasatshiswa lutho. Kubalulekile futhi ukunaka ukuthi ukusebenzisa lendlu kulula ukungena komakhelwane nasemadolobheni. Inkinga enkulu emabandleni ahlalanga emakhaya ukuthi kungase kulumusheke ngenye indlela, kube sengathi ukuhlalanga nje kwesikhashana. Kodwa iqembu elisha lingasebenzisa lendlu okwesikhashana ukonga imali yokuqhasha ehholo noma yokuthenga indawo yokwakha.

Umgomo wethu ukulungisa imisebenzi emisha ngezimali zabo ngaphandle kokufuna usizo lwangaphandle.

7. Ukwenza inkonzo ejabulisayo lapho amakholwa ezothokoza khona.

Uma singena phambi kukaNkulunkulu sisondele kakhulu kuye ngenhliziyo eqinisileyo. NgokukaMathewu 6:9-13, uNkulunkulu usifundisa ukuba singene emagcekeni akhe ngendumiso ngakho-ke ukudumisa ubukhulu nobuhle bakhe uNkulunkulu. Sibuka ubunjalo bakhe uNkulunkulu ukuthi ungubani (ukubonga kuyimpendulo kulokho asenzele khona.) Ubuphakade, unamandla onke, usezindaweni zonke, unokwazi konke. UnguMninimandla (El-Shaddai). UnguNkulunkulu onakekelanayo (uJehova Jire). UyiNkosi ephilisayo (uJehova Rophe).

Kukhona okunye okuningi ayikho uNkulunkulu. Ukumdumisa kusho lokho ayikho uNkulunkulu. Yinto evela enhliziyweni yomuntu lena angayiveza ngezindlela ezininzi ezehlukeneyo.

8. Ukungathwesi abantu umthwalo "wempahla"

Kungcono ukuba kuqale kwakheke iqembu lamaKristu eliqinile andukuba kukhulunywe ngezindaba zeholo nempahla yomshumayeli nesivumelwano sokwakha indawo yokukhonzela.

9. Misa ekuqaleni komsebenzi ukuba kwanele umsebenzi webandla, kuqale ngalemithetho:

- A. Ukuqala amabandla amaningi ngasikhathi sinye ngokuqeqesha abazalwane abangenza lowomsebenzi.
- B. Ukuqeqesha amakholwa ukuba abenombono wokuvula amabandla amasha. Lokhu kungenzeka ngokusebenzisa izindlela ezinjengokufundisa iBhayibheli kufundiswe abaholi abasha ekulandeni izindaba zeBhayibheli, nezinye izindlela.

VIII. Okhiye Abangu 6 Kumabandla Asakhulayo Ngemuva Kokuba Eseqaliwe

Uma ibandla seliqaliwe ulikhulisa kanjani? Ziningi izincwadi ezibhaliwe kulesisifundo nokuhlolwa kwaso kwenziwe kaningi. Nokho ukuba ibandla likhule kunezinto eziyisisekelo ezidingekayo. Nazi:

1. Inkonzo Yomkhuleko

Ibandla lidinga isisekelo esingumkhuleko. Abelusi nabaholi abadingi ukutshela abantu ukuthi badinga ukukhuleka, kodwa badinga ukubafundisa ukuthi kukhulekwa kanjani. Inkinga enkulu ukuthi amakholwa amaningi awakwazi ukuba wodwa noNkulunkulu. Nansi imibono eyincosana :

- A. Sebenzisa imibono ekulencwadi empilweni yakho engxenyeni yokwenziwa esihlokweni esithi, “Umvangeli ocabindlela noMkhuleko.”
- B. Funda “ukuzwa iphimbo leNkosi” nokwakha uhla lwezinto ozozinxusela evikini usuku ngosuku. Kubalulekile futhi ukwakha uhla lwezinto zokumdumisa nokunye. Lena yingxenye yokwenziwa ekulencwadi.

- C. Fundisa abantu ukukhuleka nokuphila ngawo umkhuleko. Lesi esinye sezizathu ezibanga ukuba amaKristu angakhuleki isikhathi noma esezizwile izintshumayelo eziningi ezisho isidingo somkhuleko. Abazi ukuthi banganaso kanjani isikhathi sokuba bodwa noNkulunkulu.
- D. Yenza amaqembu omkhuleko emakhaya. Ukuqhutshwa komkhuleko akumele ukuba kumiswe ngohlelo lwenkonzo yokudumisa.
- E. Kwesinye isikhathi ekugcineni inkonzo yenza amaqembu amancane lapho wonke umuntu ezogquqa ngamadolo akhuleke. Lokhu kubaluleke kakhulu ekwenzeni ibandla lomkhuleko.

2. Inkonzo Yokudumisa

UHoward Synder encwadini yakhe ethi, *Izinqondiso Zokutshalwa Kwebandla Emadolobheni* (Guidelines for Urban Church Planting), uthi uma ufuna ibandla likhule kudingeka wenze inkonzo ejabulisayo, lapho abantu bezothokoza khona. Lokhu kuyiqiniso kuwo wonke umhlaba.

Akekho umuntu othanda ukuba senkonzweni emkhumbuzo umngcwabo. Ukukholwa okungenayo injabulo nokuthokoza akusikho ukukholwa kwempela. Inkonzo egcwele intokozo nomculo omnandi iyahehane. Lokhu akusho ukuthi kufanele sibe nenkonzo engenakho ukuhleleka. Abacwaningi bathi emhlabeni wonke ezizweni zonke lapho kukhona amabandla akhulayo yilapho kukhonzwa khona ngenjabulo.

Khumbula umculo awusikho ukudumisa kodwa yinto esidumisa ngayo. Sidumisa uNkulunkulu hhayi umculo wethu. Umculo yinto esasiko yokudumisa. Akudingekile ukuba ubulale isiko ukuze ungenise ivangeli.

Ukudumisa kwempela ukumbuka uNkulunkulu umusho ukuthi ungubani. Ukudumisa yinto equbuka enhliziyweni yomuntu ivezwe ngezindlela ezehlukene. Amanye amabandla

athanda ukusebenzisa amaculo endabuko. Abanye bathanda ukusebenzisa amakhorasi okudumisa. Sikholwa ukuthi kumelwe siwahloniphe amasiko nemikhuba yabantu bendawo, kumelwe futhi sizihloniphe izimiso zalelo nalelobandla. Kepha ukuzikhethelela uhlobo lomculo kulelobandla ukuzikhethelela ukuthi lizosebenzisa muphi, kubalulekile nokho ukuba inkonzo yabo ithokozise nokuthi iphile. Kungukugubha umkhosi kaNkulunkulu wethu.

Amanye amabandla aseAfrica asebenzisa amasimbali aze asine phambi kwebandla ngesikhathi kukhonzwa ngendumiso. Kuyiphutha ukuthi “kumelwe ungenzi kanje ngoba akusiyo indlela esiqhuba ngayo inkonzo eMelika eBrazil, Endiya noma kuyiphi enye indawo.”

Ibandla kumelwe livame ukubhaphathiza nokwenza isidlo seNkosi kube yingxenywe yokukhonza kwalo. U Dr. Charles Brock encwadini yakhe ebizwa ngokuthi *Umsuka Wokutshalwa Kwebandla (Indigenous Church Planting)* wenze nazi iziqapheliso ezilandelayo maqondana nanazi izimiso ezimbili ezisemqoka:

Uma uzobhaphathiza kumelwe ube nalokhu:

- A. **Umuntu ofanele** - umuntu ophendukile ezonweni zakhe wakholwa kuJesu Kristu wamenza yena yedwa waba yiNkosi yakhe, uMsindisi wakhe noMlamuleli wakhe. EBhayibhelini akukho nelilodwa ivesi elithi ingane imelwe ibhaphathizwe. Likubeka kucace ukuthi kufanele sibhaphathize umuntu ophendukile. Ingane ayikwazi ukwamukela uKristu abe yiNkosi, uMsindisi noMlamuleli.
- B. **Amagunya afanele** - Ibandla lendawo elizibusayo lingazinqumela ukuthi ubani elizombhaphathiza nokuthi ubani dingeke limbhaphathize.
- C. **Umpathi ofanele** - Yilelo nalelo bandla elizimele lingazikhethelela umuntu ongenza umbhaphathizo.

- D. **Indlela efanele** – Ukucwila kanye egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya Ongcwele.
- E. **Inhloso efanele** - Ukufanekisa ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu, wembelwa wavuka kwabafuleyo. Kufanekisa futhi ukuthi safu ezonweni samukela ukuphila okusha okukuKristu uJesu.

Ukuhlanganyela emkhosini wesidlo seNkosi umuntu kufanele abe nalokhu okulandelayo:

- A. **Ukuhlanganyela okufanele** - abe umfundi kaKristu.
- B. **Igunya elifanele** - UJesu Kristu. Uyala ukuba abakhulwayo badle isidlo seNkosi ukuze bakhumbule ukufa kwakhe.
- C. **Ofanele ukuphatha inkonzo** – ebandleni elizimele lingazikhethelela umuntu elifuna ahole inkonzo yesidlo seNkosi. Lowo kungaba umvangeli ocabindlela noma umholi wendawo noma ibandla lizikhethele owebandla apha the inxenywe yenkonzo yokudumisa.
- D. **Inhloso efanele** - ukukhumbula nokumemezela ukufa kukaKristu aze abuye.

Ngaphezu kwakho konke ukushunyayelwa kweZwi likaNkulunkulu. Uma umvangeli ocabindlela engajwayele ukushumayela kufanele akhethe indawo eBhayibhelini enze ngayo nakhu okuyisithupha okulandelayo:

- A. Funda ivesi.
- B. Chaza amaqiniso okomoya asevesini.
- C. Chaza ukuthi iqiniso ngalinye lingasebenza kanjani ezimpilweni zabantu abalalele.

- D. Nikeza isibonelo ngalelo naleloqiniso.
- E. Kwenze lokhu ivesi ngevesi noma indinyana yaleyongxenyeyo yifundile.
- F. Gcina inkulumbo yakho ngesimemo sokuba bazinikele kuJesu.

Uma umvangeli ocabindlela engenaso isikhathi eside eshumayela engesiye umshumayeli onesiphiwo sokushumayela kungcono anciphise isikhathi sokushumayela asenze sibe yimizuzu engamashumi amabili.

ISIXWAYISO: Kungcono ukushumayela imizuzu engama 20 ngeviki kubantu abakhulayo kunokushumayela u 30 kuya 50 wemizuzu kubantu abangafisi ukubuya nabangeke baxoxe ngebandle labo kwabanye.

Angasebenzisa ukuhlolwa kweBhayibheli nokuxoxwa kwezindaba futhi. Afunde kuyo lencwadi izahluko ezikhuluma ngokuthi ziholwa kanjani izifundo zokuhlola iBhayibheli emakhaya nezahluko ezifundisa ngokuxoxwa kwezindaba, afunde ukushumayela izintshumayelo ezinhle ahole nokufundiswa kweBhayibheli.

3. Inkonzo Yokushumayela

Ibandla lidinga likhule. Ungasebenzisa uhlelo olukulencwadi noma yiluphi olunye. Into esemqoka kakhulu ukuba ibandla lithathe ithuba lokuba liye kubantu abadinga ivangeli kunokulindela abantu ukuba beze enkonzweni lapho lihlalanga khona ngesonto. Umvangeli ocabindlela udinga ukwenza inkonzo yokuhambela abantu aqeqeshe amalunga ukuba aye kwabalahlekileyo avangele ngenjongo yokubazuzela kuKristu izindawo ngezindawo kunokuba balindelwe ukuba beze bafike lapho ibandla lihlalanga khona.

4. Inkonzo Yokwenza Abafundi

Ukuze ibandla likhule kudingeka ukuba kwenziwe izinhlelo lapho kuzohlalanga khona abasandakuphenduka kuqeqeshwe abaholi bendawo omunye komunye noma amaqembu amancane. Umvangeli ocabindlela uyoqeqesha lababaholi ekukholweni nasemisebenzini ephathekayo njengokuhola imithandazo, nokunikeza ubufakazi, nokuzuzela imiphefumulo kuKristu, nokuhola izifundo zeBhayibheli emakhaya, nokufundiswa kweBhayibheli.

Into esemqoka ekuqeqesheni othile ukuba umvangeli athathe ofundayo ahambe naye ensimini. Njengokuthi umholi omusha aphelezele umqalisi wemisebenzi emisha uma eyohola izifundo zeBhayibheli emakhaya abantu abangaphendukile abangakamamukeli uKristu njengeNkosi. Umholi wendawo kufanele amphelezele umqalisi wemisebenzi emisha ambuke lapho ethula obakhe ubufakazi nalapho edobela abantu kuJesu nokunye. Akekho ongenza othile umfundi emenza eklasini kuphela.

Kunezimfihlo ezimbili ekwenzeni abafundi: okokuqala, qeqesha abantu omunye komunye noma emaqenjini amancane. Okwesibili, kudingekile ukuba abantu uhambe nabo ensimini uma uya kohlwanyela ivangeli.

5. Inkonzo Yobudlelwane

Ukuze kubekhona ukukhula ebandleni kudingekile ukuba kubekhona ubudlelwano uma amalunga enothando lweqiniso. Uma izivakashi zingena ebandleni kumelwe zizwe uthando lukaNkulunkulu kanye nothando phakathi kwamalungu. Uma kukhona ukubaba, nenzomdo, nokwahlukana ngeke ibandla likhule. Ubunye nothando kudingekile ukuze izivakashi zizwe ubudlelwano nokwamukeleka ebandleni.

6. Ukuphatha okufanele

Umalusi webandla elinamalungu angu 4,000 eMelika wake wabuza wathi "Uyini umahluko ekubeni umalusi webandla elinamalungu angu 40 nokuba umalusi webandla elinamalungu angu 4,000?" Impendulo yakhe yathi "Ukuphatha."

Kudingekile-ke ukuba umvangeli ocabindlela umqondo wakhe ubuswe ukuqeqesha amalungu ekwenzeni umsebenzi kaNkulunkulu kunokuba azame ukuwenza yedwa. Umalusi angaphatha yonke into ebandleni labantu abangu 30 kuya ku 80, kuyofika lapho ukukhula kungenzeki khona ngaphandle kokuba aqeqeshe abantu ezindleleni zokuphatha. Kufanele awabe umsebenzi kubantu abakhulile nabaqeqeshwe kahle. Umsebenzi omkhulu nowokuqala womqalisi wemisebenzi emisha uyoba ngumqeqeshi.

Amanothi: _____

IX. Izinhlolo Ezintathu Zebandla LeTestamente Elisha

Injongo yomvangeli ocabindlela ukuqala amabandla anele-azimele ngaphansi kokuhola kukaMoya Ongcwele anezinhlolo ezintathu zamabandla eTestamente Elisha:

1. Elizibusayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.
2. Elizixhasile phansi kokuhola kukaNkulunkulu.
3. Elizandisa lona phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

Sizozibheka kafushane lezizimiso ezintathu:

1. Elizibusayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

Lesisimiso sokuzibusa sibalulekile kakhulu kubantu abakholelwa ekubuseni ngentando yabantu. Amabandla ethu ahlanganiswe yizifundiso zeBhayibheli esikholelwa kuzo nokuthi sifuna ukusebenza ndawonye ukuvangela nokwakha izimishini. Umphumela walesisimiso empilweni yebandla yokomoya ubalulekile kangangoba uma kungaba khona ukwahluleka okuthile, amandla onke okuqala ibandla elisha elizimele angahlehliseleka emuva.

Ukuzimela emisebenzini yokomoya kuveza impumelelo yokuzixhasa nokuzandisa. Ukwehluleka ukubeka umsebenzi wokuzimela ezandleni zalabo abasandakuphenduka kuyokwehlulekisa imizamo yokuqalisa ibandla elisha.

Kucishe kungenzeki ukuba umvangeli ocabindlela aziqhelanise nesilingo sokuzama ukubusa ibandla elisha. Kungenzeka ngamandla kaMoya Ongcwele kuphela ukuba umvangeli ashiyele umsebenzi wokushumayela, nokufundisa, nokuphatha emalungwini endawo. Impilo yalo yokuqala lelibandla elisha izobe ibukelwe kumvangeli. Nokho, ibandla lizokwazi ukuzithathela izinqumo lona ngokwalo kunokuba linqunyelwe yizinhlangano zokuvangela noma linqunyelwe nguye umvangeli walo. Kuyokwenzeka kanjani lokhu? Kuyokwenzeka ngoba umvangeli ocabindlela uvele waphemba ibandla elizimele khona kusuka phansi.

Abanye bangathi ibandla liseyingane kakhulu alikazitholi izifundiso ezanele, alikabi nawo amandla anele ukuba lizithathele izinqumo. Nokho kucacile ukuthi ibandla elinamasonto amathathu alinalo ulwazi olungangolwebandla elineminyaka eyishumi. Lifanele ukuzithathela ezinimgi izinqumo ngokuholwa umholi onobuNkulunkulu nohlakaniphileyo. Umsebenzi womvangeli ukweluleka hhayi ukubathathela izinqumo. Uyakhanyisa aqondise ibandla elisha lingangeni emaphutheni. Uma sebeqala ukuya ngasekudukeni, kuyodingeka abanqande

njengomholi, nokho umvangeli kufanele alivumele ibandla ukuzithathela izinqumo zokuqala.

Kufanele sibheke ezinye zezinyathelo ezimelwe ukwenziwa:

- A. Umvangeli ocabindlela uyongena edolobheni azuzele uKristu imiphefumulo.
- B. Uyofundisa ukufundwa kweBhayibheli nezifundiso zokuqala asebenzise indlela eyavezwa ngu Charles Brock yokuxoxwa kwendaba nezinye izindlela.
- C. Abasandakuphenduka bayobhathizwa.
- D. UMoya Ongcwele uyovusa abaholi bendawo ezidingweni zonke, uma umvangeli ocabindlela emvumela. Ku-Izenzo 14:23 sibona ukuthi uPawulu wawenza kanjani lomsebenzi. Abaholi abakhethwa uPawulu noBarnaba bebakhethela ibandla ngebandla kwakungabendawo. UPawulu waqala amabandla eKhuphro (Izenzo 13:13-52), elkoniyu (Izenzo 13:4-12), eAntiyokiya (Izenzo 13:13-52), Elkoniyu (Izenzo 14:1-7) eListra naseDerbe (Izenzo 14:8-20). Kulelo nalelo dolobha uPawulu noBarnaba bazuza imiphefumulo, baqala amabandla, bakhetha abaholi, bashiya. Uma sethembele kuMoya Ongcwele njengabo siyothola imiphumela efanayo.
- E. Abasandakuphenduka bayofunda izifundiso zeBhayibheli.
- F. Abaphendukileyo abasivumayo isifundiso bayohlela ukuba bahlele ibandla.
- G. Iqembu laleyondawo lozikhethela abaholi balo:
 1. Umalusi
 2. Amadikoni nama/noma amalunga
 3. Nabanye, lapho bedingeka

Umphostoli uPawulu wakunikela kuMoya Ongcwele nasemseni kaNkulunkulu ukulondolozwa nokukhanyiselwa kwabasandukukholwa. Akacabanganga ukuthi kufanele ahlale nabo ukuze bangahluleki endleleni.

Uma umvangeli ocabindlela efuna ibandla libe ngelizibusayo noma elizimeleyo akanakulithathela izinqumo. Lokhu kuyokwenza abaholi bendawo basheshe bafumane ubuholi masinyane **KEPHA UDINGA UKUBA ABE NESIQINISEKO SOKUTHI IBANDLA LITHOLA INHLANZEKO EVUMELANA NESIFUNDISO**. Nomphostoli UPawulu wabhalela amabandla izincwadi elwa nabafundisi benkohliso

Umvangeli kumelwe anqume khona kusuka phansi ukuthi uzomisa ibandla elizozimela lizithwale lona lizandise phansi kokuhola kukaNkulunkulu. Akuphindaphinde ekufundisa lokhu kumakholwa amasha.

2. Ibandla elizixhasa lona kwezomnotho phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

Ibandla leTestamente elisha ngelalizithwele lona kwezomnotho. Lokhu sikubona khona-nje ekuqaleni kwempilo yalo. Siyakholwa ukuthi amabandla afanele abaxhase abayizithunywa nabelusi bawo. Abelusi bafanele baholelwe amabandla abo. Izithunywa zona zithola iholo lazo emisebenzini ayenzayo. Nokho bonke abantu, abelusi, izithunywa nabantu abashumayelayo bengesibo abafundisi bancike eNkosini. Noma nini uma kuqalwa ibandla noma liqalwa ngubani kufanele siqale ibandla elizixhasa liziphilise lona.

Ibandla elisha alikalingani nokuba lenze imisebenzi engenziwa amabandla asekhulile, kodwa noma yiliphi ibandla elisha elinayo imali eyenele ukwenza imisebenzi yokuqala lenze zonke izinto uNkulunkulu asuke ezidinga okwadesosikhathi.

Ngakho-ke umvangeli kufanele enze loluhlobo lwebandla elifuna ukuzikhokhela izidingo zalo ngokweshumi neminikelo yalo. Umvangeli ocabindlela kufanele afundise lezizinto ngempilo yakhe nangezendo zakhe ngaphambi kokuba ibandla liqaleke.

Uma umuntu efunda incwadi Izenzo uyabona ukuthi uPawulu wayesebenzisa lendlela. Akukho nelilodwa ivesi elikhombaukuthi ibandla lezizwe lake lasizwa ibandla labaJuda eJerusalema noma ibandla laseAntiyokiya. Akukho nhlangotho yamabandla noma ibandla elingumzali elinezimali zokuthwala ibandla elisha.

UMelvin Hodges encwadini yakhe ethi: Ibandla Elakhiwe Abomdabu (The Indigenous Church) uthi uma ibandla linemindeni eyishumi elikhokha okweshumi lingamondla umelusi owalusa ngokugcwele uma ezophila njengabantu bakhe.

Ukukhula komoya kwebandla kubiza ukuthi ibandla libe ngelizimele elizondlayo. Uma umvangeli ocabindlela noma ibandla elingumzali bephuca amakholwa amasha amathuba okupha nokunikela ukuze umsebenzi uqhubeke, umphumela kuyoba ukuba kutholakale ibandla elibuthakathaka. Aliyikuba nawo amandla okuqhuba ivangeli. Esikhundleni sokuba liphendukele kuNkulunkulu ukuba aliphe izidingo liyophendukela enhlanganweni yamabandla noma ebandleni elingumzali.

Uma ibandla elisha lizabalaza lilwa liyakhula. Isithunywa uCharles Brock encwadini yakhe Ukumisa Ibandla Kwabandawo (Indigenous Church Planting) uthi umphumela ufana nomuntu ozama ukusiza isiphaphalazi siphume engubeni yaso. Isiphaphalazi siyalwa sizama ukuphuma engubeni yaso, umuntu kufanele abuke kuphela. Uma umuntu ephelwa ukubekezela ezama ukunquma izintambo zecimbi ngomese umsebenzi wokuzama uphela khona lapho. Nokho umphumela kuba isiphaphalazi esibuthakathaka esithatha imizuzwana bese sifa. Isibukeli esisizayo saphula omunye wemithetho yempilo. Uma umuntu ebisivumele isiphaphalazi salwa sazama ekugcineni bekuyophuma isiphaphalazi esiqinile esihle, esikhule kahle.

Indawo yokuhlanganela eyakhiwe yimizamo yemali yabantu bendawo, inkulu kunendawo eyakhiwe yizimali eziphuma kubantu bezizwe noma eziphuma ezinhlanganweni zamabandla. Lokhu akusho ukuthikubi ukuba othile asize ibandla elisha. Njengokuthi, ibandla elingumzali lisize ngokufisa kwalo ukwakha indlu ngenkwentileka, lokhu kubizwa ngokuthi

yisu lesikhathi esisodwa. Kwehlukile lokhu osizweni lwesikhathi eside noma usizo lwesikhathi sonke. Nokho kungcono ukuba abantu bendawo bazizabalazele bazakhele okwabo uma kuyinto abayifunayo.

Inkinga ivuka lapha ekutheni abaholi abaningi bakholwa ukuthi abantu babo bebandla bampofu kakhulu ukuthi bangenikele okweshumi. Nabantu bagcina bekhola yilokho. Eqinisweni labo abantu banayo imali yokufeza izinto uNkulunkulu alindele ukuba bazenze ebandleni labo. Umthombo wethu nguNkulunkulu! Leliqiniso kufanele lifundiswe khona kusuka phansi.

Umbuzo uthi ungalikhulisa “kanjani” ibandla elizixhasayo. Uma umvangeli ehlela ukwakha ibandla elizimele kwezomnotho kubalulekile kakhulu ukubeka isisekelo esilungile khona ekuqaleni. Abakholwayo bokuqala bayokwenza isibonelo kwabayolandela. Lesisibonelo siyoba yisisekelo sokuthi ibandla liqhumuka kubantu abaphendukileyo. Ngakho-ke kufanele lifundiswe ukuthi zonke izingxenye zomsebenzi zidinga izimali ezivela kumalungu ebandla nokuthi kufanele banikele ngengxenye yokweshumi kwabo ezimishaneni ngalo ibandla nangezinhlangotho zamabandla.

Kulula ukufundisa umuntu osandakukholwa ngemali yokwenza umsebenzi kaNkulunkulu, umuntu onamaviki ambalwa kunomuntu ongaphezu konyaka ephendukile. Kufanele kusetsenziswe izinto zokufundisa lesisifundo. Abasandakuphenduka bafanele bazethwese umthwalo wezimali kusuka khona ekuqaleni.

Ezindaweni eziningi emhlabeni ibandla alimiswa kungakabikho-mfundisi ogcotshiwe, ozosebenza isikhathi sonke ebandleni, ingakabikho impahla nendlu. Lokhu kubizwa ngokuthi yisibonelo esithathelwa kokhokho. Nokho-ke lamabandla abeka umuntu abe yisithiyo lokhu uNkulunkulu angakudingi. Ngicela ubuke lokhu okulandelayo ungenandaba nokuthi ukwakha ibandla elilodwa kuyobiza malini.

1. Iholo lomfundisi ngenyanga _____ x 12 wezinyanga _____ x 7 weminyaka = _____

(Ukuthatha iminyaka engu 7 ukwakha ibandla elisha ngalendlela.)

2. Intela yendlu yomfundisi _____ x 12 wezinyanga _____ x 7 weminyaka = _____
3. Impahla _____
4. Indlu _____

Hlanganisa konke lokhu ubone ukuthi ibandla lakho lingawuqala umsebenzi omusha usebenzisa isibonelo sawokhokho.

Asinakho ukuzikhethelela okunye kodwa ukuya eBhayibhelini sibuke ukuthi uJesu wathini nokuthi uPawulu wenzani. Umphostoli uPawulu waqala imisebenzi emisha emakhaya, ezikoleni nasezindaweni ezisobala zomphakathi, esebenzisa abantu-nje abangesibo abafundisi. Uhlelo lukaNkulunkulu lolu lokuzuzela umhlaba kuKristu.

3. Ibandla elizandisa lona phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

Ibandla leTestamente Elisha liyazandisa. Ngemvelo yalo kwakufanele impilo yalo liyichathazelane nabanye. Loluhlobo lwebandla linokuvangela nesifiso sokuqala amabandla amasha.

Sikulelizwe elandelwa ngabantu abanhlobonhlobo ngesivivini esinjengokuqhuma. Kufanele sakhe amabandla eTestamente Elisha ayoqala amanye amabandla nawo. Yilelo nalelobandla eliqalwe ngenqubo yeTestamente Elisha nalo liyobona isidingo sokuveza izithelo ngokushesha kunebandla elakhiwe ngezinye izindlela. Ngakho-ke kungumsebenzi umvangeli ocabindlela ukuthi uma akha ibandla enze ibandla leTestamente Elisha.

Yilelo nalelobandla kufanele libe nomthwalo wesifunda salo. Kufanele licele omunye walo okwelinye idolobha ukuba avule indlu yakhe kukhonzelwe kuyo izinyanga eziyisithupha.

Ngemuva kwalesisikhathi kuqalwe ukuba kusungulwe elinye ibandla. Ngamanye amazwi, ibandla elisha kufanele libe yibanga elingahanjwa ngezinyawo ukuqhelelana kwalo kwelinye emhlabeni wonke. Lelo nalelobandla kufanele libe nomholi kanye nomqalisi wemisebenzi emisha wokulinakekela. Umvangeli ocabindlela ukuqeqesha abaholi bamabandla kulesisikhathi. Okunye ukusebenzisana ukuze kube khona isonto kubantu aba-1,000 kulezizindawo ezinabantu abaningi.

Ekuqaleni umvangeli ocabindlela kade engumvangeli.

Uzuza imiphefumulo bese efundisa abasandakukholwa.

Isinyathelo esilandelayo ukukhulisa abaholi bendawo, eshiya umsebenzi ezandlani zabo ukuze baqale umsebenzi omusha endaweni entsha komakhelwane noma kwelinye idolobha.

Umvangeli kufanele aqhubeke ukuqeqesha abaholi bendawo nokuhlanganisa amaqembu ehlukene awenze amabandla. Bese eshiya umsebenzi ezandlani zabaholi bendawo ade ebavakashela ukubasiza nokubakhuthaza.

Umsebenzi womvangeli ocabindlela ukuqeqesha lelo naleloqembu ukuba lizihlanganise lizenze ibandla elisha nokuba aqeqeshe abaholi abasha bavule omunye umsebenzi ngokushesha kwenye indawo. Lelibandla elisha -ke liyobe liyazandisa.

Amanothi: _____

ISIGCINO:

Umvangeli ocabindlela uma efuna ukuphumelela kufanele enze lokhu okulandelayo:

1. Kufanele abe ngoqeqeshekile nolungele.
2. Kufanele azuzele uKristu imiphefumulo elahlekile emakhaya abantu abalahlekile noma kwezinye izindawo njengasemahovisini nasezikolini zemfundo ephakeme nakwezinye, kunokuqala izinkonzo emahholo ngalolulwazi oluthi "woza kimi."
3. Kufanele aqale izinkonzo ezijabulisayo neziphapheme emakhaya amakholwa amasha.
4. Kufanele akwazi ukulandela amakholwa amasha ekukholweni nasemzimbeni kaKristu.
5. Kufanele akwazi ukwenza abafundi nokuqeqesha abaholi abasha bendawo.
6. Kufanele avumele abasandakuphenduka bakhokhe imali yentela yehhlo uma befuna inkonzo ejabulisayo.
7. Kufanele abe ngoqeqeshelwa ukubhaphathiza abasandakuphenduka nokuhola isidlo seNkosi.
8. Kufanele aqeqeshe abantu bendawo bakwazi ukuzuza imiphefumulo elahlekileyo nokuhola izifundo zeBhayibheli zokuvangela.
9. Kufanele avumele abantu bendawo ukuzikhethela ukuthi bayohlanganela kuphi nokuyiveza indawo.
10. Kufanele aqeqeshe abaholi bendawo ukuba bazi ukuthi ibandla lendawo liholwa kanjani. Bafanele bafundiswe ukuhola izifundo zeBhayibheli, nezinkonzo, nokuphatha izindaba, nokushumayela, nokuzuza imiphefumulo, nokubhaphathiza amakholwa amasha, nokuphatha isidlo, nokuqoqa okweshumi, nokuphakamisa iminikelo yezimishani.
11. Kufanele amise ibandla elisha elizibusayo, nelizixhasayo nelizandisayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.
12. Kufanele afundise ibandla elisha ukusebenzisa lendlela yokuzandisa liveze amabandla amasha ezindaweni ezizungezile. Amabandla azandisayo ayimpendulo yokuzuza umhlaba wonke awuzuzele uKristu. Cabanga ngokwandisa--lapho kungaqalwa khona amabandla amasha.

IZINTO ZOKWENZIWA OBALA

Lesisigaba salencwadi sizochaza ukuthi umvangeli uzoyiqhuba kanjani inkonzo yakhe ngezindlela ezibonakalayo. Lezizindlela zisebenza uma zisetshenziswa ngaphansi kokuqondisa nokuhola kukaMoya Ongcwele kaNkulunkulu. Isizathu salokho ukuthi zaphefumulelwa nguMoya Ongcwele zabhalwa eTestamenteni Elisha. Umvangeli ocabindlela usebenzisa izindlela zeTestamente elisha zokuvangela ezinsukwini zamanje uma esebenzisa lendlela.

- I. Umvangeli Ocabindlela NoMoya Ongcwele**
- II. Umvangeli Ocabindlela Nomthandazo**
- III. Umvangeli Ocabindlela Nensindiso**
- IV. Umvangeli Ocabindlela Nobufakazi Bomuntu**
- V. Umvangeli Ocabindlela Nokuvangela Komuntu**
- VI. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Zingaholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Zasemakhaya Zingekho Izincwadi Zokufundisa**
- VII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Ngendlela Engesobala Kusetshenziswa Izinto Zokufundisa**
- VIII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Izindaba Ezinhle**
- IX. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Zokulandeliswa**
- X. Ukuxoxwa Kwezindaba ZeBhayibheli Ngu J.O.Terry**
- XI. Ukuxoxwa Kwezindaba ZeBhayibheli Ngu Jackson Day**

XII. Umvangeli Ocabindlela Nezinyathelo Zendlela Yokuvangela Kokuqalisa Imisebenzi Emisha

XIII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Liqalwa Kanjani Ibandla Elisha

BHEKISISA: Lengxenywe inikeza izibonelo eziyisithupha ezehlukene zokw ethula ivangeli: ubufakazi bomuntu, ukuhlephulelana omunye nomunye icebo lensindiso, izifundo zeBhayibheli zingekho izinto zokufundisa, izifundo zeBhayibheli kusetshenziswa indlela, ukuxoxwa kwezindaba ngu J.O. Terry nokuxoxwa kwezindaba ngu Jackson Day. **LOKHU AKUSILO UHLELO. LEZI YIZIMISO ONGAZISEBENZISA NGEMPELA UZIQONDANISE NESIKO LAKHO.**

I. Umvangeli Ocabindlela noMoya Ongcwele

Umpostoli uPawulu wayencike ngokuphelele kuMoya Ongcwele. KwakunguMoya Ongcwele ukuba abe namandla okushumayela umyalezo wensindiso kube nemiphumela emkhulu, enze izimangaliso ezinkulu, aqale amabandla amasha. Uma umvangeli efuna ukuba nemiphumela emihle enkonzweni yakhe, kumelwe ancike kuMoya Ongcwele ngezikhathi zonke.

Lapho engena edolobheni ethintana nabantu abalangazelayo.

UMoya Ongcwele uvula iminyango ngezindlela eziningi ezahlukene, nabantu, nezimo ukuze kuqaleke imisebenzi emisha. Abantu abalangazelela ivangeli bakhona kuwo onke amadolobha. UNkulunkulu uyasebenza yonke indawo. UMoya Ongcwele uvula izinhliziyi zabalahlakile; ababonise izono zabo, abanikeze ukuzalwa okusha enkazimulweni kaJesu Kristu. UMoya ONGcwele uyadingeka ekuqaleni umsebenzi omusha.

Lapho kuholwa izifundo zeBhayibheli zasekhaya.

Ngesikhathi semihlangano umvangeli uyothola ithuba lokuthola abaholi abaqhamukayo abaqeqeshe. Umpostoli uPawulu wayengena edolobheni ahlale amasonto amabili noma amathathu, azuze imiphfumulo, athole abaholi bendawo, bahole ibandla elisha. Umvangeli ocabindlela lapho ezokhulisa abaholi bendawo kufanele ancike kuMoya Ongcwele.

Lapho kwakhiwa ibandla elisha.

Ibandla ngelikaMoya Ongcwele. Ungumthombo walo. Uma-ke ibandla livela kuMoya Ongcwele, uyolipha iziphiwo zikaMoya ezidingekayo empilweni yalo. Leziphiwo zitholakala encwadini 1 kwabaseKorinte 12, kwabas eRoma 12:6-12 no 1 kaPetru.

Lapho ephuma edolobheni.

Umvangeli ocabindlela kufanele athemebele kuMoya Ongcwele lapho esuka kulelolobha ukuthi uzoqhubeka nomsebenzi. Lapho umpostoli esuka kulawamadolobha, umsebenzi wayewushiyela ezandleni zabaholi bendawo, empeleni wayewushiya ezandleni zikaMoya Ongcwele.

Ukwenza umsebenzi kaKristu kudingeka umvangeli abenesibindi, agcwaliswe nguMoya Ongcwele. Funda kwabase-Efesu 5:18 “Ningadakwa yiwayini, kuvela kulo umhumheko, kodwa nigcwaliswe ngoMoya.”

1. Ubunjalo bukaMoya Ongcwele

Umoya Ongcwele **ungunaphakade**. (kumaHeberu 9:14)
Umoya Ongcwele **usezindaweni zonke**. (AmaHubo 139:7-10)
Umoya Ongcwele **unamandla onke**. (ngokukaLuka 1:35)
Umoya Ongcwele **unokwazi konke**. (ngokukaJohane 14:12, 26)

Lezizimo ezine zichaza ubuNkulunkulu. NguNkulunkulu kuphela ophakade, usezindaweni zonke, onamandla onke, onokwazi konke.

2. Umsebenzi kaMoya Ongcwele kumuntu olahlekile

Umoya Ongcwele ufakaza ukuthi uJesu uyiqiniso.

(ngokukaJohane 15:26-27)

Umoya Ongcwele uqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela. (ngokukaJohane 16:8-11)

3. Umsebenzi kaMoya Ongcwele kumKristu.

-Umoya Ongcwele unika umKristu ukuqiniseka ngokuphila okuphakade. (2 kwabaseKorinte 1:22, kwabase-Efesu 1:13, 14)

-Umoya Ongcwele wenza umKristu abe-musha. (kuThithu 3:5)

-Umoya Ongcwele ukhulula umKristu emthethweni wesono nowokufa. (kwabaseRoma 8:2)

-Umoya Ongcwele unika umKristu ukuqiniseka emandleni kumuntu ongaphakathi. (kwabase-Efesu 3:16)

-Umoya Ongcwele wenza umKristu ukuba abe musha, amkhulule ukuba afakaze. (Izenzo 1:8)

4. Ukugcwaliswa nezithelo zikaMoya Ongcwele

Kwabase-Efesu 5:18 kuyala ukuba onke amaKristu agcwaliswe nguMoya Ongcwele. Ziyini izithelo zikaMoya.

KwabaseGalathiya 5:22-23 kuthiwa izithelo zikaMoya ziluthando, nokujabula, nokuthula, nokubekezela, nobubele, nobuvi, nokukholeka, nobumnene, nokuzithiba. Injongo yokugcwaliswa nguMoya Ongcwele ukwaba izwi likaNkulunkulu ngesibindi. (Izenzo 4:29, 31)

5. Kufanele abe njani umuntu ukuze agcwaliswe ngoMoya Ongcwele

-Umuntu kufanele asindiswe. (Izenzo 2:38)

-Umuntu kumelwe avume zonke izono azaziyo ezisempilweni yakhe. (1 ekaJohane 1:9, AmaHubo 66:18)

-Ngokukholwa cela uMoya Ongcwele akugcwalise, ubuswe nguye. (1 ekaJohane 5:14- 15, kwabaseRoma 1:17)

-Mlalele uNkulunkulu ngezikhathi zonke izinsuku zonke. (Izenzo 5:32)

ISIGCINO

Usahlola lengxenye sikukhuthaza ukuba uthathe isikhathi ubuka ngalinye lalamavesi alandelayo, uvumele uMoya Ongcwele akhulumisane nawe ngawo.

Ikholwa linoMoya Ongcwele esesimeni sogcobo (ekaJohane 2:20, 27; 2 kwabaseKorinte 1:22), esesimeni sesibambiso (2 kwabaseKorinte 1:22; kwabase-Efesu 1:13), esesimeni sesibambiso (2 kwabaseKorinte 1:22; kwabase-Efesu 1:14), esesimeni sombhaphathizo (1 kwabaseKorinte 12:13a), esesimeni sophuzo (1 kwabaseKorinte 12:13b; ngokukaJohane 4:14, 7:37-39a).

Kufanele simlalele lowo ositshela ukuba “siye emhlabeni wonke sishumayele ivangeli kukho okudaliweyo” (ngokukaMarku 16:15). Kufanele silihthande izwi lakhe ngoba sihlanziwe ngaye (ngokukaJohane 17:17).

Kumele sisebenze ekuvuneni kweNkosi ngesibindi nangenjabulo ngoba usebenza ekithi (kwabaseFiliphi 1:6; 2:13). Akuze kungenzeka kusweleke iziphiwo zikaMoya kumaKristu (1 kwabaseKorinte 1:7). Umoya oNgcwele uyasisebenzisa emsebenzini weNkosi ukwenza ngeziphiwo asiphe zona (1 kwabaseKorinte 12:4-6).

Kufanele simlalele uNkulunkulu lapho sizwa asiyala ngakho ezwini lakhe. Ngokwenza lokhu, umphumela kuyoba yizithelo ezivela kuye osebenza intando kaNkulunkulu ekithina (kwabaseGalathiya 5:22-26).

UKWENZA

Thandaza ungaphumiseli.

Cela uMoya Ongcwele embule noma yisiphi isono esisempilweni yakho.

Zivume zonke izono azilethayo emqondweni wakho.

Nikela impilo yakho kuye umlalele nsuku zonke.

II. Umvangeli Ocabindlela Nomthandazo

ISINGENISO

Akunakwenzeka ukuba ube ngumfundi kaJesu Kristu ungesiye umuntu womthandazo. Umvangeli ocabindlela kufanele acophelele ukuba isikhathi sokuba yedwa noNkulunkulu sibe yinto yokuqala empilweni yakhe nento ebaluleke phambi kwakho konke. Uma kungenjalo akasoze amazi uNkulunkulu ngokujulile, ngeke ahlale phansi kokuqondiswa nguNkulunkulu nokuba aveze izithelo zeqiniso zokomoya.

Ngicela ubheke izinhlobo eziyisishiyagalombili zomthandazo ezingenziwa ngenkathi sisodwa noNkulunkulu.

1. Indumiso

IBhayibheli kumaHubo 48:1 lithi, “Mkhulu uJehova, udunyis wa kakhulu...” KumaHubo 34:1-3 kuthi, “Ngiyakubonga uJehova ngezikhathi zonke, ukudunyiswa kwakho kuyakubasemlonyeni wami njalonjalo. Umphefumulo wami uyakuzibonga ngoJehova; abathobekileyo bayakukuzwa bajabule. Mtuseni uJehova kanye nami, siphakamise igama lakhe kanyekanye.”

SiyamdumisauNkulunkulu ezinkonzweni zethu ngesonto. Kepha-ke senzenjani esikhathini sethu sokuba sodwa noNkulunkulu phakathi koMsombuluko neSonto? KumaHubo 22:3, kuthi “Kepha wena ungoNgcwele ohlezi ezibongweni zika Israeli.

Yini indumiso? Indumiso ukuphakamisa nokumusho ukuthi uNkulunkulu ungubani. Ukubonga kusho ukumbonga uNkulunkulu ngalokho asenzele khona. Ukudumisa ukuphakamisa isimilo nobunjalo bukaNkulunkulu.

NgokweBhayibheli uma umuntu edumisa uNkulunkulu kufanele aqoqe umqondo wakhe nentando yakhe nemizwa yakhe akunikele kuNkulunkulu. Akukubi ukuveza imizwa yakho uma usenkonzweni yendumiso lapho udumisa uNkulunkulu. Ukuthi akulungile kungafana nokuthi umuntu akanakuwusebenzisa

umqondo wakhe nentando yakhe. Umuntu unomzimba nomphfumulo (**umqondo, intando nemizwa**) nomoya (1 kwabaseThesalonika 5:23).

Kunomehluko omkhulu phakathi kwemizwa enomqondo nokusangana. Ukusangana kusho ukulahlekelwa yimizwa enomqondo. Uma lokho kwenzeka enkonzweni uyaphuma emqondweni weBhayibheli. IBhayibheli alikuvimbela ukusebenza kwemizwa ngendlela enomqondo kodwa liyamelana nokukhonza ngokusangana.

Nansi imibono eyingcosana ekhombisayo ukuthi umuntu angamdumisa kanjani uNkulunkulu esikhathini sokuba yedwa naye:

A. Hlabelela kuNkulunkulu usebenzise iculo noma incwadi yamaKristu yokuhlabelela

Uma Kukhona abanye abantu endlini lapho ukhuleka khona ungawafunda amazwi eculo ngenhliziyo kuNkulunkulu. Nasi isibonelo seculo eligcwele indumiso “Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele.”

Funda ivesi lokuqala, ume, ucabange, uzindle ngamazwi. Dumisa uNkulunkulu ngalokho okufundile. Ngemuva kokwenza lokho funda ivesi lesibili wenze khona lokho eculweni lonke. Esihlokweni sokuphakathi samaculo kunohla lwamaculo endumiso.

B. Hlabelela noma ufunde amakhorasi endumiso

Kwabase-Efesu 5:19-20 kuthi, “Niphendulane ngAmaHubo nangezihlabelelo nangamaculo okomoya, nihubelele, nihubelele iNkosi yenu, nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.” Yiba neqiniso lokuthi amakhorasi ayavumelana nokushiwo yiBhayibheli.

C. Funda izindima zomkhuleko eBhayibhelini, uthathe ivesi ngevesi uliqondanise nawe

KumaHubo 8:1 kuthi, “Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke! Wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.”

Ukuliqondanisa nawe lelivesi vele ufake igama lakho. Kanje, “Jehova ‘wami’ Nkosi” liyababazeka kangaka igama lakho emhlabeni wonke! Wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.” Funda kanye ivesi ngalinye njengalokho linjalo eBhayibhelini lifunde lona lelovesi uliqondanise nawe wenze indumiso kaNkulunkulu.

Ezinye izahluko ezivumelana naluluhlobo lokudumisa yilezi: AmaHubo 8, 9, 19, 65, 92, 104, 139; imithandazo kaJesu nomphostoli uPhawulu; izahluko eziningi zitholakala encwadini yesambulo. Enye indlela yokuthola izngxenywe zendumiso emibhalweni ukufunda igama lendumiso kuyikhonkodensi.

Indumiso yingxenywe ebalulekile empilweni yokomoya yalowo nalowo okholwayo ukuze akhule. Funda isambulo 4 no 5 ukuba uthole ukuthi kuyobe kwenziwani ezulwini.

2 Ukuvuma

Akudingekile ukuchitha isikhathi eside ukuvuma izono. Uma senze izono uMoya oNgcwele ukhulumisana nathi ngaso lesosikhathi athinte unembeza wethu maqondana nesono sethu. Ukuvunywa kwesono kufanele kwenziwe ngaso sona lesosikhathi uMoya oNgcwele asithinta ngaso. IBhayibheli kweka 1 Johane 1:9 kuthi “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi. Ngesikhathi sethu sokuba sodwa noNkulunkulu uMoya oNgcwele angahle asikhumbuze ngezono ezingavunywanga. Mhlawumbe uyosikhumbuzela ngesimo esibi esisenze kothile, ukuthukuthela, noma ukubaba. Kulokhuke kufanele sivume izono ezisenhliziyweni zethu.

3 Ukubonga

IBhayibheli kwabaseFiliphi 4:6 lithi, “Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke, izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga.”

Ukubonga kungukubonga uNkulunkulu ngalokho asenzele khona. Njengokuthi “Ngiyabonga Nkulunkulu ngempilo yami nangokudla, nangomndeni.”

4 Ukuzwa Iphimbo LikaNkulunkulu

IBhayibheli kumaHubo 62:5 lithi, “Mphfumulo wami, zithulisele kuNkulunkulu kuphela ngokuba ithemba livela kuye.” AmaHubo 46:10 athi “Thulani niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu...”

Silizwa kanjani iphimbo likaNkulunkulu?

Ukukhuluma usebenzisa izindlela ezimbili ukhulumisana nabakholwayo imihla ngemihla: uMoya oNgcwele nezwi lakhe. KwabaseRoma 10:17 kuthi, “Ngalokho-ke ukukholwa kuza ngokuzwa, ukuzwa kuvela ngezwi likaKristu.”

IBhayibheli liyincwadi yothando evela kuNkulunkulu. Isifiso sikaNkulunkulu singukukhulumisana nomuntu wonke, nsuku zonke ngezwi lakhe nangoMoya oNgcwele. Nazi izindlela ezimbalwa zokuzwa iphimbo likaNkulunkulu:

- A. Qala ngokufunda incwadi ethile yeBhayibheli. Umbono wethu ukuba ufunde kuqala eyaKwabase-Efesu.
- B. Cela uNkulunkulu akubonise amaqiniso okomoya kulelo nalelovesi noma naleso sigatshana. Njengalokhu, kwabase-Efesu 1:1 kuthi, “UPhawulu umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele abase-Efesu nakubo abakholwa nguKristu Jesu.
 - 1) UPhawulu uyikholwa nomphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu.
 - 2) Wakhethwa ngentando kaNkulunkulu.
 - 3) Igama elithi “abangcwele” liqondiswe kumaKristu ase-Efesu.

- 4) LamaKristu ayethembekile kuKristu Jesu.
- C. Lelo naleloqiniso liqondanise nawe. UNkulunkulu ukhuluma nomfundi ngalamaqiniso. Njengokuthi uNkulunkulu utshela mina lamaqiniso amane akwabase-Efesu 1:1:
- 1) Tomase ungumfundi kaJesu ngentando yami.
 - 2) Tomase ngakukhetha ngentando yami.
 - 3) Tomase lapho uhlala khona eBelo Horizonte eBrazil ungongcwele.
 - 4) Tomase ngifuna wethembeke kuKristu Jesu.

5. Lichaze Ngamazwi Akho Izwi LikaNkulunkulu

Umvangeli ocabindlela angasebenzisa ivesi ukukhuleka kuNkulunkulu elikwabase-Efesu singathi, “Baba othandekayo, Nkulunkulu wami ngiyakubonga Nkosi, ngokuba wena Nkosi ungibizile ukuba ngibe umfundi kaJesu Kristu. Ngiyakubonga Nkosi ngoba ngingongcwele wakho. Ngingokhethiweyo nguwe. Baba isifiso sami ukuba ngibe ngowethembekileyo kuKristu. Ngiyakhuleka egameni likaJesu Amen!”

Emva kokuba usuziqedile lezizinyathelo ngevesi lokuqala, dlulela kwelesibili njengalokhu kade wenza, uqhubeke nesahluko sonke.

6. Ukunxusa

IBhayibheli kwabase-Efesu 6:18 lithi, “Ngokukhuleka konke nokunxusa, nikhuleka ngezikhathi zonke ngoMoya, kulokho nilinde ngesineke sonke nangokunxusela abangcwele bonke.”

Ukunxusa umkhuleko wokukhulekela abanye. Abantu abaningi banephepha elin gabhalwe lutho ekugcineni kwamaBhayibheli abo. Lehlukalise lelikhasi izigaba eziyisishiyagalombili noma mhlawumbe usebenzise inothibhuku ubhale uhla lwabantu ofuna ukubakhulekela.

Kanjena, phezulu nekhasi bhala igama elithi “**Imihla ngemihla**,” bese ubhala igama lowakwakho, izingane, abazali, abafowenu nabanye. Lababantu bayizihlobo eziseduze zegazi.

Ekhasini elilandelayo noma esikhaleni esilandelayo bhala igama elithi “**iSonto**.” Phansi kwaleligama bhala uhla lwabantu oyobakhulekela ngalolusuku lwaleliviki. Khulekela umfundisi wakho nomkakhe nothisha kasontosikole noma abafundi bakho.

Qhubekela kwelinye ikhasi noma kwesinye isikhala ubhale igama elithi, “**uMsombuluko**” Leli yikhasiozobhala kulo abomndeni wakho nabangane.

Ekhasini elilandelayo noma esikhaleni esilandelayo phezulu uzobhala igama elithi, “**oLwesibili**.” Kulolusuku khulekela abalahlekileyo.

“**Olwesithathu**” luyobaphezulu kwelinye ikhasi noma isikhala. Phansi kwalo uyobhala amagama ezithunywa zenkolo, abaholi benhlangano yamasonto, abaholi bebandla lenu noma abanye ofisa ukubakhulekela.

Ekhasini elilandelayo noma esikhaleni esilandelayo bhala igama elithi “**Olwesine**.” Kulelikhasi bhala amagama abaholi bendawo yakini 1 kuThimothewu 2:1-2, “Ngakho-ke kuqala kukho konke ngiyala ukuba ukunxusa, nokukhuleka, nokucela nokubonga kwenzelwe abantu bonke, amakhosi nabo bonke abakhulu ukuze sihlale kahle nangokuthula ngokumesaba uNkulunkulu nangesizotha esipheleleyo.”

Ekhasini elilandelayo noma esikhaleni esilandelayo bhala igama elithi “**oLwesihlanu**.” Kulesisikhala noma lelikhasi bhala amagama abalahlekileyo.

Ikhasi elilandelayo libhalwe “**uMgqibelo**.” Kululuhla bhala amagama abangane nabazalwane okhona kanye nabo nomsebenzi othile ophakathi kuwo.

Uma umvangeli ocabindlela enza lokhu uyokhulekela abantu abaningi ngeviki. Abanye abantu bakholwa ukuthi kwabaseRoma 16 kuwuhla lukaPhawulu lomkhuleko, amakristu ayewakhulekela eRoma.

UHLA LOMKHULEKO LOKUNXUSA

UMKHULEKO:

INDUMISO, UKUVUMA, UKUBOGA, UKUNXUSA, UKUCELA.

IMIHLANGEMIHLA	ISONTO	UMSOMBULUKO	ULWESIBILI
Owakwako, Abantwana, Abazali nozalo	Abaholi bezifundo zeBhayibheli Abaholi bezomoya nemindeni yabo	Abaqashi, Izinkampani, Umphathi, Osebenzanabo	Abalahlekile nabangane

ULWESITHATHU	ULWESINE	ULWESIHLANU	UMGQIBELO
Umvangeli nabaholi bamakristu	Abasiphetheyo 1 kuThimothewu 2:1-2	Amakholwa adangele nemisebenzi ethile	Ezinye izihlobo eziseduze, Nemindeni eqhutsheziwe

Ukusebenzisa loluhla kuyokwenza ukhulekele abantu abaningi
imihla ngemihla

Pr. Gilberto Penido Bertho

7. Ukuzindla Nemibhalo Yokukhunjulwa Ngekhandla .

IBhayibheli kuJoshuwa 1:8 lithi, “lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho, kepha wozindla ngayo imini nobusuku ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo, ngokuba lapho uyakuhlahlamelisa indlela yakho, uphumelele kahle.”

Lelivesi lithi ukuzindla ngezwi likaNkulunkulu imini nobusuku kuveza impilo eguquliwe. KwabaseRoma 8:29 kuthi injongo kaNkulunkulu ukwenza umvangeli ocabindlela abe ngumfanekiso kaJesu Kristu. Umbuzo nokho nanku, sizindla kanjani ngomthetho kaNkulunkulu imini nobusuku na? Sizindla kanjani ngezwi likaNkulunkulu lapho silele na?

- A. Khetha ivesi eBhayibhelini iviki neviki.
- B. Lifunde ivesi kwingqikithi yenkulumo yalo.
- C. Mcele uNkulunkulu akukhombise amaqiniso okomoya alo lelivesi.
- D. Thandaza ngalo lelivesi uliqondanise nawe.
- E. Libhale lelivesi oqwembeni ufake isahluko nevesi elitholakala kuso.
- F. Lifunde levesi izikhathi eziningi ngosuku. Kwenze lokhu ngenkathi ulinde kolayini noma ngesikhathi sakho sokuthandaza buthule, kepha khumbula ulikiphe ulifunde uqwembe lwakho, kungabi ngaphansi kwezikhathi eziyisihlanu.
- G. Into yokucina oyenzayo njalo ebusuku ukulifunda lelivesi. Lokhu ukwenzela ukuba ligcineke emqondweni wakho.

8. Ukucela

IBhayibheli kumaHeberu 4:16 lithi, “Ngakho-ke masisondele ngesibindi esihlalweni somusa ukuba samukelisewe isihawu, sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo.” Ukucela kungukuletha ezakho izidingo kuNkulunkulu.

III. Umvangeli Ocabindlela Nensindiso

Izinkolo zakho zandulela izenzo zakho njalonje. NgokukaMathewu 12:34 kuthi, “Ngokuba umlomo ukhuluma ngokuchichima kwenhliziyo.” Umvangeli kumele aziqonde izimfundiso zokuqala zeTestamente Elisha. Lokho umvangeli akukholwayo maqondana neBhayibheli, nensindiso, nenkonzo kanye nebandla kuphathelene nempumelelo yokukhonza kwakhe. Ukukholwa komuntu maqondana nensindiso kuvela entshumayelweni yakhe. AmaKrestu amaningi awakwazi ukuphendula imibuzo ngisho eyokuqala maqondana neBhayibheli.

1. Yini iVangeli? (Bhala ngomsizi impendulo yakho uchaze ngokwesifundiso seBhayibheli.)

Ukuthola incazelo yevangeli eBhayibhelini, funda 1 kwabaseKorinte 15:1-4.

2. Yini ukuphila okuphakade? (Bhala ngomsizi impendulo yakho, eyisifundiso seBhayibheli.)

Ukuthola impendulo eBhayibhelini yokuphila okuphakade, funda ngokukaJohane 17:3.

Kusemqoka kakhulu ukuba umvangeli abe nokuqonda kokuthi insindiso iyini ngokusho kweTestamente Elisha. Njengalokhu ibandla leTetamente Elisha lakhiwe ngabantu abasindisiweyo. Indaba yensindiso kumvangeli iyisifundiso

nesisekelo emisebenzini yakhe. Umvangeli akanawo omunye umsebenzi uma engakholwa ukuthi abantu abangenaye uKristu balahlekile futhi ingunaphakade labo bazolichitha esihogweni. **Uyakukholwa lokho ngempela na?** Umvangeli futhi kumelwe akuqonde ukuthi umuntu ongenaye uKristu wehlukene noNkulunkulu, impilo yabo igcwele ubulukhuni, isizungu, ukwesaba, icala, futhi kukhona ukungabi nalutho okuhlezi phansi ekujuleni komoya wakhe.

Indaba esemqoka kakhulu isifundiso sokwahlulela kokugcina. Kukhona amasiko asebenzisa imimoya, imfundiso ukutholakala kwemizimba emisha idlangile. UJesu wafundisa indaba yokuvuka hhayi ukutholakala kweminye imizimba. KumaHeberu 9:27 kuthi, “Futhi njengalokhu kumisekwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa.”

NgokukaLuka 19:10 uJesu uthi weza ukufuna nokusindisa okulahlekileyo. Lokhu kungumsebenzi womvangeli futhi. Abantu balahlekile uma bethembele kunoma iyiphi enye into engesiye uKristu. KwabaseGalathiya 2:16 kuthi, “Kepha lokhu sazi ukuthi umuntu kalungisiswa ngemisebenzi yomthetho, kuphela ngokukholwa nguKristu Jesu, nathi sakholwa nguKristu Jesu ukuba silungisiswe ngokukholwa nguKristu Jesu, kungengemisebenzi yomthetho, ngokuba ngemisebenzi yomthetho akuyikulungisiswa nyama.”

Njengalokhu kubalulekile kumvangeli ukwazi ukuthi abantu abalahlekile abasindisiwe, nayeke olahlekile. Akufanele sijabulele ukuthi abantu bathatha izinqumo ngoJesu kugcine lapho, kodwa kufanele sibenze abafundi. Kufanele sihlanganise abasandakuphenduka nomsebenzi webandla, siqeqeshe abaholi bendawo, sakhe ibandla elizibusayo nelizixhasayo, nelizandisayo ngaphansi kokuhola kukaMoya Ongcwele.

Ngakho-ke kubalulekile ukuba umuntu aqonde kahle ukuthi umelwe ukwenzani ukuze asindiswe. Umuntu akasindiswa engaphendukanga ezonweni zakhe abeke ithemba lakhe kuJesu Kristu amenze iNkosi noMsindisi wakhe. Umvangeli kumele enze konke okusemandleni akhe abe neqiniso lokuthi abantu baqonda kahle ngokulahleka kwabo futhi bazi ukuthi kumde benzeni ukuze bamukele uKristu.

Okokuqala- kumele aphenduke ezonweni zakhe. Yini ukuphenduka? Igama elithi “ukuphenduka” lisho ukuguqula impilo yakho ibheke endleleni kaJesu Kristu, kushintshe nomqondo (imicabango). Ukuguqula umqondo, ukufulathela izono zakhe umuntu aphendukele kuJesu kusho ukubona ukuthi umuntu kade eziphathele impilo yakhe bese efuna ukunikela ukuphathwa kwempilo yakhe kuJesu. Kusho ukunikela impilo yakhe kuJesu Kristu. Ukuphenduka ngukushiya izono zakho (impilo oziphathele yona) nokunikela impilo yakho kuJesu abe yiNkosi noMsindisi.

Okwesibili- kumele akholwe kuJesu amenze kube nguye yedwa uMsindisi noMlamuleli. Lokhu kungaphezu kokwazi amaqiniso ngoJesu Kristu ngengqondo. IBhayibheli kwekaJakobe 2:19 lithi namadimoni ayakholwa amaqiniso kaJesu.

Igama elithi “ukholo” noma “ukukholwa” ngesiGriki liwu “Pistis” lisho ukuthi umuntu anikele impilo yakhe kuKristu ukuze abemunye naye. Noma yini engaphansi kwalokhu ayisikho ukukholwa kweqiniso. Inkinga enkulu ukuthi abantu abaningi bakholwa yimi lando eqinisileyo ngoJesu ngezingqondo zabo. Umsebenzi wethu ukubonisa abantu umehluko phakathi kokukholwa kweqiniso, ukukholwa okusindisayo nalokho kwamanga.

Ukukholwa kweqiniso akubeki ithemba kwenye into ukuze umuntu asindiswe. Njengokuthi umuntu kumele ayeke ukwethemba imisebenzi yakhe emihle, impilo yakhe enhle, izithombe, ubuntombi bukaMariya, izingelosi, nabangcwele abeke ithemba lakhe ngokupheleleyo kuJesu Kristu, ukuthi nguye kuphela uMlamuleli, noMsindisi neNkosi.

UCharles Brock encwadini yakhe ethi Incwadi Ekhuluma Ngokuqalisa Amabandla (Indigenous Church Planting) uthi ukuchazwa kwensindiso okungayithinti indaba yezono, ukuphenduka nokukholwa kuyokwenza abantu benkolo, kodwa ngeke kulenze ibandla. Wonke umvangeli ocabindlela kumele alandelelele ukuhola kukaMoya oyiNgcwele ngoba nguyena kuphela okwazi ukubonisa umuntu ezonweni zakhe. Umvangeli kumele abanikeze ivangeli leqiniso nelipheleleyo likaKristu ngamandla kaMoya oNgcwele ukuba asebenze ezinhliziyweni zabantu nokuba aveze isithelo esizohlala.

IV. Umvangeli Ocabindlela Nobufakazi Bomuntu

Injongo yobufakazi ukuhlephulelana nabanye izinto ezenzeke kuwe. Kulula ukuphikisana ngezinto ezenzeke kwabanye abantu kodwa akulula ukuphikisa umuntu ngezinto ezenzeke kuye. Ku Izenzo 22:1-16 ne Izenzo 26:9-23, umphostoli uPawulu uchaza indaba yokuthi wamamukela kanjani uKristu nokuthi kwenzekani emva kokuba esemtholile.

- 1. Izinto okumele uzikhumbule lapho wethula ubufakazi**
 - A. Benze bube bufushane (isikhathi esilinganiselwa emizuzwini emibili).
 - B. Khumbula ukuthi injongo ukukhombisa olahlekile ukuthi wamthola kanjani uKristu. Ivangeli liyochazwa kamuva.
 - C. Ungashumayeli.
 - D. Ungachazi icebo lensindiso ngalosisikhathi
 - E. Ungenzi isimemo okwamanje.
 - F. Ungasebenzisi amagama angaqondene. Njengokuthi nje “Ngabhaphathizwa” umuntu ongakholwa angase acabange ukuthi kumelwe ubhaphathizwe ukuze usindiswe. Kungcono uthi “Ngobusuku obuthile ngamamukela uJesu wangena enhliziyweni yami” noma “Ngamethemba uKristu yena yedwa ukuba nguMsindisi neNkosi yami.”
 - G. Sebenzisa amavesi eBhayibheli uma ufisa.
 - H. Bhala ubufakazi bakho phansi. Amagama ozowasebenzisa angadluli ku 250 noma 350.
 - I. Gcina ubufakazi bakho ngalamazwi:
 - 1) Manje ngineqiniso lokuthi nginokuphila okuphakade.
 - 2) Ngicela ukukuchazela ngeBhayibheli ukuthi unganaso kanjani isiqiniseko sokuthi unokuphila okuphakade.

2. Ubufakazi

Phendula lemibuzo elandelayo yokusiza ukubhala ubufakazi bakho.

A. Yayinjani impilo yami ngaphambi kokuba ngazane noJesu? Yisho ukuthi wawunjani, impilo yakho nezono zakho. (Izenzo 22:1-5, 26:4-11)

B. Ngasibona kanjani isidingo sami ngoJesu? (Izenzo 22:6-8, 26:12-15)

C. Ngamamukela kuphi, kanjani uKristu? (Izenzo 22:6-10, 26:13-18)

D. Impilo yami isiyehluka kanjani selokhu ngamamukela uKristu? (Izenzo 22:10-21, 26:19-23)

E. Isigcino:

Njalo-nje gcina ngalamazwi, “Manje ngineqiniso lokuthi nginokuphila okuphakade. Angikuchazele ukuthi iBhayibheli lithi ungaba naso kanjani isiqiniseko sokuphila okuphakade?”

Manje-ke usulakhile ibhuloho phakathi kwakho nalomuntu olahlekileyo. Manje usucela imvume yokuliwela lelibhuloho ungene empilweni yakhe. Angathi “yebo” noma athi “cha.” Uma evuma, ungabe usuyamtshela ngevangeli. Uma ethi “qha” ungamcela ukuba ubhale igama lakhe eBhayibhelini ukuba libe yisikhumbuzo sokuba umkhulekele nsuku zonke.

V. Umvangeli Ocabindlela Nokuvangela Komuntu

Lendlela kufanele isetshenziswe lapho ithuba lingekho lokuqalisa izifundo zeBhayibheli, lena kuyiyona ndlela nethuba kumvangeli. Kepha-ke uma ungabuya uzokwenza izifundo zeBhayibheli zasemakhaya ungayisebenzisi lendlela. Asifuni ukusheshisa labo abangakalungeli ukwamukela uKristu.

QAPHELA: LENDLELA IFANELE UKUSETSHENZISWA KUBANTU ABAMASIKO ABO APHATHELENE NOBUKRISTU ABAVELE BEAZI IZINTO ZENKOLO YOBUKRISTU. KULENCWADI SISEBENZISA EZINYE IZINDLELA KUBANTU ABAMASIKO ABO ANGAHLANGANI NOBUKRISTU.

Sifuna ukukugcizelela ukuthi lendlela iyohluka kakhulu kwenye ngoba ihambisana kakhulu nesiko. Sinamasu athile esivaqokayo achaza ukuthi kungenwa kanjani ekhaya, ukuba uthole ukulalelwa nokunye. Lokhu kwehlukana kakhulu emasikweni noma ekuvulekeni kwalowomphakathi uvulekela ubuKristu. (maqondana nezindaba zokuphepha). Njengokuthi, amaMelika akhuluma isiLathini, nabaseYurophu nempumalanga neningizimu ye Afrika lapho kunokunaka nokuqonda ngobuKristu lendlela eshiwo lapha inempumelelo enkulu. Ngakho-ke nazi ezinye izinto ezingasiza kwamanye amasiko uma zilandelwa.

**KHUMBULA: LENDLELA IYOSETSHENZISWA
KUPHELA LAPHO UNETHUBA ELILODWA UKWABA
IVANGELI. UMA UKWAZI UKUBUYA MASONTO
ONKE WENZE IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI
EMAKHAYA NOMA NENDLELA YOKUXOXA INDABA
KUBONAKALA UNGALEDLOLISA IVANGELI,
SELULEKA KAKHULU USEBENZISE LEZO
ESIKHUNDLENI SOKWABA IVANGELI NGOKUFIKA
KWAKHO KOKUQALA. NOKHO-KE UMA UNETHUBA
ELILODWA YENZA NAKHU OKULANDELAYO.**

1. Izinto eziyisithupha okumele uzenze lapho uvakashile:

- Zama ukuthola isibindi nobungane bomuntu ongakholwa.
- Bona isimo sempilo yakhe yomoya. Buza nansi imibuzo elandelayo. “Uma bekwenzeka ukuba ufe ebusuku, uyazi ukuthi unakho ukuphila okuphakade na? Chaza indlela yokusindiswa.
- Mmeme ukuba amukele uJesu abe yiNkosi noMsindisi wakhe.
- Mmeme ukuba eze ezifundweni zeBhayibheli oyozenza ngesikhathi esilandelayo.
- Thola isiqiniseko sokuthi uvumelekile ukuba abuye ngesikhathi esilandelayo.
- Akusho ukuthi bonke abantu bayomamukela uJesu abe yiNkosi noMsindisi kodwa kubalulekile ukuba wakhe ubuhlobo nakulabo abangamamukelanga.

2. Lapho kungafanele khona ukuba ungene ekhaya:

- Mhla abantu bomndeni behlangene nabakude bebuthene.
- Mhla indlu igcwele ezinye izivakashi. Uma kunjalo, vele uthi, “Ngingabuya nangesinye isikhathi.”
- Uma umndeni ulungiselela ukuhamba.

3. Ungamenza kanjani ukuba abe nesasasa:

Uma ubona ukuthi umuntu ngenkathi ofika ngayo umqondo wakhe uthathekile ngezinye izinto, njengokubuka iTV, linda uhlelo luze luphele noma uhambe ubuye emva kwesikhashana. Nokho ezikhathini eziningi into ebalulekile ukuba uzame ukuxoxa naye ngezinye izihloko. Uma ubona ukuthi unake kakhulu ukukhulma nawe iTV ungamtshela athi ukwehlisa umsindo umdedele ayicishe. Ungalokothi ucime iTV ngaphandle kwemvume.

4. Umsebenzi weqembu (uma umvangeli engeyedwa):

- Umholi weqembu uyohola uhambo.
- Amalungu eqembu ayoba semthandezweni abele njengokucelwa kwawo ngumholi weqembu.

5. Umsebenzi wamalungu eqembu:

- Ukuhlanganyela ekuqaleni kwengxoxo.
- Ukusiza ukwethula ubufakazi babo (ngokucelwa ngumholi).
- Ukuchaza izigaba zensindiso njengokuhlelwa kwazo ngumholi weqembu.
- Ukusiza ezinganeni.
- Ukusiza ukuzuza abanye ekhaya.
- Ukukhuleka buthule.

6. Indlela yokungena ekhaya:

- Ukwethula iqembu. Umholi weqembu uyokwethula amalungu eqembu, asho ibandla lalo noma iqembu elifunda kulo

iBhayibheli, acele imvume yokungena. Kanje, “sanibona. Igama lami nginguJohane, igama lakhe nguMariya. Sivakashela abantu emphakathini wethu. Sicela ukungena sixoxe nani imizuzu emibalwa.”

- B. Khethani indawo ekahle nihlale phansi. Lowo okunguyena ozokhuluma kumele ahlale eduze nabasekhaya. Lokhu kuyakumvumela enze okulandelayo :
- 1) Athole ukuhlangana kwamehlo nomuntu akhuluma naye.
 - 2) Athole ukuxoxisana ngephimbo elijwayelekile.
 - 3) Afundisane nomuntu ivesi nevesi.
- Umthetho: Uma ulalela umuntu ekuqaleni uzuza ukulalelwa ekugcineni.

C. Xoxa izinto ezibajabulisayo enibavakashele.

Umthetho: Uma ulalela umuntu ekuqaleni uzuza ilungelo lokulalelwa ekugcineni.

7. Indlela yokuzethula

A. UMNDENI

Indawo enhle yokuqala ingxoxo ukuxoxa ngomndeni. Lena yindawo enhle yokuthola izinto ezejwayelekile. Umvangeli angaqala achaze ngowakhe umndeni bese ebuza imibuzo ngomndeni walona ongakhulwa.

Kanje:

-Bangaki abantwana onabo, mnumzane?

-Bathathu.

-Nami nginabo bathathu. Enye ingane ino 8 enye ino 10 enye ino 16. Zineminyaka emingaki ezakho?

B. IZINTO EZINGAMAGUGU

Usebenzaphi? Luhlobo luni lwenkampani? Wenza msebenzi muni lapho? O! Ngisebenza e..... nokunye.

C. IZINTO ESEDLULE KUZO EKUKHOLWENI

Usonta kuliphi ibandla? (Lombuzo ungalunga uma uwubuza kubantu abanamasiko angaxwayani nobuKristu.)
Noma nhloboni yenkolo okholwa kuyo?

D. IMIBUZO NGEPHAKADE

QAPHELA: Incazelo yemibuzo elandelayo ngephakade iyokwehlukana kakhulu phakathi kwamaHindu nabakwaBhuda nabakholelwa emimoyeni nencazelo kumaKristu njengamaRoma wona anamasiko abaziyo ubuKristu.

Kulamasiko konke okumayelana namagama asho uNkulunkulu, uJesu, izulu, isihogo, nokunye kumelwe kuchazwe emasikweni angamazayo uKristu.

Ukumchaza uNkulunkulu njengoMdali wezinto zonke noMoya onamandla kuvama ukuba isiqalo esihle sokuchaza ukuthi uNkulunkulu ungubani.

Ukunikwa kukaJesu umzimba wobuntu, nesizathu sakho kumelwe kuchazwe uma kukhulunywa ngaye. Njengokuthi izulu kubantu bakwaBhuda kusho ukubalekela izifiso zonke. KumaHindu kusho ukubalekela ukubuye uyoqala impilo kabusha. Eningini elikholelwa emimoyeni lingasho izinto eziningi, lingahlukaniseka nesihogo uma isizukulwane sakho sikwenzela imihlatshelo.

Emasikweni amaningi iBhayibheli akuyona incwadi enakiwe. Iningi labantu abangakazuzwa yivangeli abakaze bezwe ngeBhayibheli.

Engikwenzile mina uma ngifika isimo esinjalo ukuqala ngokuchaza ngokuthi iBhayibheli yincwadi asinike yona uNkulunkulu azembula kuyo. Abadinge kukukholwa lokho. Bangahle bangakhulwa kodwa uma bevuma ukulifunda nawe uMoya oNgcwele uyokwenza umsebenzi wakhe aqale ukulambula iqiniso kubo.

Ungalokothi uphikisane nabo ngokuthi liyizwi likaNkulunkulu noma qha. Vele ubanike lokho ukholo lwakho olumi kukho okholwa ukuthi kulotshiwe encwadini kaNkulunkulu olithokozelayo ithuba lokuhlephulelana nabo ngakho.

Kubalulekile ukuba umuntu azitholele ithuluzi indlela angayisebenzisa ukufakaza kulababantu asebenza kubo.

AMAQINISO EVANGELI AWAGUQUKI KEPHA INDLELA YOKUNGENA IYOHLALA ISHINTSHA IHAMBISANA NAMASIKO ALABOBANTU.

ISIBONELO: Kubantu abamasiko abo aphaathelene nobuKristu umuntu angasebenzisa lombuzo olandelayo. Kubantu abangazi lutho ngobuKristu angaqala ngendlela eyehlukile ngoba abantu abanakho ukuqonda ngezulu, bangahle bangabi nawo umqondo ofanayo ngeBhayibheli.

Abamasiko angaphathelene nobuKristu

Kuloluhlobo umuntu angabuza umbuzo oyisisekelo njengalona, “wazini ngoNkulunkulu, uthi ungubani.” Mlalele, bese ubuza ukuthi ungaziqhuba yini izifundo kanye naye. Izifundo lezi kungaba yizifundo zeBhayibheli noma ukuxoxa indaba ngezwi likaNkulunkulu.

Abamasiko aphaathelene nobuKristu

Ake ngikubuze umbuzo? Uma ungafa namuhla ebusuku uyazi yini ukuthi unokuphila okuphakade futhi uzokuya ezulwini na? (Ufunde lombuzo uze uwazi ngekhandu.)

Uma engaphenduli kahle qhubeka wethule ubufakazi bakho umnike ivangeli. Uma ephendula ethi, “nginaso isiqiniseko,” bese umbuza umbuzo, “Uma bekungenzeka kulesisikhathi ume phambi kukaNkulunkulu, akubuze athi kufanele ngikungeniseleni eZulwini lami? (Funda lelivesi ngekhandu) Ubungamphendula uthini

uNkulunkulu? (Funda lombuzo ngekhandu.) Uma engakwazi ukuphendula kahle, mnike ivangeli. Omunye umbuzo ongawubuza nanku, Usubakhile yini ubuhlobo noJesu Kristu noma uphezu komshikashika wokubakha ubuhlobo? ”

Kulona omasiko akhe awaphathelene nobuKristu ungaphinde ubuze ukuthi uyathanda yini ukufunda ngoMdali onguNkulunkulu owadala umhlaba ufunde nokuthi ungamazi kanjani empilweni yakho.

8. Ukufakaza

Emva kokubuza lemibuzo ngokuphila okuphakade, umvangeli angethula ubufakazi bakhe noma acele omunye weqembu athule obakhe. Angathi, “Mariya sicela usichazele ukuthi wamthola kanjani uJesu nokuphila okuphakade wakuthola kanjani.” Emva kwalobobufakazi umholi weqembu angashumayela ivangeli.

9. Imvume

Kulesisikhathi njalunjalo umvangeli kufanele acele imvume ngaphambi kokuba aqhubeka. Kufanele abuze lombuzo, “ake ngicele ukusho ukuthi iBhayibheli lithi lona singaba nakho kanjani ukuphila okuphakade na? ”

Okusemqoka: Khombisa inhlonipho njalo kubantu oze kubo.

10. Ukwabiwa kwEvangeli

Sebenzisa incwajana enjengalena “**UNGABANAKHO KANJANI UKUPHILA OKUPHAKADE**” noma nayiphi-ke incwadi enikeza ivangeli nokupheleleyo okulula futhi ukuyilandela. Kulabo futhi abamasiko angaphathelene nobuKristu kungathatha amasonto noma izinyanga ukuchaza lamaqiniso amqoka evangeli. Indaba ayikho ekutheni ukwenza kanjani kodwa isekutheni lamaqiniso akhona endabeni kungenandaba ukuthi usebenzisa yiphi indlela.

UNGABA NAKHO KANJANI UKUPHILA OKUPHAKADE

QAPHELA: Lana amaqiniso amqoka evangeli akunandaba ukuthi kukubantu abasimo sini. Isimo sabantu asinakulishintsha ivangeli. Okukhulumayo kuphela ngukuthi silaba kanjani ivangeli. Lamaqiniso adinga ukwabiwa ngandlela-thize ngalisulimbe andukuba umuntu amukele uKristu. Siqoka ukuba lamaqiniso abiwe ngesimo sezifundo zeBhayibheli ezithatha isikhathi eside noma ngendlela yokuxoxa indaba. Kulabo abamasiko abo aphantselene nobuKristu ungavele umnikeze ivangeli masinyane ngenkathi uhlangana naye. Akunandaba ukuthi umuntu usebenzisa yiphi indlela ekwabeni ivangeli kepha kudingeka awazi lamaqiniso amqoka evangeli.

1. Inhloso kaNkulunkulu ngempilo yakho

IBhayibheli kuncwadi ka 1 Johane 5:13 lithi, “Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwayo egameni leNdodana kaNkulunkulu.” Inhloso yevesi ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu ufuna ukunikeza isiqiniso eko sokuphila okuphakade ngenxa yothando lwakhe amthanda ngalo umuntu. Ukuphila okuphakade kuyizinto ezimbili:

1. Ukwazi uJesu Kristu ube nokuthula kwakhe enhliziyweni yakho manje usaphila. (Johane 17:3)
2. Ukuhlala phakade noJesu Kristu ezulwini emva kokufa. (Johane 14:1-3)

Ngokusho kweBhayibheli ungaba naso isiqiniseko sokuphila okuphakade.

Qaphela: Lezizinto zidinga ukuchaziswa kubantu abamasiko abo aphantselene, nangaphathelene nobuKristu, kungahle kuthathe isikhathi eside.

2. Isidingo Sakho

IBhayibheli kwabaseRoma 3:23 lithi, “Ngokuba bonke bonile, basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu.” Inhloso yalevesi ukukhombisa ukuthi sonke siyizoni. Yini isono? Isono ukungamlaleli uNkulunkulu. Njengokuthi, sonke sizenzile izono njengokuqamba amanga, ukuthukuthela nokubaba nokuhaha, nenkanuko nokuzindla. Uyabona yini ukuthi wonile? Yini umphumela wesono? IBhayibheli lithi kwabaseRoma 6:23 “Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi yethu.”

Inhloso yalevesi ukukhombisa ukuthi sonke sifanelwe ukufa ngenxa yezono zethu. Yini ukufa? Ukufa kusho ukwahlukana noNkulunkulu ngezindlela ezimbili.

Okokuqala, ukufa kusho ukwahlukana noNkulunkulu manje ekuphileni kwalomhlaba. Ukuphila ngaphandle kwenjabulo noma nokuthula emoyeni ngaphandle kwesiqiniseko sokuphila okuphakade ngaphandle kukaJesu enhliziyweni. Ukwahlukana noNkulunkulu kushiya umuntu enenhliziyu engenalutho nesabayo.

Okwesibili, Ukufa kusho ukwahlukana noNkulunkulu iphakade besisesihogweni. Lena yimpilo engenaye uKristu kuze kube phakade. Ngokusho kweBhayibheli sonke sifanelwe ukufa, ukwahlukana noNkulunkulu ngenxa yezono zethu.

3. Esikwenzelwe nguNkulunkulu

IBhayibheli kwabaseRoma 5:8 lithi, “Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.” Inhloso yalevesi ukusikhombisa ukuthi uNkulunkulu usithanda ngangokuba waze wanikela ngeNdodana yakhe uJesu Kristu ukuba afe ngenxa yezono zethu. Inkokhelo kuphela yesono ngukufa. UJesu Kristu wajeziswa, wahlulelwa

wagwetshwelwa ukufa esiphambanweni ukuba akhokhe inhlawulo yesonodaweni yethu.

Ukufa kuka Jesu kwakuyiwona umnikelo owanele ukukhulula umuntu ecaleni lesono. Abantu abaningi bazama ukufinyelela kuNkulunkulu ngezindlela ezehlukene: bethembele empilweni yabo enhle noma imisebenzi yabo emihle noma bazama ukufinyelela ngabangcwele, ngezithombe ngemifanekiso, ngemimoya noma ukudalwa kabusha.

Imizamo yomuntu ayinamandla okumhlambulula ezonweni zakhe. Indlela okukuphela kwayo engakha ubuhlobo phakathi komuntu noNkulunkulu ingoJesu. Emva kokufa kukaJesu ngenxa yezono zethu, wavuka kwabafuleyo wahlula ukufa. Uyaphila ufuna ukuhlala enhliziyweni yakho. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena kuphela iNkosi yakho, noMsindisi noMlamleli na?

4. Ipendulo yakho

IBhayibheli **kwabaseRoma 10:9** lithi, “Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyinkosi ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafuleyo uyakusindiswa.” Inhloso yalelivesi ukukhombisa ukuthi ukwamukela uJesu umelwe ukwenza izinto ezimbili:

- a) Okokuqala, ukwamukela uJesu kumelwe umvume uKristu abe yiNkosi yakho yena yedwa. Kumelwe ushiye izono zakho uphenduke ulandele uJesu. Lokhu kusho ukuguqulwa kokuphathwa kwempilo yakho iphathwe nguKristu. Lokhu-ke ukuphenduka.
- b) Okwesibili, ukwamukela uJesu kumelwe ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uKristu wavuka kwabafuleyo nguyena yedwa uMsindisi wakho. Lokhu kusho ukuthi kumelwe uyeke ukubeka ukholo lwakho kwezinye izinto njengokulunga kwakho kwemvelo, nemisebenzi emihle,

nezithombe nemifanekiso, nabangcwele, noma nokudalwa kwemizimba emisha ubeke ithemba lakho kuJesu Kristu abe nguMsindisi wakho yena yedwa.

Usulungele ukuyeka ukubeka ithemba lakho kwezinye izinto unikele impilo yakho kuKristu khona manje abe yiNkosi noMsindisi wakho yena yedwa? IBhayibheli **kwabaseRoma 10:13** lithi, “Ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” Inhloso yalelivesi ukukhombisa ukuthi noma ngubani oyakubiza igama likaJesu uyakusindiswa. Lokhu kusho ukuthi ungamamukela uJesu enhliziyweni yakho khona manje ngokukholwa.

Ulungile ukunikela impiloyakho kuJesu umcele angene empilweni yakho khona manje? Uma ulungele yisho lomthandazo ngenhliziyo yakho yonke kuNkulunkulu.

“Nkosi ngiyisoni. Ngiyakwethemba Nkosi ukuba ube yiNkosi noMsindisi noMlamleli wami wena wedwa. Ngikunika impilo yami ungisindise. Ngiguqule ngiphathele impilo yami ngokupheleleyo. Amen.”

Uyakholwa ukuthi uJesu uwuphendulile umkhuleko wakho? Ukuphi uJesu manje? Ususindisiwe?

VI. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Zingaholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Zasemakhaya Zingekho Izincwadi Zokufundisa

Ngu: Thomas Wade Akins

Ukhiye ekuholeni izwi likaNkulunkulu nguMoya oNgcwele. NgokukaJohane 16:13-14 uJesu wathi, “**Kepha nxa esefikile yena, uMoya weqiniso, uzakuniholela kulo lonke iqiniso, ngokuba akayikukhuluma ngokwakhe, kodwa lokho akuzwayo uyakukhuluma, anibikele okuzayo. Uyakungikhazimulisa, ngokuba uyakuthatha kokwami**

anibikele khona.” UJesu uyiqiniso uMoya oNgcwele nguyena owambula iqiniso enhliziyweni yakho.

Kwake kwenzeka yini lapho ufunda iBhayibheli kube khona ivesi elichasiseka ngokushesha enhliziyweni yakho uMoya oNgcwele akhulume iqiniso elithile kuwe ngalo? Kwenzekile kimi lokhu izikhathi eziningi. Kwesinye isikhathi ngangisemgodini cishe wobumnyama obuphelele. Nokho phansi emgodini kwakukhona ukukhanya- ukukhanya kukaJesu. Ngaqala ukufunda izwi ukuze ngithole izwi elivela kuNkulunkulu. Ngaqala ukufunda uIsaya, ngisafunda isahluko 43 uMoya oNgcwele kaNkulunkulu washesha wachasisa uvesi 2 phansi ekujuleni kwenhliziyo yami ethi, **“Lapho udabula emanzini, mina nginawe, nasemifuleni, ayikukukhukhula, lapho uhamba emlilweni, awuyikusha.”** Lapho uNkulunkulu ekhuluma leliqiniso enhliziyweni yami ukuthula okukhulu kwangena emoyeni kunjengesikhukhula. Ngangisazohamba phakathi kwezinsuku ezinobumnyama nasemlilweni wezilingo kodwa ngangazi ukuthi ngeke ngishe ngoba uNkulunkulu wayesekhulumile nami iqiniso elithile.

Kubalulekile ukuba umholi akhumbule ukuthi akafundisi izifundo zeBhayibheli kodwa uyazihola. Uholo ngendlela edinga nabanye ukuba babambe iqhaza. Akalifundi yena ivesi ucela omunye eqenjini afunde. Akalithsheli iqembu amaqiniso asevesini, ubuza imibuzo ezokwenza bazitholele bona amaqiniso. Akabafunzi ukuthi ivesi bangalisebenzisa kanjani ezimpilweni zabo kodwa ucela bona ukuba basho imicabango yabo yokuthi lingasetshenziswa kanjani empilweni.

Ngenkathi sihola izifundo zeBhayibheli injongo yethu ukuba sizwe uNkulunkulu ekhuluma nathi ngezwi lakhe. Ngiyothanda ukunikeza nazi izinyathelo ezilandelayo:

Isinyathelo 1: Umholi weqembu uyokhetha indawo okumelwe ifundwe. Angaqala ukufunda ivesi lokuqala lencwadi, afunde amavesi onke ezahluko zonke. Kanje, ungaqala ukufunda iVangeli ngokaJohane isahluko sokuqala ivesi lokuqala.

Isinyathelo 2: Umholi uyocela othile eqenjini afunde ivesi lokuqala.

Isinyathelo 3: Umholi uyophinda afunde ivesi lokuqala asebenzise ulimi olulula lwanamuhla. Ngamanye amazwi uyolihumusha ivesi. Uyolifunda ivesi ngendlela elula kakhulu.

Isinyathelo 4: Emva kokuba eselifundile ivesi uyobe esebuzo imibuzo eqonde ukuthola amaqiniso okomoya asevesini. Buza imibuzo enjengale: ubani, yini, nini, kuphi, ngani, kanjani.

Buza nansi imibuzo:

1. Lithini lelivesi ngoNkulunkulu?
2. Lithini lelivesi ngoJesu?
3. Lithini lelivesi ngesono?
4. Lithini lelivesi ngokulalela?
5. Lithini lelivesi ngami?
6. Yiliphi noma yimaphi amaqiniso okomoya akulelivesi?

Isinyathelo 5: Umholi kufanele akhombise iqembu ezinye izindawo namavesi eBhayibheli ahlobene namaqiniso atholakal kulelivesi. Ngamanye amazwi khombisa iqembu ezinye izindawo ezifanisekisa nezikhanyisa iqiniso elikulelivesi.

Isinyathelo 6: Umholi kufanele alisebenzise ivesi. Lenze ivesi liqondane naye ngokufaka igama lakho evesini ufake izabizwana. Xoxani ngalelo naleloqiniso ngendlela yokuliqondanisa nomuntu, lisebenzise kulowo nalowomuntu eqenjini. Kulowo nalowomuntu buza nanku umbuzo: Iqiniso elikulelivesi lithini kuwe? Lithini lelivesi kuwe? Dedela lowo nalowomuntu aphenyule.

Isinyathelo 7: Emva kokulandela lendlela ngevesi lokuqala qhubeka evesini lesibili usebenzise yona lendlela kuwo onke amavesi, encwadi yonke ivesi ngevesi.

Isinyathelo 8: Ekugcineni kwesifundo hola iqembu ngomkhuleko, ukhuleke ngamaqiniso okomoya atholakale esifundweni.

ISIBONELO

Isinyathelo 1: Khetha incwadi noma isigatshana. Thina sizozikhetela iVangeli ngokukaJohane.

Isinyathelo 2: Cela othile eqenjini afunde ivesi lokuqala. NgokukaJohane 1:1 “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.”

Isinyathelo 3: Lihumushe ivesi. Lelivesi lithi ekuqaleni kwakukhona uMdali wabe eyikho eyikho kokubili wayekuNkulunkulu futhi wayenguNkulunkulu.

Isinyathelo 4: Imibuzo:

1. Lithini lelivesi ngoNkulunkulu? Wayekhona ekuqaleni. Uyisiqalo. Ungulizwi.
2. Lthini lelivesi nguJesu? Uma ufunda uvesi 14 uyobona ukuthi uLizwi nguJesu. Ngakhoke uJesu Kristu unguNkulunkulu.

Isinyathelo 5: Funda amanye amavesi avumelanayo. NgokukaJohane 1:14 kuthiwa “**ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqiniso.**”

Buza imibuzo eminingi ongayicabanga, udedele iqembu liyiphendule-hayi umholi.

1. Ngubani owaba inyama? uJesu
2. Ngubani owakha phakathi kwethu? uJesu
3. Ngubani owabona inkazimulo yakhe? NguJohane umuntu owabhala lencwadi
4. UJohane wabonani kuJesu? Inkazimulo yakhe.

5. Kusho ukuthini ukuthi “inkazimulo yakhe”? Kusho ukuthi waphakanyiswa wadunyiswa.
6. Yini enye eyabonwa nguJohane kuJesu? Wavela kuYise.
7. Yini enye eyabonwa nguJohane kuJesu? Wayegcwele umusa.
8. Yini umusa? Umusa ngukuthi uNkulunkulu usenzela izinto esingazifanele. UJesu ungumusa.
9. Yini iqiniso? Iqiniso yinto ephikisana namanga. UJesu ugcwele iqiniso kulokho ayikho nakukho konke akushoyo.

Isinyathelo 6: Lisebenzise empilweni ivesi. Lisifundisani lelivesi? Athini amaqiniso okomoya akulelivesi? Waqondanise nawe. Umholi kufanele avumele iqembu lenze okushiwo yivesi.

1. Amanye amaqiniso asevesini:
2. UNkulunkulu usekuqaleni.
3. Akanasiqalo akanasiphetho.
4. Uphakade.
5. UJesu unguNkulunkulu.
6. UJesu unguMdali womhlaba.
7. UJesu wangidala (ukuqondanise nawe).
8. UJesu ugcwele umusa neqiniso. UJesu wangipha engangingakufanele. UJesu ungifundisa iqiniso. (Khumbula ukusebenzisa izabizwana eziqondene nawe.)

Isinyathelo 7: Funda ivesi elilandelayo usebenzise yona lendlela. Qhubeka ngayo lendlela encwadini yonke iviki lilandela elinye lelanywe ngelinye. Emva kokuba usumqedile uJohane, khetha enye incwadi wenze yona lendlela okade wenza ngayo.

Isinyathelo 8: Vala ngomkhuleko, kepha ukhuleke ngamaqiniso okomoya ambulwe nguNkulunkulu kuwe naseqenjini ngendaba ekade niyifunda.

VII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo zeBhayibheli Ngendlela Engesobala Kusetshenziswa Izinto Zokufundisa
Ngu: Charles Brock

ISINGENISO

Lezizifundo, ezizothatha ihora elilodwa, zabhalelwa ukusiza noma ngubani ofuna ukufunda ukufundisa izifundo zeBhayibheli esebenzisa indlela engesobala. Kuyokhanya ukuthi akukho-mfundo etheni naluqeqesho oluthile oludingekayo ukufundisa ukusebenzisa lendlela yobuholi.

Lendlela yobuholi ingasetshenziswa ezifundweni ezahlukeneyo eziningi noma ezincwadini, nokho, lezizifundo sizilungiselele uhlelo lwezifundo eziphathelele Nokuvangela Okucabindlela, okungaba “IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” noma nezincwajana zokungifundisa okuthile.

INDLELA YOKUYISEBENZISA

Kuyoba khona umugqa ngemuva kwalowo nalowombuzo. Ngaphansi kwalomugqa kuyobakhona impendulo yombuzo ongenhla. Kudingeka ukuba ubeke ikhadi noma umboze umugqa ophindiwe kabili kanye nempendulo njalo wehla nekhasi. Emva kokuba imibuzo usuyiphendule yonke wagcwalisa zonke izikhala ebezingenalutho, yehlisa ikhadi ukuba ubone impendulo ukuthi ilungile yini. Landela yona lendlela uze uqede ikhasi lize liphele.

KHUMBULA UNGABUKI IZIMPENDULO NGAPHAMBI KOKUGCWALISA IZIKHALA.

1. Umgomo walengxenywe UKUBONISA IZINTO EZIMBILI EZIKULOBUBUHOLI OBUNGESOBALA. Ubuholi obungesobala abufani nobuholi obusobala.

Ubuholi obungesobala buphethe izinto ezimbili:

- a. Umholi unikeza iqembu indlela yokwenza.
- b. Kubakhona okwenziwa yiqembu.

Ubuholi obungesobala buphethe _____ ekhonjwa ngumholi no _____ yiqembu.

INDLELA	UKWENZIWA
2.	Ubuholi obungesobala abudingi ukuba umholi ashumayele intshumayelo. Budinga _____ ekhonjwa ngumholi.
<hr/>	
3.	Lapho zonke izinto zenziwa ngumholi: ekhuluma, eshumayela, ehlabela, ethandaza, lokhu kuyisibonelo so: a. ubuholi obusobala b. ubuholi obungesobala
<hr/>	
UBUHOLI OBUSOBALA	
4.	Iqembu lifanele libe nelikwenzayo engxoxweni. Umholi kufanele ahole iqembu lixoxe ngelikufundayo. Into ebalulekile kakhulu yalobuholi obungesobala ukuthi kukhona _____ yiqembu.
<hr/>	
OKWENZIWA	
5.	Ubuholi obungesobala buphethe izinto ezimbili. a. _____ b. _____
<hr/>	
INDLELA EKHONJWA UMHOLI OKWENZIWA YIQEMBU	

6. Umgomo walesisifundo UKULANDELA IMITHETHO EYISIHLANU efanele ilandelwe uma kuholwa izifundo zeBhayibheli eqenjini kusetshenziswa indlela engesobala.
7. **UMHOLI WEQEMBU KUFANELE AKHUTHAZE AMALUNGU UKUBA AHLANGANYELE KOKWENZIWAYO.** Ubuholi Obungesobala abenzeki lapho umholi zonke izinto zenziwa nguye umholi. Ebuholini obungesobala kubalulekile ukuba amalungu onke akhuthazwe _____.

UHLANGANYELA KOKWENZIWAYO

8. Uma umholi ethatha yonke ingxoxo, amalungu akalitholi ithuba lokuhlanganyela kokwenziwayo. Uma kwenzeka lokho umholi usuke engenzi bona ubuholi _____.

OBUNGESOBALA

9. Amalungu eklasi angahlanganyela kokwenziwayo ngokufunda umbuzo, ngokunikeza impendulo noma ngokukhuleka emva kokuba sebesindisiwe. Ubuholi obungesobala budinga (kuphi) ukuhlanganyela kulezizibonelo ezingenhla.
- Umholi kuphela
 - Onke amalungu

ONKE AMALUNGA

10. Ngubani ohlanganyela kokwenziwayo lapho kufundiswa iBhayibheli ngendlela engesobala? _____

ONKE AMALUNGA

11. NIKEZA INCWADI ENEZIKHALA EZIFUNA UKUGCWALISWA IMIBUZO NEZIMPENDULO NOMA IYIPHI ENYE INTO ENGAFUNDWA NGAMALUNGU.

LOKHU KUYOSIZA UKUNIKEZA UTHISHA INDLELA EYA EQENJINI. Nalokhu futhi kukhuthaza amalunga ukuhlanganyela kokwenziwayo. Ibhuku lokubhala linika uthisha _____ yokuya eqenjini. Likhuthaza futhi amalunga _____.

INDLELA UKUHLANGANYELA KOKWENZIWAYO

12. Ukulandela izifundo ezikhethwe ngumholi kuyomsiza kumnikeze indlela eya eqenjini. Uma uFakazi kaJehova ohlanganyelayo eqenjini eqala ukufunda iphepha lakhona koFakazi. Lokhu kuyosho ukuthi umholi akanikezi _____ okuyiyonayona eqenjini.

INDLELA

13. Uma amalunga elandela ibhuku _____ elisebenzisa izikhala ezifuna ukugcwaliswa, abaholwa ngumholi kuphela kodwa baholwa futhi _____ lokubhala.

LOKUBHALA

IBHUKU

14. Abanye abantu banamahloni abanye bayathanda ukukhuluma noma bengazi ukuthi bakhuluma ngani. Zombili lezizinhlobo zinezinkinga ekuhlanganyeleni kokwenziwayo. Lokhu kungenzeka uma umholi ebanikeza _____ noma nezinye izinto zokufunda.

UKUHLANGANYELA KOKWENZIWAYO

15. Kubalulekile ukuba umholi anikeze amalungu indlela nokuwakhuthaza ekuhlanganyeleni kokwenziwayo. Lokhu kungenzeka uma umholi ebanike _____ noma nezinye izinto zokufunda.

IBHUKU LOKUBHALA

16. **UKUBEKEZELE KUYADINGEKA KUMHOLI LAPHO EHOLA IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI KUBANTU ABANGAKHOLWA.** Ukubekezela kudingeka kakhulu Uma kusetshenziswa indlela engesobala. Amanye amalunga ayofuna ukuba kukhulume wona odwa, abanye abayikufuna ukwenza utho. Umthetho kofanele ulandelwe ngum - Holi ngowokuba _____ njalonje.

ABEKEZELE

17. Lapho umholi ebuza umbuzo eqenjini amalunga eqembu angahle angasheshi ukuphendula. Umholi angahle abe nomkhuba wokubasheshisisa noma awuphendule yena umbuzo amalunga esacabanga ngawo. Umholi kumelwe _____.

ABEKEZELE

18. Umholi kudingeka abekezele lapho omunye weklasi engakwazi ukuvula isahluko noma ivesi elithile eBhayibhelini. Loluhlobo lokubekezela luwuhlangothi oludingekile kakhulu uma umuntu efuna ukuba ngumholi ophumelelayo osebenzisa _____ INDLELA.

ENGESOBALA

19. Njengoba abantu bevame ukungasheshi ekuhlanganyeleni kokwenziwayo umholi kumelwe _____.

ABEKEZELE

20. Sesifundile imithetho noma amaqiniso asemqoka amathathu. Yilana

- a. Umholi kufanele akhuthaze onke amalunga ahlanganye kokwenziwayo.
- b. Kumelwe anikeze amalunga ibhuku lokubhala noma nayiphi enye into efundwayo.

c. Umholi udinga ukubekezela. Lemithetho ibalulekile uma umholi esebenzisa ubuholi _____.

OBUNGESOBALA

21. **EKUHOLENI IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI EQENJINI UMHOLI KUFANELE ENZE UBUHOLI OBUZALAYO.** Ubuholi obuzalayo kusho uhlobo lobuholi lapho amalunga eklasi ezoshesha enze into efanayo nalena oyenzayo wena. Umholi kufanele aziphathe ngendlela yokuthi ubuholi bakhe _____ amalunga eqembu.

BUNGAVEZWA FUTHI

22. Umholi ohlakaniphileyo ucabanga ngokudlulisela umsebenzi wakhe wokuhola kwabanye. Umholi-ke uyodinga ukuhlala ekunaka ukuhola kwakhe ukuthi uhola kanjani. Ngoba Uyisibonelo _____ bakusasa.

SABAHOLI

23. Umholi ofisa ukuba phambi kweqembu izikhathi eziningi akathandi ukuthuthukisa abaholi abanye. Akazimisele ukwenza ubuholi _____.

OBUZALAYO

24. Ubuholi obuzalayo kumelwe bube: (thola izimpendulo ezilungile)

- a. Obuthokozisayo
- b. Obuncike ohlelweni oluzwakalayo.
- c. Obulula nobucacile.
- d. Obugcina imithetho kakhulu okunenqwaba yemithetho elandelwayo.
- e. Obusezingeni elejwayelekile kumalungu eqembu.

OBULULA NOBUCACILE

OBUSEZINGENI
ELEJWAYELEKILE
KUMALUNGU EQEMBU

25. Umholi omuhle uyokwenza ubuholi bakhe ngendlela eyokwenza _____ ngabaholi bakusasa.

BUVEZWE FUTHI.

26. Sesifundile ukuthi ubuholi obungesobala buphethe ukuhlanganyela kokwenziwayo kwama lunga eqembu. Iqembu kumelwe lincike kuMoya oNgcwele ukuze liphumelele.
NGUMOYA ONGCWELE KUPHELA ONAMANDLA
OKULETHA UKUHLABEKA KWENHLIZIYO
NOKUPHENDUKA. Imisebenzi kaMoya Ngcwele _____
_____ no _____.

UKUHLABA INHLIZIYO

KUPHENDUKA

27. Umholi onamandla ezikhathini eziningi angahola umuntu ukuba ashintshe inkolo yakhe. Lokhu akunakwenzeka ngaphandle kosizo luka _____

MOYA ONGCWELE

28. Abaholi bamaqembu bangatshala imbewu yevangeli ngokwezifundo zevangeli ngokukaJohane. UMoya Ongcwele uyena kuphela ongenza ukuba imbewu yande. Ngakho abaholi bamaqembu bafanele bathembele _____.

MOYA ONGCWELE

29. Ngubani onamandla okuletha ukuhlabeka kwenhliziyo nokuphenduka kweqiniso esonweni na? _____

MOYA ONGCWELE

30. Kade sifunda imithetho noma amaqiniso asemqoka ayisihlanu okumelwe alandelwe:

ngenkathi kusetshenziswa indlela engesobala yobuholi.

Bhala uhla lwalemithetho noma amaqiniso asemqoka:

- Umholi kufanele akhuthaze _____
ukuhlanganyela kokwenziwayo.
- Nikeza _____ noma okunye
okufundwayo kwamalungu.
- Umholi ufanele njalo _____.
- Umholi
ufanele _____ ubuholi.
- Ngu _____ kuphela ongaleta
ukuhlabeka kwenhliziyo nokuphenduka kweqiniso.

-
- ONKE AMALUNGU
 - IBHUKU LOKUBHALA
 - UKUBEKEZELA
 - UKWANDISA
 - UMOYA ONGCWELE

31. Kade sifunda izinto eziyisihlanu umholi afanele ukuzenza ebuholini okungosobala. Manje sesizofunda ezintathu okungafanele nakanye azenze umholi oholo izifundo zeBhayibheli.

32. Imvamisa umholi wezifundo zeBhayibheli usuke enolwazi olubanzana kunabantu abaseklasini lelo aliholayo. Kwesinye isikhathi angahle angenwe umoya wokuziqhenya ngalololwazi. Angahle azizwe sekumelwe asho konke akwaziyo ngaleyondaba efundwayo. Lomoya _____.

- Uyafuneka
- Awufuneki eBuholini Obungaqondile.

AWUFUNEKI

33. Umholi olwazi lwakhe nobudlelwane bakhe noNkulunkulu buvikelekile ngeke asizwe isidingo sokuziqhayisa ngokuveza _____ ngesifundo.

KONKE**AKWAZIYO**

34. Ukuthula nokulalela akusilo uphawu lokungazi kumholi. Lapho umholi ethule akusho lokho ukuthi _____.

AKANALWAZI

35. Umholi akufanele ezwe enesidingo sokuba kuzo zonke izifundo

- a. Asho konke akwaziyo.
- b. Abe ophethe.
- c. Alalele.

ASHO KONKE AKWAZIYO**ABE OPHETHE**

36. Eqenjini elifunda izifundo zeBhayibheli kuyovela omunye oyofuna ukubonakalisa inhloko yakhe. Umuntu onjalo “ongukwazi konke.” KUNGUKUCHITHA ISIKHATHI UKULIBALA UKUPHIKISANA NABANTU ABANJE.

Lezizazi “zefilosofi” imvama zingabantu _____.
(khethe okungaphezu kokukodwa)

- a. Abafuna iqiniso ngobuqotho
- b. Abazama ukuzidonsela amehlo abantu
- c. Abathanda ukukhuluma

**ABATHANDA UKUZIDONSELA
AMEHLO ABANTU****ABATHANDA
UKUKHULUMA**

37. “Ongukwazi konke” esingakaze sikuthole ukusindiswa kweqiniso ngeke siziqonde izinto zikamoya. Umholi kufanele avume ukuxoxa siphilisi isifundo nalomuntu phakathi kwalezi ezimbili.

- a. Umuntu angasindiswa kanjani
- b. Ubuthathu bukaNkulunkulu

UMUNTU ANGASINDISWA KANJANI

38. “Ongukwazi konke” siyoshesha sishintshe esinye isifundo siye kwesinye. Useyoba umholi wesifundo wesikhashana. Ukuphikisana kuyoveza _____ kwamanye amalungu eklasi.

- a. Ukudideka
- b. ukuchazeka

UKUDIDEKA

39. Iqembu lezifundo zeBhayibheli liyodideka uma kukhona _____ nezazi zefilosofi.

UKUPHIKISANA

40. Njengalokhu ubuholi obungesobala busho ukuhlanganyela kwamalungu amaningi UMHOLI KUMELWE ABE NEQINISO UKUTHI UMUNTU OYEDWA AKATHATHI ITHUBA LONKE YEDWA ENGXOXWENI. Uma umuntu oyedwa ethatha isikhathi sonke kusho ukuthi umholi akasebenzisi kahle ubuholi _____.

OBUNGESOBALA

41. Uma umuntu ekhuluma isikhathi sonke yena yedwa kulukhuni ukuba amanye amalungu eqembu _____.

AHLANGANYELE KOKWENZIWAYO

42. Uma ubuholi obungesobala benziwa kahle kungumsebenzi _____ ukubona ukuba ukuhlanganyela kokwenziwayo kwenziwa ngumuntu wonke eqenjini.

WOMHOLI

43. Ubuholi obungesobala abuvumeli _____
 akhulume yedwa isikhathi sonke engxoxweni.
- Umuntu oyedwa
 - Abantu ababili
 - Onke amalungu

UMUNTU OYEDWA

ABANTU ABABILI

44. Sifunde izinto ezintathu okungafanele umholi azenze nakanjani.
 Nansi leyomithetho emithathu:
- Umholi akufanele azizwe emelwe ukusho _____
 ngesifundo esenziwayo.
 - Umholi akufanele avumele _____
 nezazi zefilosofi.
 - Umholi akufanele avumele _____
 akhulume yedwa esikhathini sonke sesifundo.

-
- KONKE AKWAZIYO
 - UKUPHIKISANA
 - UMUNTU OYEDWA

45. Manje sesizofunda izizathu ezimbili zokuthi kungani indlela
 yobuholi obungesobala kuyiyonandlela enhle ukusebenza ngayo uma
 kuqaliswa amabandla amasha.

46. Uma sisebenzisa indlela engesobala, KULULA
 UKWEDLULISELA UMSEBENZI WOBUHOLI
 KWAMANYE AMALUNGU EQEMBU. Ipendulo elula
 eveza ubuholi eqenjini ngezifundo zeBhayibheli ezizokwakha
 ibandla ngelinye ilanga. Okuyisona similo esisemqoka somholi
 ohlakaniphile siba _____ ubuholi kwabanye
 noma komunye.

UKUDLULISELA

47. Umholi ongumalusi welinye iqembu (ibandla) angakufumana
 kunzima ukuqhubeka ukuhlangana naleliqembu azama ukuliqala.
 Ngenxa yalesizathu kubalulekile ukuba uthole umholi omusha
 waleliqembu, vele kuyimvelo ukuthi umholi uphuma kulo
 _____ lelo.

IQEMBU

48. Ngoba umholi ohlakaniphile uyosebenzisa indlela engesobala
 kusuka khona ekuqaleni kwemihlangano yeqembu, kusemvelweni
 ukuba amalungu ahlanganyele kokwenziwayo ngenkathi iqembu
 lisakhula. Kuyoba _____ nokuba amanye amalungu
 aphenduke abaholi.

YIMVELO

49. Ngoba onke amalungu kade ekhuthaziwe ukuhlanganyela
 kokwenziwayo khona kusukela ekuqaleni kwezifundo
 zeBhayibheli, kuyoba semvelweni ukuba amalungu aqhubeke
 _____. Elilodwa noma angaphezu kwelilodwa
 amalungu ayoba _____.

UKUHLANGANYELA KOKWENZIWAYO

ABAHOLI

50. Uma umholi engasoze noma engenakuqhubeka abe ngumholi
 weqembu lezifundo ezithile zeBhayibheli, angalihlelela kanjani
 ikusasa? Kufanele _____ ubuholi
 kumalungu eqembu.

ADLULISELE

51. Lapho usebenzisa uhlobo lobuholi obungesobala ekade sifunda
 ngabo kulesisifundo YOQALA UHOLE AMAQEMBU
 AMASHA ANGEKE AKHUBAZWA UKUNGAKIKHONA
 KOMHOLI OSENEKIKHATHI, UQEQESHO NOMA IMALI.
 Lokhu kusho ukuthi abantu abaningi bayakwazi
 _____ amaqembu amasha.

UKUHOLA

52. Umholi ongumKristu osemusha naye angalihola iqembu elenza izifundo zeBhayibheli noma engakabi umholi _____.

OSENESEKHATHI EKWENZA

53. Bhala “uYebo” noma “uCha” ezikhaleni.

- a. _____ Umuntu okade ephansi koqeqesho olunzulu ulungile ukuhola izifundo zebhayibheli zasemakhaya eqenjini.
- b. _____ Umlimi onoqeqesho oluncane lokuhola izifundo zeBhayibheli zasemakhaya angahola iqembu ngempumelelo.

ZOMBILI IZIMPENDULO “ZILIQINISO”

54. Ngubani onemali eyanele yokuqala iqembu lezifundo zeBhayibheli lasemakhaya? (Khetha okukodwa noma okungaphezu kokukodwa)

- a. Ummeli
- b. Umbazi
- c. Udokotela
- d. Uthishela
- e. Isisebenzi sasembonini

UMLIMI/ UMBAZI/ UDOKOTELA/ UTHISHELA/ ISISEBENZI SASEMBONINI

55. Ngesesikufundile Ubuholi Obungesobala bubonakala buyindlela engcono kakhulu yokuqala izifundo zeBhayibheli zasemakhaya zamaqembu angagcina esengamabandla. Iyindlela enhle ngoba:

- a. Kulula _____ ubuholi komunye weqembu.
- b. Bangingi abantu abangawaqala lamaqembu ngoba akudingeki _____.

-
- a. UKUDLULISELA
 - b. OSENESEKHATHI EKWENZA, UQEQESHO NEMALI

56. UKUBUKEZA ESESIKUFUNDILE

A. Ubuholi obungesobala buphethe izinto ezimbili.:

1. _____ ekhonjwa ngumholi
2. _____ kwamalungu

A. Izinto eziyisihlanu ezimelwe ukukhunjulwa lapho kuholwa izifundo zeBhayibheli eqenjini yilezi:

1. Umholi kufanele akhuthaze _____ kwawo onke _____.
2. Nikeza ibhuku _____ noma iyiphi enye into _____.
3. Umholi kufanele _____ ebuholini bakhe.
4. Umholi kufanele enze ubuholi _____.
5. Ngu _____ kuphela ongaletha ukuhlabeka kwenhliziyo nokuphenduka kweqiniso esonweni.

B. Bhala izizathu ezimbili zokuthi kungani indlela yobuholi obungesobala kuyiyona indlela enhle yokuqala amabandla amasha.

Izimpendulo Zokubukeza

A.

1. INDLELA
2. UKUHLANGANYELA KOKWENZIWAYO

B.

1. UKUHLANGANYELA KOKWENZIWAYO
AMALUNGU
2. LOKUBHALA OKUFUNDWAYO
3. ABEKEZELE
4. OKWANDAYO
5. MOYA ONGCWELE

C.

1. Umholi angabudlulisela kalula nangokushesha ubuholi bakhe kumalungu eqembu.
2. Umholi angaliqala iqembu elisha lezifundo zebhayibheli zasemakhaya noma engenaso isikhathi eside ehola, noma enoqeqesho nemali encane.

VIII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Izindaba Ezinhle

1. Emnqamukweni

Umvangeli sekufike lapha kunqamuka khona lezifundo abenza. Manje usezoqala umhlangano wabo bonke ekade benza izifundo zevangeli ngokukaJohane asebeziqedile. Kulelizinga kufanele enze izinto ezimbili:

- A. Qala izifundo zokulandelisa
- B. Qala amaqembu amancane kuya kwayisithupha usebenzise “IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” namalunga amasha. Umvangeli ocabindlela kufanele ahole izifundo zokulandelisa asebenzise indlela engaqondile.
- C. Uma umvangeli ocabindlela kade engakawafundisi “AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU

OSANDAKUKHOLWA” abhalwe uPastor Thomas Akins, ngokuhlangana kwabo kwesishagalombili kufanele awafundise ngaphambi kokuqala izifundo zokulandelisa.

2. Iviki Lesithathu

Leli ngelinye lamaviki angumnqamulo. Umvangeli ocabindlela kufanele enze iqembu ukuba likhethwe umholi, wendawo ozohola ingxoxo yeviki elilandelayo. Umvangeli kufanele angazami ukubakhethela umholi kepha kufanele abekhona kanye nabo ukuze akwazi ukuqondisa uma kukhona ukwenzeka kwephutha maqondana nezifundiso zezwi.

3. Iviki lesine Nelesihlanu

Umholi wendawo uyohola isifundo, ngaphandle kokuphazamisa umvangeli alalele. Umholi wendawo uyoqhubeka ahole isifundo esikhundleni somvangeli.

4. Iviki Lesithupha

Kuleliviki umvangeli kufanele athole isizathu sokungabikho kwakhe emhlanganweni, kodwa kumelwe achaze ukuthi umhlangano kufanele uqhubeke noma engekho.

IX. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Ziholwa Kanjani Izifundo ZeBhayibheli Zokulandelisa

OKUBALULEKILE: Kubaluleke kakhulu ukuba uziqondisise izincwadi ezisetsenziswa kulomsebenzi noqeqesho lwalencwadi namavesi asetshenziswayo, sesiyasiphinda lesisaziso sekungesesibili ukuze kungabikho ukudideka. Noma yiziphi izincwadi zokulandelisa ezokuvangela nezokwenza abafundi ezilungile ziyosebenza. Umuntu oshumayela ivangeli nowenza umsebenzi wokulandelisa ubaluleke kakhulu kunezincwadi. Ngesikhathi loluhlelolelo lwenziwa eBrazil kwasetshenziswa lezizincwadi ezilandelayo:

- Iphepha lokuvangela: **“Ukuphila Okuphakade Kutholakala Kanjani”** ngu Wade Akins.
- Izifundo seBhayibheli zokucathula: **“TVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli”** ngu Dr. Waylon Moore
- Ukuvangela okulula: **“Impilo Entsha”** ngu Wade Akins. Zilungele abangakwazi kahle ukufunda. Lezizifundo zinendaba efanayo nephepha lokuvangela elingenhla, kodwa zahlukaniswe kasikhombisa.
- Izifundo zokulandelisa masinyane: **“Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa”** ngu Wade Akins. Kufanele zenziwe emahoreni awu-48 umuntu ephendukile.
- Izifundo zeBhayibheli zokulandelisa: Udinga ukukhetha izifundo eziyovumela umuntu osanda kukholwa afunde izifundiso zokuqala zobuKristu njengombhaphathizo, ukunikela okweshumi, ukukhula kwekholwa nokunye okufana nalokhu. Loluhlobo lwezifundo lusiza abantu abasanda kukholwa ukuba beme futhi bakhuthazwe babe amaKristu akhulile.

Usafunda ngalencwadi uyobona amavesi aphaathelene nalezizifundo. Nokho-ke ungasebenzisa amanye amavesi uma uthanda nezinye izincwadi njengokuthanda kwakho. Umgomo walencwadi yokuqeqesha ukukunika amavesi achaza iphepha lokuvangela elithi, “Ukuphila Okuphakade Kutholakala Kanjani.” Ezinye izibonelo eziwuhlobo olufanayo nazi, “Imithetho Emine Yokomoya” ebhalwe yinhlangotho yamaKristu ebizwa ngokuthi yi Campus Crusade ne “Izinyathelo Zokuba Nokuthula noNkulunkulu” ebhalwe ngu Billy Graham. Ungasebenzisa iphepha levangeli elikhethwe nguwe njalo uma ubona lelo elivezwe kulencwadi. Lomthetho usebenza noma kukuphi okusohlwini olungenhla.

Charles Brock, isithunywa sasePhilippines umbhali walendlela oqoke nazi izinyathelo ezilandelayo:

1. Umhlangano wokuqala

- Umvangeli ocabindlela uma eya emhlanganweni kufanele aphaathe lokhu:
 - Testamente elisha.
 - Ipeni.
 - Iphepha.
 - Iphepha elinamaKhorasi ahambisana nesifundo.
 - Iphepha elithi “Ukuphila Okuphakade Kutholakala Kanjani,” “TVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” noma yiziphi-ke ezinye izifundo afuna ukuzisebenzisa.
 - Umvangeli ocabindlela ufanele azinikezele akugcizelele ukuthi unguMfundisi weBhayibheli.
 - Umvangeli ocabindlela kufanele ayimemezele injongo yakhe. Kufanele akugcizelele ngokucacileyo ukuthi akafuni mpikiswano yenkolo, yolwazi lwefilosofi noma yepolitiki kodwa ufuna ukuhlolwa kwezwi likaNkulunkulu. Uma uthanda ungathi, “Injongo yami ukuhlephulelana nani izindaba ezinhle zeBhayibheli.” Ekuqaleni komhlangano wokuqala, umvangeli kufanele afunde ngokuphimisela ngokukaJohane 3:1 - 18, anikeze incazelo esheshayo. Kufanele akwenze lokhu engaqondanga khona ukushumayela, kodwa eqonde ukuchaza injongo yakhe. Eqinisweni okushiwo Ngumvangeli Ocabindlela akukhona okusemqoka. Abantu abakamethembi.
- Kufanele athi, “uNikodemu ufuna iqiniso. Ngizonifundisa iviki ngeviki amaviki ayisikhombisa ngifundisa iVangeli NgokukaJohane. Lezizikhala zinezikhala ezifuna ukugcwaliswa. Izimpendulo zemibuzo zivela eBhayibhelini izifundo zihlelelwe abantu abadala nabasha. Abantwana bangahlanganyela nabo kodwa abadala nabasha abayothola izifundo.”
- Umvangeli ocabindlela kufanele acele wonke umuntu abhale igama lakhe ephepheni neminyaka yakhe nosuku lwakhe lokuzalwa. Chaza ukuthi loluhlu lwamagama ngolwakho lokubakhulekela ngamunye ngamunye, chaza futhi ukuthi

ngomhlango olandelayo uyophatha izincwajana iVangeli likaJohane lalowo nalowo eqenjini. Loluhlu kufanele lufakwe ebhukwini lakho lomthandazo “wemihla ngemihla”.

- E. Umvangeli oabindlela kufanele ethule amakhorasi ambalwa ababuze ukuthi bayafuna yini ukuwafunda. Lidedele iqembu. Lizikhethela. Uma bekhetha ukucula amaculo bafundise ikhorasi elilodwa noma amabili amahle.
- F. Umvangeli oabindlela kufanele akhethe elilodwa lamakhorasi libe yisiqubulo.
- G. Umvangeli anikeze yilowo nalowo ipheshana elithi “UKUPHILA OKUPHAKADE KUTHOLAKALA KANJANI,” noma yiliphi elinye iphepha elivangelayo. Lokhu baya ukuyozifundela emakhaya.
- H. Umhlango kumelwe uthathe ihora elilodwa emva kwalokho kungaba ngcono ushiye uye kwenye indawo.

2. Umhlango Wesibili

- A. Umvangeli kufanele eze nalokhu okulandelayo:
 - a. IBhayibheli
 - b. Izincwadi iVangeli ngokukaJohane (thatha isibalo ocabanga ukuthi uyosidinga).
 - c. “iVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli”
 - d. Iphepha elinamacub
 - e. Iphepha lokuvangela “UKUPHILA OKUPHAKADE KUTHOLAKALA KANJANI,” noma yiliphi elinye ipheshana lokuvangela.

Uma unabantu abangamashumi amabili kuya kwabangamashumi ayisihlanu emhlanganweni wesibili kungahle kulindeleke inxeny yalesisibalo iqhubeka kuze kube sekupheleni. Uma izifundo eziyisikhombisa zeVangeli ngokukaJohane zifundwa ngabantu abangamashumi amabili, lababantu benele ukuba baqale ibandla.

Umhlango wesibili uyodinga ukubekezela okukhulu kumvangeli kuneminye imihlangano. Ukubekezela okukhulu kuyadingeka ngalabo abangazi lutho ngeBhayibheli. Umvangeli

kumelwe akhombise lowo nalowomuntu weqembu akwazi ukuvula izahluko namavesi eBhayibheli.

B. Indlela Yohlelo

- a. Hlabelelani amaculo amathathu
- b. Hlabelelani iculo eliyisiqubulo
- c. Qoqa amaphepha amaculo.
- d. Nikeza wonke umuntu isifundo seVangeli ngokukaJohane. (nikeza isifundo sokuqala)
- e. Nikeza incwajana iVangeli likaJohane.
- f. Hlalani isifundo nisebenzise indlela engaqondile.
- g. Ekugcineni buza umbuzo, “kukhona onombuzo?” Uma kungekho mbuzo vala umhlango ngomkhuleko.

3. Umhlango Wesikhombisa

Izifundo IZINDABA EZINHLE zibonisa abantu ukuthi ungaba nakho kanjani ukuphila okuphakade ngoKristu Jesu. Ngemuva kwamaviki ayisithupha lezizifundo ziqaliwe abantu abaningi bazobe sebelungele ukunikela ngezimpilo zabo kuKristu. Khona-ke esinye isigaba sokuqhubekela phambili sesingaqala.

Ekupheleni kwesifundo, umvangeli kufanele anikeze abantu iphepha elithi “UKUPHILA OKUPHAKADE KUTHOLAKALA KANJANI” akuchaze lokho ngokucacile. Kulelizinga usengenza isimemo esiqondile achaze ukuthi wonke umuntu kumelwe amukele uJesu ukuba abe yiNkosi noMsindisi wakhe. Umvangeli kufanele akhuleke nalabo abavumayo ukwamukela uJesu.

4. Umhlango Wesishiyagalombili

Leliviki lingelinye lamaviki ezinqumo ezinkulu. Isifundo esigcinile kade kuyisifundo ebesisiquqa konke ekade sekufundiwe. Kulesisikhathi abanye sebemamukele uJesu. sebesindisiwe.

Kufanele futhi umvangeli abe eqhubeka efundisa amaculo amasha eviki ngeviki.

Esikhundleni sokwethula isifundo sesikhombisa (emhlanganweni wesishiyagalombili) sochungechunge lwezifundo zevangeli ngokukaJohane uma ethanda umvangeli angafundisa “Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa.”

Uma umvangeli ekhetha ukungasifundisi lesisihloko kulesisikhathi kufanele akhumbule ukusifundisa esikhathini esilandelayo.

Manje yisikhathi sokuba iqembu lenze isinqumo. Umvangeli kumelwe ababuze ukuthi bafisa ukuqhubeka befunda ndawonye noma qha. Uma impendulo ithi “yebo” kufanele ancome izifundo zokulandelisa. Kuzokwenzeka umehluko omkhulu kulesisigaba. Umvangeli uzothi onke amaqembu awahlangane endaweni eyodwa uma kungenzeka. Uma kungenakwenzeka akahlanganise okungenani amabili. Lamaqembu awazame ukuhlangana endaweni eyodwa.

X. Ukuxoxwa Kwezindaba ZeBhayibheli Ngu: J.O. Terry

Ukuxoxwa kwezindaba zeBhayibheli, Kuyini? ---Ukuxoxwa kwezindaba zeBhayibheli kusho ukusetshenziswa kwezindaba zeBhayibheli ngamabomu ngenhloso yokuvangela, nokutshalwa kwebandla, nokwenza abafundi, nokuqeqesha abaholi, nezinkonzo ezahlukenene. Ukuxoxwa kwendaba kuyahlukanisaka ezifundisweni ezithile zeBhayibheli ngokuncika kwazo endabeni yeBhayibheli elondolozwe. Ukuxoxwa kwendaba yeBhayibheli kuvama ukusetshenziswa ngezindlela eziningi zokufundisa kubalwa ukuchasisa nezingxenywe zokwenza nezindlela ezilula zokwenza empilweni yanamuhla.

IBhayibheli kusuka 60 kuya 70% liyizindaba ezixoxwayo. Kukhona lezo ezikhanyayo, lezo ezichasiseke kahle endaweni eyodwa noma ngaphezu kweyodwa yaba yindaba. Izibonelo zalokhu yizindaba zo Adamu no Eva, oKhayini no Abela, nozamcolo, nomnikelo kaAbrahama ongu Isaka nezinye eziningi. Eqinisweni kunamakhulu

ezindaba, ezinye zazo zinde kakhulu kangangoba zingathatha izahluko eziningi zeBhayibheli ezinye zimfishane kakhulu ziphela ngamavesi ambalwa.

Kukhona **izindaba ezigudlisiwe**, kulezo-ke konke okwazo kukhona eBhayibhelini kodwa akukho ndawonye futhi akubhaliwe njengendaba. Ukudalwa kwezwe Lemimoya kungenye yezindaba ezinjalo uma uzivuma izinto ezibhalwe kuHezekeli 28 noIsaya 14 kuqondise esimweni sasekuqaleni sikaSathane nokuwa kwakhe okwesabekayo. KumaHubo 148:2, 5 kanye nezinye eziningi, kulapho kuvela khona indaba yokudalwa kwemimoya ebizwa ngokuthi yizingelosi, nalezo ezaphenduka amadimoni. Kukhona ezinye izindaba ezimaqondana nezincwadi zikaPawulu, njengalokhu uPawulu ekhuluma ngesono sezinsizwa ebandleni laseKorinte, nokungaphathwa kahle kweSidlo seNkosi, nokuduka kwabaseGalathiya ngenxa yezifundiso zamanga.

Izindaba eziningi ngezikaJesu noma ezalokho uJesu akufundisayo nakwenzayo nalapho ephilisa, nokuthethelela izono, eletha ukuthula, esuthisa abalambileyo. UJesu waqala ukufundisa ngemifanekiso ngenxa yokuphikiswa abaholi benkolo (buka ngokukaMathewu 13:10-13 no ngokukaMarko 4:1-2, 33-34). Kamuva uJesu wabuyeye wayichaza kubafundi lokho owabe kade ekoxoxela abantu.

Zisetshenziselwan i izindaba na? –Kukhona izizathu eziningi zokuthi kufanele ngani izindaba zeBhayibheli zisetshenziswe nakuba zikhona ezinye izindlela zobufakazi nokwenza abafundi kungasetshenziswa.

Isizathu sokuqala singukuthi abantu abaningi abangakazuzwa emhlabeni baphila empilweni ekhulunywayo lapho abantu betshelana izindaba ngomlomo, befunda izinto ezintsha ezikhulunywayo, befundisana ngawo umlomo. Kululuhlobo lwamasiko izindaba zithathwa ngokuthi izinto ezimqoka zikhumbuleka kalula ziyizindaba. Abantu bamasiko akhulumayo bakhetha izindaba njengento abangafunda kalula ngayo nakuba zikhona ezinye izindlela ebebengafunda ngayo. Bavama ukuchaza

abantu ngokuxoxa izindaba ngabo. Enye indlela yokufundisa ngoNkulunkulu ukuxoxa indaba ngaye nangomsebenzi wakhe. Izindaba zingaxoxwa ziphinde zixoxwe yilabo abaxoxelwe.

Esinye isizathu ngesokuthi abantu abakwazi ukufunda nokubhala yingakho-ke bekhetha okukhulunywayo. Nakuba abanye bekwazi ukufunda nokubhala kodwa kukhona abadala ezinhleni zabo abangeke bafunde noma babhale. Nabafundayo bangakhubazeka kukho abakufundayo nabakuqondayo. Ukunqoba isithiyu sokufunda kuyindlela eyodwa enamandla yokusebenzisa izindaba ukumtshela umuntu nokumyala.

Kwesinye isikhathi iBhayibheli litholakala ngolimi elidayiswa ngalo olusetshenziswa ngabadayisi nezivakashi kungelona ulimi olukhulunywa yilabobantu. Lokho kusho ukuthi amagama enkolo amaningi awaziwa yilabobantu noma awajwayelekile ukusetshenziswa yilabobantu.

Esinye isizathu esisemqoka ngesokuthi izindaba zebhayibheli ziyisu lokuvangela ikakhulukazi kulabo abamvelo yabo imelene nokwethulwa kwevangeli noma labo abamasiko abo angalivumi iVangeli. Akukho kuhlakanipha angadonsa ngakho abalaleli ukuba bezwe into abangafuni ukuyizwa. Kepha uma izindaba zebhayibheli zibajabulisa benogqozi lokuzizwa uMoya oNgcwele angasebenzisa abakuzwayo ukubaphendula ezonweni bezwe isidingo soMsindisi.

Esinye isizathu sokusebenzisa izindaba zeBhayibheli ukunika abantu iBhayibheli elikhulunywayo. Yini iBhayibheli elikhulunywayo na? IBhayibheli eliyizindaba, izaga, amavesi ekhanda abantu abangawakhumbula bawasho kwabanye. Kuphenduka kube yibhayibheli eliphilayo ezinhliziyweni zabo. Ngokwenkumbulo yethu sonke sineBhayibheli elikhulunywayo elinhlobonhlobo ezinhliziyweni zethu lapho sibuyisa ubungako beBhayibheli esinalo emqondweni esalizwa sisebancane ngezindaba, nangezintshumayelo nangokuzifundela thina iBhayibheli silihloa.

Zinhlobozini zezindaba zeBhayibheli ezisetshenziswayo?

SineBhayibheli elikhulunywayo sonke esilwejwayele yilolu indaba enesihloko evama ukuthathelwa esihlokwani sesifundo seBhayibheli. Izindaba ezinesihloko zivama ukusetshenziselwa ukuyala nokwenza abafundi futhi ziyindlela enhle yokunikeza imfundiso elungile njengalokhu iningi lezindaba zezifundo zenzelwa ukunikeza impendulo maqondana nesimo esithile leso. Izindaba ezinezihloko zisebenza kangcono kubantu abavele bezejwayele izindaba nalapho kukhona ukwamukelwa kweBhayibheli nezimfundiso zalo ziqondana nezimpilo zabo. Okubi ngemfundiso enesihloko ngokuthi ngaphandle kokuba izindaba zibe mbalwa nezifundo zibe mbalwa ezisetshenziswayo imfundiso ingahle ihumusheke ngokungeyikho noma yakheke ngokuphambeneyo bese kwakheka ukweduka. Izindaba ezikhuluma ngokwahlulela kukaNkulunkulu kubantu abayizoni kuphela kungenzakube ngathi uNkulunkulu unguNkulunkulu onolaka ohlala efuna ithuba lokubhubhisa abantu. Lezindaba zidinga ukulingana nalezo ezikhafula umusa kaNkulunkulu ziveza indlela yokuphunyuka ekujezisweni kwesono uma isoni sikholwa kuye senza lokho uNkulunkulu athi akwenziwe. Izindaba ezinesihloko zilungile ukusetshenziselwa ukwenza abafundi nokuqeqesha abaholi.

Izindaba ezihlelwe ngokwezikhathi yilezo ezisebenza ngokwezikhathi indaba enye iholele kwenye elandelayo noma ilungiselele ezinye ezilandelayo. Lapho izithunywa zenkolo zifika ezizweni ezintsha zazizingenisa ngayo lemfundiso ukuze bazi, yayiqondiswe ekuzichazeni. Kusho ukuthi babefundisa iBhayibheli ababeqeqeshwe ngayo yasentshonalanga eyayichaza ivesi ngevesi ihumusha okufundiswa yiBhayibheli kodwa kungekho mzamo wokugcina izindaba zeBhayibheli ziyindaba elandwayo. Lokhu akusho ukuthi babenza okungalungile, kwakuyinto yezikhathi ezithile okungebe yindlela yokwandisa njengezindlela zokukhuluma eziqukethe ukuxoxwa kweBhayibheli.

Kulandelelwani ukwenzeka kwezinto ngezikhathi?

Isizathu esikhulu ngukuthi kulandela uhlelo noma indlela ezenzeka ngayo izinto, kusho ukuthi-ke kuyindlela ezihlelwa ngayo izindaba. Abasebenzisa umlando uma bekhulumama bayathanda ukuqala ekuqaleni bayilande indaba njengokwenzeka kwayo. Bazikhumbula kanjalo izindaba ngendlela ezenzeka ngayo. Ukuthatha lokhuya nalokhuya endabeni baxoxe kungahle kubadide.

Kukhona esinye isizathu sokugcina inhlanguanisela yezindaba zemilando. Kulabo abam elene nevangeli, ivangeli eliyinselelo ezinkolweni zabo, kubalulekile ukuba babe nezindaba abafunda kuzo enye nanye. Lokhu yiqulo noma yiqulu lezindaba ezihambisanayo eziqonde ukuhlanganisa ukubiyele iqiniso elithile kangcono. Isibonelo salokhu yizindaba eziphathelene nezithembiso zikaNkulunkulu ku Abrahama ezaqhubeka nezizukulwane kusukela ku Isaka zimshiya ngaphandle u Ishmayeli. Izindikimba eziphakathi ezindabeni nezethembiso nabenza okuthile nokunye, konke lokhu kuzihlanganisa ndawonye izindaba kwenze kube lukhuni ukushintsha indaba ngisho noma ifundisa ongakuthandiyo.

Kubalulekile ukulungiselela abantu ukuba bezwe izindaba ezinhle zoMsindisi. Amalungiselelo amahle alokhu ukuba bezwe izindaba ezimbi isimo sempilo yomuntu eyonakeleyo necala lakhe kuNkulunkulu nokuthi akakwazi ukuzisindisa olakeni lukaNkulunkulu. Ngakho-ke izindaba zeTestamente Elidala zenza isisusa esihle sokunikeza izindaba zikaJesu zingukugcwaliseka kweziprofetho zonke nezethembiso.

Kunezinhlobo ezimbili zokuxoxa ezivame ukusetshenziswa noma kuyindlela yokujwayeza abantu ekuzweni iVangeli.

Enye yindlela eqondene nesimo iyindlela ephumelelayo uma uqondene nomuntu oyedwa noma nemindeni. Yindaba ekhethwa ixoxwe iqondaniswe nesimo umxoxi athole ithuba ngaso. Loluhlobo lokuxoxa lungas etshenziswa umuntu athole isimemo esicela ukuyothandazela ilungu lomndeni noma isidingo somndeni. Yithuba leli lokuphakamisa uJesu ngendaba engasheshiswa ngaphambi kokunikeza umthandazo oceliweyo. Khona-ke umxoxi angazinikela

ukuphinda abuye azoxoxa futhi ngoJesu ethathela ezwini likaNkulunkulu. Izindaba zeBhayibheli zingaxoxwa emishadweni, emingcwabeni nakwezinye izehlakalo lapho indaba iqondana khona nesidingo.

Enye inhlobo ibizwa ngokuthi umkhondo wokusheshisa iVangeli izobuye ichazwe.

Kuqalwaphi lapho kulungiselela ukuxoxa indaba yeBhayibheli?

Kunezinto ezimbili umxoxi okudingeka azazi. Lokhu kusho ukuthi vele usenalo ulwazi olusebenzayo lwezwi likaNkulunkulu.

Okokuqala oxoxayo kudingeka anake amaqiniso eBhayibheli ayisisekelo umuntu adinga ukuwezwa awaqonde ukuze avulekele insindiso. Kukhona uhla oluqokiwe lwamaqiniso ayishumi nambili axoxayo okumelwe awacabange ngenkathi elungiselela. Akusho ukuthi onke lamaqiniso azobe edinga ukwenziwa ngendlela elinganayo lokhu amanye asuke esaziwa noma engadingwa yinkolo asuke enayo. Abanye bangahle badinge usizo olujulile ngenxa yokuba bebanjwe ngamandla yizinkolo zabo nemikhuba yabo yemvelo. Indawo yokuqala ukwembula ubukhosi bukaNkulunkulu obufaka ubukhosi phezu kwezwe lemimoya ngokunjalo naphezu kwezwe lonke elibonwayo nakubantu balo. Abanye badinga ukuqondiswa ngendaba yesono nokuthi singahlawulelwa kanjani. Abanye bahlushwa yindaba yempilo ngemuva kokufa, ukuthi injani, ubani uyakuphi. Okukhulu ngokuthi uNkulunkulu yena uyilungisile indaba yoMsindisi odingekayo ngokwezethembiso zakhe. Nantu uhla luqokiwe:

Amaqiniso Okuqala eBhayibhelinini Aholela Ensindisweni

1. NguNkulunkulu kuphela oyiNkosi, owenza izinto nokhuluma nomuntu.
2. UNkulunkulu unamadla onke, wazi konke, ungumthombo womusa (uthando, ukuthula, isihawu, ukuthethelelwa, insindiso, ukunakekelwa kwezidingo zomuntu).

3. UNkulunkulu uyakhuluma ngeZwi lakhe futhi wethembekile ukuligcina.
4. UNkulunkulu uyamthanda umuntu ofuna ukuba nobudlelwano naye.
5. UNkulunkulu ulungile uyakuzonda ukona.
6. UNkulunkulu uyakujezisa ukona (ukwahlukana noNkulunkulu).
7. Umuntu uyakuzilanda phambi kukaNkulunkulu ngakho konke akushoyo nakwenzayo.
8. Umuntu uyisoni wehlukene noNkulunkulu ngenxa yezono zakhe.
9. Umuntu ngeke enze lutho ukuzisindisa ekwahluleleni okulungileyo kukaNkulunkulu.
10. Umuntu ongasondela (ukuba nobudlelwano) kuNkulunkulu kuphela ngomnikelo opholeleyo (owamukelekayo). Lokhu kufaka ukukholwa nokwethemba kuNkulunkulu.
11. UJesu iNdodana, nguyena Oyedwa owathunywa nguNkulunkulu, ukuba abe kuphela ngumnikelo opholeleyo.
12. Ukusindiswa kufaka ukuphenduka nokukholwa emalungiselelweni kaNkulunkulu anguJesu ukuba abe nguMsindisi neNkosi.

Uhla lwamaqiniso okuqala eBhayibhelini lunikeza isinqumo sohla oluqoqiwe olungumnyombo okhuluma ngamaqiniso. Lolu wuhla lwezindaba ezikhona ezingasetshenziselwa ukuvangela uma oxoxayo engazi kahle ngalabobantu okumiswe ukuya kubo. Loluhla luyinto enhle yokuqala ukwakha uchungechunge lwezindaba zeBhayibheli zokuvangela. Singabakhona isidingo sokuba kutholakale ezinye esikhundleni sezinye uma kubakhona isidingo salabobantu okukhulunywa kubo. Uhla aluvali isikhala sezindaba ezingase zidingeke ukuba zibe yibhuloho phakathi kwezindaba ezinkulu noma kubhekwe izindaba ezithile ezingamaqiniso eBhayibhelini adinga ukunikezwa isikhathi noma imfundiso ejulile. **Loluhla futhi, olukhonjiwe uhla lwezindaba zoqobo, olungasetshenziswa ukuveza amaqiniso eBhayibheli:**

UHLA LWEZINDABA EZINGAXOXWA

1. Ukudalwa komhlaba
 2. Ukudalwa komuntu
 3. Isono sokuqala nokwahlulelwa kuka Adamu no Eva
 4. Ukwahlulelwa kwezwe eligcwele ububi ngezinsuku zikaNowa
 5. Isithembiso sikaNkulunkulu kuAbrahama—*isizukulwane abantu bonke ababezobusiswa ngaso*
 6. UNkulunkulu wawuveza umhlatshelelo esikhundleni sikaIsaka
 7. Iphasika—*igazi newundlu*
 8. UNkulunkulu unikeza umthetho wakhe oNgcwele—*Imiyalo eyishumi*
 9. Indlela Yemihlatshelo—*ukuchitheka kwegazi ukuze limboze izono*
 10. Umbiko wabaProfethi nesithembiso soMkhululi oyohlushwa ngenxa yabantu
 11. Ukuzalwa kukaJesu njengokusho kweziprofetho
 12. Ukubhaphathizwa kukaJesu—*“Bheka iWundlu likaNkulunkulu”, ubufakazi bukaJohane nobukaMoya*
 13. UJesu noNikodemu—*“Umelwe ukuzalwa ngokusha”*
 14. UJesu unamandla okuthethelela isono- *indoda ekhubazekileyo nabangani bayo abane*
 15. UJesu unamandla phezu kwemvelo- *uthulisa ulwandle*
 16. UJesu unamandla phezu kwamademoni- *umuntu onamademoni waseGadara*
 17. UJesu ungukuvuka –*UJesu uvusa uLazaru*
 18. UAbrahama, ULazaru nesicebi – *Umuntu kumelwe akholwe ngumyalezo wabaprofethi esaphila*
 19. Isidlo Sokugcina-*“Lokhu kungumzimba wami owahleshulelwa nina negazi lami elachithekela nina”*
 20. UJesu wakhaphelwa waboshwa, walahlwa ngecala lamanga, wagwetshelwa ukufa njengokweziprofetho
 21. Ukubethelwa – *okwanqunyelwa uJesu “Kuphelile”*
 22. Ukuvuka ukubonakalisa kubafundi nakubalandeli
 23. UJesu ubuyela kuYise, ukwenyuka
- Lezi ezilandelayo ungazikhethela ngokuthanda ngezezinto zikamoya ezisezweni-----*

24. UJesu uMpristi Omkhulu weqiniso (kumaHeberu 8-9), ummeli phambi kukaYise onxusela abakholwayo ngenxa yezono zabo (kwabaseRoma 8:34; Heberu 7:25)
25. Ukubuya kukaJesu ukulanda abakholwayo, ukwahlulela nokujezisa abangakholwa, uSathane nemimoya engcolileyo ukuze kugcwaliseke izethembiso neziprofetho.

Ubuthakathaka obusobala ngaloluhla lomongo ndaba ngukuthi kungenzeka ukuba izinto eziningi ezisemqoka eziqondene nenkolo yalabobantu zingahle zingahlangabezeki ngokwanele. Kwezinye izinhlobo zabantu bangaba nakho ukuqonda ngenxa yezono babe naso isifiso sokwamukelwa nguNkulunkulu babalwe emndenini kaNkulunkulu. Kwabanye abantu kungaba khona imicabango engamaphutha maqondana nobunzima besono nokubangwa yiso, kudlule lapho bacasulwe yinoma iyiphi into ehlanganisa uNkulunkulu nomuntu eyisa ekutheni uNkulunkulu obabazekayo angabanobudlelwano nomuntu. Izindaba ezikhuluma ngokusebenza kukaJesu zikhethelwe ukubeka uJesu enegunya namandla njengoYise.

Isidingo sokuba nokuqonda okwanele ngenqubo yezwe lalabobantu. Oxoxa indaba yeBhayibheli, namuphi-ke umuntu ofuna ukuvangela abantu kumelwe baziqonde izinto eziyisisekelo sempilo yalelozwe. Lokhu kubalulekile ngoba enqubeni yezwe kunemcabango eshoyo ukuba abantu baxoxa kanjani noNkulunkulu ephethe impilo yabo, nokuthi bazibonakalisa kanjani, yini engalungile noma elimazayo nokuthi bakuhlalulela kanjani ukwenza kwabo okungalungile. Umehluko omkhulu omelwe ukwenziwa ukuthi inqubo yalelozwe akumelwe yaziwe ukuze oxoxayo alwe nezinkolo ezidukileyo afake eyobukristu kodwa ukuba afinyelelise abantu ekuboneni isidingo sabo esikhulu somoya abe eqondene nezinkolo zabantu ezithiya ukuqondwa nokwamukelwa kwevangeli. Indlela engcono yokukuchaza lokhu ukuba inqubo yabantu kufanele isetshenziswe ukukhombisa nokufundisa kokusetshenziswa kwamaqiniso eBhayibheli kufakazelane. Lokhu kusho ukuthi izindaba nezihloko ezifanele ukukhethwa ngesikhathi sokuxoxa kumelwe zikuphathe kokubili amaqiniso eBhayibheli nezinqumo zalelozwe. Ukwazi

inkambiso yalelozwe futhi kusiza ukuba wazi izindaba omelwe ukuzigwema ngoba zingadala ukungaqondakali kwevangeli nokwandisa ukuba libe yinto ewubutha kulabobantu.

Ayikho indawo eyenele yokunikeza incazelo ephelele ukuthi inqubo yalelozwe ungayiphatha kanjani. **Kepha nazi ezinye izinhlobo ezisizayo eziphathelele nenqubo okumelwe oxoxayo azazi. Nazi:**

Isidingo esibonakalayo—Lapho abantu bezibona khona ukuthi bayadinga ikakhulukazi kwezikamoya.

Izinguquko kusikompilo labo—Lokhu kulapho kade kwenzeka khona izinguquko, mhlawumbe uMoya oNgcwele abantu abalungiselela ivangeli, la pho kukhona izinguquko eziqhubekayo phakathi kwabantu—isimo sabo salesosikhathi, nezindawo kukhona izinguquko ezivezwa izehlakalo phakathi kwabantu nendawo abahlala kuyo.

Izithiyo ezithiya iVangeli—Lokhu kungaba yikho kokubili izithiyo ezenziwayo njengobutha banoma yisiphi isizathu, noma ezinye izithiyo, nezinto ezivimba ukulalelwa kwevangeli nokwenza okuthile kulo okungabangwa amasiko uqobo lwawo.

Amabhuloho okuwelela eVangelini—Lezi yizinto ezisemasikweni abo eziphathelele nezinkolo abanazo namathemba abo. Kukhona ukuvulekela ukulizwa iVangeli nokuphungula ukwesaba nokungabaza komoya.

Kukhona izinto eziningi ezehlukene ongahlola ngazo lokhu njengokubuzwa imibuzo ephakamisa izindaba namaqiniso ahlola isizwe esithile. Ngale kokuba nalokhu kukhona isidin go sokwahlukanisa izinto okufanele kuqalwe ngazo eziyizindaba ezibalulekile okumelwe kuqalwe ngazo ekuvangeleni. Kuvamise ukuba kutholakale izinto ezi 10-12 eziwuhla lwezithiyo ezidinga amandla okubhekana nazo. Muva-ke ekukhetheni izindaba zeBhayibheli, kuyodingeka izindaba ezixubile zokusiza ezithiyweni ezinkulu zalelozwe. Beka izindaba ezincane

uzibekela izifundo zamuva zokwenza abafundi nokufundisa abakhulwayo asebekhulile ngemuva kokuba isisekelo seBhayibheli esanele sesibekiwe okuzosuselwa kuso.

Uhla olulandelayo ngolwezindaba ezingukhiye ukuhlola nokunquma izindaba zeBhayibheli ezixoxwayo ukuthi yiziphi ezingasebenza kulelozwe.

1. Ulwazi lweBhayibheli nokwenziwa ngalo njengomthombo weqiniso onamandla.
2. Umcabango ojwayelekile wamaKristu ukuthi kuyimpilo ethandekayo noma qha.
3. Ukuqonda ubukhosi bukaNkulunkulu, imvelo yakhe, uBunye bakhe.
4. Ukuqonda ngesono, umsuka waso nokwanda kwaso, ukuvama kwaso kubantu bonke.
5. Imbangela yesono, nokuthi singahlawulwa kanjani, umsebenzi womhlathshelo. Ukuthethelelwa kuyenziwa na?
6. Umsebenzi wezwe lemimoya nokuxhumana kwalo nezwe labaphilayo. Okwesabekayo, ukuzila, ukudambisa.
7. Isimo mayelana nokufa, nempilo emva kokufa, nezindawo zokubusiswa noma nokubongwa, nezinto ezifunekayo ukuze ungene. Umuntu angashiya yini emva 'kokukhokhela isono' noma abalekele isijeziso ngandlelana thize?
8. Ulwazi ngoJesu, ukuthi ungubani, imininingwane yokubuya kwakhe, ukuxhumana kwakhe noNkulunkulu.
9. Ukwenza kukaJesu—ukufundisa kwakhe, ukuthethelela, ukuphilisa, ukuvusa abafuleyo kwakhe, ukuqondisa kwakhe.
10. Ukunikelwa, ukuhlupheka nokufa kukaJesu abe ngumhlathshelo wezono.
11. Isithiyona noma yisiphi esisobala noma esifihlakele esivimba ukulalelwa kwevangeli, ukuliqonda nokuthatha isinyathelo ngalo.
12. Namaphi amabhuloho (ngale kwalawa angenhla) njengalapho uNkulunkulu asebenza khona ukulungiselela isizwe.
13. Umsebenzi obhekene nabacabi ekukhulekeleni ubuNkulunkulu ezimeni zempilo eguqakayo.

14. Ukufunda nokuloba kuluziso ekwabeni iZwi likaNkulunkulu na? IBhayibheli lingolimi lwabo lwenhliziyo na?
15. Bakhetha ukufunda nokufundisa abanye ngayiphi indlela—ngokukhuluma? Noma ngezinye izindlela?
16. Ukufundisa kwangempela kwenziwa kuphi nini? Ngubani owaziwa enguthisha?

Kukhona imibuzo eminingi ukuhlola isimo sokomoya nokusiza ukumisa uhlelo lokubakha evangelinini naseku bafundiseniabantu

Ukulungisa isu leBhayibheli elixoxwayo njengendaba.

Inhlanganisela elandelayo yeBhayibheli iyasiza ukwenza isu lokuvangela, nokuqinisa abasandakukholwa, nokuqalisa ibandla, nokwenza abafundi abakhulwayo abasandakukholwa, nokufinyelela ekugcineni kwendaba yeBhayibheli. Lelisu kufanele lingabonakali lapho lihlanganiswa khona, lesosigaba kufanele sithethelele kwesinye singabonakali, lokhu kwenzeka kungekho-muntu owazisa okuzokwenzeka okulandelayo. Lelisu lokuvangela nokuqalisa ibandla selisetshenziswe emazweni amaningi lapho ukuxoxwa kweBhayibheli kwenziwa khona. Liya qoqa ngokusobala ngokulandelana okuqokethwe iBhayibheli. Isu lisiza kakhulu ukudiliza umsebenzi ube yimigomo engakhulunywa. Amaqiniso eBhayibheli nenqubo yezwe sekuhlanganisiwe kukhombisa imithetho yoqoka izindaba zeBhayibheli nezindikimba zeBhayibheli okumelwe zithuthukiswe kuleso nalesosigaba kubantu okusetshenzwa kubo. Lelisu lenhlanganisela liphakanyisiwe-nje lingaguqulwa njengokwesidingo laphaya. Lowo nalowomgomo omkhulu unohlu lw ezindaba olungasiza maqondana nezinto ezithile.

Nansi-ke imigomo nohla lwezindaba eziqokile:

Umgudu Wokuvangela—Genesis kuya Izenzo 1 (Ukudala kuze kube ukwenyuka.)

Umgudu wokuqinisa Nokubukeza—Genesis kuya Izenzo 1 (Ukubukeza lezondaba ezidingekile.)

Umgudu Wokuqalisa Amabandla—Izenzo 1 kuya Izenzo 12 (Izimilo zebandla leTestamente Elisha.)

Umgudu Wokwenza Abafundi noma Ufuzo—Izenzo 13-28, abaphostoli abakhethiweyo (Ukumisa nokukhulisa abakholwayo bafinyelele esilinganisweni sokumazi uKrestu ngokuphelele.)

Umgudu Wezikhathi Zokugcina—Isambulo nezinye izindima eziphathelele Nezikhathi Zokugcina (Ukuletha udaba lokunqoba nokwenza umkhosi wokunqoba kwebandla nokuxwayiswa kokugcina kwabangakholwayo.)

Lemigudu eyisihlanu iphethe isisekelo sesindaba zeBhayibheli eliyiBhayibheli lokuxoxwa ebantwini. Imigudu lena ingabe yenziwa izikhawu uma kunezinto ezidinga ukugcizelelwa noma iphindaphindwe uma kubonakala ukuthi ukuzwakala kuhamba kancane. Umgudu obucayi kakhulu ngowokuvangela ngoba yiwona owokuqala abantu abaxhumana ngawo nenqubo yezwe isuke iyinselelo.

Emva kwezifundo zokuqala zeBhayibheli sekungabalula ukuqhubeka nezifundo eziqinisa ibandla ngokuqhubeka nohlelo olulandelwayo nokunezezela izindaba ezintsha ezihlelelwe lesosikhathi. Lezizindaba zingaba ngalezizihloko: uthando, ukuthethelela, ukukhonza nokunye, kungaba ukufundisa ubuholi noma yimuphi umkhakha oyisidingo salabobantu. Ukulandelisa ngezikhathi zemilando kugcina inhlanguanisela yezindaba kwenze kube lula ukufaka izindaba ezintsha lapho zingena khona. Umgomo wayo ukunikeza abantu iBhayibheli ligxile ezinhliziyweni zabo bahlale belikhumbula baphile ngalo balihlephulele nabanye.

Izindaba zeBhayibheli zabiwa ngesikhathi sokuxoxa.

Kukhona izigaba ezine zezingxenyane zokuxoxa. Okulandelayo yingxenyane ephelile yengxoxo enezigaba eziphakanyisiwe. Ukusetshenziswa kwaleso nalesosigaba kuya ngoxoxayo nangolwazi lwalabobantu.

Empeleni ingxenyane yokuxoxa ngeBhayibheli AYISIYO inkonzo yokukhonza kodwa yisikhathi sokufundisa. Uma umkhuleko usetshenziswa kufanele ube mfushane uqondiswe esibisisweni esiyizwi nokuvula izinhliziyano zabantu ukuba ziliqondisise. Melana nalabo abanolwazi lwenkolo yobuKristu ukuba bangayenzi ibe yinkonzo yokukhonza. Muva-keuma kwenzekile kwakhona ukuthinteka ngenxa yeVangeli sesingabakhona isizathu sokukhonza ngenxa yokuthethelelwa kwezono nobuhlobo obusha noNkulunkulu obutholakala ngoJesu.

1. Ngaphambi kwengxoxo:

- 1.1. Isibengelelo esiyisingeniso njengokwesiko labo nokwenza okwenziwayo.
- 1.2. Buza ngezinto ezisandakwenzeka emphakathini. Cinga izinto zokuhlanguanisela izifundo ezisandakudlula nezifundo zalesosikhathi.
- 1.3. Buyisa/bukeza izindaba zangaphambili namaqiniso eBhayibheli anezinto ezithile ezifuna ukunakwa eziphathelele nendikimba yesifundo salesosikhathi.
- 1.4. Buza imibuzo yokwakha ithemba, nokuvusa umdlandla. Kulokhu akukho-mpendulo elungile nengalunganga, kodwa ukunake okushiwoyo uyothola kukho izinto oyoziyo esikhathini sendaba eyolandela. Lemibuzo ifana nokufaka “usawoti” kancane ukuze abantu “bayomele” indaba.
- 1.5. Bukeza izindaba “eziwelisela” noma ‘ezihlanguanisela’ ezinye ezidinga ukulungisela noma ukungenisa endabeni yalesosikhathi (Isb: Ukubulala kukaMose umGibhithe okwamshiyisa iGibhithe wayohlala ehlane lapho wahlangana khona noNkulunkulu).
- 1.6. Nikeza umsebenzi wokulalela uma kungasebenza ukulalela izinto ezithile endabeni ukukhulisa ukuhlanguanyela nokuvusa umdlandla. Kungoku “dlala umdlalo.”

2. Funda eBhayibhelini

- 2.1. Thatha iBhayibheli uliphathe ngesandla (noma ngayiphi-ke indlela incwadi Engcwele ephathwa ngayo).

- 2.2. Funda ingxenye yendaba “ukubonisa ukuthi ivela” eBhayibheleni.
- 2.3. Qhubeka ukuliphatha iBhayibheli emva kokuba usuqedile ukufunda.

3. Xoxa indaba:

- 3.1. Xoxa indaba. Ukuphatha iBhayibheli elivuliwe kukhomba ukuthi indaba ivela eBhayibheleni.
- 3.2. Xoxa indaba ibe yindaba kungabi sengathi uchaza okwenziwa nokwashiwo uNkulunkulu, nabantu mabakusho.
- 3.3. Sebenzisa uhlaka lwalokho ozokusho njengokwesidingo uhlanganise umkhathi phakathi kwezikhathi nezehlakalo.
- 3.4. Indaba ixoxe njengoba injalo kodwa uyenze ibe nogqozi usigcine isigqi seBhayibheli.
- 3.5. Ekupheleni kwendaba—YIMA! (Yazi ukuthi uzogcina kuphi, kanjani). Beka phansi iBhayibheli.

4. Hlo abalaleli ukuba bathole amaqiniso endabeni:

- 4.1. Cela othile ayiphinde indaba ayixoxe ngawakhe amazwi (uma uthola ongakwazi ukuxoxa kahle noma ongayixoxi njengoba injalo, cela omunye ongathanda ukuxoxa. Qhubeka ukudoba uze umthole oyoxoxa kahle. Uma ungamtholi phinda uyixoxe wena. Tshela abalaleli ukuthi mhlawumbe bazothanda ukuphinda bayizwe futhi.)
- 4.2. Uma usebenzisa indlela Yomsebenzi Wokulalela yenza abalaleli baphendule. (Funa impendulo ekahle.)
- 4.3. Qhubeka nesikhathi sokuphanda ngemibuzo esobala ubuye uqhubekele kuleyo evusa ukucabanga. Usuke kuleyo uye kwebiza ukuba umuntu kubekhona akwenzayo.
- 4.4. Uma kuvela ukungabi naqiniso ekuphenduleni qhubeka uhlole ngemibuzo enokuhlakanipha. Khululeka ukuphinda uyixoxe indaba uma kudingekile noma ubukeze izindawana ezithile endabeni uma bekwamukela lokho.
- 4.5. Izimpendulo ezingalunganga uziphathe ngosiko lwabo lokukhombisa uzwela olukhulu. (Ngiyabonga ukhona omunye ofuna ukuphendula.)

- 4.6. Ungavumeli imibuzo ngamaqiniso angakembulwa. (Ukuvakashela amaKristu avakashayo kungayenza inkinga lapha. Batshele ukuthi awukafiki kulesosigaba endabeni. Uma usufika kulesosigaba bayoyithola impendulo emibuzweni yabo.)
- 4.7. Kuhlelise ukuphendula imibuzo ongazazi izimpendulo zayo—uyozibheka eZwini likaNkulunkulu izimpendulo. (Mhlawumbe uyayazi impendulo. Lokhu kukhombisa labo obaqeqeshayo ukuba “bangadluli ngokushesha” entweni uma bengayazi. Bakuhlelisele isikhathi esizayo ukuphendula baze babuke eZwini likaNkulunkulu noma babuze komunye owaziyo.)
- 4.8. Qikelela isikhathi esimisiwe sokuqeda lesosigaba sesifundo.
- 4.9. Sebenzisa ivesi lekhandla ukugoqa isifundo leso nokunikeza abalaleli ivesi abangalifihla ezinhliziyweni zabo.
- 4.10. Baxoxele indaba ngawe nangomndeni wakho noma ngabantu bakini.

Khumbula ukuthi lesisigaba sokuxoxa si isibonelo. Lapho kukhona ubutha khona noma okusolisayo kungavele kubuzwe imibuzo enobuciko bese kuxoxwa indaba ngaphandle kokuphendulana, kwethenjwe amandla eZwi ukuthi azoqala ukushintsha isimo. Ngenkathi ithemba likhula, nabalaleli bebuza imibuzo, phendula ngokubakhombisa ezindabeni, indaba kube yiyo ephendula imibuzo. Esikhathini esizayo kungahle kube khona ukuvulekela ezinye izifundo ezinjengazo lezo.

Ukubukeza ukuqhubeka kohlelo lwezikhathi zemilando yezindaba zeBhayibheli.—Nazi izinyathelo zokuqala zokubukeza ezilungiselela ukhlanganisa abantu bakini neBhayibheli elixoxayo:

1. **Cabanga ngamaqiniso eBhayibheli okuqala ensindiso.** Yiba neqiniso eligcwele emqondweni wakho lokuthi iBhayibheli lifundisani ngesono, ngokuthethelelwa nangensindiso. Phinda uhla lwamaqiniso eBhayibheli ubuye uwasho ngawakho amazwi

2. **Hlola inqubo yabantu bakini unomqondo wokubona izithiyozivimba ivangeli.** Kukhona izinto eziningi ezithandekayo okumelwe ukuzazi ngabantu. Yini ODINGA ukuyazi ngaphambi kokuba uqale ukufakaza usho izinto ezilungile nokungafanele uzisho na? Yenza uhla lwezithiyozinkulu nanoma yiziphi izinto ezingamabhuloho asizayo.
3. **Bhala izimo (noma izinhloso) eziyokuholela ekukhetheni izindaba nokubona amaphuzu adinga ukugcizelelwa uma kufundiswa.**
4. **Khetha izindaba zakho uqale ngohla lwezindaba eziyizibonelo noma uhla lwezindaba ezingumongo ulushintshe ukuze luqondane nezinjongo zokufundisa kwakho.** Khumbula ukuzigcina ziwuhlelo olusobala.
5. **Uhla lwakho lwezindaba lulungise** lukwazi ukulingana nesikhathi lapho uhlangana nabantu. Ngabe udinga ukulufishanisa ngenxa yesikhathi sokutshala, isikhathi semvula lapho imigwaqo ingahambeki? Nezinye izici ezingavela kanye nezinhlalo zakho.
6. **Lungisa izindaba zakho** okokuqala uthathe okuseBhayibhelini bese usandisa-ke isifundo sakho ukuze ukhanyise indaba, ikhiphele abalaleli bakho umyalezo.
7. **Hlola izindaba zakho** eqenjini labangani noma eqenjini elincane labantu obaziyo kahle. Yenza izinguquko laphaya nalaphaya ezidingekile njengamasiko nezinye izinhlelo ezidingekile ukuba kuchazeke kahle.
8. **Hlela neziphathimandla** eziqondene naleyondawo ozofundisa kuyo. Khetha indawo esondelene nawo wonke umphakathi ngaphandle uma kunesizathu sokungenzeki. Khumbula ukuthi injongo ingukuba umphakathi wonke utholakale uma kunokwenzeka.

9. **Qala ukufundisa kwakho ulungise lapho kudinga ukulungiswa khona** ohlwini lwezindaba zakho nasesifundweni sakho njengo ku jwayela kwakho.
10. **Qala ukuqeqesha umsizi wakho.** Othile makaqale ithuba labo lokuxoxa izindaba.
11. **Gcina okwenzayo okulotshwe phansi kwansuku zonke, nokubhalwe kahle phansi** okungase kusize.
12. **Cabanga ngokwenzayo nokuthi ukwenzelani** ukuze uqeqeshe abanye ngokuxoxa.

Izihloko ezithile zezindaba zeBhayibheli ekade ziwusizo:

1. **UNkulunkulu ophilayo**—AmaHindu nabakhonza izithombe.
2. **Indlela eya Ekuphileni neZulu**—AbakaBhuda.
3. **Inceku eyahlushwayo**—yalabo abaphila phansi kwezinhlopheko, ukusongelwa noma inhlekelele yemvelo.
4. **Ukuhlonishwa kukaNkulunkulu noMuntu**—Ukuhlola indaba yenhlonipho njengokuba uNkulunkulu wamhlonipha umuntu nomuntu kufanele ahloniphe uNkulunkulu njengalokhu uJesu emhlonipha uYise.
5. **Izindaba zabaProfethi**—zokuqala eqondene naMasulumane
6. **UNkulunkulu nowesifazane**-ukugcizelela umbono wezwe ngowesifazane lapho kunomehluko oqhamile kunowesilisa.
7. **Umpristi Omkhulu Weqiniso**—isidingo senxusa eliqotho elingavezwa nguNkulunkulu kuphela.
8. **Umgwaqo wase-Emawuse**—uhlelewe aMasulumane, ko qoqa umcabango kungani uKristu kwakumelwe ahlushwe aze afe.
9. **Ukuthula noNkulunkulu**—kukhulunywa kumaHindu nalabo abasindwa ukulimala kobuhlobo okubangwa yisono.
10. **Umndeni kaNkulunkulu**—kuqondiswe ekulahlekeni kobuhlobo noNkulunkulu ngesono nokubuyiselwa kobuhlobo lapho kuba khona ukuphenduka, ukuthehthelelwa kwesono nokusindiswa (ukukhululwa).

Ukusebenza kwendikimba ku siza ukukhulisa izihlokwana zesifundo, nokufundisa nemibuzo.

Ukusetshenziswa kweBhayibheli elixoxwayo kusiza ezinhlosweni ezinhlobonhlobo zokuhambisa iVangeli—kuyashesha kuyini?

Ukuhambisa iVangeli-ngokushesha ngokuxoxa izindaba zeBhayibheli ngendlela yokulandelana okuqhubekayo kusukela ephuzwini elithile (ukudalwa) kuze kufinyelele endabeni kaJesu. Kungenziwa ngezikhathi ezingalingani kusukela ehoreni kuya ezinsukwini ezimbalwa kungaya ngokuthi yizindaba ezingaki ezisetshenziswayo nokuthi indaba iyinye izoba nezinto ezingakanani okuzogxilwa kuzo. Kulendlela okuthiwa Umkhondo-osheshayo oxoxayo akemi enze ezinye izigaba zokufundisa ngokuphendulana nangemibuzo. Kunalokho izindaba ziza ngokulandelana okwenza umuntu acabange. Kuyazeka ukuthi abalaleli ngeke bakhumbule konke abakuzwayo, kodwa bayakuthola ukuqonda, bayasithola nesithombe esicace kahle sendaba yeBhayibheli esibenza babone lapho kuqondwe khona.

Umkhondo osheshayo usiza kanjani? Okokuqala, ungasetshenziswa ukuhlola uthando nempendulo enokwenzeka evangelini. Lendlela iyashesha ayinikezi isikhathi sokuqina kwenhliziyo okwenza kubekhona indaba engangeni kahle. Uma yenziwa kahle bavama ukuvuma abalaleli ukulalela nanxa bengavumelani nabakuzwayo, nanoma kuyinselelo ezinkolweni zabo. Uma abalaleli bethintekile noma benothando lokuzwa okunye ubosebenzisa isu lokuxoxa lokhu okujwayelekile.

Okwesibili, Indlela esheshayo iyasiza ukuhlola inqubo yalelozwe, ekuhlanganiseni izindaba zokoxoxwa. Kuyamvikela umuntu ekusebenziseni amaviki amaningi noma izinyanga ehlolisisa lezondaba ukuze abone noma zishaya khona.

Okwesithathu, Lendlela yomkhondo osheshayo ungasetshenziswa isikhathi esingaphezu kosuku noma izinsuku ezimbalwa kubantu abangenakutholakala isikhathi eside ngenxa yezizathu ezithile noma zizathu zini.

Okwesine, Umkhondo osheshayo ungasetshenziswa ukubamba isikhathi uma uceliwe ukuba ube nesikhashana nomphakathi uwenze ngemuva komsebenzi okade uwuzele lapho. Olunye uhlobo lwesibonelo ukuba ngesikhathi usalindele ukudla kusalungiswa uma ubuceliwe ukuba udle nabo emva kokuthandaza nomndeni noma namalungu omphakathi. Ubohlala ubamba ithuba ubatshela ukuthi angafika omunye ukuxoxa kabanzi nabo ukuze bezwe kangcono. Ngokujwayelekile abantu bayathanda ukuzwa izindaba ziphindwaphindwa ukuze bakhululeke bazizwe kangcono.

Okwesihlanu, Ukwenza umkhondo osheshayo ngeTestamente Elidala yindlela enhle kakhulu yokulungiselela abantu ukuba bakhonjiswe isithombe (ifilm) ngoJesu. Kungcono futhi ukwenza umkhondo osheshayo ngezindaba zeVangeli ngokukaLuka ulandela uchungechunge lwezindaba zikaJesu ezisesithombeni ukuze basiqonde kangcono isithombe ngoba uqale ngokubalungiselela.

Nokwesithupha, Umkhondo-osheshayo onciphisiwe wenzelwa ithuba elifushane ungasetshenziswa ezibhedlela ekuvakasheleni umbhede ngombhede roma uwusebenzise lapho uhamba endleleni noma lapho uvakashela imizi.

Ukusebenzisa izithombe zeBhayibheli lapho uxoxa—Isisho sakudala esithi umfanekiso okahle ulingana namazwi ayinkulungwane. Lokhu kuyiqiniso nganxanye. Imifanekiso inobuhle bayo nokungekuhle ngayo. Imifanekiso elungile yokufundisa iBhayibheli ingaba wusizo olukhulu ekuxoxeni izindaba zeBhayibheli nokwenza umuntu obengenakwamukeleka njengothisha amukelwe ngenxa yemifanekiso ayiphetheyo (athathwe njengonolwazi olunzulu lwezindaba).

Usizo lwemifanekiso (izithombe):

Imifanekiso isiza ukukhanyisa ukuhlelwa kwendaba, nokuhlangana kwayo noma namuphi umsebenzi ongajwayelekile kubalaleli. (Ama Althare nemihlatshelo, itabanakele, ukugcoba, ukubethelwa)

Imifanekiso ekubukezeni izindaba zokuqala iw usizo kakhulu ngoba okubonwayo kuhlanganiswa nendaba bese kuyakhumbuleka.

Imifanekiso ingasiza ukugcina ukuhamba kwendaba ngesikhathi zibekwa ngokulandelana. Imifanekiso ingasiza ukuveza iqiniso elisemqoka lendaba noma isigqoko sendaba.

Imifanekiso inganikeza isibindi (nokuqondisa) kosabayo nosandakuqala ukuxoxa.

Imifanekiso enengqikithi yendaba ikhulula ekubambekeni ngamahloni okudalwa yisiko ekuxoxeni lezondaba.

Imifanekiso eminingi idala ukuthinteka kwenhliziyo emasikweni athile—indodana yolahleko ezinyaweni zikayise, owesifazane esula izinyawo zikaJesu ngezinwele zakhe.

Imifanekiso, enemibala ethile imele ukuchaza izigaba ezithile endabeni njengokuchitheka kwegazi emhlatshelweni yeTestamente Elidala nelikaJesu esiphambanweni.

Okungekühle ngemifanekiso:

Ukubiza nokutholakala.

Ukuveza kwezithombe kungase kubaxoxi abasha kusho ukuthi ngeke uyixoxe indaba ingekho imifanekiso. (Cabanga ngaphambi kokugxuma!)

Ingahle iveze izinto ezingahambisani nesiko—ubude bezingubo kwabesifazane, uJesu nowesifazane waseSamariya eyedwa emthonjeni, nokunye.

Umfanekiso ungahle uqondise kokungekhona okuqondwe yindaba—uNowa namadodana bakha umkhumbi, nokunye.

Uma ivezwa ngabangekho emkhakheni wokuvangela bangase baveze umbhaphathizo ngokungesilo iqiniso.

Ukuguga ngenxa yokusetshenziswa njalo, nokubekeka kabi lapho igcinwa khona, nezindlela ethuthwa isuka lapha iya laphaya bese idinga ukuba kuthengwe eminye yokuvala leyo egugileyo.

Imifanekiso yabaprofethi ivama ukungemukeleki kuMasulumane angafuni izinto ezintsha.

Imifanekiso enengqikithi yendaba ikhulula ekubanjweni ngamahloni adalwa yisiko ngokukhombisa ngezambatho, ngohlobo nangobuso kepha ngokomlando akulona iqiniso. Ekufundiseni isifundo ubuqiniso bendaba kuyalingana nokukhalipha kewsifundo.

Uboyihlola imifan ekiso njalo nje ngaphambi kokuba uyisebenzise ubone ukuthi yimiphi engamukeleki nengakhulumi kahle.

Uqeqesho lwezisebenzi ezixoxa ngeBhayibheli luyadingeka. Izindaba zeBhayibheli zona ngokwazo ziwumthombo omuhle wokufundisa imithetho yobuholi obuhle nokw ahlukana imithetho yobuholi obubana. Ukuyenza into kwenza ugcine usuyenza kahle, usungumpetha. Wonke umxoxi wezindaba zeBhayibheli uyoba nendlela yakhe axoxa ngayo. Kuthatha isikhathi eside nokubekezela ukuba ube ngumxoxi ophumelelayo ngaphandle kokubukela okubhalwe phansi njalo nje. Kubiza omkhulu umzamo. UMUNTU WOKUQALA oyoguqulwa yizindaba NGUWENA oxoxayo. IZwi likaNkulunkulu ngeke

lize lifane kuwe.uyoziphila izindaba. Uyowenza amaphutha, sonke siyawenza. Khumbula ngisho ingane ingayixoxa indaba, nawe ungakwenza. Izindaba ozoxoxa ngezabantu abadala, ziyobenza bacabange ngokuthi ingunaphakade bayolichitha kuphi abalaleli.

Kukhona abaqeqeshi babaxoxi bezindaba zeBhayibheli njengami abakhona ukweluleka uma isikhathi sivuma bayokunika indlela yokuthuthukisa isu lokuxoxa kwakho izindaba zeBhayibheli kube ngokukhaliphile. UNkulunkulu akubusise USAXOXA INDABA.

J.O. Terry, 2 Marine Vista, #10-75 Neptune Court, Republic of Singapore 449026
Or: International Mission Board/SBC Box 6767 Richmond, Va.23230

XI. Ukuxoxwa Kwezindaba ZeBhayibheli

Ngu: Jackson Day

Izindaba zeBhayibheli zingenisa izindaba zomlando ezilandwa yiBhayibheli nemifanekiso elandwa nguJesu. Izindaba yilona luhlobo lokufundwayo eBhayibhelini. Ezincwadini ezingamashumi amathathu nane zeTestamente Elidala ziqukethe izindaba zezehlakalo. Izincwadi zeTestamente Elidala ezilandelayo ziqukethe imilando: uGenesise, uJoshuwa, Abahluleli, uRuthe, I no II Samuweli, I no II Amakhosi, I no II iziKronike, uEzra, uNehemiya, uEsteri, uDaniyele, uJona noHagari. Izingxenye ezinkulu zawo Eksodusi, uNumeri, uJobe, uIsaya, uJeremiya noHezekeli banezindaba zomlando. Izincwadi ezingamashumi amabili nesikhombisa zeTestamente Elisha zinengxube yezindaba, izifundiso umyalo, inkulumo, izixwayiso neziprofetho. Yileyo naleyoncwadi yeTestamente Elisha inezindaba. Inxenye enkulu yamavangeli ngokukaMathewu, ngokukaMarku, NgokukaLuka, ngokukaJohane iyizindaba zomlando, cishe yonke incwadi yeIzenzo iyinkulumo yezinto okukhulunywa ngazo ngoba zenzekile izikhathi ngezikhathi.

Izindaba zeBhayibheli ziyizikhali zikaNkulunkulu ezinkulu zokufundisa amaqiniso akhe.

Sebenzisa izindaba zeBhayibheli kulabo abajwayele ukuzenqaba izifundiso zeBhayibheli.

Izindaba yindlela engcono yokuguqula kancane isimo kulabo abajwayele ukuzenqaba izifundiso zeBhayibheli. Izindaba ezixoxwayo zeBhayibheli zingazuza ukulalelwa ngabantu abamelene nokunikwa amaqiniso evangeli bukhoma. Ingane enguSipho yayingenakuligwinya iphilisi. Noma unina wayengazama kanjani lalingehli. Ukusongela nokushaya noma nokuthembisa amaswidi konke kwakungenzi mehluko, iphilisi laligcina lilokhu lihlezi esihlokwani solimi. Ekugcineni unina wabe esyalithola isu elasebenzayo. Wasika isithelo esincane walivula wafaka phakathi iphilisi wawala wamnika uSipho. Wakwazi ukugwinya elinephilisi elifihlwe phakathi nakuba kade lingagwinyeki iphilisi noma lilincane. Izindaba zeBhayibheli isithelo esimnandi okuqoqa amaqiniso okulukhuni ukuwagwinya. Lapho iqiniso lingemukeleki khona, iyamukeleka ngokuyifaka esithelweni esimnandi njengendaba yokuxoxwa.

Izindaba zeBhayibheli ziyasiza ukuthola abalaleli kulabo abangenandaba nevangeli. Abanye abanasifiso sokulalela ivangeli ngoba bengenandaba nalo hayi ngoba benobutha nalo. Bayafuna nje injabulo bengenandaba namaqiniso kaNkulunkulu. Omunye angafuna ukubajabulisa ukubadonsa ngazo izindaba ukuze basondele ukulalela iZwi likaNkulunkulu. Indaba yeBhayibheli iphenduka isithelo esimnandi ngenkathi egwinya indaba, iqiniso likaNkulunkulu lingamguqula noma yena umlaleli ubeze ukuzozijabulisa.

Sebenzisa izindaba zeBhayibheli emkhondweni wokuxoxa, zisebenzise ngayodwa noma ziwuchungechunge.

Emkhondweni wokuxoxa

Indlela engcono yokufundisa amaqiniso kaNkulunkulu ukulandela okusemlandweni. Selokhu uNKulunkulu wayambula imibhalo ngesimo nengqikithi yomlando. IBhayibheli linomlando umiswe ngokulandelana futhi liyodluliselwa kangcono likhanye kangcono uma labiwa ngendlela yokulandela uhlelo elabhalwa ngalo ukuthathela kuGenesis kuya ku Isambulo. Umkhondo wokuxoxa uqala ngendalo kuGenesis kuqhubeka neTestamente Elidala, kuphatha ukuphila, ukufa, ukuvuka nokwenyuka kukaJesu, kuqhubeka nencwadi ye Zenzo, kufake izincwadi zabaphostoli ngokwehlelo lezikhathi emlandweni ngezindaba bese kugcina ngezikhathi zokugcina.

Umkhondo wokuxoxa unamandla kakhulu kulabo abonolwazi oluncane lweBhayibheli. Landa izindaba zeTestamente Elidala ezigcizelela isimo sikaNkulunkulu nokuthi umuntu unesimo sokona. Emva kwalokho landa izindaba eTestamente Elisha emavangelini ngempilo kaJesu, abantu abamlandelayo, ukubethelwa, nokuvuka kwakhe. Gcina ngezindaba ezise ncwadini yeZenzo ngalabo abaphenduka.

Umkhondo wokuxoxa izindaba eziningi uhlelo lwezindaba ezixoxa kanyekanye ziphindwaphindwe kubona labo abalaleli ngenxa yezizathu ezehlukene. Zijika njengesondo kangangoba ezinye izindaba ziphindwa kaningi azixoxwa isikhathi esisodwa. Lelonalelo sondo lezindaba linenhloso ecacileyo. Izindaba ezigcizelelwa kulowo nalowomkhondo zikhethelwe ukuhlangabeza izidingo zabalaleli abasimo sabo sokomoya sibabeka kubwomkhondo. Umkhondo wokuxoxa izindaba eziningi udala eminye imikhondo. Ngigcizelela emithathu: umkhondo wokuxoxa Okuvangelayo, uMkhondo Wokuxoxa Owenza Abafundi, noMkhondo Wokuxoxa Kokuqeqesha Abaholi. Umkhondo Wokuxoxa Izindaba Eziningi ngamasu avama ukusetshenziswa ezizweni zabantu abangakafundi noma amaqembu abantu abamelene nobuKristu. Kukhona okunye okungenziwa ngeMikhondo Yokuxoxa izindaba Eziningi.

Umkhondo Wokuxoxa Indaba Eyodwa inikeza izindaba eziningi zeBhayibheli ngesikhathi esisodwa ezihlelwe ngokulandelana. Kugcizelewa amaqiniso aleyo naleyondaba aphaathelene nezidingo zabalaleli. Umkhondo Wokuxoxa Indaba Eyodwa iwusizo lapho kuvangelwa noma kufundiswa abantu abangamaqembu anolimi olubhalwayo nabajwayelene nobuKristu.

Uchungechunge lwemfundo noma lwezintshumayelo

Kunezindlela eziningi zokusebenzisa izindaba zeBhayibheli eziwuhlelo. Njengalezi:

- abantu okukhulunywa ngabo kakhulu kuGenesis;
- izimangaliso eTestamente Elidala;
- abaprofethi abakhulu;
- imifanekiso kaJesu;
- izimangaliso zikaJesu;
- abantu abake bakhuluma noJesu bebodwa;
- abantu abanconywa nguJesu;
- izehlakalo ezenzeka ebandleni lokuqala;
- izehlakalo ezenzeka empilweni kaPawulu;

Indaba ekhethoke yodwa

Indaba ekhethoke yodwa yethulwa eqenjini labantu abathile kuqondane nento ethile ngesikhathi esithile. Ingxoxo ethile ekhethekile kukhulunywa okushiwo yiBhayibheli okungesiwo umkhondo wokuxoxa noma uchungechunge lwezindaba, kuyazimela nje kodwa.

Uhlobo lwendaba ezimele yodwa iqondana nesimo njengomngcwabo, umshado, isimemo sokuvakashela ogulayo, umkhosi wosuku lokuzalwa, umgubho wokukhumbula okuthile. Xoxa indaba eyodwa noma ezimbili eziqondana nesimo lesa.

Njengokuthi:

--Umalusi webandla osemusha wacelwa ukuba akhulume emngcwabeni wenkosikazi endala ebandleni. Waxoxa indaba

kaPetro evusa uDorka, wathi “Njengalokhu abesifazane ababekhala bekhombisa uPetro izingubo ezazithungwe nguDorka, silapha ukukhumbula imisebnszi kaNkkz Khumalo. UPetro wavusa uDorka kwabafuleyo nathi ekudabukeni kwethu siyaduduzeka ngoba ukukholwa kuJesu kukaNkkz Khumalo kuyohlala kuye ekuvukeni athokoze ngempilo entsha”.

Indaba yeBhayibheli ekhetheke yodwa ingasetshenziswa ukuqqa umbuzo othile noma isidingo somoya. Kanje:
--Umlaleli ukholwa ngukuthi isigebengu ngeke sas indiswa. Umxoxi wendaba angasebenzisa indaba yesela elasindiswa lisesiphambanweni, noma ukuphenduka kukaSawulu lokhu kuchaza ukuthi weza ukufuna nokusindisa ngisho izigebengu.
--Umuntu osemusha ekukholweni ubuyela ekuphuzeni uphinda uyadakwa. Amanye amalungu ebandla awathandi ukunikeza elinye ithuba kumuntu ohlehlileyo. Indaba kaJesu bekhuluma noPetro emva kokubekwa kwakhe icala ingasetshenziswa.

IHLAZIYWA KANJANI INDABA YEBHAYIBHELI

Ngaphambi kokuba ube umxoxi wendaba obukhali, noma umshumayeli-mfundisi, umuntu kumelwe abe ngokwaziyo ukuhlaziya indaba uma esebenzisa indlela yokuxoxa. Izinyathelo ezilandelayo zichaza ukuthi ungayihlaziya kanjani indaba yeBhayibheli. Funda , uphinde ufunde, ubuye ufunde, uphinde kaningi. Indawo leyo ephethe indaba yeBhayibheli ofuna ukuyixoxa yifunde izikhathi eziningana. Kuyosiza ukuyifunda indaba leyo, usebenzise amahumusho ahlukene eBhayibheli.

Bhekisisa isimo sendaba

Indaba yoqobo ilandela kulesisakhiwo esilandelayo:
--ukwenzeka ngokulandelana inkinga eyenzeke ngakho noma ukumiswa kwayo noma isidingo ukudaleka kwaso noma ukubonakala kwaso.

--ukulandelana kwesigigaba indaba eyenzeke ngakho nokukhula kwenkinga nokuphambana nemizamo yokulungiswa kwakho.

--ukufinyelela esiphethweni sendaba ngokulandelana.

Izinyathelo ezikhomba isakhiwo sendaba

1. Cabanga ngomongo wesakhiwo sendaba.

Umongo wendaba ubhekisisa ingemuva layo: ngubani owayixoxayo, ngokomlando yayihlelwe ngandlelani, zigigaba – zini ezavela ngaphambi kokuba yenzeke ezabangela ukuba ixoxwe. Cabanga ukuthi umongo (indima yendaba yeBhayibheli ngaphambili nangemuva kokulotshwa kwayo) wambula ukuthi izimo zazinjani emlandweni nenhloso yendaba yabe iyini.

2. Thola umuntu noma abantu abagqamileyo.

Khomba umuntu noma abantu abagqamileyo endabeni. Thola ukuthi yimuphi umuntu oqhamile engxoxweni. Ezinye izindaba ziba nomuntu oyedwa oqhamile; ezinye ziba nabangaphezu koyedwa abavelile.

3. Thola indawo egqamileyo.

Thola indawo esemqoka lapho lezizinto zenzeka khona. Kwezinye izindaba kuyadingeka ukuba kw aziwe ukuthi leyonto yenzeka kuphi ukuze izwakale kahle. Kwezinye akunjalo.

4. Thola izinto eziphindaphindekayo ezigqamileyo.

Amagama, nezindikimba, namaqiniso noma imiqondo ivama ukuhlenganisa izehlakalo endabeni yeBhayibheli, leyo ephindwa njengalokhu injalo noma kunomehlukwana omncane. Impinda ezindabeni zeBhayibheli yenziwa ukuze igcizelele amaqiniso athile, ukwakha iziqongo noma ukuveza imizwa enamandla. Njengalokhu

impinda yenziwa ngamabomu kubalulekile ukunaka lapho kukhona ukuphindaphinda.

Njengalokhu: Endabeni kaJosefa endlini kaPotifari Kukhona ukuphindaphindwa kwamaqiniso:

UJehova wayenaye uJosefa (uGenesise 39:2, 21, 23);

UJosefa wabe eyinduna phezu kwendlu kaPotifari

(uGenesise 39:4, 6, 8, 9);

Unkosikazi kaPotifari wamema uJosefa ukuba akale naye

(uGenesise 39:7, 10, 12).

5. Thola isimo esigqamileyo esiveziwe yindaba.

Izindaba ziveza izimo nemizwa. Indaba ingaveza isimo esilungile noma esingalungile. Ukudela ukuphila, ukulunga, ukulwa, ukushaqeka, ukwesaba, ukudabuka ubuhlungu, uthando, ukujabula, ukumangala nokwethusa yizimo ongaziveza ngezindaba ezixoxwayo. Oxoxayo kufanele aveze isimo ekuxoxeni njengoba sinjalo eBhayibhelini. Udinga ukusiza abalaleli bakhe ukuba bezwe imizwa enjengaleyo ezeziweyo endabeni eseBhayibhelini.

6. Thola inkinga egqamileyo.

Izindaba ziqala ngenkinga noma isidingo esikhulayo size sibe izigigaba eziwuchungechunge size sibe yintaba. Ukuqala kwezigigaba zendaba yeBhayibheli kuyaye kudale noma kukhombela enkulu eyenza ukuba indaba iqondakale. Izibonelo zezinkinga ezitholakala ezindabeni zeBhayibheli: izitha, ukuphikiswa, ukuphambana, ukucindezelwa, ingozi, isidingo esingahlangatshenzwa, umgomo obungatholwa ngumuntu oyedwa usufunwa yiningi, intando kaNkulunkulu iphambana nezifiso zomuntu. Umuntu udinga ukuthola inkinga noma isidingo esikhulu esivezwe ekuqaleni kwendaba.

7. Bhekisisa okuphathelene nezigigaba ngohlelo lokulandelana kwazo.

Izindaba zeBhayibheli zimiswe ngokochungechunge lwezigigaba. Umuntu udinga ukukhomba uhlalwezigigaba kusukela ekuqaleni kuze kubesekupheleni kwendaba. Izindaba ziqala ngenkinga noma isidingo esikhulayo ngochungechunge lwezigigaba olukhulayo lufinyelele esicongweni. Indaba ngobunjalo bayo bezinkinga, nokulwa kuze kufike emphumeleni wokugcina uvezwa yimizamo yokulungisa. Leso nalesosehlakalo esenza inkinga ibe lukhuni noma lowo nalowomzamo ekutholeni isixazululo uyisigigaba endabeni. Ezinye izindaba ziyindida zinezigatshana ezinemigomo phakathi kwemigomo. Kukhona ukuphendukela okuningi endabeni eyindida. Lesosigatshana, umgomo, icebo lokujikajika kwesehlakalo noma nokuthuthuka okusha kuyisigigaba endabeni. Qaphela uhlelo izigigaba ezilandwa ngalo.

Ngemuva kokuthola inkinga eqhamileyo, buka ukulandelana kwezihlakalo indaba ize ifinyelele esicongweni.

8. Thola isicongo sendaba.

Izindaba ziqala ngenkinga noma ngesidingo esikhulisa uhide lwezigigaba kuze kufinyelelwe esicongweni. Kunokuxhumana phakathi kwenkinga egqamileyo eyethulwa ekuqaleni kwendaba nasesicongweni sayo. Kunokufanana kwezinkinga, kokuphambana, nokwemizamo yokulungisa kuze kufike lapho kunomphumela wokugcina, odabukisayo noma ojabulisayo. Ezinye izindaba zigcina ngalokho ekade kufanele ezinye ngokungafanele. Thola ukuthi kwenzekani kuleyompilo ekade izama ukuqaqqa inkinga noma ekade izama ukwanelisa isidingo esabe siyisiqu sendaba, umphumela waba yini.

Thola izifundo ebezivezwa yindaba

Thola izifundo noma amaqiniso asemqoka abefundiswa yindaba, uwabhale phansi. Cinga izifundo eziqavile ezifundiswe yindaba. Zidwebele noma beka uphawu kulezizifundo okubaluleke kakhulu ukukhuluma ngazo kubafundi noma kubalaleli bakhe umuntu. Nakuyiphi indaba yeBhayibheli umuntu angazithola izifundo ezibalulekile. Ngeke kwenzeka

ukuba uzisebenzise zonke esifundweni noma entshumayelweni eyodwa. Zikhethe uzibeke uphawu lezo ozozisebenzisa.

ISIBONELO SOKUHLAZIYA INDABA YEBHAYIBHELI

INDABA: Ukulingwa kukaJosefa

ITEKISI: uGenesis 39:1-23

ISAKHIWO:

UMONGO WENDABA:

Abaforwabo bakaJosefa bamthengisa ezigqilini ezazingabadayisi (Gen. 37). UJosefa wadayiswa eGibhithe kuPotifari owabe eyinduna yemilindankosi kaFaro (Gen. 39:1).

Umuntu ogqamile: uJosefa

Indawo egqamileyo: eGibhithe, emzini kaPotifari

Izinto eziphindaphindekayo ezigqamile:

--“uJehova wayenaye uJosefa” (39:2, 3, 21, 23).

--uPotifari wabeka uJosefa phezu kwakho konke anakho (39:4, 5, 6, 8).

--umkaPotifari wamema uJosefa ukuba alale naye (39:7, 9, 12)

--umkaPotifari wamangalela uJosefa ngokwenqaba ukulala naye, wamangalela ezincekwini (39:14-15) nasenkosini yakhe (39:17-18).

Izimo ezigqamile:

-Ithemba lingavela endaweni yokulahlala ithemba:

>Isigqila uJosefa uphenduka isibusiso (39:1-5).

>uJosefa uyalingwa kodwa wema (39:9-12).

>uJosefa umangalelwa ngamanga kodwa uyaphumelela ejele (39:14-23).

UmkaPotifari ufisa ukulala noJosefa (39:7-11).

UJosefa wenqaba isilingo sokuphinga (39:8-12).

UPotifari wavutha ngolaka lapho ezwa ukumangala komkakhe emangalela uJosefa (39:19).

Inkinga egqamileyo: UmkaPotifari umema uJosefa ukuba alale naye.

Okuphathelene nezigqamile ngohlelo lokulandelana kwazo:

--uJosefa wasiwa eGibhithe wathengwa nguPotifari (39:1).

--uJehova wayenaye uJosefa (39:2).

--uJosefa wathola umusa kuPotifari wabangumphathi phezu kwakho konke anakho (39:4-6).

--uJosefa wayemuhle, umkankosi yakhe wammema wathi “Lala nami” (39:7).

--uJosefa wala wathi, “inkosi yami, inikele konke okwayo esandleni sami; ayinkulu kunami kulendlu; futhi ayingigoddelanga lutho kuphela wena, ngokuba ungumkayo; pho, ngingenza kanjani lobobubi obungaka, ngone kuNkulunkulu, na?” (39:8-9)

--UmkaPotifari wakhuluma kuJosefa izinsuku ngezinsuku, akamlalelanga ukuba alale naye, nokuba abe-naye (39:10).

--Lusuku lumbe uJosefa enaye bobabili endlini, wambamba ngebhantshi lakhe. Washiya ibhantshi ezandleni zowesifazane wabaleka (39:11-12).

--Owesifazane wabiza izinceku zakhe wathi: “LomHeberu uze kimi ukuba alale nami; ngamemeza ngezwi elikhulu; wathi ezwa ukuthi ngiphakamisa izwi ngimemeza; washiya ingubo yakhe eceleni kwami, waphuma wabaleka” (39:13-19).

--Lapho uPotifari esebuyile wamtshela wathi, “Lenceku engumHeberu, osilethele yona ize kimi ukuba ilale nami, kwathi ukuba ngiphakamisa izwi lami ngimemeza yashiya ingubo yayo kimi, yabalekela phandle.” (39:17-18)

--uPotifari wavutha ngolaka, wafaka uJosefa ejele kanye neziboshwa zenkosi (39:19-20).

--UJehova wayenaye uJosefa ejele (39:21).

Isicongo sendaba: UJosefa wafakwa ejele kepha uNkulunkulu wayenaye (39:20-21).

IZIFUNDO EZIFUNDISWA YINDABA:

1. Umuntu okhonza uNkulunkulu angahlushwa ngokungekho emthethweni. UJosefa wadayiswa waba isigqila (39:1)

emveni kwalokho waboshwa ngokumangalelwa ngamanga (39:20).

2. UNkulunkulu uhlala enabo labo abathembekile kuye. UNkulunkulu wayenaye uJosefa (39:2, 21, 23; AmaHubo 46:1-2).
3. Lapho abangakholwa kuNkulunkulu bebona ukuthi uNkulunkulu uyayibusisa inceku yakhe, inceku isuke iveza ubufakazi obuhle. UPotifari wabona ukuthi uNkulunkulu unaye uJosefa (39:3).
4. Labo abangamkhonzi uNkulunkulu bangabusiswa ngobudlelwano babo nabakholwayo kuNkulunkulu. UNkulunkulu wambusisa uPotifari ngenxa kaJosefa (39:5).
5. Labo abakhonza uNkulunkulu baphansi kokulingwa okunamandla. Umfana weminyaka eyishumi nesikhombisa onguJosefa walingwa ukuba alale nomkankosi yakhe (39:7,10-12).
6. Umuntu angaba yimpumpu the emagugwini alungile. UmkaPotifari wayeyimpumpu the ekuboneni ukubaluleka kwamagugu alungile ekhaya (39:7).
7. Ukukholwa kuNkulunkulu kunika umuntu isizathu sokumelana nesilingo. Ukukholwa kukaJosefa kuNkulunkulu kwamnika ukuba abone ukuthi ukuphamba inkosi yakhe kuyisono (39:9).
8. Ukwenza okungalungile komunye umuntu kuyisono kuNkulunkulu. UJosefa wabona ukuthi ukwenza ukungathembeki enkosini yakhe kungukona kuNkulunkulu (39:9).
9. Umuntu olinga abanye ukuba bone angahle amenyanye umuntu omelana naso isilingo. UmkaPotifari walinga uJosefa

ukuba alale naye, wabe esefuna into yokuphindisa uma enqaba (39:13-19).

10. Umuntu ozinikelayo esilingweni uye asole abanye. UmkaPotifari akazisolanga ngomsebenzi wokuyenga uJosefa wasebenzisa ukusala kwebhantshi ngenkathi ebaleka, wammangalela ngamanga (39:13-14).
11. Izinceku zikaNkulunkulu zihlala kulomhlaba owonakeleyo zingase zihlushwe ngokungekho emthethweni kuyimbangela yokwenza okulungileyo. Lapho uJosefa emelana nesilingo sokuphinga wammangalelwa ngamanga, waboshwa (39:20).
12. UNkulunkulu uba nazo izinceku zakhe ezihlushwa ngokungekho emthethweni. UNkulunkulu waye naye uJosefa (39:2-5, 23).

IZINDLELA ZOKUKHULUMA NGEZINDABA ZEBHAYIBHELI

Izindlela ezahlukene zokukhuluma zingasetshenziswa ezindabeni zeBhayibheli. Kwezinye izindlela indaba iyaxoxwa kube kuphela; kwezinye isetshenziswa njengesifundiso nanjengesikhali sokushumayela. Oku landelayo kuchaza izindlela ezisemthethweni ezisethenzisiwe.

Ukuxoxa Indaba

Ukuxoxa okumsulwa kungukulanda indaba yeBhayibheli wethembeke emaqinisweni eBhayibheli. Uma indaba isiphelile, nomxoxi naye eseqedile. Umxoxi ugwema noma yikuphi okuphambuka emaqinisweni abhaliwe eBhayibheli nokho ekhululekile ukusebenzisa awakhe amazwi, achaze kafushane amaphuzu angajwayelekile kubalaleli bakhe.

Lendlela ivama ukulanda izindaba ngohlelo lokulandelana, kulandwa indaba eyodwa noma eziningi ngasikhathi sinye.

Ukuxoxa iBhayibheli ngezigaba kuvamile kubaxoxi abalandela uhlelo lokulandelana kwezikhathi zomlando, kuqalwa ngendalo kuGenesis, kuqhubeka ezindabeni eziyinhlanganisela eziseTestamenteni Elidala, bese kulandwa indaba yokuzalwa, ukuphila, ukufa, ukuvuka rokunyuka kukaJesu, kugcinwe ngezindaba ezisencwadini Izenzo. Umxoxi ulandela ukwenzeka kwezinto ngokomlando, afune ukugcina leyo naleyondaba injengoba injalo eBhayibhelini.

Uma isetshenziswa enkonzweni njengentshumayelo intshumayelo iqala lapho indaba iqala khona igcina lapho indaba igcina khona. Intshumayelo ingukulandwa kwendaba yeBhayibheli!

Ukuxoxa Indaba Ngendlela Yabantu Abaphendulanayo

Umxoxi osebenzisa indlela yabantu abaphendulanayo ulanda Indaba yeBhayibheli bese bexoxisana ngayo nabalaleli bakhe. Umxoxi angabuza imibuzo embalwa, akhuthaze abalaleli ukuba baxoxe ngendaba bagcine lapho bethanda khona futhi bayibhekise lapho bethanda khona. Ukuxoxa ngalendlela yokuphendulana kusetshenziswa kakhulu yizithunywa nabashumayeli abasebenza ezizweni ezululimi lwazo alubhalwa phansi abanolwazi oluncane noma abangenalo nhlobo ulwazi lwezifundiso zeBhayibheli. Futhi-ke iyindlela ebukhali kakhulu ukuthola ukulalelwa kubantu abanobutha nobuKristu. Umxoxi angathatha isikhathi esithe xaxa, kungaba yisikhathi esingangeviki noma angayixoxa indaba ngohlelo olulodwa, athathe amahora embalwa, noma izinsuku ezimbalwa. Ngemuva kokuba sebelandisiwe izindaba bese bexoxa ngazo.

Ukuxoxa Indaba Ngokufundisa (Ingxoxo Efundisayo)

Indlela yokuxoxa indaba ngokufundisa ingabizwa futhi ngokuthi Yingxoxo Efundisayo. Uthisha uyayilanda indaba bese efundisa amaqiniso awakhipha kuyo. Indaba iyitekisi lesifundo Ingxoxo yeBhayibheli iyinto esemqoka kodwa ihlanganiswe nezifundiso

ezigcizelelwayo. Ngigcizelela izindlela ezimbili zokuqala ezingasetshenziswa eNgxoxweni eyisifundiso.

Engxoxweni Eyisifundiso Enemibuzo, uthisha ulanda indaba yebhayibheli bese ebuza imibuzo ezokwenza abalaleli bathole amaqiniso engxoxweni. Umxoxi akayichazi indaba namaqiniso awatholile akawachazi. Abalaleli ubabuza imibuzo ebaholela ukuba bazitholele bona amaqiniso eBhayibhelini.

Kunomahluko phakathi kokuXoxa Indaba Ngokuphendulana neNgxoxo Efundisayo Enemibuzo. Lapho kuxoxwa indaba Ngokuphendulana, ingxoxo ivulekele ukugcina nomaphi, abalaleli bangayibhekisa lapho bethanda khona. Osebenzisa ingxoxo Efundisayo enemibuzo ukhetha amaqiniso embulekile endabeni abuze imibuzo eyokwenza abalaleli bazitholele lezozifundo ngokwabo. Uyayihola ingxoxo ukuba ibheke kulezozifundo afuna kuxoxwe ngazo.

Osebenzisa Ingxoxo Efundisayo enoHlelo Lwezifundo ezitholakala endabeni, azisho lezozifundo azikhethile azichaze, ahole ingxoxo ngokubuza imibuzo ngendabaleyo nangezifundo ezikhethiwe.

Ukuxoxa Indaba Ngokushumayela (Ingxoxo Eyintshumayelo)

Ukuxoxa kungabhanqwa nokushumayela. Indlela Yokuxoxa Indaba Ngokushumayela kungabizwa ngokuthi Ingxoxo Eyintshumayelo. Umxoxi ulanda indaba, bese esebenzisa indaba ibe yisiqalo sentshumayelo. Indaba iyitekisi lentshumayelo. Okulandwa yiBhayibheli iyonanto enkulu kodwa ihlanganiswe nentshumayelo kanye nalokho okumelwe kwenziwe ngayo. Ngigcizelela izindlela ezimbili zokuqala ezingasetshenziswa Engxoxweni Eyintshumayelo.

Umntshumayeli ongumxoxi osebenzisa ukuxoxaNgokushumayela emva kweNdaba, ulanda indaba yeBhayibheli eyitekisi lentshumayelo yakhe bese andise izifundo azitholile endabeni

zibe ngamaphuzu entshumayelo yakhe. Akasheshi afinyelele kulokho afuna kwenziwe ngabalaleli aze aqede indaba ukuyilanda kwenziwe.

Umshumayeli ongumxoxi osebenzisa ukuxoxa Okufakwe Intshumayelo ulanda indaba yeBhayibheli, lapho efika esigigabeni esivusa isifundo sakhe asandise aze afinyelele ukusenza sibe yiphuzu lentshumayelo. Emva kwalokho aqhubeka ukuxoxa indaba aze afike kwesinye isigigaba esivusa isifundo afuna ukusandisa. Aqhubeka axoxe afake izifundo eziguquka zibe amaphuzu entshumayelo ize iphele indaba.

ISIGCINO

Izindaba zeBhayibheli zilanda ngemiyalezo kaNkulunkulu. Kulula ukuhlola nokuhumusha kahle indaba yeBhayibheli kunetekisi eliyisifundiso njengezincwadi zikaPawulu. Ukuhlela okulula kwentshumayelo noma kwesifundo seBhayibheli yilokho okukutekisi lakho liyindaba yeBhayibheli. Zincane izingozi zokungahumushi kahle iBhayibheli kumholi omusha nokwenza amaphutha uma esebenzisa izindaba zeBhayibheli. Wonke umuntu angayithanda indaba. Ngenxa yalokho-ke abalaleli noma abafundi bayolalela iZwi likaNkulunkulu liyodluliselwa, liqondakale, izimpilo bese ziyaguqulwa.

Umxoxi wendaba angazethemba izindaba zeBhayibheli ukuthi ziyoveza izithelo ngaphezu kokucabanga kwakhe. Umuntu ngeke akwazi ukusho ngaphambilini imiphumela yendaba exoxwe kahle, kepha umxoxi kufanele alindela imiphumela ezomangalisa ngenjabulo. Indaba ethathwe eBhayibheli ifaniswa nezimbewu zomfanekiso kaJesu ezakhula ngendlela yazo zaveza izithelo ngaphezu kwalokho okwakulindelwe. Indaba exoxwe KAHLE izoveza izithelo. Yethemba indaba! Fundisa indaba! Shumayela indaba!

Umalusi uJackson Day waziwa njengompetha ekuxoxeni Izindaba zeBhayibheli. Yena nomkakhe uDorisi

bayizithunywa eBrazil benze okuningi okuphathelene nendaba yokuxoxa. Ungamthinta kulelikheli elilandelayo: Jackson Day, IMB/SBC Box 6767 Richmond, Va. 23230 USA.

XII. Umvangeli Ocabindlela Nezinyathelo Zendlela Yokuvangela Okucabindlela

Kubaluleke kakhulu ukuba yilowonalowo umvangeli ocabindlela aqonde kahle izinyathelo zendlela Yokuvangela Okucabindlela. Ake sizibheke ngokukhulu ukucophelela lezinyathelo. Lencwadi izochaza lesa naleso sinyathelo ngokujulile.

OKUBALULEKILE: Kubaluleke kakhulu ukuba uqonde ngezincwadi ezisetshenziswa kuloluhlelo nokuphathelene nazo okusetshenziswa kuloluqeqesho lwalencwadi. Noma iyiphi indlela enhle yokuvangela okuhleliwe nencwadi yokwenza abafundi iyosebenza. Umuntu owethula ivangeli nowenza umsebenzi wokulandelisa ubaluleke kakhulu ngaphezu kwezincwadi.

Ngenkathi lomsebenzi ukhuliswa eBrazil kwakusetshenziswa lezizincwadi:

- Iphepha lokuvangela: **“Ukuphila Okuphakade Kutholakala Kanjani”** ngu Wade Akins.
- Izifundo seBhayibheli zokucathula: **“IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli”** ngu Dr. Waylon Moore
- Ukuvangela okulula: **“Impilo Entsha”** ngu Wade Akins. Zilungele abangakwazi kahle ukufunda. Lezizifundo zinendaba efanayo nephepha lokuvangela elingenhla, kodwa zahlukaniswe kasikhombisa.
- Izifundo zokulandelisa masinyane: **“Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa”** ngu Wade Akins. Kufanele zenziwe emahoreni awu-48 umuntu ephendukile.

- Izifundo zeBhayibheli zokulandelisa: Udinga ukukhetha izifundo eziyovumela umuntu osanda kukholwa afunde izifundiso zokuqala zobuKristu njengombhaphathizo, ukunikela okweshumi, ukukhula kwekholwa nokunye okufana nalokhu. Loluhlobo lwezifundo lusiza abantu abasanda kukholwa ukuba beme futhi bakhuthazwe babe amaKristu akhulile.

Usafunda ngalencwadi uyobona amavesi aphaathelene nalezizifundo. Nokho-ke ungasebenzisa amanye amavesi uma uthanda nezinye izincwadi njengokuthanda kwakho. Umgomo walencwadi yokucabanga ukunikela amavesi achaza iphepha lokuvangela elithi, “Ukuphila Okuphakade Kutholakala Kanjani.” Ezinye izibonelo eziwuhlobo olufanayo nazi, “Imithetho Emine Yokomoya” ebhalwe yinhlangano yamaKristu ebizwa ngokuthi yi Campus Crusade ne “Izinyathelo Zokuba Nokuthula noNkulunkulu” ebhalwe ngu Billy Graham. Ungasebenzisa iphepha levangeli elikhethwe nguwe njalo uma ubona lelo elivezwe kulencwadi. Lomthetho usebenza noma kukuphi okusohlwini olungenhla.

Ukuhamba Kwendlela Yokuvangela Okucabindlela:

1. Funda ngedolobha ohlela ukusebenza kulo. Khetha emalokishini ofuna ukuqala amaqembu akho kuwo uqale ukuthintana nabantu bakhona.
2. Qala izifundo zeBhayibheli emakhaya usebenzise izifundo eziwuchungechunge “TVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” ngu Waylon Moore, noma “Impilo Entsha” ngu Thomas Wade Akins. Awuboshezwe kulezi ezimbili ezikhethiwe, ungasebenzisa noma yiziphi izifundo ZeBhayibheli zokuvangela ozikhethayo. Khumbula ukusebenzisa indlela engesobala.
3. Fundisa amaKristu amasha “Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa” ngu Thomas Wade Akins, noma yiziphi izifundo ezilungele ukulandelisa masinyane emva kokuphenduka. Sebenzisa indlela engesobala. Lezizifundo

- kufanele zenziwe emahoreni angu 48 emva kokuphenduka kwabantu.
4. Qala izinkonzo zokukhonza.
 5. Qala izifundo zokulandelisa wenze abafundi abangamaqembu. Khumbula njalo ukusebenzisa indlela engesobala.
 6. Bhaphathiza abaphendukileyo.
 7. Qeqesha abaholi bendawo usebenzise “Ukwenza Abafundi Bendawo” ngu Waylon Moore no Pr. Thomas Wade Akins (Lokhu kutholakala esithasiselweni). Baqeqeshe labaholi ukuze benze imisebenzi eyahlukene yebandla njengokushumayela, ukufundisa, ukusebenza nabantwana, nokunye.
 8. Vumela abaholi bendawobahole “TVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli”, “Amaqiniso Ayisithupha” nezifundo zokulandelisa kanye nokushumayela kubantu bakubo, nokunye.
 9. Siza ibandla ukuba lithole indawo eyanele yokuhlanganela; ikhaya, uvulande wesitolo, nokunye. Uma lokhu kudinga kuyoba umthwalo nezindleko zabo.
 10. Hlela ibandla. Ezizweni lapho inkolo ikhululeke khona kungenziwa lokhu. Nokho lokhu kungaphandle kwesiko, nebandla lendawo, nenhlangano noma umhlangano noma ubumbano kufuna ukuba kwenziwe lokho.

Lezi yizinyathelo ezejwayelekile. Siyobuye sizisho lezizinyathelo ngokugcwele kwezinye izifundo eziyolandela ezinezihloko ezithi—UHLELO—AMASU.

XIII. Umvangeli Ocabindlela Nokuthi Liqalwa Kanjani Ibandla Elisha

Umvangeli oabindlela uma engena edolobheni, kufanele akubeke emqondweni ukuthi uMoya oNgcwele uyomholela kubantu abalambileyo emoyeni. UNkulunkulu uyasebenza yonke indawo ulungisa izinhliziyi zabantu ukuba zivulekele ukwamukela uKristu, uma bethola ithuba lokuzizwela umyalezo wevangeli. Umvangeli kumelwe eme isibindi athemebele kuMoya oNgcwele

ukuba enze umsebenzi wakhe. Umsebenzi wakhe ukulungisa izinhliziyi. Umsebenzi womvangeli ukuthola izinhliziyi ezilungisiwe nguMoya oNgcwele.

Kukhona izinto zokuqhuba ezingenakuguquka. Umyalezo weBhayibheli umi njalo awuguquki. Izindlela zihlala ziguquka. Izindlela ezivezwe kulencwadi zisebenza phansi kokuhola kukaMoya oNgcwele. Zimele ukuqala amabandla amasha azimele phansi kokuhola kukaMoya oNgcwele.

1. Lelo elizibusayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.
2. Lelo elizixhasayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.
3. Lelo elizandisayo phansi kokuhola kukaNkulunkulu.

Lokhu kungumgomo. Ukuze sifinyelele kulomgomo sisebenzisa izindlela ezilungele umuntu wonke. Umvangeli kufanele akhethe indawo, ayivakashale, ahlangane nabantu emgwaqeni, emashibhini, ezindlini nakuyiphi enye indawo. Nalapho kubalwa khona abantu imbala kungasetshenzwa.

**Umvangeli ocabindlela kufanele kuphela athi, “Ngilungile ukuhola izifundo zeBhayibheli, niyathanda ukufunda?”
Uma abantu abambalwa bephendula bethi, “Yebo”,
bavumele baqoke indawo lapho becabanga ukuthi izifundo zingenzelwa khona.** Kwenzelwani lokhu? Konke okwenziwayo khona kusuka phansi kufanele kube ngokokuqala ibandla eliyozibusa. Ezinye izifundo zeBhayibheli kufanele zenzelwe phansi kwesihlahla, ekhaya lomunye noma nakuyiphi indawo esobala. Nokho-ke kuwusizo ukuba izifundo zeBhayibheli zenzelwe endaweni eyodwa masonto onke uma kunokwenzeka. Kukhipha ukudideka maqondana nendawo yokuhlangana. Kungcono umvangeli angaqali umsebenzi omusha ngabantwana. Emva kokuba eseneqeqeba eliqinile khona-ke usengasebenza nabantwana. Inhloso yakhe ekuqaleni ukuba nezifundo zeBhayibheli ezindaweni ezehlukene, kube izindawo ezihlukene ngamabanga umakwenzeka. Inhloso yokuqala

yomvangeli akusikho ukuba ofundisa iBhayibheli kodwa ohola izifundo zeBhayibheli esebenzisa indlela engesobala. Uzobe etshala imbewu. UMoya oNgcwele uyoveza isithelo ngesikhathi sakhe.

URick Warren encwadini yakhe ethi, *The Purpose Driven Church (Ibandla Eliqhutshwa Yinhloso)* ekhasini 190-191 ulanda ukuthi waqala elinye lamabandla amakhulu eUSA Saddleback Community Church, waliqala ngokubuzwa lemibuzo eyisihlanu elandelayo emphakathini wakubo. Lokhu kungakuhle kubuzwe kubantu abamasiko abo amiswe ngobuKristu:

1. Ngokucabanga kwakho, yiziphi izidingo ezinkulu zabantu bakulendawo na? Lombuzo uyokuvulela umnyango wokuqala ingxoxo.
2. Uyaya esontweni? (Kulabo abamasiko abo angahambisani nobuKristu, ungabuza uthi, unayiphi inkolo)
3. Ucabanga ukuthi kungani iningi labantu lingayi esontweni? (Lombuzo empeleni ukuthi abayi ngani esontweni.)
4. Uma ubucinga ibandla, luhloboluni lwebandla obungathanda ukuya kulo?
5. Singanenzelani, futhi ningabaluleka ngokuthini abafuna ukuqala ibandla kulendawo?

Sifuna ukwengeza umbuzo owodwa kuloluhla :

6. Ungathanda ukuba kube nezifundo zeBhayibheli ekhaya lakho?

Labo abavulekile ukulilalela iVangeli bangatholakala ngokuzwa ukuthi bamukela kanjani umsakazo, nokuhlakazwa kwamaphepha (amatract) noma izehlakalo ezinkulu. Lezi ziyizindlela zokwengeza kodwa ngaso sonke isikhathi umvangeli kanye nabasizi bakhe kufanele babuze labo abakhombisa uthando ukuthi bayathanda yini ukwenzelwa izifundo zeBhayibheli ekhaya (ngaphandle kokubuzwa umuntu ngamunye) ukuba uthole labo uMoya oNgcwele asebenzayo kubo.

**UHLELO
(AMASU)
ISIGABA SOKUQALA**

Isinyathelo 1-UKUHLOLA NOKUTHINTANA (Thola labo abanothando)

1. Thintana nabantu ngokujula, noma wakhe ubungani kulabo ofuna ukubazuka ukuze ubenze babe nogqozi lwezifundo zeBhayibheli ukuba zenziwe emakhaya abo.
2. Buza imibuzo eyisithupha esesahlukweni sesikhombisa Ezintweni Zokwenziwa ezikuyo lencwadi.
3. Thola labobantu abangathanda (abangesiwo amaKristu) ukuba kwenziwe izinkonzo emakhaya abo. Ngenye indlela lena yokuqalisa izifundo zeBhayibheli noma ibandla elisha.
4. Yethula indlela yensindiso ekuhlenganeni kokuqala uma wazi ukuthi awuyikuphinda ubonane nalowomuntu noma ngeke uphinde ubuye kuleyondlu. Uma kungenjalo qala wakhe ubuhlobo.
5. Zimisele ngendawo ongayisebenza. Hlolisisa uze ubenolwazi ngabantu abahlala lapho kuleyondawo

**Isinyathelo 2-IZINDABA EZINHLE noma AMAQEMBU
EMPILO ENTSHA,
Isigaba 1**

1. Thatha zonke izincwadi ezidingekayo ezifundweni (izifundo, amaphepha evangeli, izincwadi zevangeli nokukaJohane nokunye.)
2. Qhuba izifundo kanye neqembu. Ungavumi bathathe izifundo baye nazo emakhaya bayozenza khona. Ukwenza izifundo kanyekanye kwakha ubuhlobo. Qala iqembu lokuvangela wenze izifundo iVangeli ngokukaJohane ngamaqembu ahlukeneyo emindeni kusukela kwamane kuya kwayishumi noma kubantu bamalokishi ahlukeneyo. Hola amaqembu amaningi ngamandla akho, kodwa kungabi

ngaphezu kwalokho ongakumela. Ungakhetha ukusebenzisa izifundo zokuvangela ezilula “Impilo Entsha” uzisebenziskubantu okulukhuni ukufunda amatekisi amade. Uma ungenzi lokhu ungasebenzisa indlela yokuxoxa indaba.

Isiyingi Sokuqala Sezifundo Izindaba Ezinhle

1 Iqembu Izindaba Ezinhle	1 Iqembu Izindaba Ezinhle	1 Iqembu Izindaba Ezinhle
--	--	--

QAPHELA: Kwamanye amasiko obuzwe lokhu kungadala amabandla abe amabandla amathathu ahlukeneyo.

**Isinyathelo 3-“AMAQINISO AYISITHUPHA
AWAMAKRISTU AMASHA”**


Phuthuma wenze izifundo zokulandelisa kumaKristu amasha. Ungasebenzisa “Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa” (Isithasiselo 2) noma yiziphi izifundo zokulandelisa ezihlelelwe ukuqinisa nokuhola amakhohla amasha. Izifundo zokulandelisa kufanele zenziwe kungakadluli amahora angu 48 emva kokuphenduka.

**Isinyathelo 4-INKONZO NEZIFUNDO ZEBHAYIBHELI
ZOKULANDELISA**

1. Umvangeli ocabindlela uyomema bonke asebeqedile izifundo “Izindaba Ezinhle” ukuba bahlangane bazokhonza nokwenza izifundo zokulandelisa. Inhloso yalezizifundo ukuhola labo abangakamamukeli uKristu baqonde insindiso nokufundisa amaKristu amasha ukuba ayiphile impilo yokukholwa. UmKristu omusha kufanele aqonde kahle ngempilo yakhe endala nempilo entsha, nokulwa okuzokwenzeka phakathi kwalezizimpilo ezimbili. Kufanele afunde ukuthi anganqoba kanjani empilweni yakhe endala ngamandla avela kuMoya oNgcwele. Uma lokhu kungaqondakalanga ngokucacileyo

kumKristu omusha, angahle abe nokuqonda okungalingile kweBhayibheli, ezwe sengathi nensindiso yakhe imlahlekele. Kungalokho-ke izifundo zokulandelisa zibaluleke kangaka kumaKristu amasha ukuze azi ukuthi ukukholwa kwawo angakusebenzisa kanjani. Nokho-ke lamaqiniso ayisithupha okukholwa kufanele afundiswe, ukuqiniseka ngensindiso nangokuphila okuphakade, umbhaphathizo, ukufunda iBhayibheli, umthandazo, isidingo sokuba ube ngomunye webandla levangeli ukwabelana nabanye ukukholwa (Isithasiselo 2).

2. Lemihlangano yokuLandelisa nenkonzo iyoba ukuqala kwebandla elisha. Isikhathi senkonzo sisebenzisele ukudumisa iNkosi, ukuthandaza, fundisa iBhayibheli ngokungenamcikilisho usebenzise indlela engesobala noma ingxoxo.



Manje sebezongena enkonzweni labo asebeqedile izifundo Izindaba Ezinhle.

QAPHELA: Kwamanye amasiko kungaba ngokunye okungcono ukuwagcina amaqembu Ezindaba Ezinhle ehlukeni wenze kube yilelo nalelo libe yibandla lendawo eliyozandisa lona.

3. Umvangeli ocabindlela unokuzikhethela ukusebenzisa izifundo zokulandelisa zibe uhlelo lwenkonzo, noma azifundisa ngezikathi ezehlukile, mhlawumbe ngaphambi kwenkonzo noma ngemuva kwayo.
4. Ungavumeli umuntu ukufundisa noma yiziphi izifundo ezinye ungakaqedi ukuqala izifundo zokulandelisa. Uma kukhona ofike esifundweni sekuyisifundo sesine, angaqeda izifundo bese ephindela emuva eyokwenza izifundo ezintathu zokuqala andukuba aqale okunye.
5. Kokunye kungadingeka ukuba uhole izifundo zokulandelisa izigaba ezimbili. Ngamanye amazwi lokhu kusho ukwahlukanisa isifundo esisodwa sibe yizifundo ezimbili ezingenziwa ekuhlanganeni okubili. Khumbula ukusebenzisa Indlela Engesobala ukuze abafundayo lokuba babe bakhuthazwe babe abahlanganyelayo..

ISIGABA SESIBILI

**Isigaba Sesibili Izindaba Ezinhle
Abaholi abasha bendawo bayophelekezela umvangeli ocabindlela ezifundweni ezintsha**

Amaqembu 2 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 2 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 2 Izindaba Ezinhle
-----------------------------------	-----------------------------------	-----------------------------------

1. **Qala ezinye “Izifundo Izindaba Ezinhle” kwamanye amakhaya endaweni umvangeli ocabindlela esizana namakholwa amasha.** Lezizifundo zingenziwa ehholo zingabi yinkonzo kodwa zenziweemakhaya abantu abengesiwo amaKristu.

Amakholwa amasha wenze abafundi usebenzise izifundo ezinhle zokulandelisa. Lencwadi iphethe “Amaqiniso Ayisithupha Omuntu Osandakukholwa” kanye “Nokwenza

Abafundi Kwabaholi Bendawo” nguWaylon Moore noThomas W. Akins. Uma isifundo siside kakhulu, hlukanisa isahluko usenze silingane namasonto amabili.

2. **Qeqesha abaholi abasha bendawo ukuba basize ukuhola izifundo basebenzise indlela engesobala.** Umvangeli ocabindlela uyoqeqesha labo okunokwenzeka ukuba bahole izifundo Izindaba Ezinhle nezifundo zokulandelisa ezenziwa emakhaya. Esigabeni sesibili bayophelekezela umvangeli ehola izifundo “Izindaba Ezinhle” kwamanye amakhaya. Abaholi abasha bendawo bayophelekezela umvangeli eqhuba izifundo ngaphambi kokuba nabo bahole lonke uchungechunge lwezifundo. Umvangeli kufanele aqale izifundo “Izindaba Ezinhle” kwamanye amakhaya amaningi kakhulu.

Khetha isikhathi esithile sokuqeqesha amaqenjana amancane abantu abangesibo abefundisi bahole umsebenzi (“IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli,” izifundo zokulandelisa, nomsebenzi wabantwana neminye).

Zinikele kuNkulunkulu ukuba uqeqeshe abaholi bendawo omunye komunye noma ngamaqembu amancane usebenzisa uhlelo oluhle lokwenza abafundi. UNkulunkulu uyovusa labo umvangeli ayofuna ukubaqeqesha ngamunye. Ihora elilodwa kube ngelokufundisa elinye kube ngelokukusebenzisa lokho ekade kufundiswa. Ukuze kwenzekwe uqeqesho lobuholi oluhle kuyaphoqa ukuthi isikhathi sisebenziseke ngokunenzuzo, hhayi lapho kusafundwa kuphela nalapho sekusetshenzwa ensimini. Ungavumeli uSathane aphazamise uqeqesho lwakho olungukwenza.

**Uqeqesho
Lokwenza Abafundi
Lwabaholi**

3. **Hola izinkonzo zokukhonza.** Ngenkathi umvangeli ehola izifundo “Izindaba Ezinhle” emizini yabantu abangewona amaKristu, ephelekezela ngabaholi bendawo abasha, uyobe futhi ehola inkonzo yokukhonza kanye nezifundo zokulandelisa kulabo asebeqedile isigaba sokuqala sezifundo “Izindaba Ezinhle.”

Abaphenduke isigaba sokuqala sezifundo manje sebhlangana ndawonye ukuba bakhonze

**Iqembu Lamaqenjana
Nezinkonzo
Zokudumisa**

ISIQAPHELO #1

Njalo nje uma uqeqesha abaholi baqeqeshe beyiqenjana elincane. Kudingekile lokhu ngoba abaholi abasha bazobe bengakwazi ukuhola izinkonzo.

Uma kukade kusebenza iqembu elilodwa kuphela leZindaba Ezinhle noma uma kubonakala ukuthi ezokuphepha ziyabavimbela abaholi abaphuma kwamanye amaqembu ukuba bahlangane ku-Izindaba Ezinhle, qiniseka ukuthi okungenani uthole ababili kulelo naleloqembu abangaqeqeshwa ndawonye. Isizathu sokuqeqesha abantu ababili ukulondoloza abantu amandla okubayisibonelo nokuqeqesha abaholi bangomuso. Ukuqeqesha abaholi kuyimpindulo yakho yokuba kubekhona ukukhula nokwanda.

ISIQAPHELISO #2

Sekungakhulunywa ngendaba yombhaphathizo kulesisikhathi, masinyane emva kokugeda izifundo zokulandelisa amakholwa amasha asengabhaphathizwa. Kusukela lapho-ke abaholi bendawo sebeyohola inkonzo yokukhonza.

ISIQAPHELISO #3

Usungenza amabandla amasha asezindlini ngalabo asebeqede isigaba sesibili sezifundo Izindaba Ezinhle. Lokhu kwandisa inqubekela phambili yabaholi abasha abaphuma kulawomaqembu futhi kwandisa ukuba yilelo naleloqembu lizalane (ukuphindaphindeka kokuzalana), nokwandisa nokuthuthukisa ufuzo ngokudlulisela kwabanye lokho abakufundile.

Bakhuthaze futhi abaholi bendawo ukuqhubeka bahlangane emakhaya kunokukhokha intela ngendawo yokukhonzela ukuze uvimbe izithiyo zokuzalana.

ISIQAPHELO #4

Kulusizo olukhulu uma izifundo “Izindaba Ezinhle” zingenziwa emaqenjini amancane anabantu abavele benobuhlobo. Kwezinye izizwe abantuba khona ababethembi abantu abangahlobene nabo (njengalokhu-abangani, amalungu omndeni). Laba bese beba ngumongo wokuqala amabandla amasha emakhaya.

Ngenkathi amaqembu ekhula (evuthwa) ayaqala ukuziveza kwamanye ezazisa kwamanye ngomholi wabo. Bayobe sebethola amalungelo okusebenzisana ukuba bakhuthazane, baxoxisane, baqeqeshane, nokuphuma bayozuza abanye. Nokho kwezinye izizwe kuvama ukungenzeki lokhu kumakholwa asemasha kakhulu.

ISIQAPHELISO #5

Okunye, ukukhula kwamaqembu namabandla emakhaya akhula ngokushesha kunamaqembu amakhulu. Ngaphandle kokuba kube nesizathu esiphocayo ngokwamasiko noma ngokomlando ukuba amabandla amasha athenge indlu noma ngokomlando ukuba amabandla amasha athenge indlu noma

aqashe indlu endaweni enze ibandla elikhulu, kufanele bakhuthazwe ukuba baqhubeka nendlela yamabandla emakhaya. Kubakuhle njalo-nje ukuqinisa ukubhekisa amehlo ekuvangeleni, nasekwenzeni abafundi, nasekwandiseni ibandla.

ISIQAPHELISO #6

Ungasebenzisa futhi “IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” uma isimo sendawo sikuvuma lokho. Enye indlela ungasebenzisa izifundo ezisheshayo osheshayo zokuxoxa kuka J.O. Terry noma uJackson Day ezahlukweni zabo ezikuyo lencwadi ezichazayo ngaphambi kokuqala izifundo zikaJohane kwabakaBhuda namaHindu (inkolo yasendiya) abenkolo yemimoya, eyamaSulumane, Sikhs, (enye inkolo yaseNdiya) nanoma yimuphi owazi kancane noma ongazi lutho ngobuKristu nangezifundiso zabo. Ngicela uqaphele futhi ukuthi indlela yokuxoxa ngokohlelo lwezikhathi kungasetshenziswa esikhundleni sezifundo zikaJohane kulamaqembu.


ISIGABA SESITHATHU

Qala ezinye “Izifundo ZeBhayibheli Izindaba Ezinhle” (noma ukuxoxa) namaqembu kweminye imizi endaweni usebenzise abaholi bendawo abaqeqeshwe esigabeni sesibili ukuba bahole izifundo. Abaholi bendawo abasha (labo abasuka esigabeni sokuqala) bayoqala ukuqeqesha amakholwa amasha asuka esigabeni sesibili ngokuhamba nabo lapho benza lezizifundo.

Abaholi abasha besigaba sokuqala sezifundo sebhola lamaqembu bephelekezela ngamakholwa amasha aphenduke esigabeni sesibili sezifundo.

Amaqembu 3 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 3 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 3 Izindaba Ezinhle
-----------------------------------	-----------------------------------	-----------------------------------

Qala uhlanganise iqembu lesibili lalabo asebeqedile izifundo “Izindaba Ezinhle” babe yiqenjana elincane elihlanganela ukukhonza.



Uma kungenzeka, hlanganisa onke amakholwa amasha endaweni yokuhlangana ephakathi nendawo akhonzele khona. Qeqesha abantu bendawo ngomthwalo wabo wokukhokhela indawo abahlanganela kuyo intela, uma befisa, uma kungenjalo kungaba sebandleni elisizayo elingunina noma umhlangano othile uma ukhona.

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Abangabaholi

Qhubeka ukufundisa abaholi. Inhloso yaleliqembu ukuqeqesha abaholi. Khetha isikhathi sokuqeqesha abaholi bendawo ngasese kungabi seningini. Baqeqeshe ukuba basebenzise Izindlela Ezingesobala ukuhlola iBhayibheli kanye/noma nokuxoxa indaba. Bafundise futhi nokuthi ibandla liholwa kanjani. Umvangeli angasebenzisa okubhalwe esithasiselweni sikaDr Waylon Moore noThoma Wade. Kubalulekile ukunaka ukuthi lokhu kwenza abafundi kumelwe kwenziwe emaqenjini amancane ngasese kwelinye ilokishi.

ISIQAPHELISO

Yenza abaholi bendawo bahole inkonzo masinyane kunokuba umqalisi wemisebenzi emisha kube nguye oholayo. Angabalungiselela lomsebenzi emhlanganweni othile wabaholi.

ISIGABA SESINE

QALA IBANDLA NOMA AMABANDLA AMASHA

1. **Qala amanye amaqembu kwamanye amakhaya “IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli” usebenzise abaholi bendawo ekade beholwa ngumvangeli kuze kube kusinyathelo sesine.** Amakholwa amasha aqede isigaba sesibili ase eyaqeqeshwa ezifundweni zesityingi sesithathu aselungele manje ukuhola lezizifundo ngokwawo. Abaholi besigaba sesibili bayothatha amakholwa amasha aqede izifundo zesigaba sesithathu bayokwenza nawo izifundo zesityingi sesine.


Isigaba Sesine Sezifundo Izindaba Ezinhle

Amaqembu 4 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 4 Izindaba Ezinhle	Amaqembu 4 Izindaba Ezinhle
-----------------------------------	-----------------------------------	-----------------------------------

Abaholi abasuka esityingini sesibili bazohola lezizifundo bephelekezelwa amakholwa amasha aqede izifundo zesityingi sesithathu.

2. Manje abaholi bendawo sebehola Izifundo zeBhayibheli Izindaba Ezinhle, Amaqiniso Ayisithupha, inkonzo, nezifundo zokulandelisa, nokwenza abafundi.
3. Qala ibandla ngabaholi abaqeqeshiwe nabenziwe abafundi. Iqembu liyozikhethela noma liqhubeka lingamaqenjama amancane

amabandla asezindlini noma lithola indawo ephakathi naphakathi yokuhlangana. Kuyobe kungumthwalo wabo ukukhokha noma yiziphi izindleko zentela noma yikuphi-ke okunye okuthengwayo.



4. Hlala uneqembu elincane lokwenza abafundi eliyoqhubeka nokuqeqesha abaholi abasha.

Izifundo Zokwenza Abafundi

5. Baqeqeshe abaholi bendawo ubaqeqeshele ukuthi ibandla liholwa kanjani.

ABAHOLI BENDAWO SEBESEBENZA

1. Bavumele abaholi bendawo bahole izinkonzo benze wonke umsebenzi. Labaholi baqeqeshiwe ngaphambili noma basaqhubeka noqeqesho.
2. Umqalisi wamabandla nemisebenzi emisha manje usengalungiselela ukushiya lendawo aye kwenye ayoqala khona umsebenzi omusha.
3. Qhubeka ukuqeqesha abaholi nokuqala izifundo “Izindaba Ezinhle” emakhaya abantu abangewona amaKristu.
4. Abaholi bendawo abaqeqeshwe umvangeli kufanele bahole izifundo zebhayibheli Izindaba Ezinhle.
5. Abaholi bendawo abaqeqeshwe umvangeli kufanele bahole izifundo zokulandelisa.
6. Qeqesha abaholi bendawo ukuba bahole izifundo zokwenza abafundi emaqenjini besebenzisa izindlela ezingesobala.


**Uqeqesho Lokufundisa
Abafundi**

7. Abaholi bendawo abaqeqeshwe umvangeli ocabindlela bayohola izinkonzo zokudumisa.

ISIGABA SESIHLANU

UKUPHINDAPHINDEKA KWABAFUNDI NAMABANDLA AMASHA

Ibandla liyoqala elinye ibandla noma amabandla amasha kusetshenziswa izindlela ezifanayo. Qhubeka ukuqeqesha abaholi ukuze baphindaphindeke isigaba kuqhubeka ukuphindeka kwamabandla amasha.



Ibandla elisha liqalisa imisebenzi emisha lisebenzisa izindlela ezifanayo ngabantu abakhulile eNkosini nabaqeqeshwe kahle.

IZITHASISELO

1. **UMVANGELI OCABINDLELA NOKUSETSHENZISWA KOKUHLOLA INDAWO**
2. **AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU OSANDAKUKHOLWA**
3. **IMPILO ENTSHA**
4. **UQEQESHO LOKWENZA ABAFUNDI LWABAHOLI BENDAWO**
5. **IVANGELI NGOKUKAJOHANE IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI**
6. **IZINDABA EZINHLE NGOJESU - UKUXOXA NGEVANGELI LIKAMATHEWU**
7. **UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU - UKUXOXA NGEVANGELI LIKAMATHEWU**

UMVANGELI OCABINDLELA NOKUSETSHENZISWA KOKUHLOLA INDAWO

Brazilian World Mission Board

Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela

UMVANGELI OCABINDLELA NOKUSETSHENZISWA KOKUHLOLA INDAWO

Ibhodi Yemishani YaseBrazil yenze incwadi yezithunywa yakha uhlaka lwesifundo sokuhlola indawo kanje:

1. Inhloso yokuhlola indawo
2. Kulungiselwa kanjani ukuyohlola indawo
3. Lwenziwa kanjani uhambo lokuyohlola indawo
4. Kukalwa kanjani ukuhlola indawo

1. Inhloso yokuhlola indawo

Ukuhlola indawo yindlela yokuthola ulwazi olupheleleyo, ngokuvakashela indlu ngendlu, abantu abahlala kuleyondawo ethile ngesikhathi lesi esithile.

Inhloso yokuqala ukuthola ukuthi bahlala kuyiphi indawo lababantu ababhekwayo abalomele ivangeli.

Inhloso yesibili ukufumana **amaphuzu asekelayo** imisebenzi ezokwenziwa. Lokhu kusho ukuthola **izindawo ezingcono** zokuqala imisebenzi emisha enjengalena: ukufunda iBhayibheli emakhaya, ukufunda iBhayibheli ngezikhathi zokuvalwa kwezikole nokunye. Ungakwazi ukuthatha namanye amathuba njengalena: ukuthola amaKristu aselishiyile ibandla angasenandaba nalo ukuze abuye noma amaKristu asandakufika angenalo ibandla lasekhaya kuleyondawo. Lezizindawo nalabantu babizwa ngokuthi abasekeli ngoba bangasiza ekuqaleni imisebenzi emisha.

Inhloso yesithathu ukuhlangana nabantu endaweni yabo. Ngaloluhlelo kungenzeka ukuba ziqondakale kangcono izidingo zabantu, zomphakathi namasiko abazungezile nengqikithi yabo ukuze bahlelelwe ngezidingo zabantu.

Inhloso yesine ukujwayela indawo nokudala ubuhlobo nabantu. Emveni kwesikhathi lokhu kuyosiza ekuqhubeni umsebenzi.

Inhloso yesihlanu ukuthola amaqembu ezenkolo akhona endaweni leyo.

2. Kulungiselelwa kanjani ukuhlola indawo

Ukuze ukuhlola indawo kube nemiphumela emihle, kudingeka ukuba amathimu alungiselele kahle, athathe zonke izixwayiso zokuphepha. Engxenyeni elandelayo siyosho izimo zokuhlola indawo kahle.

- A. Amalungiselelo okomoya
 - a. Bakhulekele labo abahlala kuleyondawo
 - b. Khulekela ithimu
 - c. Khulekela umqalisi wemisebenzi emisha
- B. Amalungiselelo empahla isikhwama esinamaphepha okuvangela, namavangeli kaJohane, amafomu okuhlola indawo, izifundo zeBhayibheli nepeni.
 - a. Bheka ukuthi esikhwameni sakho ziphelele izincwadi ezidingekayo.
 - b. Yiba neqiniso lokuthi ithimu iyazi ukuthi yiliphi ilokishi noma iziphi izindlu okumelwe ukuba isebenze kuzo.
 - c. Bheka ukuthi uyawazi yini amagama emigwaqo nezakhiwo zaleyondawo okumelele niyisebenze.
- C. Amalungiselelo elokishi
 - a. Yazihlahle indawo enizoyihlola ngokwebalazwe (imap).
 - b. Thola indlela engcono yokuyofinyelela elokishini eniya kolihlola, nakhona usebenzise ibalazwe (imap).
 - c. Uma senifikile elokishini buza amagama emigwaqo ukuze nazi ukuthi nisendaweni okuyiyona ngempela.
- D. Ukubukeza
Nakhu okudingekayo uma kuzohlolwa indawo:
 - a. Lungisa ngokomoya nangomthandazo nangokufunda iBhayibheli.
 - b. Lungisa izimpahla ube neqiniso ukuthi konke okudingekayo ukuphethe.
 - c. Yazisisa ilokishi ngokwazi kahle indawo enihlela ukuyoyihlola.

3. Lwenziwa kanjani uhambo lokuyohlola indawo

- A. Isinyathelo sokuqala ukugwalisa ifomu:
 - a. Bhala ngokucacile
 - b. Lowo nalowo mndeni mawube nefomu lawo.
 - c. Gwalisa zonke izikhala efomini nhlangothi zombili.
- B. Isimo sakho ngenkathi ubonana nomuntu oxoxa naye: Kunamaphuzu ayisithupha adingekayo kumuntu oxoxa nomuntu:
 - a. Yiba oqinisele
 - b. Yiba nobungane
 - c. Yiba ngohlakaniphile, oqaphelayo
 - d. Yiba ngogxilile
 - e. Yiba nesizotha
 - f. Yiba nempokophelo
- C. Kufanele wenzeni ngenkathi kuxoxwa:
 - a. Chaza isizathu sokuhlola indawo, nokuthi nizokwenzani ngolwazi enihamba niluthatha. Njengalokhu:
 - b. "Sizoqala izifundo zeBhayibheli khona lapha komakhelwane."
 - c. "Sizothanda ukwazi kangcono ngomakhelwane ukuze sibakhonze kangcono."
 - d. Thatha ithuba lokunikeza ubufakazi obusheshayo uma umuntu ekhombisa ukulomela ivangeli.
 - e. Balekela impikiswano ngisho noma ngabe uyadinga ukuzivikela.
 - f. Khuluma kumuntu ofanele. Uma kungumfana noma ingane ekungenisayo, thana. "Ngicela ukukhuluma nobaba wakho." Uma kuintombazane thana, "Ngingathanda ukukhuluma nomama wakho." Uma kungekho mzali ekhaya, khona ungakhuluma nengane. Ingaba ngongena ngaye emndenini.
 - g. Ungabeleseli ngemibuzo eminingi kakhulu; nokho akufanele usheshe ukhathale kalula.
 - h. Nihambe ngababili. Ngenkathi omunye ekhuluma, omunye abe ebhala okudinga ukubhalwa.

4. Kukalwa kanjani ukuhlolwa kwendawo

- A. Yiba neqiniso ukuthi wazi kahle ukuthi yimiphi imigwaqo nezindlu esezihloliwe.
- B. Beka uphawu ebalazweni lwalawomafomu asephelile ukugcwaliswa.
- C. Yenza izinhla ezimbili: olunye kube ngolwalabo abafunwayo olunye ngolwalabo abasekelayo.
- D. Hlela isikhathi sokuvakashela labo abatholiweyo ulungise izincwadi ezidingekayo kulokhukuvakasha.
- E. Bukeza imiphumela yosuku nosuku.

**AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU
OSANDAKUKHOLWA**

Thomas Wade Akins

Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela

AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU OSANDAKUKHOLWA

ISINGENISO

IBhayibheli kwabaseKolose 2:6 lithi “Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye.” Kulesisifundo uzofunda ukuthi unghahlala kanjani unobudlelwano noKristu.

Ngenkathi uzalwa ngokwenyama wazalwa kwaba kanye. Uma wamukela uKristu uzalwa kube kanye ngokomoya. Yisho lokho okubizwa ngokuthi, “ukuzalwa ngokusha” kuJohane 3. Nasemzimbeni kungebe masonto onke uyazalwa kanjalo nasempilweni yokuzalwa komoya.

UKUQINISEKA NGENSINDISO NANGOKUPHILA OKUPHAKADE

Iqiniso 1

Yini ukuphila okuphakade? NgokukaJohane 17:3 kuthi “ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.” Ngamanye amazwi ukuphila okuphakade nguJesu esenhliziyweni yakho (umoya). Lokhu kusho ukuthi lapho uJesu engena empilweni yakho, uyokunika impilo entsha futhi uyophila naye phakade eZulwini.

I ekaJohane 5:12 kuthi, “Onayo iNdodana unokuphila, ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.”

Kwenzekani uma wona emva kokuba usumamukele uKristu? Ayikulahlekelo insindiso yakho. Ake ngichaze. Nginabantwana abathathu kwesinye isikhathi abangilaleli. Ucabanga ukuthi ngiyabaxosha kuze kube phakade. Akunjalalo. Bangabantwana bami ngiyabathanda. Ngiyababuyisa, ngibafundise, ngibaqondise. KumaHeberu 12:7-8 iBhayibheli lithi, “Bekezelani ekulayweni, uNkulunkulu uyaniphathisa okwabantwana, ngokuba iyiphi indodana engalaywa nguyise na? Kepha uma ningalaywa, abathe bonke benziwa abahlanganyeli kukho, khona-ke ningabesihlahla anisiwo amadodana.”

NgokukaJohane 1:12 iBhayibheli lithi, “Kepha bonke abamamukelayo, wabapha amandla okuba babe abantwana bakaNkulunkulu, labo abakhohla egameni lakhe.” Ngakho-ke

indodana iyolaywa uma yona. Uma kungenjalo awusiyo indodana kaNkulunkulu. Kodwa indodana yeqiniso ayisoze yalahlekelwa insindiso yayo ngoba inokuphila okuphakade.

Uma wona emva kokwamukela uKristu uNkulunkulu uyokulaya ukukuqondisa ukuze uhambe ngendlela elungile. Ngeke asuse insindiso yakho. Insindiso yakho iphakade, iphakade-ke yinini nanini.

BHAPATHIZWA

Iqiniso 2

NgokukaMathewu 28:19 uJesu uthi, “Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho.”

Mhlawumbe wabhathizwa ngenkathi useyingane. UJesu kodwa uthi abanelungelo lokubhathizwa yilabo abangabalandeli bakhe. Ngenkathi uyingane wawungesiye umlandeli wakhe. Wawungazi lutho ngoJesu. Waba ngumlandeli kaKristu mhla umamukela empilweni yakho ngokukhohla nangokuphenduka.

Akufanele ngani ubhathizwe uyingane? Yingoba ukubhathizwa kuluphawu (into obonakala ngayo) lokuthi ungumlandeli kaKristu.

EBhayibhelini bonke abalandeli babhathizwa ngokucwiliswa emanzini emva kokwamukela uKristu. Yini ukucwilisa? Lapho ubhathizwa othile uyofakwa umzimba wakho wonke phansi kwamanzi isikhashana. Kungani? Ngoba lokhu kuluphawu lokufa, nokumbelwa nokuvuka kukaJesu. Awukwazi ukukwenza lokhu useyingane, ungakwenza emva kokwamukela uKristu.

KwabaseRoma 6:3-4 kuthi, “kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhathizelwa kuKristu uJesu, sabhathizelwa kukho ukufa kwakhe na? Ngakho sembelwa naye ngokubhathizelwa kukho ukufa ukuba njengalokho uKristu wavuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.”

Amanzi awasisindisi. NguJesu Kristu kuphela osindisayo. Ukubhathizwa kuluphawu lwakho lokuqala lokuthi ungumlandeli kaKristu. Uma ungazi ukuthi ungabhathizwa kuphi, buza kumvangeli wakho, noma ubhale incwadi ubuze kumlobi walencwadi oyifundayo

uchaze ukuthi wasindiswa ukuphi, uyozama ukukutholela umuntu wokukubhaphathiza.

FUNDA IBHAYIBHELI LAKHO

Iqiniso 3

AmaHubo 119:105 athi, “Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami.” IBhayibheli liyizwi likaNkulunkulu. Ingxenye yokuqala ibizwa ngokuthi iTestamente Elidala. Ingxenye yesibili iTestamente Elisha. Igama elithi itestamente lisho “isivumelwano.”

Kufanele ulifunde kanjani iBhayibheli? IBhayibheli incwadi yothando yakho evela kuNkulunkulu. Funda iBhayibheli lakho usebenzise lindlela:

1. Qala ufunde incwadi-njengokuthi-nje incwadi kaJohane.
2. Funda ivesi lokuqala.
3. Cela uNkulunkulu akubonise iqiniso lokomoya elikulelivesi. Njengalokhu, ngokukaJohane 1:1 kuthi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.”
Yimaphi amaqiniso okomoya atholakala kulelivesi?
 - a. Umhlaba wadalwa nguLizwi.
 - b. ULizwi wayenguNkulunkulu (u14 ubuye asitshele ukuthi uLizwi nguJesu)
4. Funda lelo nalelovesi noma indinyana usebenzise lindlela udedele uNkulunkulu akhulume kuwe ngokuthi ungubani, akhulume ngezono empilweni yakho, akhulume ngemiyalo okufanele uyilalele nokunye.

UMTHANDAZO

Iqiniso 4

NgokukaLuka 18:1 uNkulunkulu uthi simelwe ukukhuleka njalo singadangali. Ungakhuleka kanjani? Kubalulekile ukuba ube nesikhathi wena wedwa noNkulunkulu. Qala isikhathi sakho usebenzise lindlela:

1. Ukufunda iBhayibheli – sebenzisa indlela yesinyathelo 3 imizuzu engu 5.
2. Mdumise – wothi “Nkosi Baba, ngiyakuthanda ngoba ...”
3. Ukubonga- “Ngiyabonga Nkosi ngoba”
4. Ukunxusa- “Nkosi ngikhulekela indodana yami uBongumusa ngoba udinga ...” (qhubeka ukhulekela abantu abangakamamukeli uKristu) Yenza uhla lwabantu. Beka amanye amagama aloluhlu phansi koMsombuluko, Olwesibili, Olwesithathu nokunye. (ubakhulekele ngalezizinsuku)
5. Ukucela- tshela uNkulunkulu izidingo zakho.
6. Ukuvuma izono- thula isikhashana, ucele uNkulunkulu akukhumbuze noma into embi esempilweni yakho. 1 ekaJohane 1:9 uthi, “Uma siz ivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.” Lokhu kwakubhalelwe abantu abase bemamukele uKristu. Uma uncolile kufanele ugeze umzimba. Ukuvuma kungukugeza kumaKristu (ukugeza).

YIBA YILUNGU LEBANDLA LEVANGELI

Iqiniso 5

Kwabase-Efesu 1:23 kuthi, “elona lingumzimba wakhe.” UJesu Kristu uyinhloko yebandla. Kwabase-Efesu 1:22 kuthi, “Wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa abe yinhloko phezu kwakho konke kulo ibandla.”

Igama uPetro lisho “idwala” uJesu Kristu naye ubizwa “ngedwala.” NgokukaMathewu 16:18 uNkulunkulu akasho ukuthi uPetro uyinhloko yebandla, kodwa uthi uJesu uyitshe legumbi. 1 kwabaseKorinte 3:11 kuthi, “Ngokuba akakho ongabeka esinye isisekelo, kuphela leso esibekiweyo, esinguJesu Kristu.”

Ibandla umzimba wabakholwayo ababhaphathiziweyo abahlangana ndawonye ngenhloso yoku:

1. Ukudumisa—ukwenza izimiso ezimbili—Isidlo seNkosi nokubhaphathiza.
2. Ukuvangela
3. Ukwenza abafundi
4. Ukuhlangabeza izidingo zabantu
5. Ubudlelwano

Kudingeke ngani ukuba ube ngowebandla elithile?

1. Ukudumisa iNkosi kanye nabanye abafowenu kuKristu.
2. Ukufunda izwi likaNkulunkulu
3. Ukuba nobudlelwano namanye amaKristu (ibandla liwumndeni wakho wokomoya)
4. Ukukhonza abanye
5. Ukwabelana nabanye abantu abangakamamukeli uJesu

UKUFAKAZA

Iqiniso 6

NgokukaMathewu 28:19 uJesu uthi, “Hambani nenze abafundi.” Lokhu kusho ukuthi lowo nalowomlandeli kaJesu kufanele abelane nomuntu olahlekile ukuthi kwenzekani empilweni yakhe. Ubufakazi kufanele buqale kubantu bomndeni wakho. Kufanele ubachazele ngempilo yakho ngaphambi kokwamukela uKristu abe ngumsindisi wakho, nokuthi wasizwa kanjani isidingo sikaJesu, wamamukela kanjani, futhi nini, uKristu, impilo yakho isinjani manje kuKristu. Emva kokwenza lokhu, buza lowo nalowo ukuthi uyathanda yini naye ukwamukela uKristu abe nesiqiniseko sokuphila okuphakade.

Uma umuntu ethi “Yebo,” mkhombise amavesi alandelayo uwachaze ngalinye njengoba kushiwo ngezansi:

1. 1 Johane 5:13 - Ungabanaso isiqiniseko sokuphila okuphakade. Ukuphila okuphakade uJesu esehliziyweni yakho (ngokukaJohane 17:3). Imiphumela yokuphila okuphakade ukuba nokuthula manje

(Joh. 10:10, 17) nesiqiniseko sokuya ezulwini emva kokufa (Joh. 14:1-3).

2. KwabaseRoma 3:23 - Inkinga enkulu yomuntu yisono. Sonke siyizoni. Ngenxa yesono sinesithiyoy esikhulu esisahlukanisa noNkulunkulu.
3. KwabaseRoma 6:23 - “Inkokhelo yesono ingukufa.” Lokhu kusho ukuthi umphumela wokugcina wesono ngukufa. Ukufa ukwahlukana noNkulunkulu. Lokhu kusho ukuthi impilo yethu manje ngeke ibe nokuthula, nokujabula nesiqiniseko sokuphila okuphakade. Kuyoba yimpilo esindayo, engenalutho enokwesaba enonembeza omlahlayo. Futhi kuyoba yimpilo eyahlukene nezulu nanobukhona bukaNkulunkulu ingunaphakade.
4. KwabaseRoma 5:8 - uKristu wafa ngenxa yezono zethu. UKristu wayikhokha intengo (inkokhelo) ekhokhela izono zami nezono zakho futhi ngokufa kwakhe endaweni yethu.
5. KwabaseRoma 8:9-10, 10:9-10 - Ukwamukela uKristu, kumele umvume abe yiNkosi noMsindisi wakho. Lokhu kusho ukuthi kufanele umvumele uKristu ukuba impilo yakho iphathwe nguye. Futhi kusho ukuthi umethembe uKristu. Ukwethemba kusho ukuyeka ukwethembela kwezinye izinto ubeke lonke ukholo lwakho kuJesu Kristu.
6. KwabaseRoma 10:13 - Mbuze umuntu ukuthi uyathanda yini ukunikela impilo yakhe kuJesu. Uma ethi, “Yebo” mcele ukuba akhuleke acele uNkulunkulu ukuba angene enhliziyweni yakhe khona manje, “ngokuba bonke abayokhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” (Rom. 10:13)

IMPILO ENTSHA

Thomas Wade Akins

Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela


UNGUBANI WENA? Impilo Entsha - Isifundo 1

ISINGENISO:

**Ungubani? Kungani ukhona? Iyini inhloso yempilo yakho?
Wazalelwani? Yini imbangela yeningi lezinkinga zakho?
Kuzokwenzekani kuwe mhla ufa?**

1 kwabaseThesalonika 5:23 iBhayibheli lithi, “kepha uNkulunkulu wokuthula, yena uqobo, makaningcwelise ngokupheleleyo, kulondolozwe umoya wenu wonke nomphefumulo nomzimba, kungabi nacala ekufikeni kweNkosi yethu uJesu Kristu.”

Umuntu uhlukeni kathathu: umzimba, nomphefumulo, nomoya. Buka umfanekiso olandelayo.



1. Yini umzimba? Umzimba uyindlu yomoya wakho nomphefumulo wakho. IBhayibheli kuGenesis 2:7 lisifundisa ukuthi, “UJehova uNkulunkulu wamenza umuntu ngothuli lomhlaba...” Umzimba wakho ubalulekile. 1 kwabaseKorinte 6:13 iBhayibheli lisifundisa ukuthi ngemizimba yethu kumele simdumise uNkulunkulu. IBhayibheli lithi ekugcineni komhlaba uNkulunkulu

uyoyivusa imizimba yethu ibe yimizimba emisha engafiyi. I Korinte 15:20: “Kepha kalokhu uKristu uvusiwe kwabafileyo, engulibo lwabaleyo.” Ngakho iBhayibheli alisifundisi ukuthi umoya wethu ekufeni uzobuyela emzimbeni noma uye lapha emhlabeni, kepha kuzoba khona ukuvuka. Zonke izinsuku umzimba wakho uya ngokuya uguga ngelinye ilanga inhliziyi yakho iyokuma.” Nakanjani umzimba wakho uyokufa ubuyele othulini kuze kubuye uJesu azowuvusa bese uvela phambi kwesihlalo sokwahlulela sikaNkulunkulu ngosuku lokwahlulela.

2. Yini umphefumulo? ITestamente Elisha ekuqaleni lalibhalwe ngolimi lwesiGriki negama “umphefumulo” ngesiGriki lithi psyche. Igama lethu lesingisi lithi “psyche.” Leligama lisukela kuleli “psychology.” (okuphathelele nokusebenza kwenqondo yomuntu) Umphefumulo wehlukaniseke kathathu:
 - a) **Inqondo:** Unendawo yokucabanga.
 - b) **Imizwa:** Uyakwazi ukuthanda, ukuthukuthela, ukuzonda, ukubaba kolaka, ububele nokunye.
 - c) **Intando:** Unakho ukukhetha wenze izinqumo. Uma wenza izinqumo usebenzisa intando.
3. **Yini umoya?** NgokukaJohane 4:24 iBhayibheli lithi, “uNkulunkulu unguMoya.” KuGenesisise 1:27 kuthi, “uNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu. Wabadala owesilisa nowesifazane.”

Kusho ukuthini ukuthi, “uNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe?” Lokhu kusho ukuthi ngenkathi uzalwa uNkulunkulu wakunika umoya. Isilwane asinawo umoya ngoba asidalwanga ngomfanekiso kaNkulunkulu.

Umoya yileyongxenywe yakho engakhulumisana noNkulunkulu ophilayo. UNkulunkulu wakunika indawo yokuthi ungaba nobudlelwano naye.

IBhayibheli lisifundisa ukuthi sizalwa nomzimba ongenamoya nguNkulunkulu kuphela ongewugcwalisa. Uyazi ukuthi ngani? Ngoba uNkulunkulu uNgcwele. Ngenkathi uJesu ehlangana noNikodemu wathi, “Akekho ongabona umbuso kaNkulunkulu engazalwanga ngokusha.” Uma umuntu engazalwanga ngokusha emoyeni wakhe unobulukhuni empilweni yakhe nasekhaya lakhe, emqondweni wakhe uzwa icala, uyesaba ukuphila uyesaba ukufa, unesikhala esikhulu sokungabi nalutho emoyeni wakhe.

Mhlawumbe uzizwela isikhala esikhulu sokungabi nalutho engaphakathini, emoyeni wakho, ngamanye amazwi enhliziyweni yakho.

Esifundweni sethu esilandelayo uzofunda kabanzi ngokuthi ungaba nakho kanjani ukuthula, nentokozo, nomoya ophelile (egcwaliswe ngoNkulunkulu), nokuthi ungaba nayo kanjani impilo echichimayo lapha emhlabeni naseZulwini ukuphila okuphakade. UNkulunkulu wakudala. Ungumuntu oyigugu. UNkulunkulu uyakuthanda ngoba wakudala ngomfanekiso wakhe nenhloso yakhe ngempilo yakho ukuba umdumise ngempilo yakho.

IMBUZO

Phendula imibuzo. Imibuzo engezansi kufanele iphendulwe ngo "Y" omele uyebo noma "Q" omele uqha. Zungeleza impendulo elungile.

1. (Y) (Q) – Umuntu uyizingxenywe ezintahu.
2. (Y) (Q) – Umzimba womuntu uyophila phakade.
3. (Y) (Q) – Umphefumulo uyingqondo, imizwa nentando.
4. (Y) (Q) – Isilwane sinomoya.
5. (Y) (Q) – Wonke umuntu umelwe ukuzalwa ngokusha.

INHLOSO KANKULUNKULU

Impilo Entsha – Isifundo 2

ISINGENISO

UNkulunkulu uyakuthanda. Wadalwa ngomfanekiso wakhe ubalulekile futhi uligugu. Uthini umcabango wakho ngawe? Ungumuntu ozithandayo? Uma ungazithandi kuyoba lukhuni kakhulu kuwe ukubathanda abanye abantu. Konke kuqala lapho ubona ukuthi uNkulunkulu uyilo ngempela uthando, futhi uyakuthanda ngempela. NgokukaJohane 3:16 kuthi, “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe (wena) kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kodwa abe-nokuphila okuphakade.”

- 1. INHLOSO KANKULUNKULU NGEMPILO YAKHO.** Iyini inhloso kaNkulunkulu ngawe? Wazalelwani wena? 1 ekaJohane 5:13, iBhayibheli lithi, “Nginilobele lokho (iBhayibheli) ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu.” Ngamanye amazwi isifiso sikaNkulunkulu ukukunika ukuphila okuphakade kanye nesiqiniseko. Wathi, “ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade.” Uma ufa namuhla ebusuku uyazi ukuth uzohamba uye ezulwini uyohlala naye iphakade? Ngokusho kweBhayibheli ungaso isiqiniseko salokhu esiphelele. Phinda ufunde 1 ekaJohane 5:13.
- 2. YINI UKUPHILA OKUPHAKADE?** NgokukaJohane 17:3 uJesu uyakuchaza ukuphila okuphakade kanje, “Yilokhu ukuphila okuphakade: ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo uJesu Kristu.” Esingisini sinegama elibaluleke kakhulu lokuhlanganisa inkulumo u-ngo. Singayazi into noma othile noma singazi ngento ngothile. Ungazi okuthile ngomongameli waseMelika noma ungamazi yena uqobo. Igama “ukwazi” kungekho uhlamvu lokuhlanganisa inkulumo lisho ubuhlobo obuseduze kakhulu njengokwazi umkakho,

umyeni, noma abantwana. Mhlawumbe wazi izinto eziningi ngoJesu, kodwa awumazi enhliziyweni yakho?

3. IMIPHUMELA YOKUPHILA OKUPHAKADE:

- Uma umazi ngempela uJesu eyiNkosi noMsindisi wakho, ingaphakathi lakho lichichima uthando, ukuthethelelwa nempilo okuyiyonayona. NgokukaJohane 10:10 uJesu uthi, “Ngize ukuba babe nokuphila babe nakho kuchichime.” Manje lokhu kungukuphila okuphakade.
- Uma unokuphila okuphakade, iBhayibheli lithi emva kokufa uyohlala noJesu eZulwini. NgokukaJohane 14:1-2 uJesu uthi, “inhliziyo yenu mayingakhathazeki. Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi, uma bekungenjalo bengiyakunitshela...”

ISIPHETHO:

UNkulunkulu uyakuthanda ufuna futhi ukukuphila ukuphila okusha, ukuphila okuguquliwe, ukuphila okunokuthula, uthando lwempela, ukuthethelelwa okuphelele nokuphila okuphakade. Esifundweni esilandelayo, uyofunda kabanzi ukuthi ungamazi kanjani uKristu nokuthi ungaso kanjani isiqiniseko sokuphila okuphakade.

IMIBUZO

Phendula imibuzo engezansi ukhetha u(Y) omele uYebo noma (Q) omele uQha kokungalungile. Kekelezela impendulo elungile.

- (Y) (Q) – 1 ekaJohane 5:13 iBhayibheli lifundisa ukuthi asikho isiqiniseko sokuphila okuphakade.
- (Y) (Q) – Ukuphila okuphakade kungukwazi uJesu Kristu enhliziyweni yakho.
- (Y) (Q) – Omunye umphumela wokuphila okuphakade yimpilo entsha enokuthula okungaphakathi ngoJesu Kristu, lemiphumela ingatholakala manje.

4. (Y) (Q) – Omunye umphumela wokuphila okuphakade ukuba nesiqiniseko sokuya eZulwini emva kokufa.

ISIDINGO SETHU – Isigaba 1
Impilo Entsha – Isifundo 3

ISINGENISO

Esifundweni ogcine ngaso ufunde ukuthi iNkosi uNkulunkulu iyakuthanda ifuna ukukunika impilo entsha, eguquliwe Nokuphila okuphakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Isinyathelo sokuqala sokwazi uKristu nokumamukela enhliziyweni yakho ukuqonda iqiniso elikulesisifundo.

1. **KUNGANI ABANTU ABANINGI BENGENASO ISIQINISEKO SOKUPHILA OKUPHAKADE?** Kungani iningi labantu linomoya ongenalutho? Inkinga yokuqala yisono. Asilithandi leligama, kodwa lona ligama langempela, eBhayibhelini lisetshenziswe ezikhathini eziningi. Kwabase Roma 3:23 iBhayibheli lithi, “Ngokuba bonke bonile basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu.”
2. **YINI ISONO?** Ababhali beBhayibheli bakhetha amagama athile achaza kangcono uhlobo oluthile lokona lolo ababeqonde ukulugcizelela. ETestamenteni Elidala kukhona amagama esiHeberu anjengalana asho: ukwenza ububi, ukweqa umthetho, ukuphendukezela, ukwenza okungalungile, ukonakaliswa, ukwenza okubi, ukubanga ubuhlungu, ukubanga ukudabuka, ukungabi nakulunga, ukungamthokozisi uNkulunkulu nokwala ukumlalela.

ETestamenteni Elisha kukhona igama elilodwa lesiGriki elisho ukungafinyeleli emgomeni, isenzo esibi, isenzo esonakeleyo, okubanga amahloni, ukona kuNkulunkulu. Amanye amagama eTestamenteni Elisha asho ukona, ukungathembeki, ukungakholwa, ukungazithibi, ukuphambuka nokweqa umthetho kaNkulunkulu. Ngamanye amazwi, siyabona ukuthi ukona ukungalaleli uNkulunkulu.

3. IZINDLELA EZIMBILI UMUNTU AYISONI NGAZO :

- A. IBhayibheli lifundisa ukuthi siyizoni ngemvelo. AmaHubo 51:5 athi, “Bheka ngazalelwa ebubini, umame wangithabatha esonweni.” Uke wabona yini akudingeki ukuba izingane uzifundise ukona noma ukwenza okungalungile? Nginabantwana abathathu angikaze ngibafundise ukona noma ukwenza okungalungile. Bafundile amaklasi esayensi, nezibalo nesingisi kodwa abakaze bazenze izifundo zokuthi okungalungile kwenziwa kanjani. Ngani? IBhayibheli lifundisa ukuthi siyizoni ngemvelo yethu.
- B. IBhayibheli lisifundisa ukuthi siyizoni ngokuzikhethela. Lokhu kusho ukuthi siyazikhethela ukwenza okungalungile. UNkulunkulu wasinika imiyalo eyishumi kuEksodusi 20.

UNkulunkulu uthi, Ungabi nabanye oNkulunkulu ngaphandle kwami. Awuyikuba namfanekiso walutho noma nasithombe endlini yakho. Ungaphingi noma ungalali namuntu ngokungafanele. Ungaqambi amanga nokunye.

Esifundweni esilandelayo sizofunda ngezinto ezibangwa yisono nethemba lethu (okungukuphela kwalo).

IMIBUZO

Phendula imibuzo engezansi ukhethe u(Y) omele uYebo noma (Q) omele uQha kokungalungile. Kekelezela impendulo elungile.


1. (Y) (Q) – Iningi labantu banesiqiniseko sokuphila okuphakade.
2. (Y) (Q) – Inkinga enkulu yomuntu ukuswela imali.
3. (Y) (Q) – Inkinga enkulu yomuntu isono.
4. (Y) (Q) – Isono siyamehlukanisa umuntu noNkulunkulu.
5. (Y) (Q) – Unaso isiqiniseko esiphelele ngokuphila okuphakade.

ISIDINGO SETHU – Isigaba II

Impilo Entsha – Isifundo 4

ISINGENISO

Ezifundweni ogcine ngazo ufunde ukuthi iNkosi uNkulunkulu iyakuthanda futhi ingcwele. Igama elithi ngcwele lisho “owahlukanisiwe.” Lokho kusho ukuthi uNkulunkulu akanasono, nokho umuntu uyisoni. Kunegebe phakathi komuntu noNkulunkulu; Leligebe yisono.



umuntu

uNkulunkulu

KwabaseRoma 6:23 iBhayibheli lithi, “inkokhelo yesono ingukufa.” Uma usebenza inyanga yonke uyahola. Inkokhelo yesono iyini?

1. **Ukufa kungukwahlukana noNkulunkulu manje lapha emhlabeni.** Mhlawumbe enhliziyweni yakho uzwa ukungabi nalutho okukhulu. Esikhundleni sokuba nokuthula, mhlawumbe ugwele isiyalu yalu. Esikhundleni sothando kokunye uphethwe yisizungu. Endaweni yethemba unokwesaba-wesaba ukuphila wesaba ukufa. Kokunye ngaphandle ubukeka ujabule, kepha ngaphakathi awunalutho awunanhloso ngempilo yakho. Kokunye akukhomuntu okwaziyo lokhu nguweni wadwa.
2. **Ukufa kungukwahlukana noNkulunkulu usesihogweni iphakade lonke.** IBhayibheli alifundisi ngesihlanzo (purgatory) noJesu akakaze afundise ngokuthi sikhona.

Amanye amabandla afundisa ukuthi kukhona indawo lapho imiphfumulo yabathembekileyo ihlanzwa khona emva kokufa nabanye abantu bafundisa kanjalo. Bafundisa ukuthi yindawo lapho umuntu elungiselela khona ukuya ezulwini. NgokukaLuka 16:26 uJesu uthi, “Kukhona umhosha phakathi kwezulu nesihogo.” UJesu ukufundisa ngokucacile kuLuka 16:19-31 ukuthi ukufa kuchaza isihogo.

KumaHeberu 9:27 iBhayibheli lithi, “Futhi njengalokhu kumiselwe abantu ukuba bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa.” Ngamanye amazwi, uyofa kube kanye (ayikho indaba yokuba ubuye uzalwe emva kokufa) emva kwalokhu ukwahlulela kukaNkulunkulu.

ISIGCINO:

Isono yinkinga enkulu, omphumela ukufa. Ukufa kungukwahlukana noNkulunkulu manje usaphila nalapho usufile.

Esifundweni esilandelayo uyofunda ngesixazululo esiphelele sezono zakho.

IMIBUZO

Phendula imibuzo engezansi ukhethe u(Y) omele uYebo noma (Q) omele uQha kokungalungile. Kekelezela impendulo elungile.

1. (Y) (Q) – UNkulunkulu uNgcwele.
2. (Y) (Q) – Umuntu ungcwele.
3. (Y) (Q) – Inkokhelo yesono ingukufa.
4. (Y) (Q) – IBhayibheli lifundisa ukuthi kukhona isihlanzo (purgatory).
5. (Y) (Q) – Ukufa kusho ukwahlukana noNkulunkulu manje nasesihogweni ingunaphakade yonke.

AMALUNGISELELO KANKULUNKLU


Impilo Entsha – Isifundo 5

ISINGENISO

Esifundweni ogcine ngaso ufunde ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda uNgcwele futhi, nokuthi umuntu uyisoni. Ufunde nokuthi kukhona izinto ezimbili ezibangwa yisono. IBhayibheli kwabaseRoma 6:23, “Inkokhelo yesono ingukufa.” Ukufa ngukwahlukana noNkulunkulu ngezindlela ezimbili. Okokuqala, ukwahlukana noNkulunkulu manje kulomhlaba. Okwesibili, ukwahlukana kokuya esihogweni emva kokufa. Kulesisifundo uzofunda isixazululo senkinga yesono somuntu.

1. **INANI LESONO.** Inani lanoma isiphi isono osenzileyo noma osazosenza, linjengoba kushiwo kwabaseRoma 6:23, ukufa. Lokhu kusho ukuthi indlela engasusa igebe elibangwa yisono empilweni yakho ukuba kube khona ofa ngenxa yezono zakho. KwabaseRoma 5:8 iBhayibheli lithi, “Kepha uNkulunkulu uyabonakalisa ukusithanda kwakhe ngalokhu ukuthi, siseyizoni, uKristu wasifela.”
2. **UJESU KRISTU WAKHOKHA INANI LEZONO ZETHU.** UJesu Kristu wakhokha inani lezono zakho ngenkathi efa esiphambanweni. 1 ekaJakobe 1:7 ithi, “negazi likaJesu iNdodana yakhe liyasihlambulula ezonweni zonke.” Abantu abaningi bazama ukufinyelela kuNkulunkulu ngalezizindlela:
 - a. Imisebenzi emihle
 - b. Ngenkolo
 - c. Ngombhaphathizo
 - d. Ngesidlo seNkosi
 - e. Ngemithandazo eyenziwe ezithombeni zenkolo
 - f. Imisa (imass)
 - g. Izingelosi
 - h. Abangcwele
 - i. Ukubuyela komoya emzimbeni omunye
 - j. Ukukhulekela imimoya

Nokho zonke lezizinto azinamandla okususa isono. IBhayibheli likuchaza ngokusobala ukuthi kukhona iNkosi eyodwa noMsindisi, noMlamuleli phakathi komuntu noNkulunkulu. Igama lakhe nguJesu. 1 kuThimothewu 2:5-6 kuthi, “Ngokuba munye uNkulunkulu, munye nomlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nabantu, umuntu uKristu Jesu, owazinikela abe yinhlawulo yabo bonke.”



umuntu uJesu uNkulunkulu

Emva kokuba uKristu afe, wavuka kwabafileyo. Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena kuphela iNkosi, noMsindisi noMlamuleli phakathi kwakho noNkulunkulu?

Esifundweni esilandelayo uzofunda ukuthi ungamamukela kanjani uKristu emoyeni (enhliziyweni) wakho ube nokuphila okuphakade.

IMBUZO

Phendula imibuzo engezansi ukhethe u(Y) omele uYebo noma (Q) omele uQha kokungalungile. Kekelezela impendulo elungile.

1. (Y) (Q) – Inani lesono ngukufa.
2. (Y) (Q) – Ukufa kukaKristu, igazi lakhe iyona yodwa indlela engasusa izono zomuntu.
3. (Y) (Q) – Isenzo sokubhaphathizwa singasusa isono.
4. (Y) (Q) – Isidlo seNkosi singasusa isono.
5. (Y) (Q) – UJesu Kristu nguyena kuphela iNkosi yethu noMsindisi, noMlamuleli wethu nguyena kuphela ongathethelela izono.

UKUPHENDULA KWETHU

Impilo Entsha – isifundo 6

ISINGENISO

Esifundweni esigcine ngaso, sifunde ukuthi uJesu Kristu wachitha igazi lakhe ukukhokha inani lezono zethu. Ufunde ukuthi akukho lutho olungasusa izono, noma into, noma umuntu noma amandla athile uJesu kuphela. Wakhokha inani lezono zethu. Awudingi wena ukukhokha lutho. Ngalendlela uJesu ukupha ukuphila okusha nokuphila okuphakade.

Mhlawumbe ngokomqondo wazi konke ngoJesu, kodwa iBhayibheli lithi umelwe ukumamukela emoyeni (enhliziyweni) wakho. Kumele asuke enqondweni angene enhliziyweni. Ngenkathi enza lokhu, futhi uthethelela izono zakho ezedlule nezamanje kanye nalezo osazozenza. NgokukaJohane 1:12 kuthi, “Kepha bonke abamamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.”

Okufanele ukwenze lapho umamukela uKristu:

1. **UKUPHENDUKA.** NgokukaMarku 1:15 kuthi, “Phendukani nikhholwe yivangeli...” Igama “ukuphenduka” kusho “ukuguqula umqondo wakho.” Ngamanye amazwi kufanele uvume ukushintsha umqondo wakho maqondana nesono uvumele uKristu ukuba angene enhliziyweni yakho. Wena ngokwakho awunawo amandla okushintsha impilo yakho. Ulungele ukuvumela uKristu angene empilweni yakho akuguqule na? Ngamanye amazwi kufanele uqonde ukuthi uKristu kuphela onamandla okuguqula impilo yakho. Ulungele ukushintsha indlela yakho ngenxa kaJesu? Ulungele ukushiya izono zakho unikele impilo yakho kuJesu umvumele akuphathe na? Ulungele ukuvumela uKristu ukuba abe ngumnikazi wempilo yakho ayiguqule na?

2. **UKUKHOLWA.** NgokukaMarku 1:15 kuthi, “Kholwa yivangeli.” Cishe wonke umuntu uthi, “ngiyakholwa uJesu.” Kepha kukhona inkolo yangempela nenkolo yamanga. EkaJakobe 2:19 kuthiwa eBhayibhelini, “Amadimoni ayakholwa (uJesu).” Siyazi nokho ukuthi amadimoni awasindisiwe.
3. **YIKUPHI UKUKHOLWA KWANGEMPELA?** Ukukholwa kwangempela yilokho okusindisayo. Igama elithi “ukukholwa” lisho “ukwethemba.” Ukukholwa okusindisayo yilokho ukukholwa yinsindiso etholakala kuJesu kuphela engahlanganiswanga nalutho olunye. Amagama athi “ukwethemba” noma “ukukholwa” ukunikela impilo yakho yonke kuKristu ukuze ube munye naye.
4. **MAMUKELE UKRISTU.** Ulungele ukumvuma uKristu abe yiNkosi, noMnikazi, noMphathi wakho? Ulungele ukumvumela aguqule apha the impilo yakho? Yilokhu-ke ukuphenduka! Ulungele ukuyeka ukwethemba ezinye izinto ezinje ngalezi: impilo elungile, imisebenzi emihle, uMariya, izingelosi, izangoma, izithombe noma umbhaphathizo, bese ubeka ukholo lwakho lonke kuJesu Kristu kuphela. Nakhu-ke ukukholwa kwempela!

NGUJESU KRISTU KUPHELA OSINDISAYO

ISIGCINO

UJesu Kristu wafa esiphambanweni ngenxa yezono zakho, emva kwezinsuku ezintathu wavuka. Uyaphila namuhla ufuna ukungena empilweni yakho. Uyavuma ukuthi uJesu Kristu kube nguye kuphela iNkosi noMsindisi noMlamuleli wakho? Ulungele ukunika uKristu impilo yakho umvumele ukuba aguqule akunike ukuphila okuphakade na?

KwabaseRoma 10:13 iBhayibheli lithi, “Bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” Ungamamukela uKristu

empilweni yakho ngokukholwa khona manje. Ungamcela uKristu ukuba angene empilweni yakho ngomthandazo.

Uma kuyisifiso sakho yisho lomthandazo khona manje ngeqiniso lonke, kusho kuJesu kusuka enhliziyweni yakho. Mtshele ukuthi:

“Nkosi ngiyisoni. Ngiziphathele impilo yami. Ngifanelwe ukufa nesihogo. Ngiyakholwa ukuthi wena uyiNkosi yami noMsindisi wami. Sengilungele ukushiya izono zami ngivumele Wena ukuba uphathelwe impilo yami. Sengilungele ukuyeka ukwethembela insindiso yami kwezinye izinto. Jesu, ngena enhliziyweni yami khona manje, uguqule impilo yami, ungiphe impilo entsha, ungiphe UKUPHILA OKUPHAKADE. Amen”

IMIBUZO

Phendula imibuzo engezansi, khetha u(Y) esikhundleni sika Yebo no(Q) esikhundleni sika Qha. Kekelezela impendulo yakho.

1. (Y) (Q) – Uyakholwa ukuthi uJesu uwuzwile umthandazo wakho?
2. (Y) (Q) – Uma ukholwa yilokhu, ucabanga ukuthi njengokusho kweBhayibheli uJesu Kristu usenhliziyweni yakho manje.
3. (Y) (Q) – Uma ubuzokufa namuhla uyazi ukuthi ingunaphakade ubuzoyichitha kuphi?

Uma uwukhuleke ngokukholwa lomthandazo, umamukele uJesu empilweni yakho, ngicela ugcalise imibuzo engezansi:

1. Chaza ngempilo yakho ungakamamukeli uJesu!

2. Kwakukuphi uyeka ukwethemba ezinye izinto unikela impilo yakho ngokupheleleyo kuJesu? (Njengokuthi, ochungechungeni lwezitolo, kushumayela ithimu yevangeli emoyeni, ubuka ibhayisikobho ngezindaba zikaJesu, ufunda ipheshana levangeli, ngezifundo zeBhayibheli zangasese, nokunye.) Wenze kube kufushane.

3. Impilo yakho injani manje? (Njengalokhu ukungabi nalutho emoyeni kusukile, uneqiniso ukuthi uKristu usesempilweni yakho, usunakho ukuthula enhliziyweni yakho na?)

AMAQINISO AYISITHUPHA OMUNTU OSANDAKUKHOLWA

Impilo Entsha – Isifundo 7

ISINGENISO

IBhayibheli kwabaseKolose 2:6 lithi “Ngakho-ke njengalokho nimamukele uKristu Jesu iNkosi, hambani nikuye.” Kulesisifundo uzofunda ukuthi ungahlala kanjani unobudlelwano noKristu.

Ngenkathi uzalwa ngokwenyama wazalwa kwaba kanye. Uma wamukela uKristu uzalwa kube kanye ngokomoya. Yisho lokho okubizwa ngokuthi, “ukuzalwa ngokusha” kuJohane 3. Nasemzimbeni kungebe masonto onke uyazalwa kanjalo nasempilweni yokuzalwa komoya.

UKUQINISEKA NGENSINDISO NANGOKUPHILA OKUPHAKADE

Iqiniso 1

Yini ukuphila okuphakade? NgokukaJohane 17:3 kuthi “ukuphila okuphakade yilokhu ukuba bazi wena Nkulunkulu wedwa oqinisileyo, nomthumileyo, uJesu Kristu.” Ngamanye amazwi ukuphila okuphakade nguJesu esenhliziyweni yakho (umoya). Lokhu kusho ukuthi lapho uJesu engena empilweni yakho, uyokunika impilo entsha futhi uyophila naye phakade eZulwini.

I ekaJohane 5:12 kuthi, “Onayo iNdodana unokuphila, ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila.”

Kwenzekani uma wona emva kokuba usumamukele uKristu? Ayikulahlekeli insindiso yakho. Ake ngichaze. Nginabantwana abathathu kwesinye isikhathi abangilaleli. Ucabanga ukuthi ngiyabaxosha kuze kube phakade. Akunjalo. Bangabantwana bami ngiyabathanda. Ngiyababuyisa, ngibafundise, ngibaqondise. KumaHeberu 12:7-8 iBhayibheli lithi, “Bekezelani ekulayweni, uNkulunkulu uyaniphathisa okwabantwana, ngokuba iyiphi indodana engalaywa nguyise na? Kepha uma ningalaywa, abathe bonke benziwa abahlanganyeli kukho, khona-ke ningabesihlahla anisiwo amadodana.”

NgokukaJohane 1:12 iBhayibheli lithi, “Kepha bonke abamamukelayo, wabapha amandla okuba babe abantwana

bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe.” Ngakho-ke indodana iyolaywa uma yona. Uma kungenjalo awusiyo indodana kaNkulunkulu. Kodwa indodana yeqiniso ayisoze yalahlekelwa insindiso yayo ngoba inokuphila okuphakade.

Uma wona emva kokwamukela uKristu uNkulunkulu uyokulaya ukukuqondisa ukuze uhambe ngendlela elungile. Ngeke asuse insindiso yakho. Insindiso yakho iphakade, iphakade-ke yinini nanini.

BHAPATHIZWA

Iqiniso 2

NgokukaMathewu 28:19 uJesu uthi, “Ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibahpathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele. Nibafundise ukugcina konke enginyale ngakho.”

Mhlawumbe wabhathizwa ngenkathi useyingane. UJesu kodwa uthi abanelungelo lokubhathizwa yilabo abangabalandeli bakhe. Ngenkathi uyingane wawungesiye umlandeli wakhe. Wawungazi lutho ngoJesu. Waba ngumlandeli kaKristu mhla umamukela empilweni yakho ngokukholwa nangokuphenduka.

Akufanele ngani ubhathizwe uyingane? Yingoba ukubhathizwa kuluphawu (into obonakala ngayo) lokuthi ungumlandeli kaKristu.

EBhayibhelini bonke abalandeli babhathizwa ngokucwiliswa emanzini emva kokwamukela uKristu. Yini ukucwilisa? Lapho ubhathizwa othile uyofakwa umzimba wakho wonke phansi kwamanzi isikhashana. Kungani? Ngoba lokhu kuluphawu lokufa, nokumbelwa nokuvuka kukaJesu. Awukwazi ukukwenza lokhu useyingane, ungakwenza emva kokwamukela uKristu.

KwabaseRoma 6:3-4 kuthi, “kumbe anazi yini ukuthi sonke esabhathizelwa kuKristu uJesu, sabhathizelwa kukho ukufa kwakhe na? Ngakho sembelwa naye ngokubhathizelwa kukho ukufa ukuba njengalokho uKristu wawuswa kwabafileyo ngenkazimulo kaYise, kanjalo nathi sihambe ekuphileni okusha.”

Amanzi awasisindisi. NguJesu Kristu kuphela osindisayo. Ukubhathizwa kuluphawu lwakho lokuqala lokuthi ungumlandeli kaKristu. Uma ngazi ukuthi ungabhathizwa kuphi, buza kumvangeli

wakho, noma ubhale incwadi ubuze kumlobi walencwadi oyifundayo uchaze ukuthi wasindiswa ukuphi, uyozama ukukutholela umuntu wokukubhathiza.

FUNDA IBHAYIBHELI LAKHO

Iqiniso 3

AmaHubo 119:105 athi, “Izwi lakho liyisibani ezinyaweni zami nokukhanya endleleni yami.” IBhayibheli liyizwi likaNkulunkulu. Ingxenye yokuqala ibizwa ngokuthi iTestamente Elidala. Ingxenye yesibili iTestamente Elisha Igama elithi itestamente lisho “isivumelwano.”

Kufanele ulifunde kanjani iBhayibheli? IBhayibheli incwadi yothando yakho evela kuNkulunkulu. Funda iBhayibheli lakho usebenzise lendlela:

1. Qala ufunde incwadi-njengokuthi-nje incwadi kaJohane.
2. Funda ivesi lokuqala.
3. Cela uNkulunkulu akubonise iqiniso lokomoya elikulelivesi. Njengalokhu, ngokukaJohane 1:1 kuthi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.”

Yimaphi amaqiniso okomoya atholakala kulelivesi?
 - a. Umhlaba wadalwa nguLizwi.
 - b. ULizwi wayenguNkulunkulu (u14 ubuye asitshela ukuthi uLizwi nguJesu).
4. Funda lelo nalelovesi noma indinyana usebenzise lendlela udedele uNkulunkulu akhulume kuwe ngokuthi ungubani, akhulume ngezono empilweni yakho, akhulume ngemiyalo okufanele uyilalele nokunye.

UMTHANDAZO

Iqiniso 4

NgokukaLuka 18:1 uNkulunkulu uthi simelwe ukukhuleka njalo singadangali. Ungakhuleka kanjani? Kubalulekile ukuba ube nesikhathi wena wedwa noNkulunkulu. Qala isikhathi sakho usebenzise lindlela:

1. Ukufunda iBhayibheli – sebenzisa indlela yesinyathelo 3 imizuzu engu 5.
2. Mdumise – wothi “Nkosi Baba, ngiyakuthanda ngoba ...”
3. Ukubonga- “Ngiyabonga Nkosi ngoba”
4. Ukunxusa- “Nkosi ngikhulekela indodana yami uBongumusa ngoba udinga ...” (qhubeka ukhulekela abantu abangakamamukeli uKristu) Yenza uhla lwabantu. Beka amanye amagama aloluhlu phansi koMsombuluko, Olwesibili, Olwesithathu nokunye. (ubakhulekele ngalezizinsuku)
5. Ukucela- tshela uNkulunkulu izidingo zakho.
6. Ukuvuma izono- thula isikhashana, ucele uNkulunkulu akukhumbuze noma into embi esempilweni yakho. 1 ekaJohane 1:9 uthi, “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.” Lokhu kwakubhalelwe abantu abase bemamukele uKristu. Uma ungcilile kufanele ugeze umzimba. Ukuvuma kungukugeza kumaKristu (ukugeza).

YIBA YILUNGU LEBANDLA LEVANGELI

Iqiniso 5

Kwabase-Efesu 1:23 kuthi, “elona lingumzimba wakhe.” UJesu Kristu uyinhloko yebandla. Kwabase-Efesu 1:22 kuthi, “Wakubeka konke phansi kwezinyawo zakhe, wammisa abe yinhloko phezu kwakho konke kulo ibandla.”

Igama uPetro lisho “idwala” uJesu Kristu naye ubizwa “ngedwala.” NgokukaMathewu 16:18 uNkulunkulu akasho ukuthi uPetro uyinhloko yebandla, kodwa uthi uJesu uyitshe legumbi. 1 kwabaseKorinte 3:11 kuthi, “Ngokuba akakho ongabeka esinye isisekelo, kuphela lesi esibekiweyo, esinguJesu Kristu.”

Ibandla umzimba wabakholwayo ababhaphathiziweyo abahlangana ndawonye ngenhloso yoku:

1. Ukudumisa—ukwenza izimiso ezimbili—Isidlo seNkosi nokubhaphathiza.
2. Ukuvangela
3. Ukwenza abafundi
4. Ukuhlangabeza izidingo zabantu
5. Ubudlelwano

Kudingeke ngani ukuba ube ngowebandla elithile?

1. Ukudumisa iNkosi kanye nabanye abafowenu kuKristu.
2. Ukufunda izwi likaNkulunkulu
3. Ukuba nobudlelwano namanye amaKristu (ibandla liwumndeni wakho wokomoya)
4. Ukukhonza abanye
5. Ukwabelana nabanye abantu abangakamamukeli uJesu

UKUFAKAZA

Iqiniso 6

NgokukaMathewu 28:19 uJesu uthi, “Hambani nenze abafundi.” Lokhu kusho ukuthi lowo nalowomlandeli kaJesu kufanele abelane nomuntu olahlekile ukuthi kwenzekani empilweni yakhe. Ubufakazi kufanele buqale kubantu bomndeni wakho. Kufanele ubachazele ngempilo yakho ngaphambi kokwamukela uKristu abe ngumsindisi wakho, nokuthi wasizwa kanjani isidingo sikaJesu, wamamukela kanjani, futhi nini, uKristu, impilo yakho isinjani manje kuKristu. Emva kokwenza lokhu, buza lowo nalowo ukuthi uyathanda yini naye ukwamukela uKristu abe nesiqiniseko sokuphila okuphakade.

Uma umuntu ethi “Yebo,” mkhombise amavesi alandelayo uwachaze ngalinye njengoba kushiwo ngezansi:

1. 1 Johane 5:13 - Ungabanaso isiqiniseko sokuphila okuphakade. Ukuphila okuphakade uJesu esenhliziyweni yakho (ngokukaJohane 17:3). Imiphumela yokuphila okuphakade ukuba nokuthula manje

(Joh. 10:10, 17) nesiqiniseko sokuya ezulwini emva kokufa (Joh. 14:1-3).

2. KwabaseRoma 3:23 - Inkinga enkulu yomuntu yisono. Sonke siyizoni. Ngenxa yesono sinisithiyo esikhulu esisahlukanisa noNkulunkulu.
3. KwabaseRoma 6:23 - “Inkokhelo yesono ingukufa.” Lokhu kusho ukuthi umphumela wokugcina wesono ngukufa. Ukufa ukwahlukana noNkulunkulu. Lokhu kusho ukuthi impilo yethu manje ngeke ibe nokuthula, nokujabula nesiqiniseko sokuphila okuphakade. Kuyoba yimpilo esidayo, engenalutho enokwesaba enonembeza omlahlayo. Futhi kuyoba yimpilo eyahlukene nezulu nanobukhona bukaNkulunkulu ingunaphakade.
4. KwabaseRoma 5:8 - uKristu wafa ngenxa yezono zethu. UKristu wayikhokha intengo (inkokhelo) ekhokhela izono zami nezono zakho futhi ngokufa kwakhe endaweni yethu.
5. KwabaseRoma 8:9-10, 10:9-10 - Ukwamukela uKristu, kumele umvume abe yiNkosi noMsindisi wakho. Lokhu kusho ukuthi kufanele umvumele uKristu ukuba impilo yakho iphathwe nguye. Futhi kusho ukuthi umethembe uKristu. Ukwethemba kusho ukuyeka ukwethembela kwezinye izinto ubeke lonke ukholo lwakho kuJesu Kristu.
6. KwabaseRoma 10:13 - Mbuze umuntu ukuthi uyathanda yini ukunikela impilo yakhe kuJesu. Uma ethi, “Yebo” mcele ukuba akhuleke acele uNkulunkulu ukuba angene enhliziyweni yakhe khona manje, “ngokuba bonke abayokhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” (Rom. 10:13)

UQEQESHO LOKWENZA ABAFUNDI LWABAHOLI BENDAWO

Waylon Moore - Thomas Wade Akins

Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela

Isondo Lempilo YobuKristu

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo Abaholi – Isifundo 1
Waylon Moore

Impilo egcwaliswe nguMoya oNgcwele inoKristu phakathi naphakathi

Umzimba udinga izinto ezithile ukuze uphile futhi ukhule: ukudla, umoya, ukuphumula Nokwelula umzimba. Ngaphandle kwalezizinto ezine nazo zenziwa ngezilinganiso ezifanele umzimba uyagula ungafa nokufa. Lokhu kuyiqiniso nasempilweni yokomoya. Izinto ezithile ziyadingeka, zidingeka futhi ngohlelo oluthile ukuze siphile impilo enobudlelwano obuhle noKristu, ongukuphila kwethu. UNkulunkulu ufuna abantwana bakhe bathuthuke futhi bakhule emoyeni. (Kolose 1:28; Efesu 4:13-15)

Sisebenzisa umfanekiso “Isondo lempilo yobuKristu” ukuveza ukuthi umKrestu kufanele aphile kulomhlaba enobudlelwano obenele neNkosi nanabanye abantu. Isondo limele umKristu nempilo yakhe (dweba umfanekiso phambi kweklasi). Kufanele athintane nezwe (dweba umugqa ngaphansi komfanekiso njengalokhu ngenzile). Yiba khona ezweni ungabi ngowezwe kodwa (Joh. 17:11, 14).



IZWE

Lelo nalelosondo line-ekiseni ephakathi naphakathi. Leliphakathi liswelekele ukuze lisebenze. Yilowo nalowomuntu unokuthile phakathi naphakathi empilweni yakhe. Kwesinye isikhathi umsebenzi, kwezinye izikhathi, umndeneni, kwezinye izikhathi ukuzilibazisa, nokunye. (Bhala UKRISTU phakathi naphakathi kwesondo). I ekheli yinhliziyi yesondo. Kwakhiwe isondo lizungeze i ekheli labekwa phakathi nendawo lasekelwa kahle yilo elikhomba lapho kubhekwe khona nesivinini okufanele sifezeke. Inhlalo yesondo njalo ukuhamba libheke phambili indlela-ke ikhonjwa yi ekheli. Empilweni yobuKristu kunendlela engaguquki eluhambo olubheke phambili oluqhubekayo, kuphela-nje uma uKristu ephakathi nendawo. Uma uJesu engekho phakathi nendawo empilweni yekholwa, umsebenzi wokukholwa uyaphazamiseka nobufakazi bakhe abubi-nalusizo, bubayize. Bese umKristu ededa enhlosweni kaNkulunkulu amdalela yona nowamsindisela yona. Labo abathemba iNdodana yakhe uNkulunkulu ubenzela izinto ezimangalisayo ezimbili. Ngalezizinto ezimbili unikeza impilo enobuhle ehlukile kulabo bezwe. Kukhona ezinye kunalezi ezibaliwe, kepha zakha isisekelo sobuhlobo obusha bomKristu nokukhula kwakhe emseni.

Okokuqala, sinokuphila okukuKristu. (2 Korinte 5:17; Kolose 2:6, 9, 10; nikeza lezizahluko namavesi). Ukuphila kwethu kukuJesu. UMoya oNgcwele usibeka endaweni engajwayelekile yokuba: sibekuKristu. Ezikhathini zobulukhuni, zobunzima, zengozi, kumelwe sikhumbule njalo leliqiniso elisho okukhulu.

Okwesibili, uKristu ukuthi Uyimpilo yethu uyi ekheli yethu, ukuthi. Sithethwe futhi singenwe nguye. Imibhalo eminingi ikhuluma ngaleliqiniso elimangalisayo: ngokukaJohane 15:5; kwabaseFilipi 1:6; kwabaseGalathiya 2:20; 2 kwabaseKorinte 13:5, nokunye. Umthombo wempilo yobuKristu uyiNkosi uJesu uqobo lwakhe. UKristu “ekithi” kunjengoba amagama esho futhi kunjalo ngempela. “Hlalani kimi nami kini.” (Johane 15:4; 17:23)

Siyakubona okwashiwo nguPawulu kwabaseFilipi 1:21. Akashongo ukuthi “Kimina ukuphila kungukulingisa uKristu”, akashongo nokuthi “Kimina ukuphila ukuphila nginoKristu njengomsizi wami”, engashongo nokuthi “Kimina ukuphila

kungukuba ngibe njengoKristu.” Waqinisa wagomela wathi, “Kimina ukuphila kunguKristu, ukufa kuyinzuzo.”

U C.G. Trumbell encwadini yakhe, Impilo Enqobayo (The Life That Wins) uthi, “INKosi ayifuni khona ukuba siyisebenzele kodwa ifuna ukuba siyivumele isebenze ngathi, isisebenzise njengalokhu sisebenzisa ipeni lapho sibhala, kungabangcono futhi ukuba njengalokhu sisebenzisa omunye weminwe yethu isisebenzise kanjalo nayo. Lapho impilo yethu ingaseyona enguKristu, kepha ingeka Kristu, iyoba impilo enhle nenomsebenzi omuhle.

Ukuxhumana phakathi kwesondo ne ekseli kwenziwa izipoki zesondo.

Zidlulisela esondweni isivinini nendlela ekhonjwa yi ekseli. Yiziphi izipoki ezivumela ukuxhumana kwezimpilo zethu noKristu? Kukhona izipoki ezine zokuqala ebuhlobeni bethu. (Dweba izipokwe ezine uc ele abafundi basho izinto ezine ezidingekayo ekukhuleni kwengane). Ingane encane ekukhuleni kwayo idinga ukudla, ukukhuluma, ukuhamba, ukuxhumana, nabanye. Lezizenzo ezine ziyahambisana nesimo sokomoya: ukudla iBhayibheli, ukuthandaza, ukulalela nokufakaza.

UKUDLA - ngokukaMathewu 4:4, 1 ekaPetru 2:2, Izenzo 2:42; uJeremiya 15:16; 2 kuThimothewu 3:16-17; Kolose 3:16.

Lowo nalowomKristu udinga ukufunda ukudla eZwini likaNkulunkulu njalonzalo. Ngokudla komoya. Ingane ayikwazi ukuzidlela idinga othile ayiphe ukudla kwayo. Ngokukhula iyafunda ukuzidlela nokho isamdinga owokuyilungisela ukudla. Ngenkathi ingane ikhula iyofunda ukuzilungisela ukudla ngoba isindala. Kulapho umuntu esekhulile lapho azi kahle khona ukupha omunye ukudla. Kwenzeka kanjalo nasesimeni sokomoya. Kunento engavamile eyenzekayo kwesinye isikhathi empilweni yomKristu, ukuba edlule ebangeni lokwemukela aqhubekele ekwabeni.

(Njengokuba kuyiqiniso ukuthi kumelwe sidle zonke izinsuku, kanjalo -ke kumele silihlole iZwi zonke izinsuku.)

Ukuba sedilini lokomoya kanye ngeSonto akwanele ukondla umntwana kaNkulunkulu. Udinga ukudla kwemihla ukuze anelise izidingo zakhe.

IBhayibheli “Liyisitolo esinakho konke sokomoya.”

Linezinkulungwane ezingu 31 zamavesi: zingukudla kwamathini namabhodlela, nezinto ezipakishiwe nezifakwe emakhazeni eziyizidlo ezinhlobonhlobo. Kukhona ukudla okuyizakhamzimba: amavithamini, ama Proteins amaminerals. UmKristu kufanele abe nokuhlakanipha kokukhetha ukudla okufanele, akulungise, akudle. Kubalulekile futhi ukulungisa ukudla okumnandi nokuzwakalayo alungisele abanye.

UKUKHULUMA - ngokukaJohane 16:24; ngokukaMatewu 21:22; kumaHeberu 4:15-16; 1 ekaJohane 5:14-15; AmaHubo 66:18.

Ukukhuluma noNkulunkulu ngomthandazo nokudla iZwi leNkosi kuyizipoki ezimbili ezisiza esinye. Lezipoki zingamandla esondo, zimise amandla. Ingane izalwa ingakwazi ukukhuluma. Ifunda kwabanye. Izingane zasekukholweni zifunda ukukhuleka lapho zizwa abanye bekhuleka benambitha imikhuleko yabanye. UNkulunkulu ufisa kakhulu ukuxoxa nathi. Ufuna abakhuleka kuye. (ngokukaJohane 4:23) Kukhona izinhlobo eziyisihlanu zomkhuleko: ukudumisa nokukhonzisa, ukubonga, nokunxusa, ukucela, ukuvuma.

Kubalulekile kakhulu ukuba umntwana kaNkulunkulu amise isikhathi esithile osukwini ukuba yedwa noNkulunkulu, ukufunda izwi nokukhuleka.

UKUHAMBA - ngokukaJohane 14:21; 15:10; kumaHeberu 5:8-9; uGenesis 22:18; 2 kwabaseKorinte 5:7; uAmose 3:3.

Uma sifunda ukuhamba ngokwenyama sinyathela isinyathelo esisodwa ngesikhathi-sinye. Ukuhamba kwezikamoya kusho ukulalela iNkosi. Impilo yokulalela uNkulunkulu inochungechunge lwezinyathelo. UPawulu wasebenzisa ukuhamba echaza impilo ejwayelekile yomKristu (Efesu. 2:10; 4:1, 17, 5:2, 8, 15). Ukuhamba yisenzo esejwayelekile esenzeka ekukhuleni kwengane, okungajwayelekile nokulusizi olwesabekayo ukuba ingane ingakwazi ukuhamba. Ukungalaleli kuyamkhubaza umKristu. Ukuthobela uMoya oNgcwele izikhathi ngezikhathi kuhlakaniphisa umKristu ukuba ahambe kahle abe ngofanele phambi kweNkosi. “Sinikhulekela ukuba nihambe ngokufanele iNkosi,

niyithokozise ngakho konke, nithele izithelo emisebenzini yonke elungileyo, nikhule ekumazini uNkulunkulu.” (Kolose 1:10)

UKUXHUMANA NABANYE - 1 kaJohane 1:3; 1 kaPetru 3:15; Izenzo 1:8; ngokukaMathewu 28:19-20; Izenzo 22:15.

Ukuzifunela nokuzazi kona impilo. Umntwana omncane unokuzazi; uyisikhulu somhlaba wakhe omncinyane. Ngenkathi umqondo wakhe ukhula uyaqala ukuqonda ukuthi unobuhlobo nanomthwalo nabanye abantu.

Kuyinto efanayo nakumKristu. Nasekukhuleni empilweni yokomoya uyosizwa isidingo sokupha, sokuxhumana nabanye nanokuhlephulelana nabanye. Ukwethula ubufakazi iyona ndlela yokwenza lokhu. Ngobufakazi bakhe umuntu angaphila impilo yokuzinikela nokwabelana nabanye nganakho okuyigugu kakhulu: impilo kuKristu. Ngendlela esiphila ngayo sethula ubufakazi obuqinisele noma obuphambeneyo. Ukufakaza kwethu kungukuchichima kothando lukaKristu. Ukulalela kwethu nokufakaza kuyizipokwe ezimbili ezisebenza ngamandla, zihambisa amandla.

(Kulesisikhathi uthisha kufanele akhombise umahluko phakathi kwe “vangeli” (1 Korinte 15:3-4), “ubufakazi” (Izenzo 26:3-30) no “kuzuza imiphefumulo” (Izaga 11:30; ekaJakobe 5:19-20).

Lapho uMoya esebenzisa umKristu kufike lapho bezinikela kuJesu Kristu, lokhu-ke sikubiza ngokuthi “ukuzuza imiphefumulo”.

Izipoki ezine zesondo zizimele futhi zonke zimi ngamandla athathwa eZwini likaNkulunkulu. Ngaphandle kweZwi nomthandazo onamandla ngeke kwabakhona ukugobhoza kokulalela nobufakazi. Yilesi nalesosipoki siyadingeka kakhulu. Uma esisodwa siphuka noma sihlukana nezinye ukuphenduka kwesondo kuyavimbeleka kakhulu. (Uthisha kufanele akhiphe esinye isipoki silandele esinye, nesinye nesinye, ekhombisa ukuhlobana kokusebenza kwazo zozine, egcizelela ukuthi zigcina zingenalusizo lwalutho zonke uma zingemi endaweni efanele, engukuba lesi naleso siqine ku ekxeli futhi sibe sendaweni yaso).

UMoya oNgcwele. Abaningi babuza ukuthi “Ekubaleni lezipoki ngabe uMoya oNgcwele ushiywa ngaphandle yini?” Qha, uMoya oNgcwele ukuzo zonke. Ukhona Yena kuzo zonke izinhlangothi zemphilo yobuKristu futhi udingekile kakhulu kuleso naleso. Lamavesi angezansi ayakhomba ukuhlobana phakathi kwaleso nalesosipoki sesondo noMoya oNgcwele.

Ensindisweni – ngokukaJohane 3:5,8

Ekunikeni uKristu indawo yokuqala - ngokukaJohane 16:13-14

Emkhulekweni - kwabaseRoma 8:26,27

Ekulaleleni - kwabaseGalathiya 5:25

Ekufakazeni - Izenzo 1:8

UMoya oNgcwele, osenzela insindiso, nguyena osingenisa kuKristu. Ngenkathi sisindiswa, weza wazohlala ezimpilweni zethu, esenza ikhaya lakhe lasemhlabeni (1 kwabaseKorinte 6:19,20). Siba ngabakhe. Siphenduka “isisekelo sokusebenza” kwakhe ngaye, uJesu Kristu uyavezwa ezweni. Ayikho impilo enqobayo ngaphandle kokuphathwa nguMoya oNgcwele imizuzu yonke. Sigcwalisiwe ngeZwi lakhe “Nigcwaliswe ngoMoya.” (kwabase-Efesu 5:18) Igama lesiGriki elithi, “ukugcwaliswa” lisho “ukuphathwa” noma “ukubuswa”. Ungumuntu osibusayo noma osiphathayo uma sizinikela ngokukholwa ekuphathweni nguye. Umuntu ubuswa, aholwe nguMoya oNgcwele izipoki zakhe zihlala ziqinile, futhi zimi endaweni yazo. Empilweni enjalo kusobala ukuthi uKristu uphakathi naphakathi kuyo.

UHLELO LUKANKULUNKULU NGEMPILO YAKHO – Isigaba 1

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo abaholi – Isifundo 2
Waylon Moore

1. Wakudalelani uNkulunkulu? “Udumo Lubengolwakhe”

“Uma umuntu ekhuluma, makakhulume njengokwamazwi kaNkulunkulu. Uma umuntu ekhonza, makakhonze ngamandla awanikwa nguNkulunkulu adunyiswe kukho konke ngoJesu Kristu okukuye inkazimulo namandla kuze kube phakade naphakade, amen.” (1 kaPetru 4:11)

“Ngakho-ke noma nidla, noma niphuza, noma nenzani, konke kwenzeleni udumo lukaNkulunkulu. Ningakhubekisi nabaJuda, namaGrekhi nabandla likaNkulunkulu.” (1 kwabaseKorinte 10:31-32)

2. Udunyiswa kanjani uNkulunkulu?

“Onikela ngomnikelo wokubonga uyangidumisa, oqaphela indlela yakhe ngiyakumbonisa insindiso kaNkulunkulu.” (AmaHubo 50:23)

“Kanjalo makukhanye ukukhanya kwenu phambi kwabantu ukuba babone imisebenzi yenu emihle badumise uYihlo osezulwini.” (Mathewu 5:16)

“UBaba uyakhazimuliswa ngalokhu ukuba nithele izithelo eziningi, nibe ngabafundi bami.” (ngokukaJohane 15:8)

“Nibe-nenkambo enhle phakathi kwabezizwe, ukuze lapho benihleba ngokuthi ningabenzi bokubi, ngokubona imisebenzi yenu emihle badumise uNkulunkulu ngosuku lokuhanjelwa.” (kaPetru 2:12)

Noma yini eniyakuyicela egameni lami ngiyakukwenza ukuba uBaba akhazimuliswe eNdodaneni.” (ngokukaJohane 14:13)

“Kepha anazi yini ukuthi umzimba wenu uyithempeli likaMoya oNgcwele okinina, enimamukele kuNkulunkulu, nokuthi anisibo abenu na? Ngokuba nathengwa ngenani elikhulu. Ngakho-ke mbongeni uNkulunkulu emzimbeni wenu.” (1 kwabaseKorinte 6:19-20)

“Ufanele wena Nkosi yethu noNkulunkulu wethu ukwamukela inkazimulo nodumo namandla, ngokuba nguweni owadala izinto zonke, nangenxa yentando yakho zaba khona zadalwa.” (Isambulo 4:11)

3. Singamthokozisa kanjani uNkulunkulu?

“Nihambe ngokufanele iNkosi, niyithokozise ngakho konke, nithela izithelo emisebenzini yonke elungileyo, nikhula ekumazini uNkulunkulu, niqiniseke nokuqiniswa konke ngokwamandla enkazimulo yakhe, kuze kube ngokubekizela konke nokubhekakade ngokujabula, nibonga uYise.” (kwabaseKolose 1:10-11)

“Ngokuba lokhu kuyintando kaNkulunkulu, ukungcweliswa kwenu, ukuba nidede ebufebeni ukuba yilowo nalowo kuni akwazi ukuhlala nomkakhe ngobungcwele nangokuhlonipha (1 kwabaseThesalonika 4:3-4)

“Kepha-ke ngaphandle kokukholwa akwenzeki ukumthokozisa; ngokuba ozayo kuNkulunkulu umelwe ukukholwa ukuthi ukhona nokuthi ungumvuzi walabo abamfunayo.” (kumaHeberu 11:6)

“Kepha thina esinamandla sifanele ukuthwala ubuthakathaka babangenamandla, singazithokozisi thina. Yilowo nalowo kithi makathokozise umakhelwane, kube kuhle aze akheke, ngokuba noKristu akazithokozisanga yena, kepha kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: ‘ukuthuka kwabathukayo kwehlela phezu kwami.’” (kwabaseRoma 15:1-3)

“Ngiyakulibonga ngehubo igama likaNkulunkulu. Ngingphakamise ngokubonga. Kuyakuthandeka kuJehova kunenkomo, kunenkunzi enezimpondo nezinselo.” (AmaHubo 69:30-31)

4. Isibonelo sikaJesu kubantu - Nendlela aziphatha ngayo.

“Wathi kubo: Yini ukuba nesabe kangaka na? Yini ukuba ningabi-nakukholwa na?” (ngokukaMarku 4:40) uJesu akakubonanga ukukholwa kubafundi bakhe.

Isigaba sokuhamba kukaJesu phezu kwamanzi. “...Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle bashaywa luvalo, bathi yisithunzi; bakhala ngokwesaba. Kodwa uJesu wakhuluma kubo masinyane wathi: ‘Yimani isibindi! Yimina. Ningesabi.’ UPetro wasephendula, ethi kuye, ‘Nkosi, uma kunguwe, yisho ukuba ngize kuwe phezu kwamanzi.’ Wayesethi, ‘woza.’ Wehla-ke uPetro emkhunjini, wahamba phezu kwamanzi, weza kuJesu. Kepha ebona umoya wesaba; eseqala ukushona wakhala wathi, ‘Nkosi, ngisindise!’ Masinyane uJesu welula isandla wambamba. Wathi kuye, ‘Awu wena onokukholwa okuncane, ungabazalani?’” (ngokukaMathewu 14:22-31) UJesu wabona ukukholwa okuncane kukaPetro.

Isigigaba sowesifazane waseKhenani. “UJesu waphendula wathi: ‘Angithunyelwanga kwabanye, kuphela ezimvini ezilahlekileyo zendlu yakwa Israel.’ Kepha wayeseza, wakhuleka kuye, wathi: ‘Nkosi ngisindise.’ Waphendula wathi: ‘Akukuhle ukuthatha isinkwa sabantwana, usiphose ezinjani.’ Yena wathi: ‘Yebo Nkosi, kepha nezinjana zidla imvuthuluka ewa etafuleni labaninizo.’ Khona uJesu waphendula wathi kuye: ‘O mame kukhulu ukukholwa kwakho!’” (ngokukaMathewu 15:22-28)

UmKristu udinga ukukhula kuKristu afane Naye. “Ukuze singabe sisaba-yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa yimimoya yonke yezifundiso ngenkohliso yabantu,

ngobuqili obunamacebo okudukisa; kodwa sithi sikhuluma iqiniso ngothando, sikhuleke ngakho konke kuye oyiNhloko, uKristu.” (kwabase-Efesu 4:14-15)

Umgomo wempilo yobuKristu akukhona-nje ukuphumelela kodwa ukuba nempilo kaKristu. UNkulunkulu ubabizile abantu ukuba bafinyelele ekupheleleni. Umgomo kaNkulunkulu ngathi ukuba sikhule sivuthwe. 2 kwabaseKorinte 4:7 kuthi, “Kepha lengcebo sinayo ezitsheni zebumba, ukuze ubukhulu bamandla obukhulu kakhulu bube-ngobukaNkulunkulu bungabi ngobuvela kithi.”

UHLELO LUKANKULUNKULU NGEMPILO YAKHO - Isigaba II

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo Abaholi - Isifundo 3
Waylon Moore

Ukuqonda iZwi likaNkulunkulu


- A. **UKULALELA** uNkulunkulu ekhuluma. “Ngokuba owenza intando kaNkulunkulu nguye ongumfowethu nodadewethu nomame.” (ngokukaMarku 3:35)
- B. **FUNDA** ukuze ukhule. “Nakekela ukufunda, nokuyala, nokufundisa, ngize ngifike.” (1 kuThimothewu 4:13)
- C. **HLOLA** iZwi ukuze uguquke. “Labo-ke babebahle kunabaseThesalonika, balamukela iZwi ngenhliziyo yonke, bahlolisisa imibhalo imihla ngemihla ukuba zinjalo yini lezozinto.” (Izenzo 17:11)
- D. **FUNDA NGEKHANDA** ukuze ukwazi ukuhamba nalo iZwi yonke indawo.
- E. **ZINDLA NGALO** iZwi ukuze lisebenze empilweni yakho. “Amazwi akho afunyanwa, ngawadla; amazwi akho abangukujabula kimi nokuthokoza kwenhliziyo yami, ngokuba ngibizwa ngegama lakho, Jehova Nkulunkulu Sebawoti.

(uJeremiya 15:16) “Kepha ukuthokoza kwakhe kusemthethweni kaJehova, ozindla ngomthetho wakhe imini nobusuku.”
 (AmaHubo 1:2) Imibuzo okumelwe ibuzwe lapho kuhlolwa iZwi likaNkulunkulu.

- Yisiphi isifundo esibaluleke kakhulu?
- Lendinyana ithini ngoNkulunkulu...ngoJesu?
- Lesisahluko siyanginika yini
 - okufanele ngikwazi
 - okufanele ngikuguqule
 - okufanele ngikwenze
 - okufanele ngikugale

UMFANEKISO WESANDLA

- A. LALELA B. FUNDA C. HLOLA
 D. FUNDA NGEKHANDA E. ZINDLA



“Yonke imibhalo iphefumulelwe nguNkulunkulu ilungele ukufundisa, nokusola nokuqondisa, nokuyala ekulungeni, ukuze umuntu kaNkulunkulu aphelele, apheleliselwe yonke imisebenzi emihle.” (2 kuThimothewu 3:16-17)

SENZIWA KANJANI ISIKHATHI SOKUBA WEDWA NONKULUNKULU - Isigaba 1

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo Abaholi - Isifundo 4
 Thomas Wade Akins

ISINGENISO

Akunakwenzeka ukuba ube ngumfundi kaJesu Kristu ngaphandle kokuba ube ngumuntu womkhuleko. Kumele ukwenze kube yinto ephambili ukuba nesikhathi noNkulunkulu uwedwa. Uma kungenjalo ngeke umazi uNkulunkulu ngendlela ejulile, ngeke uhlale ezindleleni zakhe, nokuveza izithelo ngeke kwenzeka.

Uyazi ukuthi ungubani ngempela wena? Uluhlobo lomuntu oluphila ngokwejwayelekile uma kungekho muntu okubhekileyo? Ungubani enyameni? Cabanga! Lowamuntu unguwe ngempela! Ngakho-ke esikhathini sokuba wedwa noNkulunkulu akukho muntu okubhekile ngaphandle kukaNkulunkulu.

Ake sibuke izinhlangothi eziyisishiyagalombili zomthandazo ongazisebenzisa esikhathini sokuba wedwa noNkulunkulu.

INDUMISO

IBhayibheli kumaHubo 48:1, “Mkhulu UJehova, udunyiswa kakhulu.” KumaHubo 34:1-3 kuthi, “Ngiyambonga uJehova ngezikhathi zonke; ukudunyiswa kwakhe kuyakuba semlonyeni wami njalonjalo. Umphefumulo wami uyakuzibonga ngoJehova; abathobekileyo bayakukuzwa, bajabule. Mtuseni uJehova kanye nami, siphakamise igama lakhe kanyekanye.”

Siyayidumisa iNkosi ngesikhathi sokukhonza ngamasonto. Kepha, uyamkhonza uNkulunkulu lapho uwedwa naye kusukela ngoMsombuluko kuya eMgqibeleni? IBhayibheli kumaHubo 22:3 lithi, “Kepha wena ungoNgcwele ohlezi ezibongweni zikaIsrael.”

Yini ukukhonza? Ukukhonza ukudumisa uNkulunkulu ngalokho ayikho. Ukumbonga ngalokho asenzele khona. Ukukhonza ukumdumisa uNkulunkulu ngesimilo sakhe uNkulunkulu nobunjalo bakhe.

Ukukhonza uNkulunkulu, ngokweBhayibheli umuntu umelwe ukusebenzisa umqondo, intando, nemizwa. Akukubi ukusebenzisa imizwa yakho lapho usenkonzweni yokukhonza uNkulunkulu. Ukuthi lokho akulungile kufana nokuthi awunakuyisebenzisa ingqondo yakho. Lokho kuyahlekisa! Umuntu unomzimba, nomphfumulo (umqondo, intando nemizwa) nomoya. (1 kwabaseThesalonika 5:23).

Kunomehluko omkhulu ukuthathwa yimizwa esemqondweni nokubuswa yimizwa ngaphandle kwenqondo. Imizwa engenangqondo ukusebenzisa imizwa iphume ekubusweni ingqondo. Uma kwenzeka lokho inkonzo isuke ingahambi njengokusho kweBhayibheli. IBhayibheli alisivimbeli ukuba sisebenzise imizwa yethu uma sisenkonzweni kodwa futhi limelene nokusetshenziswa kwemizwa ngaphandle kwengqondo.

Ungamkhonza kanjani uNkulunkulu esikhathini sakho uwedwa naye? Nazi iziphakamiso ezimbalwa!

A. **Hlabelela iculo usebenzise incwadi yamaculo yaseBaptist noma iyiphi-ke enye.** Uma Kukhona abanye abantu endlini. Vele ufunde amazwi eculo uwasho kuNkulunkulu ngengqondo. Njenganakhu, iculo unombolo 1, “Ngcwele, Ngcwele, Ngcwele” leli yiculo elikhulu lokukhonza. Funda ivesi lokuqala. Yima. Cabanga uzindle ngencazelo nangendumiso ekulawamazwi akulelivesi. Qhubeka evesini lesibili wenze khona lokho. Qhubeka uqede lonke iculo. Ohlwini lwamaculo eculweni laseBaptist, kukhona amaculo okukhonza noma (awokudumisa).

B. **Hlabelela noma ufunde amakhorasi okomoya.** IBhayibheli kwabase-Efesu 5:19-20 lithi, “Niphendulane ngAmaHubo nangezihlabelelo nangamaculo okomoya, nihlabelele, nihubelele iNkosi enhliziyweni yenu, nimbonge njalo uNkulunkulu uYise ngakho konke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.” Yiba neqiniso ukuthi amakhorasi okomoya ayahambisana ngeqiniso neBhayibheli. Ngamanye amazwi qiniseka ukuthi lamakhorasi okomoya owasebenzisayo awasizo izimfundiso zamanga.

C. **Funda izindima nemikhuleko eBhayibhelini eshiwo kuNkulunkulu bese ukwenza kube ngokushiwo nguwe kuNkulunkulu kulelo nalelovesi.** AmaHubo 8:1 athi, “Jehova Nkosi yethu, igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke! Wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.” Ukuliqondanisa nawe faka igama lakho evesini. Kanje, “Jehova, Nkosi ‘yami’ igama lakho liyababazeka kangaka emhlabeni wonke! Wena owabeka inkazimulo yakho ezulwini.” Lifunde futhi ivesi njengalokhu libhaliwe eBhayibhelini. Emva kwalokho lifunde futhi uliqondanise nawe ukuze usebenzise iZwi likaNkulunkulu ukumkhonza Yena.

Ezinye izahluko ezingakwenza lokhu nazi: AmaHubo 8, 9, 19, 24, 65, 92, 104, 139; imikhuleko kaJesu neyomphostoli uPawulu nezinye izahluko encwadini yeSambulo phakathi kwazo kukhona isahluko 4 no 5. Ungabheka futhi igama “dumisa” ku ikhonkodensi. Ukudumisa kuyinto ebaluleke kakhulu maqondana nokukhula emoyeni. Funda iSambulo 4 no 5 uzwe ukuthi siyobe senzani ezulwini.

Zejwayeze: Khona manje, sebenzisa iculo laseBaptist noma ikhorasi lokomoya noma ivesi ukukhonza esikhathini sakho sokuba wedwa noNkulunkulu.

SENZIWA KANJANI ISIKHATHI SOKUBA WEDWA NONKULUNKULU - Isigaba II

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo Abaholi - Isifundo 5
Thomas Wade Akins

UKUVUNYWA KWEZONO

Angikholwa ukuthi kufanele usebenzise isikhathi esiningi ukuvuma izono. Uma wenza isono ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele uyakulahla ngecala ngaso lesosikhathi. Lapho ekhuluma nonembeza wakho ekutshela ukuthi wonile, kufanele usivume lesosono ngasolesosikhathi. 1 kaJohane 1:9 iBhayibheli lithi, “Uma sizivuma izono zethu uthembekile ulungile ukuba asithethelele asihlambulule kukho konke ukungalungi.”

Kepha ngesikhathi sakho sokuthula mhlawumbe uNkulunkulu uyobuyisa emqondweni wakho isono esisandakwenzeka. Mhlawumbe unomoya omubi maqondana nothile, ukuthukuthela noma ukubaba. Uma kunjalo kufanele uzivume zonke lezizono ezisenhliziyweni yakho.

UKUBONGA

IBhayibheli kwabaseFiliphi 4:6 lithi, “Ningakhathazeki ngalutho, kepha kukho konke izicelo zenu mazaziwe nguNkulunkulu ngokukhuleka nokunxusa kanye nokubonga.” Ukubonga ngokubonga uNkulunkulu ngezenzo zakhe. Njengokuthi, “Ngiyakubonga Nkosi ngempilo nangokudla nangomsebenzi nokunye.”

UKUZWA IPHIMBO LIKANKULUNKULU

IBhayibheli kumaHubo 6:5, “Mphefumulo wami zithulise kuNkulunkulu kuphela, ngokuba ithemba lami livela kuye.” KumaHubo 46:10 kuthi, “Thulani, niqonde ukuthi mina nginguNkulunkulu...”

Ungalizwa kanjani iphimbo likaNkulunkulu? Mina-nje ngokwami angikaze ngimuzwe uJehova ekhuluma nami ngephimbo

elizwakalayo, kodwa ngilizwile kaninginingi iphimbo likaNkulunkulu empilweni yami. Kanjani?

UNkulunkulu uqale akhulume nawe akhulume nawe ngezindlela ezimbili nsuku zonke: ngoMoya oNgcwele nangeZwi lakhe. KwabaseRoma 10:17 kuthi, “Ngalokho-ke ukukholwa kuvela ngokuzwa ukuzwa kuvela ngezwi likaKristu.”

IBhayibheli li inc wadi kaNkulunkulu eza kuwe. Isifiso sikaNkulunkulu ufuna ukukhuluma nawe nsukuzonke ngoMoya Ongcwele nangezwi lakhe. Ngizofuna ukuphakamisa ezinye zezindlela zokuzwa iphimbo likaNkulunkulu.

- A. Qala ngalencwadi eyodwa yeBhayibheli. Ngiphakamisa ukuba uqale ngencwadi yabase Efesu.
- B. Cela uNkulunkulu akubonise iqiniso noma amaqiniso kamoya kulelo nalelovesi noma indima. Kanje, kwabase-Efesu 1:1 kuthi, “uPawulu umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele abase-Efesu nakubo abakholwa nguKristu Jesu.” Yimaphi amaqiniso okomoya akulelivesi?
 - 1) UPawulu ungumKristu nomphostoli kaJesu Kristu.
 - 2) Wakhethwa ngentando kaNkulunkulu.
 - 3) Igama “abangcwele” limele amaKristu ase-Efesu.
 - 4) Lamakholwa ayethembekile kuKristu Jesu.
- C. Lelo naleloqiniso liqondise kuwe. UNkulunkulu ukhuluma nawe ngalelo naleloqiniso. IBhayibheli liyincwadi yothando evela kuNkulunkulu eza kuwe. Kanje, uNkulunkulu ungitshela amaqiniso amathathu kulelivesi.
 - 1) Wade, ungumfundi kaJesu Kristu ngokwentando yami.
 - 2) Wade, ngakukhetha ngokwentando yami.
 - 3) Wade, ungongcwele wase Belo Horizonte.
 - 4) Wade, ngifuna ube ngothembekileyo kuKristu Jesu.

IZWI LIKANKULUNKULU UNGALISHO NGAMANYE AMAZWI

Ungalisebenzisa ivesi ukuba ukhuleke ngalo. Sebenzisa abase-Efesu kanje, “Baba wami, Nkulunkulu wami, ngiyakubonga

Nkosi ngokuba ungibizile ukuba ngibe umfundi kaJesu Kristu. Ngiyabonga Nkosi ngoba ngingongcwele kaJesu umuntu owahlukaniswe yiNkosi. Baba isifiso sami ngokuba ngethembeke kuKristu. Egameni likaJesu, Amen.”

Ngemuva kokwenza lokhu, funda ivesi elilandelayo wenze khona lokho.

Umsebenzi: Yenza lokhu eqenjini lakho khona manje.

SENZIWA KANJANI ISIKHATHI SOKUBA WEDWA NONKULUNKULU - Isigaba III

Uqeqesho Lokwenza Abafundi Bendawo Abaholi - Isifundo 6
Thomas Wade Akins

UKUNXUSA

IBhayibheli kwabase-Efesu 6:18 lithi, “Ngokukhuleka konke nokunxusa, nikhuleka ngezikhathi zonke ngoMoya; kulokho nilinde ngesineke sonke nangokunxusela abangcwele bonke.”

Ukunxusa umkhuleko wokukhulekela abanye abantu. Mhlawumbe unekhasi eBhayibhelini lakho elingabhalwe lutho. Lehlukane izikhala noma wenze enothibhukwini ubhale uhlu lwabantu ozobakhulekela usuku ngosuku.

Kanje, bhala igama elithi, “nsuku zonke” esikhaleni sokuqala noma ekhasini lokuqala. Ngaphansi kwaleligama bhala igama loshade naye, abantwana bakho, umama, ubaba, abafowenu nokunye.

Ekhasini noma esikhaleni esilandelayo, bhala i“Sonto”. Ngaphansi kwalelogama bhala uhlu lwabantu olufaka umalusi wakho nomkakhe, nothisha bakasontosikole, nofunda nabo.

Bhala “Lwesibili” ekhasini elilandelayo noma esikhaleni. Kuloluhlu bhala amagama ezihlobo noma abangani.

Ekhasini elilandelayo bhala “oLwesithathu”. Loluhlu lufaka amagama ezithunywa zevangeli, nabaholi bemihlangano emikhulu, nabaholi bamabandla.

Esikhaleni so“Lwesine” bhala amagama abaholi bezepolitiki. 1 kuThimothewu 2:1-2 kuthi, “Ngakho-ke kuqala kukho konke ngiyala ukunxusa, nokukhuleka, nokucela nokubonga kwenzelwe abantu bonke. Amakhosi nabo bonke abakhulu, ukuze sihlale kahle ngokuthula ngokumesaba uNkulunkulu nangesizotha esiphelileyo.”

Bhala igama u“Lwesihlanu” esikhaleni noma ekhasini elilandelayo. Ngaphansi kwaleligama bhala uhlu lwabantu abahlehlileyo ebandleni noma abalahlekileyo.

Bhala u“Mgqibelo” esikhaleni sokugcina noma ekhasini lokugcina. Bhala amagama abantu abangabangani bakho,

namalungu ebandla lakho, nemisebenzi ethile ibandla lakho elinesandla kuyo.

Uma wenza lokhu, baningi abantu ongabakhulekela iviki ngeviki. Funda kwabaseRoma 16. Abanye bacabanga ukuthi lesisahluko uhlu lwamaKristu aseRoma ayekhulekelwa nguPawulu.

Umsebenzi: Manje umvangeli kufanele asize lowo nalowo weqembu ukwenza uhlulokukhuleka lwabantu namazwe usuku ngosuku.

SENZIWA KANJANI ISIKHATHI SOKUBA WEDWA NONKULUNKULU - Isigaba IV

UQEQESHO Lokwenza Abafundi Abaholi Bendawo - Isifundo 7
Thomas Wade Akins

UKUZINDLA NGEZWI LIKANKULUNKULU

KuJoshuwa 1:8 iBhayibheli lithi, “Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho; kepha wozindla ngayo imini nobusuku ukuba uqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo. Ngokuba lapho uyakuhlamlamela indlela yakho, uphumelele kahle.” Lelivesi lithi uma uzindla ngezwi likaNkulunkulu imini nobusuku, uNkulunkulu uyaguqula impilo yakho. KwabaseRoma 8:29 kuthi inhloso kaNkulunkulu ngukusiguqula asenze sifuze uJesu Kristu. Umphumela walokhu ngukuhlamlamela indlela yakho nokuphumelela kahle. Ungazindla kanjani ngezwi likaNkulunkulu imini nobusuku?

Lapho ulele ungazindla kanjani ngezwi likaNkulunkulu imini nobusuku? Yenza nakhu okulandelayo ukuzindla ngezwi likaNkulunkulu.

- A. Khetha ivesi elilodwa eBhayibhelini ngeviki.
- B. Funda lelivesi engqikithini yalo.
- C. Cela uNkulunkulu akukhombise iqiniso lokomoya elikulelivesi.
- D. Khuleka ngalo lelivesi uliqondanise nawe.
- E. Libhale lelivesi ekhadini ubhale nokuthi litholakala kuphi.
- F. Eminilifunde lelivesi izikhathi eziningana. Ungakwenza lokhu lapho umi kula yini ulindile ezindaweni ezithile njengasemabhange nokunye, noma-ke ngesikhathi sakho sokuba wedwa noNkulunkulu. Kwenze lokhu okungenani izikhathi eziyisihlanu ngosuku.
- G. Into yokucina okumele uyenze njalo ebusuku ukulifunda lelivesi. Ngokwenza lokhu ivesi iyongena luhlale emqondweni wakho.

Umsebenzi: Nikeza lowo nalowo oseqenjini ikhadi nevesi bese usho lezizinto ezingenhla kusuka ku A-G.

UKUCELA

IBhayibheli kumaHeberu 4:16, lithi “ngakho-ke masisondele ngesibindi esihlalweni somusa ukuba samukeliswe isihawu, sifumane umusa wokusiza ngesikhathi esifaneleyo.”

Ukucela ukuletha izicelo zakho kuNkulunkulu.

IVANGELI NGOKUKAJOHANE IZIFUNDO ZEBHAYIBHELI

**Ngu
Waylon Moore**

Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela

ICEBO LIKANKULUNKULU ELIMANGALI SAYO LAKHO

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli - Isifundo 1

Ukulomhlaba ngenjongo ethile: ukwazi, ukuthanda, nokumdumisa uNkulunkulu. Ungaba nakho ukumazi uNkulunkulu siqu uma unghlangabezana futhi uyazi indodana kaNkulunkulu uJesu Kristu, uMsindisi. IBhayibheli lizembula zonke izipho ezimangalisayo uNkulunkulu azipha labo abamaziyo nabamlandelayo uJesu.

Ezinye zalezizipho ezimangalisayo neziyinzuzo zitholakala ngezansi. Lesifundo sitholwa eVangelini likaJohane. Mvumele uNkulunkulu akhulume kuwe ngeBhayibheli. Ucabange ukuthi ivesi ngalinye lithini. Bese, uyaphendula imibuzo ngawakho amagama. Izimpendulo zakho zibhale kolayini ngasemavesini. Manjeke, vula kuJohane 10 ufunde uvesi 10.

1. Kungani uJesu onguMelusi omuhle ezalapha? Johane 10:10

2. Ucabanga ukuthi usho ukuthini uJesu nge “mpilo.....echichimayo”?

3. Ubanika nhloboni yempilo uJesu bonke abakhulwa kuye ngeqiniso? 10:28

4. Wenzenjani uNkulunkulu uBaba uma sicela ngokukhuleka sisebenzisa igama likaJesu? 16:23

5. Ucabanga ukuthi kusho ukuthini ukucela “ngegama likaJesu”?

6. Kungani uJesu efuna ukuphendula imithandazo yethu? 16:24

7. Si “khululeka” kanjani ezimpilweni zethu? 8:31-32

8. Ucabanga ukuthi usho ukuthini uJesu uma ethi “iqiniso” liyakusikhuluka? 17:17

9. Umuntu angaqhubeka kanjani emazwini kaJesu? 8:31

10. KuJohane 14:1 uJesu uthi singa _____ ufuna labo abakhulwa nguNkulunkulu bakhulwe na _____ futhi.

11. Yini lena eseZulwini ekhaya likaBaba? 14:2

12. Wayezokhuphuka ayokwenzani uJesu eZulwini? 14:3

13. Yini ezokwenziwa nguJesu kuqala emva kokuba eseqedile ukwakha izindlu eZulwini zabalandeli bakhe?

14. UJesu uthembiseni?

15. Yini le engathengekiyo kodwa uJesu yena asinika yona mahala? 14:26

16. Uma simthanda uJesu, uNkulunkulu uzizwa kanjani ngathi? 16:27

Ungegobise yini manje ikhanda lakho ngomthandazo buthule. Umbonge uNkulunkulu ngokuba uyakuthanda, phezu kwempilo oyiphilayo nezono.

IBhayibheli lisitshela ngezinhlobo ezimbili zokufa. Okokuqala uma kufa imizimba yethu, ukufa kwesibili ukufa komoya, ukufa ungamamukelanga uJesu empilweni yakho. Lokhu kufa ukwehlukana noNkulunkulu, uye endaweni yomlilo okuthiwa “yisihogo”.

17. Kodwa uJesu yena ubathembisani labo abaphilayo nabakholwa nguye na? 11:26

Qaphela amazwi ahlakanihile uMartha awasebenzisa ephendula uJesu kuJohane 11:27. Umusho wakhe unenkolelo ngoJesu nangamandla akhe phezu kokufa. “Yebo Nkosi ngiyakholwa ukuthi wena unguKristu, indodana kaNkulunkulu, obezakuba emhlabeni.”

18. Uma siwezwisisa amazwi kaJesu, kwenzekani ngaphakathi kithi?

19. Nje Ngokuba uJesu egcwalisa abakholwayo, samukele _____ osinika amandla ukuba simphilele uJesu. 1:16

Umusa yisipho sikaNkulunkulu esingekke sazitholela sona noma sizizuzele. Kungukwamukela ingcebo yokoMoya kaNkulunkulu, ngoJesu, lapho sinikeze ngobumpofu bezono zethu. Sisindiswe ngoMusa ezonweni zethu, hayi ngokwemisebenzi “Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu” (Efesu 2:8-9).

20. UJohane usikhombisa isithombe sikaJesu eyimvana kaNkulunkulu. Wenzenjani uJesu ngezono zethu esiphambanweni? 1:29

21. Kunezwi elilodwa kuJohane 1:12 elisichazelayo ukuthi kusho ukuthini “ukukholwa” nguJesu. Ukukholwa nguJesu kusho uku_____ Yena enhliziyweni yakho eyiNkosi uJesu Kristu.

Kulesisifundo usufundile ngenjongo yothando lukaNkulunkulu empilweni yakho, nezinye izimangaliso zokumazi yena. Labo abamethembayo uJesu baphiwa impilo echichimayo, ukuphila okuphakade, ukuphendulwa kwemithandazo, inkululeko, ikhaya eZulwini, injabulo, ukuthula, nomusa. Futhi uN kulunkulu uyakuba thethelela, azisuse izono zabo.

Uma uphenduka ezonweni zakho, yamkela uJesu, uJesu, uzongena enhliziyweni yakho abe yiNkosi yaphakade. Ukuphenduka ukushiya izono zakho ulandele uKristu. Wazifela zonke izono zakho, wayesevuka engcwabeni. Esifundweni esilandelayo uzofunda ngezinye iziphondo zikaNkulunkulu eziza kuwe -- ukuphila okuphakade.

AMANDLA OKUPHILA PHAKADE

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBayibheli - Isifundo 2

Abanengi bazi ukuthi ukuphila okuphakade kuzwakala ngemva kokuba sesifile. Abantu abanengi bacabanga ukuthi umvuzo wokuphila okuphakade kungukwenza okulungileyo okunqoba zonke izono ozenzile. Akusilo iqiniso lokhu. Bambalwa abezwayo ukuthi uJesu uye athini njalo njalo: ukuthi sinakho ukwazi ukuthi sinokuphila okuphakade manje.

Ake sibheke eVangelini ngokukaJohane eBhayibhelini. Vula isahluko 17 ivesi 3. Lifunde ivesi, bese uphendula umbuzo ngamagama akho. Bhala emgqeni.

1. Kuyini ukuphila okuphakade? 17:3

2. Ucabanga ukuthi “singamazi” kanjani uNkulunkulu noJesu? 17:17

Ukuphila okuphakade akusiso nje isethembiso sakusasa. Ukuphila okuphakade kusongwe kuJesu Kristu. Ukwenza uJesu abe yiNkosi noMsindisi wakho kungukuba nokuphila okuphakade.

3. Yiyiphi indlela yokuthola uJesu na? 5:39

4. Ngubani onamazwi okuphila okuphakade kubo bonke na? 6:67-69

5. Uma ngingenakho ukuphila okuphakade kuzokwenzekani? 3:15

6. Izimvu zikaJesu zikuthola kanjani ukuphila okuphakade? 10:28

7. Kwenzekani uma sikhetha intando yethu ngaphezu kokukhetha intando kaNkulunkulu?

12:25 _____

Sikugcina kanjani ukuphila okuphakade na?

8. UJesu uthi, “Ngaphandle kwami _____
_____.” 155

9. Ngubani onamandla ngaphezu kwakho konke ongasinika futhi ukuphila okuphakade?

Funda uJohane 3:16 kabili. Bese uphendula imibuzo elandelayo:

10. Ubani othanda abantu emhlabeni?

11. Wenzani uNkulunkulu ngenxa yokukuthanda?

12. Ngubani “Indodana ezelwe yodwa” kaNkulunkulu?

13. Ubani ongaba nokuphila okuphakade?

14. Labo abangakholwa yiNdodana eyodwa kaNkulunkulu uJesu bazo

15. Bangaki abantu abangaba nokuphila okuphakade?

16. Ucabanga ukuthi ukuphila okuphakade kuyisikhathi esingakanani?

17. Usiphelani ukuphila okuphakade uNkulunkulu na?

18. Ungakugwema kanjani ukubhujiswa?

19. KuJohane 5:24, uJesu ukhuluma ngento ebaluleke kakhulu. Gcwalisa ezikhaleni.

Ukuba nokuphila okuphakade kuJesu okokuqala _____
_____ izwi lakhe bese _____ kuyena.

20. UJesu uthembise izinto ezintathu ezibalulikile:

uzoba no _____

Akayi e _____

Uzo _____

Wonke umuntu angaba nakho ukwazi ukuthi usedlulile ekufeni uya ekuphileni, njengomuntu owazi usuku lwakhe lomshado, noma lokuzalwa. Ingabe wena usudlulile yini ekufeni waya ekuphileni. Ungakwazi lakho.

21. UJesu uchaza ukuphila okuphakade njenge_____ . 4:13-14

22. Umuntu ukuthola kanjani ukuphila okuphakade na? 4:14

23. Kusho ukuthini ukuphuza amanzi ngokukaJohane 4:14?

Zungeza empendulweni okuyiyona yona.

- a) Ukuphuza amanzi empela
- b) Ukukholwa yiNkosi uJesu
- c) Ukumba umthombo
- d) Ukubhabhadiswa

24. UJesu usebenzisa esinye isithombe ngamazwi uma Ezichaza Johane 6:47, 48 no 51. UJesu uyi _____

Bala izinto ezimbili ezisemqoka ezikufikelayo uma ubona, uthinta, udla isinkwa.

a) _____

b) _____

25. Kuhlange ngani noJesu lokhu osukubalile?

26. Uma sikholwa kuKristu ophilayo sizokuba nani? 6:47

Usufundile ukuthi ukuphila okuphakade nempilo enguna phakade kuyafana. Ukuzuza ukuphila okuphakade kuvela ekumazini uJesu uqobo lwakhe. Ungukuphila okuphakade! Usuthole ukuthi ukuphila okuphakade ngokwanini nanini. Akekho onokuphila okuphakade oyobhubha. UJesu ungamanzi akho okuphila nesinkwa sakho sokuphila.

Esifundweni esilandelayo sizofunda ngokuthi singakugwema kanjani ukubulawa yisifo esibi kakhulu sezwe.

INGOZI YESONO

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli - Isifundo 3

Umuntu nomuntu unesifo esibhubhisayo--isono--esithelela labo obathandayo, sisuka kumzali siye enganeni. Kukhona abacabanga ukuthi bangasigwema. Kodwake, uNkulunkulu wehlulela isono. Ngokubonga okukhulu uNkulunkulu unendlela yokuselapha lesisifo.

Ake sibheke futhi evangelini likaJohane nasemavesini angu khiye nakwezinye izindawo eBhayibheli. Khumbula ukuwafundisisa amavesi ngaphambi kokuphendula imibuzo ezikhaleni.

1. UJohane uthi uJesu u “yimvana kaNkulunkulu “wenzani uJesu ngezono zethu? Johane 1:29

2. Ngubani uJesu? UJesu wayelandani lapho ebizwa uNkulunkulu ngokuthi “Baba”? 5:17-18

3. Ukusho kukaJesu kwabe kuyiqiniso! Abaholi bezenkolo benze njani lapho bezwa ukuthi uJesu ubiza uNkulunkulu ngokuthi “nguBaba?” 10:31-33

UJesu wazithethelela izono, wamukela ukukhonzwa njengoNkulunkulu, enge nasono, wayenobuqotho njengoNkulunkulu. UnguNkulunkulu ongumuntu kokubili.

4. Ngubani okuyokuthi ekugcineni ahlulele zonke izoni? 5:22, 26-27

5. Yiliphi ikhambi lokwelapha isono uJesu aliphakamisa kumuntu othi uya kholwa kakhulu? 3:3

Ukuzalwa ngokwenyama akwanele. Ngenxa yezono zakho kudingeka nengaphakathi lakho liphinde uzalwe ngokusha.

6. Sidinga ukuzalwa ngokusha, ngoba ngaphandle kukaKristu siyizisebenzi zika _____ 8:34

7. Ngubani uyise walabo abafisayo bese benza isono? 8:44

Sinobaba wasemhlabeni, uSatane, osifuna esihogweni kanyenaye ingunaphakade. Sidinga uBaba wethu wothando oseZulwini.

8. Ngenxa yokungamethembi kwethu uJesu, simelwe _____ 3:18

9. Funda kuJohane 8:1-11. Wathini uJesu kubaholi abazikhukhumezayo? 8:7

UJesu wayixolela inkosikazi eyisoni. Wabona ukuphenduka kweqiniso enhliziyweni yayo. Lena yindlela akhuluma ngayo bubonke abaneqiniso ngezono zabo, befisa ukuzalwa kabusha.

“Ngokuba bonke bonile basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu.” (kwabaseRoma 3:23)

10. Ngokusho kwaleli vesi bangaki abantu abonile?

11. Siyini isono? Ndingilizela noma dwebela.

- a) Ukwephula umthetho kaNkulunkulu
- b) Ukusilalelwa inkazimulo kaNkulunkulu
- c) Ukungalungi
- d) Ukuphikisana noNkulunkulu
- e) Ukungakhohwa: Ukwenza uNkulunkulu umqambimanga
- f) Ukuphila impilo yami, ngenze engikuthanda ngiphikisane nentando kaNkulunkulu.

Isono singukumelana noNkulunkulu sidalwa ngukunganaki. Zonke izimpendulo ezisembuzweni weshumi nanye ziyincazelo zalo zebhayibheli ngesono. Abantu abasontayo baya esihogweni. Abantu abalungile baya esihongweni. Abantu ababi baya esihogweni. Abathethelewe kuphela abaya eZulwini. Ukuthola ukuthethelelwa izono kusho ukusifulathela isono ngokuthi uphenduke, uzinikele kuJesu Kristu njengeNkosi.

“Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa, kepha isipho somusa sikaNkulunkulu singukuphila okuphakade kuKristu Jesu iNkosi Yethu.” (KwabaseRoma 6:23)

12. Yimuphi umvuzo isono esisikhokhela ngawo?

13. Siyadinga yini ukulusebenzela usindiso oluvela kuNkulunkulu?

14. Pho sikuthola kanjani ukuphila okuphakade na?

“Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokho akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu; akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo.” (Efesu 2:8-9) Ngalamavesi phendula:

15. Sisindiswa kanjani esihogweni?

16. Sikuthola kanjani ukuphila okuphakade na?

Umusa uyisipho njengokukholwa. Ngeke wawusebenzela umusa

17. Ubathembisani uJesu bonke abala ukumlandela njengeNkosi noMsindisi?

18. Bhala Johane 8:24.

19. Ngubani ongasikhulula emandleni esono? 8:36

20. Wababuzani uJesu labo ababe mazi lapha emhlabeni? 8:46

UJesu akakaze one. Walingwa njengawe. UJesu uyakuthanda. Uthando lwakhe lwamenza ukuba athathe izono zakho esiphambanweni.

“Futhi njengalokhu kumiselwe abantu bafe kanye, emva kwalokhu ukwahlulelwa.” (amaHeberu 9:27)

21. Yiziphi lezi zinto ezimbili okumele sizenze?

- a) _____

- b) _____

Labo abayogcina isipho sangunaphakade sikaJesu bazo nqoba kulezizinto ezimbili ezesabekayo eziyokwenzeka. Esifundweni esilandelayo nizothola ukuthi uJesu wazithatha kanjani izono zakho.

IZENZO NEMPHUMELA

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeB hayibheli - Isifundo 4

Akwenzeki ukuthi isono singajeziswa. Angeke ubalekele amehlo kaNkulunkulu “Ngokuba izindlela zomuntu ziphambi kwamehlo kaNkulunkulu; uyenza yonke imikhondo yakhe ukuba ilingane.” (Izaga 5:21)

1. Wenzeni uBaba oseZulwini ngokusahlulela? 5:22

2. Kungani Indodana kaNkulunkulu, uJesu, iba nguMehluleli? 5:23

3. Yiziphi izinto ezimbili uNkulunkulu uBaba azinike Indodana yakhe uJesu? 5:26-27

- a) _____

- b) _____

4. Nhloboni yokwahlulela uJesu azokwenza? 8:16

5. Sekufikile ukwahlulela, kwenzekani ngoSathane “inkosi yalelizwe”? 12:31

6. Yini eyanyakazisa lamandla kaSathane nesikhundla sakhe emhlabeni? 12:32

7. “Wakhushulwa” nini uJesu? 12:33

“Ngalokho-ke yilowo nalowo phakathi kwethu uyakuziphendulela kuNkulunkulu.” Roma 14:12

8. Bangaki abayoziphendulela kuNkulunkulu ngosuku lokwahlulela?

9. Yimisebenzi kabani esiyakuziphendula ngayo ngosuku lokwahlulelwa?

Unkulunkulu unencwadi egcine konke, njenge khamera engabonwa ekuthatha izithombe usuku lonke. Wazi izinhloso zakho, imicabango, amazwi, nezenzo zakho. Likhona usuku lokwahlulela.

“Nizwile kwathiwa: Ungaphingi. Kepha mina ngithi kini: Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe.” (Mathewu 5:27-28)

10. Umuntu uqala nini ukuphinga? (zungelezela)

- a) Uma ebuka efisa?
- b) Uma esewela esonweni?

“Funda lamazwi kaJesu. “Ngokuba enhliziyweni kuvela a. izizindlo ezimbi, b. ukubulala, c. ukuphinga, d. ubufebe, e. ukweba,

f. ukufakaza amanga, g. ukuhlambalaza. Yilezozinto ezimngcolisa umuntu.” (Mathewu 15:19-20)

11. Bhala isono esibulalayo ngawakho amazwi:

- a) _____
- b) _____
- c) _____
- d) _____
- e) _____
- f) _____
- g) _____

11. Ziphumaphi zonke lezizono?

12. Yisiphi kulezizono esiyisilingo kakhulu kuwe?

Lezizono ziyawuchitha umshado, abantwana, umsebenzi wethu. Kodwa akuzona izono ezesabekayo. Sikhona isono esingenakuxolelwa esona sisisa esihogweni.

13. Yisiphi lesisono esingaxoleleki na? Johane 8:24

UJesu Kristu wayengu Nkulunkulu ophelele, engumuntu ophelele. Ake sibhekisise ngalokho asenzela khona esiphambanweni. Funda lamavesi alandelayo kumaHeberu 10:10-18. “Ngaleyontando singcwelisiwe ngokunikelwa komzimba kaJesu Kristu kanye kuphela. Abapristi bonke kambe bemibekhonza imihla ngemihla, benikela kaningi ngayona leyomihlatshelo engasoze yabanamandla okususa izono; kepha yena, esenikele ngomhlatshelo waba-munye ngenxa yezono, wahlala phakade ngakwesokunene sikaNkulunkulu...Ngokuba ngomnikelo munye uphelelise njalonjalo

labo abangcwelisiweyo...nezono zabo nobubi babo angisoze ngakukhumbula futhi. Kepha lapho kukhona ukuthethelelwa kwalokho, akusadingeki ukunikela ngenxa yesono.”

14. Bheka futhi kuvesi 10: Kudinga uJesu asifele kangakhi ukuhlawulela izono zethu?

“Ukungcweliswa” kusho “ukwenziwa ngcwele.” UJesu wenza okukhulu ngendlela yokuthi akunakufaniswa. Akukho mhlatshelelo ongangenza lokho akuphelelisa. Zonke izono zethu zabekwa phezu kukaKristu, wafa endaweni yethu. Igama elithi “Nkosi” lisetshe nziwe izikhathi ezingu 40 evangelini likaJohane. UJesu wakuthenga ngothando ukuba nelungelo lokuba abe yinkosi no“Basi” wethu.

15. Yini engeke yazisusa izono zethu namhlanje? v. 11

16. Engumuntu, uKristu Jesu wenzani esiphambanweni? v. 12

17. Lomhlatshelelo uthatha isikhathi esingakanani? v. 12

18. Uma umuntu ehlala phansi, mhlawumbe usuke ekhathele, noma eseqede umsebenzi ebewenza. UJesu yena wahlablani eduze kukaNkulunkulu?

19. Kudingeka uJesu afe kangaki ukuze thina siphelile sibe ngcwele phambi kukaNkulunkulu? v. 14

20. Ngenxa yegazi likaJesu elachithekela izono zethu, zingaki izono zethu uNkulunkulu eyakuzikhumbula? v. 17

UJesu wabafela bonke, kodwa kuphela labo abamukela uJesu njengeNkosi noMsindisi abazuzayo ngokufa kwakhe esiphambanweni.

21. Njengoba uNkulunkulu amukela umhlatshelelo ophelile ukuthethelela izono zethu, kudingekile yini ukuthi uJesu aphinde enziwe umhlatshelelo ngokuphindiweyo namamuhla na? Kungani?

ISIXAZULULO SIKANKULUNKULU NGEZONO ZETHU

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli - Isifundo 5

Kukhona okwenzeka ngesikhathi uJesu efa esiphambanweni okungakaze kwenzeka ngaphambili. Ake sithole inhliziyo yesiphambano sisabheka lesi senzo evangelini likaJohane isahluka 19-20.

Ukufa kukaJesu -- Funda uJohane 19:15-37.

1. Umbusi uPilatu wanikela uJesu kuma sotsha ukuba a_____ 19:16

2. Ucabanga ukuthi amasotsha acabangani?

3. Ingabe uJesu wayezizwa enjani?

4. Wayethweleni uJesu?

5. Amenzani amasotsha uJesu? 19:18, 23

6. “Wayegqoke” kanjani uJesu ngesikhathi elenga esiphambanweni? 19:23

7. Wakhuluma wathini futhi wabonani ngesikhathi elenga esesiphambanweni? 19:26-27

Wayesethi uJesu, “Baba, bathethelele, ngokuba abakwazi abakwenzayo.” (Luku 23:34)

8. Ngokusho kwa leli ivesi, Wenzenjani uJesu kulabo abambulalayo ngokungafanele?

9. Funda uvesi 30 ayethini amazwi okugcina kaJesu esiphambanweni?

10. Wayesho ukuthini?

“Ongasazanga (uJesu) isono wamenza isono (uNkulunkulu) ngenxa yethu, ukuze kuyena senziwe sibe-ngukulunga kukaNkulunkulu.” (2 Korinte 5:21)

11. Zinto zini ezimbili ezikhuluma ngoJesu?

a) _____

b) _____

Umpostoli uPetro waloba. “Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba-kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu.” (1 Petro 3:18)

12. UKristu wafela

i_____.

13. Kwadingeka ukuba uJesu afe kangaki?

14. Kwasinikani ukufa kukaJesu na?

“Yena owathwala izonzo zethu emzimbeni wakhe emthini, ukuze kuthi sesifile ezonweni siphile ekulungeni, oyena imivimbo yakhe naphulukiswa ngayo.” (1 Petro 2:24)

15. Yini uJesu ayithwalayo ngesikhathi elenga esiphambanweni?

16. Siyaphiliswa siyathethelewa nge_____.

Vula kuJohane 15:9,13.

17. Yini eyenza ukuthi uJesu akhethe ukudela impilo yakhe ngenxa yethu?

Ukumbelwa kukaJesu -- Funda uJohane 19:38-42.

1. Ngobani abangani bakaJesu abanakekela isidumbu sakhe?
19:38-39

2. Yisho izinto ezintathu abazenza ngesidumbu sikaJesu?

a) _____
b) _____
c) _____

Ukuvuka kukaJesu -- Funda uJohane 20:1-31.

1. Wenzani uMariya Magdalena?

2. Wenzani uPetro?

3. UJesu waziveza kubani? 20:11-29

4. Wenzani uTomase? 20:24-25

20:26-29

5. Wenake kufanele wenzeni ngoJesu?

6. Labhalelwani iVangeli likaJohane? 20:31

Umphostoli uPawule walibhala kanje. “Ngokuba okokuqala nganinika lokho engakwamukela nami ukuthi uKristu wafa ngenxa yezono zethu njengokwemibhalo, nokuthi wembelwa, nokuthi wavuswa kwabafileyo ngosuku lwesithathu njengokwemibhalo.” (1 Korinte 15:3-4)

UJesu waye nguNkulunkulu ngesikhathi uYise emthuma emhlabeni ukuba azophila njengomuntu. Indodana kaNkulunkulu yakuzwa lokhu okwakuzwiwa ngabantu, noma kunjalo akazange one. UJesu wafa esiphambanweni, esikhundleni sezono zethu ngenxa yothando lwakhe kithina. Wehlukana noYise ngenxa yezono zakho. Waba nguMhlathshelo ophelele ongadingi kufaniswa noma ongenakuphindwa phindwa namuhla.

UJesu wangcwatshwa ethuneni. UNkulululu wakwamkela ukufa kukaKristu njenge nhlawulo ephelele yezono zakho, wamvusa kwabafileyo. UJesu Kristu uyaphila ngoMoya Ongcwele ungena ezinhliziyeni zabo bonke abaphendukayo ezonweni zabo banikele ngezimpilo zabo, bamamukele njengoMsindisi neNkosi. Uhlala nabakholwayo kuze kube phakade.

ISIPHO ESIMANGALISAYO

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli - Isifundo 6

Akwanele ukwazi utho oluthize. Kudingeka ulwazi ulwenze. Kuyamangalisa ukuphiwa isipho. Kodwa awukwazi ukusijabulela isipho uma ungasamukeli kumnikazi, bese usisebenzisa. UNkulunkulu usipha isipho esimangalisayo sokuphila okuphakade, kodwa kufuneka wena wamkele isipho ngokwamkela indodana yakhe, uJesu Kristu. Funda amavesi alandelayo uphendule imibuzo ngamazwi akho.

Sisebenzisa igama elithi “ukukholwa” yonke imihla “ngiyakholwa ngumdeni wami” noma “ngiyakholwa yiqembu lalepolitiki.” Lokhuke akushiwo ngalendlela ebhayibhelini. UNkulunkulu ufis a ukuthi sikholwe nguye! Kodwa kusho ukuthini ukukholwa?

1. Yimuphi okunguwona “umsebenzi” uNkulunkulu awamkelayo wokusindiswa? 6:28-29

Nanka amavesi ambalwa achaza ukuthi ngokweqiniso kuchazani ukukholwa kuJesu Kristu.

UJesu wathi: “Bheka ngimi ngasemnyango ngingqongqotha: uma umuntu ezwa izwi lami, avule umnyango, ngiyakungena kuye, ngidle naye, naye adle nami.” (Isambulo 3:20)

2. Umi kuphi uJesu?

3. Usho ukuthini “umnyango” kulengxoxo?

4. “Ungqongqothelani” uJesu emnyango?

5. Yiziphi izinto ezimbili ezenzekayo ngaphambi kokuthi uJesu angene enhliziyweni?

- a) _____
b) _____

6. Wethembisani uJesu kulabo abavula izinhliziyi zabo?

Ukudla ndawonye kungaba isikhathi sobudlelwane nobungane. IBayibheli liphethe “ukudla” kwakho koMoya. UJesus ufuna ukuba nesikhathi sokukwazi nokujabulela ukuba ndawonye nawe njalo nsuku zonke. Nidinga ukudla ndawonye noNkulunkulu usafunda izwi likaNkulunkulu. Bese ukhulume naye ngomkhuleko.

“Ngokuba uma uvuma ngomlomo wakho ukuthi uJesu uyinkosi, ukholwa enhliziyweni yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafuleyo, uyakusindiswa.” (Roma 10:9)

7. Yimaphi amagama aveziwe kulelivesi achaza ukukholwa nguJesu?

_____ngom_____nge_____

8. Chaza umehluko phakathi kokukholwa ngengqondo yakho nangoku kholwa ngehliziyi yakho.

“Ngokuba bonke abayakuhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” (Roma 10:13)

9. Yisiphi isenzo kulelivesi elikhombisa ukukholwa uJesu ukuze usindiswe?

10. Uma ungakholwa uKristu, usimo sini phambi kukaNkulunkulu? 3:18

11. Kungani abantu bonke bengayamukeli indodana kaNkulunkulu njengeNkosi noMsindisi? 3:19-20

Ake sibheke izimpilo zabantu abane abakholwa nguJesu. Funda encwadini ngokukaJohane isahluko 4.

12. UJesu wathi ungubani? 4:25-26

13. Ngenkathi inkosikazi eyayingenasimilo ikholwa nguJesu, ukukholwa kwayo kwayi holela ukuba yenzeni?

14. Indaba yensizwa eyayinothile ikhombisa amandla okukholwa nguKristu. 4:49-53. Sazi ngani ukuthi lesisikhulu sakholwa yiNkosi uJesu ngendodana yaso?

Ukuvivinywa kokholo oluqinisileyo kukumlalela uJesu iNkosi.

15. UJesu wathini enkosikazini wayisindisa ekufeni ngenxa yokuthi yabanjwa iphinga? 8:11

16. Ukukholwa kuJesu engukuKhanya, kunguku _____ hayi ukuhamba ebumnyameni. 8:12

17. UJesu ubathembisani abamlandelayo? 8:12

18. Emva kokuba uJesu esegcobe amehlo omuntu owazalwa eyimpumpethe sazi kanjani ukuthi wabe esekholwa? 9:7-8

19. Emva kokuba abaholi sebemxoshile owayekade ephiliswe nguJesu, uJesu wabuya wambona. Wathi esezivezile uJesu kuye manyathelo mani avezwa yilomuntu obeyimpumpethe okukhombisa ukukholwa kwakhe? 9:35-39

“Ukuphenduka” kusho “ukushintsha isimo lokho kuholela ekutheni uguquke kushintshe nempilo.” Ukuphenduka ukusuka ezonweni ezibulalayo ezimpilweni zethu nokufuna uKristu ukusithethelela nokunqoba zonke izono. “Ukuphenduka” ukuguqula isimo sethu ngoJesu Kristu. Akasesiye umtwana omncane olele emkhombeni kodwa uyiNkosi yakho konke.

Awufuni ukuthandaza ubize uJesu empilweni yakho njengeNkosi noMsindisi? Nanku umthandazo osuthandazwe ngabangingi, “Ngiyabonga Nkosi Jesu ngokungifela esiphambanweni. Ngiyabonga ngokuthatha indawo yami esiphambanweni wangifela. Ngizophenduka ezonweni zami ngalo lonke ulwazi lwami ngizinikele uqobo lwami kuwe, Nkosi Jesu. Ngena empilweni yami ube ngumlawuli. Ngokulandela nomaphi lapho ungiholela khona.”

Emva kokuthandaza lomthandazo ngenhliziyo yakho yonke, ungabhala igama lakho lapha:

Noma uma usunesiqiniseko sokuthi uJesu use zisuse zonke izono zakho nanokuthi uzoya ngqo eZulwini bhala lapha. __

ISIPHO SIKANKULUNKULU ESIQHUBEKA NGOKUPHA

IVangeli NgokukaJohane Izifundo ZeBhayibheli - Isifundo 7

Uma wamukela uJesu eyiNkosi noMsindisi, ufike angene emzimbeni wakho ngoMoya oNgcwele ahlale. “UKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo” (Kolose 1:27), “...uKristu uphila kimi” (Galathiya 2:20). Uma usumamukele uJesu, mbonge ngokuthandaza ngempilo yakhe kuwe. UJesu uyisipho saphakade ongayeki ukupha.

“Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha; okwakuqala kudlulile; bheka, sekuvele okusha.” (2 Korinte 5:17)

1. Ngokwalevesi, uNkulunkulu usibekaphi, uma samukela uJesu?

2. Sesibizwa ngokuthi singobani manje?

3. Uthini uNkulunkulu ngempilo yethu eyedlule?

4. Usibuka kanjani manje uNkulunkulu kuKristu?

Umphostoli uPawulu usebenzisa lelizwi, “kuKristu” izikhathi ezingu 163 eTestamenteni elisha. Ngesikhathi unikela ngempilo yakho kuKristu, wangena kuwe, nawe wafakwa kuye. Lokhu kuthiwa, “ubudlelwano noKristu.”

UJESU “NGINGUYE” AMAGAMA AYISIPESHELI KUZIDINGO ZETHU

Uma uJesu ehlala kuwe, ukupha konke ayikho kuwe. Isimo sakhe sihlangabezana nezidingo zakho. Evangelini likaJohane, uJesu uzibiza ngegama leTestamende elidala likaNkulunkulu, U’Nginguye.” Asifunde “nginguye” ayisithupha amagama kaJesu.

5. Ubani uNkulunkulu amthume ukuba ahlangebe zane nezidingo empilweni yethu? 6:32-35, 51

6. Isipho samahhala esiyi “sinkwa sikaNkulunkulu” siwunikani umhlaba wonke? 6:33

7. Uma uza kuJesu awusoze _____.
6:35
8. Uma ukholwa nguye awusoze _____.
6:35
9. Yiziphi izenzo ezimbili zamazwi ezikhomba indlela ongamukela ngazo amandla namalungiselelo kaJesu? 6:35
_____no_____
_____.
10. UJesu wathi
Ngiyi_____
_____.” 8:12

11. Bhala izinto ezintantu ezenza udinge ukukhanya njalo:

- a) _____
- b) _____
- c) _____

Uyakundinga ukukhanya emehlweni akho nasengqondweni ukuze uhlukanise okuhle nokubi. “Ukwambulwa kwamazwi akho kuyakhanyisa, yebo kuyabaqondisa abangenalwazi” (AmaHubo 119:130). UJesu ufuna wazi intando yakhe ngokuba ufunde iBhayibheli imihla ngemihla.

12. Cabanga ngezinto ezintathu uMalusi angazi sebe nzisela umnyango wezimvu zakhe. Johane 10:8-10

- a) _____
- b) _____
- c) _____

Cabanga, ukuthi kungaba lukhuni kangakanani kuMalusi lingekho isango lesibaya.

13. Ungakwenzi kanjani ukuthi ukuzwe ukuba uJesu abe ngu “mnyango” empilweni yakho kulelisonto?

“UJehova ungumelusi wami, angiyikuswela” (AmaHubo 23:1). UNkulunkulu ubizwa nguDavida ngo “Melusi wami” siyizimvu zakhe. UJesu unguNkulunkulu ngokusebenzisa lona leligama, uMelusi.

14. Funda uJohane 10:11-17. Cabanga ngezinto ezi3 uMelusi omuhle angazenzela imvu .

- a) _____
- _____
- _____

- b) _____
- _____
- _____
- c) _____
- _____
- _____

15. UJesu uMelusi omuhle, angahlangabezana kanjani nesidingo sakho kulelisonto?

Thola amagama amathathu kaJesu kuJohane 14:6:

16. UJesu ungu _____ usuku nosuku umlandela.

17. UJesu ungu _____ ulinganisa umsebenzi wakho, isinqumo sakho, nobudlelwano bakho ngentando yakhe nangezwi lakhe.

18. UJesu ungu _____ uhlala kuwe ngoMoya ukupha amandla okuphila ngendlela eqondile akuphe ukuphila okuphakade.

Noma imizimba yethu ifa, kodwa uqobo lwethu asifi uJesu uyakuyivusa imizimba yethu uma ebuya. (Johane 14:2-3)

19. UJesu uzibiza ngobani? (15:5)

20. Ukuze sithole izithelo yini okufuneka kithi esinga magatsha ukuba siyenze? 15:5

21. Yini esingayenza sodwa ngaphandle kukaJesu?

Yisho kakhulu: “Jesu ngiyakubonga ngokuba Uyisinkwa sami, Ukukhanya, Umnyango, UMelusi, Indlela, Iqiniso noMvini.”
Kulelisonto funda ngekhandla amagama kaJesu aseBhayibhelini.

UMSIZI WETHU OMUSHA

UJesu uhlala kwaba kholwayo ngoMoya oNgcwele. UNkulunkulu uthume uMoya weNdodana yakhe ezinhliziyweni zenu (Galatiya 4:6). UMoya wakhe usinika konke esikudingayo ukuze silandele intando yakhe. Futhi usipha amandla okuxazulula izinkinga zethu nokunqoba uSathane.

22. Simemo sini uJesu asinika labo abomile emoyeni? 7:37

23. Kwenzekani ngaphakathi kwethu uma sikholwa siphuza?

24. Kusho ukuthini “imifula yamanzi”? 7:39

25. Simthola kanjani uMoya oNgcwele ezimpilweni zethu? 7:38

26. Yiziphi izinto ezimbili uMoya oNgcwele umduduzi azenza kithi? 14:26

- a) _____
- b) _____

27. Mabili amagama kaMoya oNgcwele ngokukaJohane 15:26. Yimaphi kulamagama amele uMoya kaNkulunkulu owudingayo wena namhlanje?

28. Ngubani onika ubufakazi ngoJesu kulabo abangamaziyo? 15:26-27

29. Uma uMoya oNgcwele engena ekholweni yiziphi izinto ezine azenzayo? 16:13-14

- a) _____
- b) _____
- c) _____
- d) _____

30. UMoya oNgcwele uya sikhombisa ukuthi ngubani iNkosi uJesu nokuthi angenzani kithi. NoJesu wethembisa ukuthi uzozi bonakalisa kithi. Kumi kanjani ukuzibonakalisa kwakhe? 14:21,24

IZINDABA EZINHLE NGOJESU
Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela

Ngu
Christy A. Brawner
brawner@pobox.com

UKUXOXA NGEVANGELI LIKAMATHEWU
Uhlelo-luhlu Lokuvangela

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

"Ukuzalwa kukaJesu" - Isifundo 1
ngokukaMathewu 1-2

“Zinjalo-ke izizukulwane zonke ezisukela kuAbrahama ziye kuDavide, ziyizizukulwane eziyishumi nane; nezisukela kuDavide ziye ekuthunjweni eBabiloni ziyizizukulwane eziyishumi nane, nezisukela ekuthunjweni eBabiloni ziye kuKristu ziyizizukulwane eziyishumi nane.” ngokukaMathewu 1:17

UMariya, ngowesifazane womJuda, wakhulelwa engahlangananga nendoda ngokocansi ngoba wakhulelwa ngokuka Moya Ongcwele. Owayezoshada naye ngenxa yokulunga kwakhe, akafunanga ukumphoxa esidlangalaleni, wavela wanquma ukumlahla ngasese. Kodwa ngabo lobobusukuafuna ukumala ngabo, ingelosi yeNkosi yavela kuye ngephupho yathi, “Josefa, ndodana kaDavida, ungesabi ukwenza uMariya abengumkakho, ngoba ukhulelwe ngoMoya Ongcwele. Uyozala indodana, uyibize ngokuthi uJesu ngoba uyosindisa abantu ezonweni.” UMariya kwaba owesimame umprofethi uIsaya aprofetha ngaye eTestamenteni elidala ethi, “Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, bayakuyiqamba igama lokuthi Emanuweli okungukuthi ngokuhunyushwa UNkulunkulu unathi.”

Wavuka uJosefa walalela iziyalo zengelosi. Wamshada uMariya, abazange bahlangane kwaze kwazalwa umntwana. UJosefa wetha umntwana igama ngokuthi uJesu, njengokulayelwa kwakhe, yingelosi. UJesu wazalwa eBethlehema esifundazweni saseJudiya ezweni lakwa Israel, nenkosi yakwaJuda yangalesosikhathi kwakunguHerode.

Kwakunezazi ziphuma empumalanga ziya kwaJuda zilandela inkanyezi ngokuhlola kwabo, lenkanyezi yayisho ukuthi

kuzelwe iNkosi yesethembiso kwelakwaJuda baze babuza ukuthi iNkosi entsha izalelwephi.

UHerode wakhathazeka, waze wabiza inguyazana yomhlangano nabo bonke abaluleki bezenkolo kanye nabapristi. Wawabuza lamadoda ukuthi ngokusho kwemibhalo yayizozalelwaphi iNkosi yesethembiso. Abapristi bathi ngokwemibhalo yayizozalelwa eBethlehema. UHerode waya kuzo izazi wazibuza ukuthi zaqala nini ukuyibona inkanyezi. Wabuza lokhu ngoba efuna ukuthola kahle ukuthi umntwana wazalwa nini ukuze athole ubudala bayo.

UHerode wazitshela izazi ukuthi umntwana wayezozalelwaphi. Waphinda wathi, "Hambani nibuzisise ngomntwana; kuyakuthi nxa nifumene, ningitshela ukuba nami ngiye ngikhuleke kuye."

Zahamba-ke izazi zaqhubeka ukuyilandela inkanyezi eBethlehema. Inkanyezi ababeyilandela, yema phezu kwendlu lapho uMntwana ayezalelwe khona. Bangena endlini, lapho bebona umntwana nonina uMariya, bawa pansi, bakhuleka kuye. Bamupha neziph ezingamagugu igolide nemure nenhlaka.

Baphindela emuva kwelakubo eMpumalanga. Bengakahambi baphupha betshelwa ukuthi bangabe besabuyela kuHerode ukuyomtshela ngoMntwana. Baphindela emuva ngenye indlela.

Sebehambile, uJosefa waba nelinye iphupho. Watshelwa nguNkulunkulu ukuthi uHerod wayefuna ukubulala uMntwana ngakho mababalekele eGibhithe. Ngalobo busuku wawuvusa umndeni wakhe babaleka. Bahlala eGibhithe waze wafa uHerode, lokhu kwaba ukugcwaliseka kwemibhalo ngo mprofethi uHoseya lapho athi, "eGibhithe ngiyakuyibiza Indodana yami."

Esetholile uHerode ukuthi izazi zimkhohlisile wathukuthela kakhulu. Wayesethi bonke abafana abangaphansi kweminyaka emibili mababulawe. Kwakukubi kakhulu ukubulawa kwabantwana baseBethlehema nama phethelo. Kodwa kwakukhona ngaphambilini uprofethi womJuda uJeremiya owabikezela ngalesisehlakalo esibuhlungu.

Esefile uHerode, ingelosi yavela kuJosefa yathi makabuyele kwaIsrayeli. UJosefa nokho wesaba ngoba indodana kaHerode

yayibusa eJudiya ngakho wayokwakha kwamakhelwane eGalile idolobha laseNazaretha. UJesu wakhulela lapho. Nalokhu kwagcwaliseka umbhalo othi, "Uzobizwa ngokuthi umNazaretha."

Imibuzo

1. Ngubani uMariya?
2. Yavela kubani ingebisi ukuzosho ukuthi lingubani igama leNgane?
3. Zezelani izazi kwaJuda na?
4. UHerode wayemfunelani uJesu?
5. Izazi zazikanjani ukuthi kufanele zihambe ngenye indlela na?
6. Wazama kanjani uHerod ukubulala iNkosi yeseThembiso sabaJuda na?
7. Wazi kanjani uJosefa ukuthi kufanele babaleke noMntwana na?
8. Wazi kanjani uJosefa ukuthi kwase kuphephile ukubuyela emuva?
9. UJosefa wayelani ukuyokwakha komakhelwane eGalile na?
10. Liyini igama ledolobha akhulela kulo uJesu na?

Amaqiniso kaMoya - Isifundo 1 **ngokukaMathewu 1-2**

1. UNkulunkulu wethembekile uzigcina njalo izethembiso Zakhe. Selokhu kwadalwa owesilisa nowesifazane, uNkulunkulu wethembisa ukuthi uzothuma uMsindisi emhlabeni. Eminyakeni wayelokhu ephindaphindile ukuthi wayezofika nangendlela azofika ngayo. UJesu wafika kanye ngalendlela ayeprofethwe ngayo eZwini. Ake sikhumbule, kulendaba ukuthi kwagcwaliseka isiprofetho ngokuzalwa kukaJesu.

*UNkulunkulu nakithi wethembekile, eBhayibhelini ziningi izithembiso ezibalulekile uNkulunkulu azenzile ngokusicebela. Uzozigcwalisa lezithembiso nezi-profetho, kubalulekile ukuthi sifunde imibhalo ukuze sithole izithembiso zikaNkulunkulu ezimpilweni zethu.

2. IBhayibheli yizwi likaNkulunkulu nakho konke okuphakathi kuyiqiniso. UNkulunkulu wakhuluma ngaba profethi eminyakeni eyizinkulungwane ngaphambili ekhuluma ngokwakuzokwenzeka ngokuzalwa nempilo kaJesu. Konke kwenzeka njengoba kwashiwo.
3. Konke kupethwe isandla sikaNkulunkulu. Angazenza izimangaliso ezinkulu. Ziningi izimangaliso ezenzeka kulendaba. Isiphi esinye sazo?
4. UNkulunkulu angakwenza futhi uyaxhumana nabantu. Abanye bakholwa ukuthi uNkulunkulu wadala umhlaba kodwa akanandaba ukuthi kwenzekani. UNkulunkulu waxhumana kanjani nabantu kulendaba? UNkulunkulu usaxhumana nathi namanje. Sizofunda kulesisifundo ukuthi nathi singaba nobudlelwano kanjani noNkulunkulu.
5. UNkulunkulu wazi konke okuzokwenzeka kodwa kwesinye isikhathi ekuhlakanipheni Kwakhe okukhulu, uke avumele izinto ezibuhlungu ukuthi zenzeke. UHerode wayefuna ukubulala iNkosi Yesethembiso ngoba wazizwa echukuluzwa nguJesu. UNkulunkulu wayesazi isono esibi esasi senhliziyweni kaHerode. Wayazi ukuthi uHerode wayezobulala izindimbane zezingane ezazingenacala. Ngenxa yokungalaleli nempi enhliziyweni yakhe kwavela umonakalo omkhulu. Nanamhlanje kuke kwenzeke izinto ezesabekayo ngenxa yezimpi neziphithiphithi ezinhliziyweni zethu. Ingabe unalo ulwazi lomzekalo wento esandukwenzeka lapho okwalinyazwa omunye ngenxa yokonakala komunye?
6. Akekho ongamelana noNkulunkulu abesephumelela. UHerode akakwazanga ukubulala uMntwana weseThembiso. Okwafezeka kwaba ukubhubha kwemindeni eminingi. Namuhla, ezikhathini eziningi, sizama ukungayilaleli imiyalo kaNkulunkulu nentando Yakhe. Lokhu kuba nesiphetho esiyingozi, uma kungesithina kube yilabo abaphakathi kwethu abayaye balimale. Ungasicabanga yini isikhathi empilweni yakho? Ungasicabanga

isikhathi lapho owalimale khona ngenxa yenxushunxushu eyadalwa ngomunye

7. AbaPristi nabaluleki bezenkolo babazi ngokwemibhalo maqondana neNkosi yeseThembiso, kodwa abezange bamhlangabeze uJesu. Kuyenzeka ube yikhulu elikhulu, wazi nangeBhayibheli, wazi kakhulu ngoJesu Kristu, kodwa ube ungamazi yena qobo enhliziyweni yakho?
8. UJesu ungu "Nkulunkulu Unathi" noma "Emanuweli." Ingelosi yakhuluma lamazwi kuJosefa, abhalwa ezibhalweni ngumprofethi u Isaya. Abantu abaningi bathi uJesu wayengumprofethi, abanye bathi wayeyingelosi noma umuntu olungileyo, kodwa iBhayibheli lisifundisa ukuthi, "WayenguNkulunkulu Unathi."

Emavikini ayisithupha ezayo, sizozama ukuthola ukuthi ngubani ngempela UJESU KRISTU nokuthi NDABANI EZINHLE aziletha lapha emhlabeni.

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

"Ukubhabhadiswa kukaJesu" - Isifundo 2 ngokukaMathewu 3-4

"Phendukani, ngokuba umbuso wezulu ususondele!"
ngokukaMathewu 3:2

Ukubukeza

1. Igama likanina kaJesu kwakungu_____.
2. Isimanga esenzeka ngokuzalwa kuka Jesu ukuthi wazalwa yi_____.
3. ITestamente elidala likhulume okuningi ngokuzalwa kuka KRISTU, okunye kwaba wukuthi uzoba u Emanuweli okungukuthi "UNKULUNKULU_____."
4. UHerode wayeyi_____yase Judiya eyazama ukubulala uJesu, Wa_____ bonke abantwana ababengaphansi kweminyaka emibili ababese Bethlehemama nama phethelo.
5. Izazi ezaziyo funa uJesu zazilandela I_____. Lamadoda aphindela emuva ngenye indlela hayi ngale abeza ngayo kungoba UNKULUNKULU wabaqaphelisa nge_____ ukuthi uHerod wayefuna_____ uJesu.
6. UJosefa wahamba nomndeni phakathi kobusuku eya eGibhithe ngoba UNKULUNKULU wamkhombisa nge_____ ukuthi uHerode wayefuna u_____.
7. UJosefa wazi ukuthi sekuphephile ukubuyela kwaIsrayeli nge_____. Kodwa akaphindelanga eBethlehema wawele waqonda edolobheni okuthiwa yi_____.
8. Njengoba enza emlandweni, nanamuhla UNKULUNKULU usasig cina is_____.

9. UNKULUNKULU uyakwazi okuse_____noma ngabe kunobubi obungakanani.
10. Kuyenzeka ube yikholwa, uze wazi iBhayibheli kakhulu, kodwa ube ungamazwi u_____ qobo lwakhe e_____yakho.

Lana ngamazwi ashunyayelwa yindoda eyayibasehlane laseJudiya. Lendoda yayigqoka isikhumba sekamela nebhande lesikhumba. Wayephila ngoju lwezinyosi nezinkumbi. Igama lakhe kwakungu Johane uMbhapathizi.

Abantu abaningi bakulezozindawo ezazizungeze umfula iJordani babephuma beyolalela amazwi akhe. Sebemlale ekhuluma, abaningi bebeyaye babhaphathiswe emfuleni iJordani bavume nezono zabo. Abaholi bezenkolo abambalwa abangabaSadusi nabaFarisi babeya nabo beyobona ukuthi kwenzekani ehlane. Wathi uma uJohane ebona wababiza "ngenzalo yezinyoka" esho nokuthi babengamesabi uNkulunkulu ngoba bezibona bengcono kakhulu nabanzalo iyinhle kangangoba bazibona singekho isizathu sokuphenduka ezonweni zabo.

Esashumayela uJohane, kwafika uJesu. Wamcela ukuba ambhaphathise uJohane akavumanga ngoba ezibona engafanele ukubhaphathisa uJesu. Kodwa uJesu wagcizelela, baze bangena emanzini eJordani. Esekhuphukile uJesu emanzini, uMoya Oyingcwele enesimo sejuba evela eZulwini wehlela phezu kwakhe. Izwi elavela eZulwini lathi, "Lo uyiNdodana yami engithokozile ngayo."

Ngemuva kwalokho uMoya Ongcwele wamthatha uJesu wamusa ehlane wayolingwa uSathane. Akazange adle izinsuku ezingu 40 nobusuku obungu 40. Wa elambile kakhulu. Yilesisikhathi lapho uSathane weza walinga uJesu.

IBhayibheli likhuluma ngezilingo ezintathu zikaJesu esehlane. Esilingweni sokuqala uSathane ulinga uJesu ngokuthi akaphendule amatshe abe yisinkwa, ethi lokhu kuyofakaza ukuthi impela unguNkulunkulu. UJesu wamphendula ngokusebenzisa Izwi likaNkulunkulu. Okwesibili uSathane wamusa esiqongweni sethempeli wathi u Jesu akagxume aziphonse phansi ukufakaza ukuthi impela unguNkulunkulu. Waphinda uJesu wamphendula

AmaqinisoKaMoya - Isifundo 2
ngokukaMathewu 3-4

uSathane ngokusebenzisa Izwi likaNkulunkulu. Okokugcina uSathane wasa uJesu entabeni wathi, “zonke lezizinto ngizokunika zona uma ungakhothama ungikhonze.” UJesu wamphendula ethi, “Khonza iNkosi uNkulunkulu wakho, umkhonze Yena yedwa.” Wabe esesuka uSathane ehamba, zeza izingelosi zamkhonza.

Esebuyile ehlane, uJesu wezwa ukuthi uJohane uMbhapathizi uboshiwe. UJesu wabe eseya eGalile, esifundeni sasenyakatho ye Judiya, eshiya idolobha lokukhula kwakhe iNazaretha, waya eKhaphenawume lokhu kwakungukugcwaliseka kwesiprofetho somprofethi uIsaya uma ethi, “Izwe lakwa Zebhuloni nezwe lakwa Naftali, ngasolwandle, ngale kweJordani, iGalile labezizwe, abantu ababehleli ebumnyameni sebonebani ukukhanya okukhulu, nalabo ababehleli esifundeni nasethunzini lokufa ukukhanya sekufikile.”

Imibuzo

1. Chaza ngendoda enguJohane uMbhapathizi.
2. Wawuthini umbiko kaJohane uMbhapathizi?
3. Wenzenjani uJohane kulabo ababevuma izono zabo?
4. Yini eyenza uJohane uMbhapathizi angafuni ukubhaphathiza uJesu?
5. Wabhajadiswa kanjani uJesu?
6. Kwenzekani ekuphumeni kuka-Jesu emanzini?
7. Wahambelani uJesu ukuya ehlane?
8. Wenzani uJesu izinsuku ezingu 40 nobusuku obungu 40?
9. Yisiphi esinye sezilingo uSathane amlinga ngaso na?
10. Ngemva kwezilingo ngobani abeza bazomkhonza uJesu?
11. Wayaphi uJesu esezwile ngokuboshwa kukaJohane uMbhapathizi?
12. Wawuthini umbiko ka-Jesu? Ngubani owashumayela umbiko ofanayona?

1. Umbiko kaJohane uMbhapathizi nokaJesu wawufana. “Phendukani ngokuba uMbuso weZulu ususondele.”
 - **Ukuphenduka kusho ukushiya izono empilweni yakho. Kusho ukunikela ngempilo yakho ephelele kuJesu Kristu.**
 - **Isono ngesokunga laleli uNkulunkulu nomthetho Wakhe.**
 - Ukuphenduka ku into enzima yini kumuntu ukuba ayenze na? Lelizwi lisho ukuthini kuwe? *Luxoxeni loludaba kuwo wonke amaqembu. Nalowo nalowo makaveze uvo lwakhe.*
2. Abaholi benkolo babona singekho isidingo sokuthi baphenduke ezonweni zabo ngenxa yenkolo yabo. Babecabanga ukuthi bona balungile. UJohane wathi laba bantu bayinzalo yezinyoka. Ukhona yini emhlabeni okholwe ngokwanele noma olunge ngendlela yokuthi asikho isidingo sokuphenduka?

**IBhayibheli lithi kwabase Roma 3:23 "Ngokuba bonke bonile basilalelwe yinkazimulo kaNkulunkulu."*

*Ukhona yini emhlabeni ongenaso isono empilweni yakhe? Ukhona yini ongakaze amedelele noma amlahle UNKULUNKULU ngezenzo nangesimilo? IBhayibheli lithi "qhabo". Uyavumelana neBhayibheli uma lithi sonke sonile ezimpilweni zethu? *Futhi kubalulekile ukuvumela wonke umuntu athole ithuba lokubhekana neZwi likaNkulunkulu kulesisihloko. Njengomhloli akufuneki wenze impikiswano futhi ungavumeli umuntu enze impikiswano, kodwa kulungile ukubavumele baveze imibono yabo.*

3. UJesu wabhaphathizwa, kodwa ngoba enguNkulunkulu akazange one. Lokhu kusitshela ukuthi umbhaphathizo akusilo usiko lwenkolo olungasusa izono empilweni yomuntu. Uma ngabe injongo yombhaphathizo kwabekungukususa izono emntwini, uJesu wayengeke abhaphathiswe ngoba wayengakaze one.

4. Esephumile uJesu emanzini uMoya kaNkulunkulu wehla njengejuba uNkulunkulu Baba wakhuluma esezulwini ethi, “Lo yiNdodana yami engithokoza ngayo.” Lapha sibona iziqu ezintathu zobuNkulunkulu. Ziyini?

UNKULUNKULU UBABA, UNKULUNKULU INDODANA
NONKULUNKULU UMOYA ONGCWELE.

5. UJesu wasiwa ehlane ukuba ayolingwa nguSathane. USathane ukhona Ungumoya ose zweni, kanye neminye imimoya engabalandeli bakhe okuthiwa ngamadimoni, aletha imbubhiso ezimpilweni zethu ngokusiholela ekungamlalelini uNkulunkulu. Njengoba noJesu alingwa, nathi uSathane uyasilinga. Kodwa iBhayibheli lisifundisa ukuthi thina asingenjengaye uKristu. Thina silingwa ngobubi osebuvele buhleli ezinhliziyweni zethu obenza senze lokho okungathandeki kuNkulunkulu, isono.
6. Umphrofethi uSaya waphrofetha ngokuthi uJesu wayezohlala ngendlela yasolwandle nokuthi wayezoba ukukhanya ebantwini, ababesebunyamani, kulabo ababehlala ethunzini lokufa.

Sonke, ngaphandle kukaKristu, sisebumnyameni, mhlawumbe wena noma lowo omthandayo uhlezi ethunzini lokufa. Abanye ngenxa yama “drugs” izimilo ezimbi, abanye banendluzula, basekuhlukunyezweni. Leli vesi lisitshela ukuthi uJesuwazo lethu ukukhanya kwaba sebumnyameni, unakho ukunika inkululeko kulabo abaphila ethunzini lokufa.

*Emthandazweni wethu namhlanje, masithandazele abathandwa bethu abahlezi ethunzini lokufa. Akwaba singathola ukukhanya nenkululeko kuJesu Kristu.

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

Izimangaliso zikaJesu - Isifundo 3 ngokukaMathewu 4-9

**“Ngilandeleni; ngiyakunenza nibe-ngabadobi babantu.”
ngokukaMathewu 4:19**

Ukubukeza

1. Ngubani owatshela uJosefa ngokuza kukaJesu, ngubani nowamtshela ukuthi igama lakhe kuzoba ngu "Emanuweli" noma ngu “Nkulunkulu unathi”. Lokhu kusifundisa ukuthi uJesu ungu _____ uNathi.
2. Ngubani owayefuna ukubulala umfana omncane uJesu? Ngani? Wasinda uJesu ngoba babalekela e_____.
3. Ngubani owabhaphisa uJesu? Iqiniso lokuthi uJesu wabhajadiswa lisobala ukuthi ukubhaphathiswa akusikho ukugezwa _____ empilweni yethu.
4. Esephumile uJesu emanzini, okwakufana nesimo sejuba kwehla kuvela eZulwini, neZwi lakhuluma livela eZulwini. Kwakungubani ijuba kwakungelikabani Izwi elalivela eZulwini.

5. Abafarisi babecabanga ukuthi bona akudingeki ukuba baphenduke ezonweni zabo ngoba babekholwa kakhulu. Kuyenzeka yini ukuthi umuntu okholwe kakhulu angaphenduki ezonweni zakhe na?

6. Lisho ukuthini igama dithi “ukuphenduka”?

7. Yini isono? _____
8. Ngubani owalinga uJesu ehlane?

9. Wayaphi uJesu uma esuka ehlane?

Esahamba ngasolwandle lwaseGalile, uJesu wafumana abadobi ababili. Wababiza wathi, “ngilandeleni ngizonenza abadobi babantu.” Masinyane bashiya amanetha abo bamlandela. Ngalelo langa, uJesu wababiza abafundi bakhe abane oPetro, u Andriya, uJakobe noJohane. Bonke babengabadobi.

UJesu walihamba lonke elase Galile ehamba efundisa kuma sinagogi, ngevangeli lombuso, ephilisa zonke izinhlobo zezifo ebantwini. Isixuku esikhulu samlandela lapho ayeya khona.

Owayenobu lepero weza kuJesu wafika wamkhonza. Wathi kuJesu “Nkosi uma uthanda, ungangihlambulula” wathi uJesu, “Ngiyafuna hlambuluka.” Masinyane umlepera wahlambululeka.

Induna yebutho yamaRoma yeza kuJesu. Lendoda yayizocela ukuthi Ayiphilisele isisebenzi sayo esasife uhlangothi futhi sihlukumezeka. Wayekholwa ngamandla ka Jesu okuphilisa. UJesu wamtshela ukuthi zonke izizwe zizoza ndawonye zidle embusweni weZulu futhi nesisebenzi saphila ngaso lesi sikhathi.

Kwesinye isikhathi, ngale kolwandle, kwakunamadoda amabili ayebuswa ngamadimoni. Lamadoda ayenamandla asabekayo kwakungekho owayekwazi ukubabamba abacindezele noma basondele eduze kwabo. Babehlala emangcwabeni.

Bathi uma bembona uJesu, amademoni amemeza athi, “Sinamsebenzi muni naweNdodana kaNkulunkulu? Uze lapha ukusizwisa ubuhlungu, kungakabi-yiso isikhathi, na?”

Kudanyana kwakunomhlambi wezingulube. Amadimoni amncenga uJesu ethi “Uma usikhipha sivumele siyongena ezingulubeni.” UJesu wathi “hambani.” Masinyane aphuma amadimoni ebantwini angena ezingulubeni. Izingulube zagulugudela eweni zagijima zayoziphonsa olwandle zaminza.

Abelusi bagijima bayobikela izakhamizi ukuthi uJesu wenzeni, nangabantu ababe buswa amademoni abaphilisileyo. Beza abantu bendawo bacela uJesu ukuthi akahambe endaweni yabo.

Wahamba ngesikebhe eya ezweni lakubo. Ngemva kwalokho wabonana noMatewu. UMatewu wayesebenzela

uhulumeni eqoqa intela. UJesu wathi kuye, “Ngilandele.” UMatewu wasukuma wamlandela.

Ngakhoke uJesu nabalandeli bakhe bahamba bayokudla ngalobobusuku kwamthelisi nabanye abantu ababengathandeki emphakathini. Abaholi bezenkolo abaFarisi bekubona lokhu bathi kubafundi bakaJesu, “Kungani uMfundisi wenu edla nezoni nabathelisi na?”

Ekuzwa lokhu uJesu waphendula wathi, “Abaphilileyo abadingi inyanga, ngabagulayo bodwa. Kepha hambani nifunde ukuba kuthini ukuthi: ‘Ngifuna isihawu, hayi umhlatshelo.’ Ngokuba angizanga ukubiza abalungileyo kepha izoni ukubaziphenduke.”

Imibuzo

1. Wawuyini umsebenzi wabafundi bokuqala bakaJesu?
2. Benzenjani uma uJesu ethi kubo abamlandele?
3. UJesu wazihamba zonke izindawo zase Galile nabaningi bemlandela. Yini eyenza bambunganyele kanjena?
4. Yikuphi ukuphilisa okokuqala okubhalwe encwadini kaMatewu?
5. Yini eyayiphethe isisebenzi senduna yamaRoma?
6. Babehlala kuphi abakhwelwe ngamadimoni? Kwakunhloboni yabantu?
7. Enze njani amadimoni uma ebona uJesu?
8. Enze njani amadimoni esephumile emadodeni?
9. Kwenzekani emadodeni?
10. Benzenjani abanikazi bezingulube?
11. Wayengumuntu onjani uMatewu?
12. UJesu wadla ukudla nabantu abanjani?
13. Bacabangani abaFarisi ngalokhu?
14. UJesu waphendula wathini kubaFarisi?

Amaqiniso kaMoya - Isifundo 3 **ngokukaMathewu 4 – 9**

1. UJesu akanakho ukukhetha kubantu.
 - Abafundi bokuqala baka Jesu babengabadobi, abaphansi, abangafundile.
 - Umuntu owayenobu lepero wayexoshiwe emphakathini ngenxa yesifo sesikhumba okwamshiya engathandeki
 - UMatewu wayengumthelisi. Empeleni ecebile kodwa eyisela.
 - Isisebenzi somRoma sasikhubazekile singenamali noma isikhundla emphakathini.
 - Amadoda ayenamadimoni ayengafunwa muntu emphakathini, kangangoba abantu bakhetha izingulube eziphilayo kunokuba kungaphila lamadoda. Babehlala emangcwabeni.

* Kodwa bonke lababantu babebalulekile beyigugu kuJesu. Wena ungumuntu, olingugu elikhulu obalulekile emehlweni kaNkulunkulu. Okwempilo yakho edlule, imali, ubunjalo bakho nobukhona bokubaluleka kwakho emphakathini akusho lutho kuNkulunkulu.

2. UJesu unamandla okusiphilisa ezifweni zethu. Yiziphi izibonelo kulendaba ezabantu abaphiliswa?
3. UJesu unamandla phezu kwayo yonke imimoya namadimoni. Kunabantu asebenzene shi kumadimoni nemimoya, izikhathi eziningi ngoba befuna ukwenza izinto ezinhle. Kodwa bathi bengakazi ukuthi sekwenzekeni kubo ibe lamadimoni aseyithathile impilo yabo. Bese ebalandela ebashushisa amadimoni awaphinde abayeke. Laba bantu abanamandla okuxosha lamadimoni ezimpilweni zabo. UJesu unegunya namandla phezu kwakho konke, amadimoni nemimoya emhlabeni. Sinakho ukuthola inkululeko emimoyeni emibi kuphela ngoJESU KRISTU kuphela.

4. UJesu uyabathanda abantu abanoduma olubi. Wamukela zonke izoni. UJesu akabahluleli abantu, kodwa ufuna wonke umuntu aphenduke athole ukuthethelelwa kweqiniso.
5. Abantu abangamakholwa, noma abaFarisi abazange baphenduke ezonweni zabo, bazibona bengcono kunezinye izoni ezazidla noJesu. Yikuphi okungcono ukuba yisoni esikhulu kodwa esithethelelwe kunokuba ube nezono ezincane kodwa ube ungafuni ukuthethelelwa?
 - Kungcono kakhulu ukuba yisoni esikhulu esithethelelwe.

UJesu uyasamkela uyasithanda ngalendlela esiyiyo. Akusho lutho kuye noma siyizoni ezimbi kangakanani, noma simpofu, noma sinemfundo encane, noma sinezingxaki ezingakanani noma singenamipilo emzimbeni. Emehlweni akhe, sonke siyafana. Okusemqoka ukuthi siphenduke simlandele.

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

Izifundiso zikaJesu - Isifundo 4 **ngokukaMathewu 10 - 16**

“Ngifuna isihawau, hayi umhlatshele.” ngokukaMathewu 12:7

Ukubukeza

1. UJesu wazalwa ngowesimame womJuda ogama lingu_____.
2. Izazi zaba nakho ukumthola uJesu ngoba zazilandela i_____.
3. Izazi azibange zisabuyela kuHerode ngoba bayalwangu Nkulunkulu ukubuyela ekhaya ngenye indlela.
4. UJohane uMbhapathisi wahlala ehlane eshumayela e_____ labo bantu ababevuma izono zabo.
5. Lisho ukuthini igama “lokuphenduka”?

6. Ngesikhathi uJesu ebhathizwa, u_____ wehlela , emhlabeni njenge juba, nezwi eZulwini lakhuluma. Lokhu kusibonisa uButhathu bonye bukaNkulunkulu:
UNKULUNKULU _____ UNKULUNKULU
_____ UNKULUNKULU _____.
Sithi-ke uNkulunkulu oziqo zintathu.
7. Ehlane uJesu walingwa u_____.
8. Abafundi bokuqala bakaJesu babe _____ ngokomsebenzi.
9. UJesu wanqwamana namadoda amabili ayekhwelwe ngamadimoni, uJesu wawasiza kanjani lamadoda. Abantu bendawo benzenjani kuJesu ngesenzo sakhe. _____
10. AbaFarisi bamnyemba uJesu yingoba wayedla nabantu abanjani?

11. Ingabe kungcono yini ukuba yisoni esikhulu esiphendukile kunoma ube ngumuntu onezono ezincane kodwa inhliziyi ibe ingaphendukanga? _____

UJesu wabiza amadoda ayishumi nambili ukuba abe ngabafundi bakhe, efuna babeseduze naye ezobafundisa. Lamadoda ayishumi nambili wawanika amandla phezu kwemimoya emibi, wabapha amandla okuphilisa zonke izinhlobo zezifo. Wathi kubo mabaphe ngesihle ngoba nabo bemukele ngesihle. UJuda wayephakathi kwamadoda ayethunyiwe.

UJesu wabathumela kuwo onke amakhona akwaIsraeli ukuze babizele amaJuda ekuphendukeni nokukholwa yiNkosi uJesu Kristu. Wawaphathisa umbiko lamadoda uJesu, “Ongivuma phambi kwabantu Nami ngiyomvuma phambi kukaBaba oseZulwini. Kodwa ongiphika phambi kwabantu, Nami ngiyomphika phambi kuka Baba oseZulwini.”

UJesu uqobo wayehamba eshumayela eGalile, efundisa ephilisa yonke inhlobo yezifo. Kodwa abantu baseGalile, ayesehlale nabo isikhathi eside abamamkelanga. Izwe lase Kapenawume lapho aqala khona nabo abamamkelanga. Ekubona lokhu wakhuluma noYise, nanka amazwi akhe: “Ngiyakubonga Baba , Nkosi yeZulu nomhlaba ngokuthi uzifihlile lezizinto kwabahlakaniphile nabaziqhenyayo wazambulela abantwana. Noma kunjalo Baba, kwaba kuhle kuwe. Konke kulethwe kimi nguBaba, akekho owazi iNdodana ngaphandle kuka Baba. Akekho futhi owazi uBaba, ngaphandle kweNdodana, naloyo iNdodana ethanda ukumambulela. Wozani kimi nonke nina enisindwayo ngizoninika ukuthula. Thathani ijokwe lami nifunde kimi, Ngimnene, Ngithobekile enhliziyweni, niyothola ukuthula ezinhliziyweni zenu. Ngokuba ijokwe lami lilula nomthwalo wami ulula.”

Esekushilo lokhu, uJesu nabafundi bakhe banqamula emasimini kwakuyiSabatha. Abafundi bakhe babelambile, bama , bakha izikhwebu badla,

AbaFarisi bekhumbula abantu benkolo laba, babanyemba ngoba benza okuphambene nomthetho wamaJuda wokusebenza ngeSabatha. UJesu wabaphendula ebatshele ukuthi babengawazi

umthetho kaNkulunkulu ngoba imibhalo ithi, “Ngifuna isihawu hayi umhlatshelelo.”

Ukusuka ensimini kakolweni uJesu nabafundi bakhe baya esinagogeni lapho-ke bafica indoda eyayinesandla esishwabeneyo. UJesu wathi kuleyondoda ayelule isandla sayo, wayiphilisa khona lapho eSinagogeni kubuka wonke umuntu ngeSabatha.

Bathukuthela abaFarisi, bahamba bayosungula ukumbulala uJesu. UJesu azi ukuthi bacebani, naye wasuka wahamba. Isixuku samlandela, waphilisa bonke.

Waqhubeka uJesu ngokusebenza kulesosifunda isikhashana ebafundisa, ebaphilisa. Kwaze kwaba kabili bemlandela ehlane behlala lapho isikhathi eside belalela amazwi akhe bengadlile. Kwaze kwaba kabili uJesu ethatha izinkwa ezingaphansi kweziyisikhombisa nezinhlanzana ezimbalwa epha abantu abangaphezulu kwezinkulungwane ezine.

Esasebenza eGalile, uJesu wabachazela abafundi bakhe ukuthi masishane wayezobuyela eJerusalema, nezinto ezesabekayo ezazizokwenzeka empilweni yakhe. Wabatshela ukuthi wayezohlukunyezwa ngabaholi bama Juda, aze abulawe, kodwa ngemva kwezinsuku ezintathu wayezovuka futhi.

Imibuzo

1. Wabathumani abafundi bakhe uJesu?
2. UJesu wathi uzokwenzenjani ngalabo abamvuma phambi kwabantu? Labo-ke abamphika phambi kwabantu?
3. Benze njani abantu base Kapenawume kanye nalezozindawo ezazimbona uJesu enza izimanga uma sezimuzwa eshumayela?
4. UJesu wathi bonke abasindwayo mabeze kuye. Wabathembisani?
5. Yini eyenza uJesu nabafundi bakhe bame ensimini?
6. Yini eyenza abaFarisi bamnyembe uJesu ngokukha ukolweni badle?
7. Yini abaFarisi okwenza ukuthi baphikisane noJesu elula isandla somuntu esishwabeneyo?
8. Yaba yini injongo yesigungu esenziwa ngabaFarisi na?

9. UJesu watshela abalandeli bakhe ubuhlungu obabuzomvelela. Wayeprofethani?

Amaqiniso kaMoya - Isifundo 4 **NgokukaMathewu 10 –16**

1. Labo abavuma igama likaJesu phambi kwabantu, Naye uyakubavuma phambi kukaBaba. Kodwa labo abamphikayo phambi kwabantu, naye uyobaphika phambi kukaBaba eZulwini.
2. Abanengi bamlandela uJesu ngoba babefuna nje ukumbona enza izimangaliso, kodwa babengafuni ukuba nobudlelwano naye, abafunanga ukulalela amazwi akhe. Abafunanga ukuphenduka ezonweni zabo. Babefuna ukuzifezela ezabo izinhloso ngokusebenzisa uMusa kaNkulunkulu. Basekhona yini nanamuhla abanjalo? Kukhona omaziyo?
3. Okunguyena yena onokuxhumana noBaba nguJesu Kristu kanye nalabo abeza kuBaba ngoJesu Kristu. Akekho omunye umxhumanisi kuNkulunkulu ngaphandle kukaJesu Kristu. Munye uNkulunkulu, yinye indlela eya kuNkulunkulu, neBhayibheli lisifundisa ukuthi leyoNdlela nguJesu Kristu.

* Mhlawumbe wena ufundiswe ukuthi uma uthandaza kuNkulunkulu umthandaze ngabanye kungesiye uJesu Kristu. Ngobani laba abanye abaxhumanisi: bayizithixo, abaprofethi, noma ngabantu abalungile bakudala? IBhayibheli lithi yebo kungenzeka ukuthi babelungile, kodwa abasiye uNkulunkulu. Uyavumelana yini neBhayibheli ukuthi uyedwa uMxhumanisi phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, uJesu Kristu.

4. UJesu ufuna ukusithwalela imithwalo nezinkathazo. Umnene uthobekile ngenhliziyi. Ufuna ukusikhulula emithwaleni esiyithwele. Kuye sinokuthola ukuphumula kwemiphefumulo yethu uma samkela ijokwe lakhe, ngamanye amazwi, uma samkela ubuholi nobukhosi bakhe ezimpilweni zethu.

5. UJesu ukhathazekile ngezidingo zethu. Abafundi bakhe babelambile, uJesu wabenzela indlela yokudla, azi ukuthi lokhu kuzodala uchuku nokushushiswa ngabaFarisi. UMDALI UNKULUNKULU womhlaba ukhathazekile ngezidingo zethu.

“Ngifisa isihawu hayi umhlatshele.” Lisho ukuthini igama elithi “umhlatshele” kuwe? Ingabe bakufundisile yini abaholi bakho ukuthi wenze umhlatshele kuNkulunkulu okanye uzuze ukuthandwa kokuthi uxolelwe izono? Kungalukhuni yini kuwe ukukholwa ukuthi uNkulunkulu akafuni ukuthi wenze okuthile komhlatshele ukuze uziveze ubungcono bakho? Okwesibili uJesu echazela abaFarisi ukuthi uNkulunkulu akajabuliswa yiminikelo yabantu. Kodwa kubantu abazazi benenkolo enkulu kunzima ukukwamukela lokhu. Zonke izinkolo zisifundisa ukuthi masenze okuthile ukuze sibalekele ulaka lukaNkulunkulu noma sizuze ukuthandwa nguNkulunkulu. Abantu abaningi bangena ebunzimeni, obukhulu bezama ukugcwalisa izithembiso, bekhokha izimali ngezono abazenzile noma ukukhombisa ukuthembeka kuNkulunkulu. Kodwa lokhu akusho lutho kuNkulunkulu. Ufuna ubudlelwano nathi. Ufuna ukusikhombisa isihawu: Akawufuni umhlatshele wethu. UJesu wayazi ukuthi uzohlupheka kangakanani bese bembulala. Kuthi emva kwezinsuku ezintathu abuye avuke ekufeni. Lokhu kwakuyinxenye yecebo likaNkulunkulu. Wazama ukubachazela abafundi bakhe, kodwa abazange babenokuqonda ukuthi kungani kwakufuneka afe bese evuka futhi.

*Ezifundweni ezintathu zokugcina zalesisifundo, sizozama ukuqonda ubunjalo bokufa nokuvuka kukaJesu. Lokhu okwenzekayo kuzo guqula umlando womhlaba phakade unomphelo. Lesisehlakalo nje sisodwa sinamandla okugqashula izibopho zesono siguqule izimpilo zethu.

IZINDABA EZINHLE NGUJESU

Ngu
Christy A. Brawner

Ukukhashelwa kukaJesu Isifundo - 5 ngokukaMathewu 20-26

“Kwathi uJesu esezakwenyukela eJerusalema, wathatha abafundi abayishumi nambili, wagudluka nabo; besendleleni, wathi kubo: Bhekani, sikhuphukela eJerusalema; iNdondana yomuntu izakukhashelwa kubapristi abakhulu nababhali; bazakuyinqumela ukuba ife, bayikhaphele kwabezizwe ukuba iklolodelwe, ishaywe, ibethelwe esiphambanweni; kepha ngosuku lwesithathu izakuvuswa.” ngokukaMathewu 20:17-19

Ukubukeza

1. UJesu wazalwa yintombi u_____.
2. UYise_____ waba nephupho lapho uNkulunkulu amtshele ukuthi akabalekele eGibhite ngoba inkosi uHerode wayefuna_____ uJesu.
3. UJohane uMbhapathizi wayehlala ehlane eshumayela ebhabhadisa bonke_____ ezonweni zabo.
4. UJesu wayengenaso_____ kodwa wacela uJohane uMbhapathizi ukuthi aMbhapathize.
5. Lisho ukuthini igama loku “phenduka”? _____
6. Esebhapathiziwe uJesu u_____ wehla njenge juba nezwi, likaNkulunkulu lezwakala lithi, “Lo yindodana yami engi thokozile ngayo”.
7. Ehlane uJesu walingwa u_____.
8. UJesu wahlangabezana namadoda amabili ayephethwe ama_____. UJesu wabonisa ukuthi unamandla oku_____ amadimoni.
9. Yikuphi okungcono, ukuba nezono eziningi kodwa uphenduke noma ukuba nezono ezincane kodwa ungaphenduki?

10. UJesu wathi uma umvuma phambi kwabantu, naye _____ phambi kuka _____ ezulwini.
11. AmaGalile amaningi kanye neningi labantu baseKhaphenawume, _____ izwi likaNkulunkulu, bamane balandela uJesu ngoba bebona izimangaliso azenzayo.
12. Abafunanga ukuguquka ezonweni zabo. Futhi kusho ukuthini “ukuphenduka?” _____
13. UJesu wathi uzonika uku _____ kubo bonke abakhatheleyo naba sindwayo ngoba ijokwe lakhe _____.
14. AbaFarisi abathandanga ukuthi uJesu aphilise indoda eyayinesandla esishwabeneyo ngoba kwakuyi _____ futhi kuphambene nomthetho ukusebenza nge _____.
15. AbaFarisi benza icebo loku _____ uJesu.
16. UJesu wayazi ukuthi abaFarisi baceba ukumbulala kodwa waqhubeka wenza izimangaliso eziningi okubalwa kuzo ukwandisa, nokupha abantu i _____ ezimbili ne _____ ukupha abantu abangaphezu kwe 4000.

UJesu nabafundi bakhe basuka eGalile baya eJerusema. Esezo fika eJerusema

wathuma abafundi bakhe ababili emzaneni ukuthi bayolanda ithole lembongo ayelidinga. Wagibela kulo eseyongena eJerusema.

Wangena ngobu Khosi nangokuthokoza okukhulu. Isixuku samzungeza emgwaqweni. Babeka izingubo zabo lapho ayeqhamba khona bamendlalela uJesu aze ayongena edolobheni. Abanye bakha amagatsha esundu bawendlala emgwaqeni ayeqhamba kuwo bekhombisa ukumhlonipha. Abanye bahamba ngaphambi nangasemuva kwakhe bememeza bethi, “Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu!”

Idolobha laseJerusema lashukunyiswa yilomkhosi onje ongakaze wenzeke. Bonke babebuza bethi, “Ngubani lo?” Abanengi baphendula bathi, “Lo nguJesu umprofethi ophuma eNazarethi laseGalile.”

UJesu wangena emzini waqonda eThempeleni labaJuda. Wafika wabakhipa bonke ababethengisa eThempeleni. Wagumbuqela

amatafula alabo ababeshintsha izimali phakathi eThempeleni. Wathi kubo, “kulotshiwe ukuthi, INDLU YAMI iya kuthiwa eyokuthandaza, kodwa nina seniyenze umhume waba phangi.” Emva kwalokhu wahlala eThempeleni ephilisa, evula amehlo ezimpumpethe.

Emva kokuba uJesu esefundise abantu izinto eziningi, esenze izinto eziningi ezimangalisayo eThempeleni, aba pristi kanye namalunga amaningi enkolo yabo, babuthana ndawonye ukwenza icebo lokumbulala. Benza icebo lokuthi banga mbulala kanjani. Nokho babengenandlela yokuthi lokhu bangakwenza kanjani ngesikhathi se Phasika, babona kungcono ukuthi makwedlule kuqala iPhasika bese bebonake ukuthi benze njani ngoJesu.

Omunye wabapostoli kwaba yishumi nambili, oweyenguJuda Iskariot, wayobona abaPristi abakhulu wafika wathi, “Nizonginikani uma ngimkhaphela kini na?” Bavumelana ngokumnika izinhlamvu ezingu 30 zesiliva. Ukusukela ngalelo langa uJuda waqala ukufuna indlela yokumkhaphela uJesu.

Kwakuyiviki le Phasika, abafundi balungiselela isidlo ngalendlela uJesu aye bayalele ngayo. Ngalobobusuku uJesu wahlala nabo ekudleni abafundi abayishumi nambili wathi, “ngiqinisile ngithi kini omunye wenu uzongikhaphela.” Esakusho lokhu, abafundi bakhe babalusizi, babuzana kuyilowo ethi, “Nkosi ingabe yimi na?”

UJesu wabaphendula wathi: “Ofake isandla kanye nami esitsheni nguyena ozakungikhaphela. Indodana yomuntu iyamuka kambe njengokulotshiwe ngayo, kepha maye kulowomuntu iNdodana yomuntu ekhashelwa ngaye! Nga kukuhle kulowomuntu ukuba kazalwanga.”

Kwathi uJuda kanye lo oWamkhaphela naye wabuza wathi: “Kungaba-yimi, Rabi, na?” UJesu waphendula wathi: “Usho khona.”

Ngakhoke badla ndawonye kulobo busuku, kwathi besadla, uJesu wathabatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wanika abafundi bakhe, wathi: “Thabathani nidle; lokhu kungumzinba wami.” Wabe esethatha isitsha, wabonga wabanika wathi: “Phuzani nonke kuso; ngokuba lokhu kuyigazi lami lesivumelwano elithululwa ngenxa yabaningi kukho ukuthethelelwa kwezono.”

Amaqiniso kaMoya-Isifundo 5
ngokukaMathewu 20-26

Sebeqedile ukudla, bahlabelela, basuka baya entabeni yemiNqumo. Waqhubeka uJesu ebafundisa izinto eziningi ezinye ezazi zokwenzeka.

Wabuye wehla nabo uJesu baya endaweni ethiwa yiGetsemane lapho babezothandaza naye ubusuku bonke. UJesu wayesethatha uPetro, noJohane noJakobe ndawonye ngesikhathi eselusizi kakhulu. Wabacela ukuthi maba linde naye. Waba shiya wayo thandaza endaweni eyibangana ezoba yedwa no yise. Wathandazela izinto ezazizokwenzeka kulobo busuku. Amazwi akhe abhalwa kanje:

“Baba, uma uthanda, susa lesisitsha kimi; nokho makungenziwa intando yami kodwa eyakho.”

Kwabhalwa ukuthi lomthandazo wawenza kwaze kwaba kathathu, inhliziyi yakhe yaba lusizi kwaze kwaba sekufeni.

Nokho, abafundi, babengakwazi nokuvula amehlo ngisho ihora elilodwa. Balala bonke. Ekugcineni uJesu wabavusa ethi, “vukani sihambe. Bhekani ongikhaphelayo usesondele.”

Imibuzo

1. Wangena egibele sippi isilwane uJesu eJerusalema?
2. Bamphatha kanjani uJesu abantu ngesikhathi engena eJerusalema?
3. Wenzani uJuda ukuze akhaphela uJesu?
4. Owani lomcimbi owawenzelwe emzini?
5. UJesu wamtshela kanjani uJuda ukuthi wayazi ukuthi uzomkhaphela?
6. Wathini uJesu ngewayini esidlweni?
7. Ngokuka Jesu igazi limeleni?
8. UJesu wathatha abafundi baya eGetsemane beyothandaza ubusuku bonke. Bangaki abafundi abakwazi ukuhlala ubusuku bonke ukuthandaza?
9. Wawuthini umthandazo owathandazwa nguJesu ngobusuku akhashelwa ngabo?

1. UNkulunkulu uyena ophethe izinto zonke. Abafarisi babesungula ukumbamba uJesu engazelele. Kodwa uNkulunkulu, uzikhathi zonke, wabasebenzisa ukuze aveze intando yakhe ephelele emhlabeni. Kwakuvele kuyintando kaNkulunkulu ukuthi uJesu wayezofa esiphambanweni.
2. UNkulunkulu uyakwazi okuse zinhlizweni zethu abanye abangakwaziyo. UJesu wayazi ngaso sonke isikhathi ukuthi umfundi wakhe uJuda waye zomkhaphela.
3. UJesu uyasithanda usiphethe ngothando olufanayo yize noma thina simala. UJuda wayephethwe kahle nguJesu kangangoba akekho kubafundi owa yengakholwa uma kuthiwa uJuda wayezokhaphela uJesu. Kanjalo nakithi uJesu usithanda asiphathe kahle ngothando yize noma izikhathi eziningi simala nathi simkhaphela singayifuni intando yakhe ezimpilweni zethu.
4. Igazi lika Jesu lachithelwa thina ukuze sithethelelwe izono. Abafundi, ngalesosikhathi babengazi ukuthi uJesu kwakumele afe. Babengazi ukuthi uNkulunkulu ufuna umuntu nomuntu ahlawule ngezono zakhe inhlawulo kube yigazi. Babazi ukuthi uJesu uyabathanda futhi sebethethelelwe izono zabo. Kodwa kwadingeka bathole isikhathi ukuze bazi ukuthi uJesu kwadingeka abe yinhlawulo ukuze bathethelele izono zabo.
- Bangingi abantu abaziyo ukuthi banezono empilweni yabo. Bakhona aba zwile ngendaba ka Jesu nokuthi uyabathanda. Kodwa bambalwa abaziyo ukuthi uNkulunkulu ufuna igazi libe yinhlawulo yezono. UJesu, ngoba enguNkulunkulu, ungumuntu kuphela owake waphila kulomhlaba nozokuphila kulomhlaba engenasono. Ngenxa yothando lwakhe oluma ngalisayo kithi, wakhetha ukunikela ngempilo yakhe ukuze ahlawulele izono zethu hayi ezethu kuphela kodwa ezomhlaba wonke. Kungenxa

yalomhlatshelelo, okwenza ukuthi sibe nesithuba sokwamkela intethelelo nokuthula kuNkulunkulu.

Ngesonto elizayo sizobheka ingqikithi yokubethelwa kukaKristu.

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukubethelwa kukaJesu” - Isifundo 6 **ngokukaMathewu 26-27**

“UJesu wayesethi kuye: ‘Usho khona. Nokho ngithi kini: Kusukela manje niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza emafwini ezulu.’”
ngokukaMathewu 26:64

Ukubukeza

1. UJesu wazalwa yintombi igama layo _____.
2. Njengokusho kwemibhalo, uJesu wazalelwa e_____.
3. Njengokusho kwemibhalo, uJesu waphuma ezweni lase _____ wayebalekele inkosi uHerode.
4. Uyise kaJesu u_____, waba nephupho elathi akabuyele kwa Israyeli ngoba inkosi uHerode wayesefile. UJosefa esabela impilo yoMtwana wabalekela ezweni lase _____ yena nomndeni wakhe.
5. UJesu waqala ukushumayela esidlangalaleni ngokubhaphathizwe ngu_____.
6. Esaphuma emanzini uJesu u_____ efana nesimo sejuba wehla evela eZulwini, nezwi lika_____ lakhuluma ezulwini lithi, “lo Yindodana yami engi thokozile ngayo.”
7. UJesu waphilisa abaningi waba thethelela i_____ zabo.
8. Noma sekwenzeke izimangaliso ezinkulu abantu abaningi base Galile _____ intshumayelo kaJesu, abaze bafuna ukuphenduka ezonweni zabo.
9. Lisho ukuthini igama loku “phenduka?” _____
10. UJesu esaya eJerusalema waphelzelwa, abantu abaningi, uJesu egibele i_____.

11. Ngobusuku bePhasika, uJesu watshele abafundi bakhe ukuthi omunye wabo wayezo _____. Ngalesosikhathi, akekho owayazi ukuthi kwakungubani.
12. UJesu wakhuluma nge wayini ababeliphuza. Wathi limele iGazi lakhe elalizochithakelela uku_____ kwezono.
13. Abafundi bawezwa lamazwi noma kunjalo abaqondisisanga ukuthi uJesu waye _____ ngenxa yezono zabo.
14. Ngemva kwesidlo, baya entabeni yeMinqumo base beya eGetsemane, uJesu wathandaza ebusuku abafundi be_____.
15. UJesu wathandaza wathi, “uma ku ngenzeka mayisuke lendebe kodwa makungenzeki eyami intando kodwa _____ intando.

Esavusa abafundi bakhe uJesu, uJuda owamkhaphela, wafika nesixuku esikhulu sabantu, kanye naba Pristi nabezenkolo bephethe izikhali. UJesu waqatshulwa nguJudas ethi “sawubona Rabbi”.

UJesu waphendula, “Mngane uzeleni na?”

Masinyane omunye wabafundi wahosha inkemba wanquma indlebe yesisebenzi somPristi. UJesu wamkhuza wabe eseyibuyisela indlebe yalomuntu. Waze watshele abafundi ukuthi ukuba ubeku fisa lokhu ingabe wayezobiza “amalegiyona” izinkulungwane 1000 zezingilosi zizokulwa, kodwa ngenxa yokuthi konke okwakwenzeka kwabe kuyintando kaBaba ukuze kugcwaliseke imiBhalo.

UJesu wayesehendukela esixukwini ebuza ethi, “nize ukubamba umphangi njengoba nihlomile nizo ngithatha? Benginani imihla yonke ngifundisa eThempelini, kodwa anizange ningibambe. Konkeke lokhu kwenzelwe ukugcwaliseka kwemibhalo kanye naba Profethi.”

Abafundi bakhe babaleka bamshiya.

Labo abambambayo bamusa kaCayifasi owayengumPristi omkhulu. Wayelindwe ngabanye abapristi nabanye abaholi ukuze bambuzisise.

Base belungise nofakazi abaningi bamanga ukuze bamqambele bese egwetshwa ukufa. Bababalingi abezayo, kodwa behluleka ukumbophelela ngendlela eyayizokwenza ukuthi abulawe, kwaze kwafika umPristi omkhulu wamhlukumeza. Wabe sebuza

uJesu ethi, “ngikufungisa uNkulunkulu, sitshele ukuthi unguKristu indodana kaNkulunkulu yini?”

Wathi uJesu kuye, “kunjengoba usushilo. Noma kunjalo nizakubona indodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu iza ngamafu ivela eZulwini.”

Ekuzwa lokhu umpristi wadabula izingubo zakhe ethi, “yinhlamba” abantu ababelapho base bemthatha uJesu bamkhafulela ebusweni. Abanye bamshaya abanye bemshaya ngezimpama bethi, “profetha Kristu! Ngubani okushayile?”

Kwathi sekusa, abapristi nabaholi bamusa kumbusi wama Roma onguPilatu. Ba mtshela ukuthi lo uthi uyinkosi yabaJuda?

UPilatu wamthatha wambuza ethi, “Ingabe uyiyo iNkosi yabaJuda na?” UJesu wathi, “kunjengoba usho.”

Noma uPilatu esembuzile akazange athole umbandela owawunga menza abulawe. UmkaPilatu waba nephupho elamkhathaza waze watshele umyeni wakhe uPilatu ukuthi angayingeni indaba kaJesu. UPilatu wayekwazi ukuthi lokhu bakwenza abaJuda ngoba benomona ngoJesu kodwa akazanga azi ukuthi akenzenjani, ngoba abantu base bevuke umbhejazane.

Njalo ngonyaka ngesikhathi sePhasika kwakuyi nqubo kaPilatu ukuthi akhulule isiboshwa esikhethwe abantu. Kulonyaka kwakunesiboshwa esasiyingozi okwakuthiwa uBaraba. Wamisa uJesu noBaraba ukuba bakhethe uBaraba noma uJesu othiwa uKristu? Kodwa abantu sebefakwe umoya ngabapristi nabaFarisi bathi uBaraba.

“Pho-ke, ngimenze-njani uJesu okuthiwa uKristu na?”

Kubuza uPilatu. Abantu bathi, “Makabethelwe esiphambanweni.”

Uthe uPilatu uma ebona ukuthi abasakhuzeki, wathatha indishi yamanzi wageza izandla zakhe wathi, “Anginacala egazini lalomuntu olungileyo ziboneleni.” Wabakhululela abantu uBaraba, uJesu wamnikelela ekubeni makashaywe.

Amasotsha kaPilatu athatha uJesu amusa eNdlunkulu kaPilatu bafike bamhlukumeza khona bembhinqa. Bamzungeza behlekisa ngaye bamkhumulisa bamgqokisa ezibubende. Base beluka umqhele wameva bewufaka ekhanda Lakhe. Bamnika umhlanga ukuthi Awuphathe ngokungathi yinduku yobukhosi baguqa phambi kwakhe bekhuleka ngokumbhinqa bethi, “Bayede

Nkosi yamaJuda.” Bamphimisela, base bethatha lenduku ebebemnike yona bamshaya ngayo ekhanda. Sebeqedile ngayo ukuhlekisa Ngaye, bamhlabula izambatho baphinda bamgqokisa izimpahla Zakhe bahamba Naye baya eGolgotha noma “iNdawo yeKhanda” yilendawo ayezo bethelwa kuyo.

UJesu wabethelwa lapho, esiphambanweni amasotsha amaRoma aphanyeka umbhalo esiphambanweni owawuthi, “Lo Yinkosi YamaJuda.” UJesu wabethelwa phakathi kweze lelesi ezimbili.

Kusukela ehoreni lesithupha kuya kwelesishiyagalolunye, uJesu elenga esiphambanweni ubumnyama bamboza umhlaba. Ngehora lesishiyagalolunye, uJesu wakhala ethi, “Eli, Eli, lama sabaktani? Okungukuthi: Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?” Ngemuva kwesikhathi wamemeza futhi. Wabe esenikela ngomphefumlo wakhe.

Ngesikhathi enikela ngomphefumlo wakhe, kwenzeka izinto eziningi kanye kanye. Iveyili lethempeli ladabuka kabili; umhlaba wazama zama, kwaqhephuka, amatshe, amathuna amaningi avuleka, kwaze kwathi abangcwele ababefile bavuka. Basuka emangcwabeni baya eJerusalema babonwa ngabaningi.

Imibuzo

1. Wakhashelwa kanjani uJesu?
2. Omunye wabafundi kukhona akwenzayo elwela uJesu. Kwakuyini? Wabe esenzajani uJesu?
3. Ngesikhathi ebanjwa benze njani bonke abafundi bakhe?
4. Abantu ababamba uJesu bamsaphi?
5. Noma babebaningi ofakazi bamanga bagcina bemgwebe kanjani uJesu?
6. Abaholi nabaPristi bamsaphi uJesu sekusile.
7. UPilatu esemphenyile uJesu akamtholanga enecala kodwa wesaba abantu, ngakho wathi abantu mabakhethe. Wathi mabakhethe abantu, abantu bona bakhetha kanjani?
8. Amasotsha amphatha kanjani uJesu?
9. Ngemva kwamahora amathathu obumnyama, uJesu wamemeza kuNkulunkulu. Iyini incazelo yalokhu kumemeza.

10. Yiziphi ezinye izinto ezenzeka ngesikhathi uJesu enikela ngomphefumlo Wakhe?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 6 **ngokukaMathewu 26-27**

1. Ngubani uJesu? Indodana yoMuntu ehleli ngakwesokunene samandla eza ngamafu esezulwini. Yiyo lempendulo uJesu aphenyula ngayo umprihi omkhulu, yilokhu kuvuma okwamenza wayo bethelwa. Kwaba yimpendulo abangazange bavume ukuyamkela. Kodwa umuntu umele aziphendulele lowo mbuzo. Ngubani ngempela uJesu? Ngoba uma uJesu ngempela ahleli ngakwesokunene Samandla ebuya futhi ngamafu aseZulwini, kumele sikhethe ukuthi siyokwenzenjani ngaye?
2. UJesu wabethelwa esikhundleni sikaBaraba, isigebengu esasinga funwa, kodwa uBaraba wathola inkululeko.

*Mhlawumbe angiyiso isigebengu esizo ndwayo, kodwa njengoBaraba, nami ngiyisoni phambi kukaNkulunkulu nami ngithole isigwebo sokufa. Lithi iBhayibheli kumaRoma 6:23, “Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa.” Lokhu kusho ukuthi sonke simelwe ukufa ngenxa yezinto ezimbi esizenzile ezimpilweni zethu. Akukhathalekile noma sinezono eziningi njengoBaraba noma besingabantu abalungile njengabanye babafundi bakaJesu.

3. UJesu wahlukunyezwa, wehlulelwa wabulawa ukuze ahlawule izono zethu. Yilesisizathu esenza uJesu weza emhlabeni. Wayefuna ukuthi sime phambi kukaNkulunkulu sithethelelwe izono zethu. Abanye bathi uJesu imfelikukholwa noma umprofethi. Lokhu akusilo iqiniso ngendlela uJesu achaza ngayo. Wathi unguNkulunkulu futhi uze emhlabeni ukusifela.
4. UJesu wanikela ngomoya wakhe. UJesu wayengehla nanini esiphambanweni. Wayengababulala bonke laba ababenze inhlekiso Ngaye ngezwi elilodwa. Kodwa ngokukhetha kwakhe,

wakubekezelela ukuhlukunyezwa wahlala esiphambanweni kwaze kwafika lelohora elalibekiwe. Ngakho ngesikhathi Sakhe, wawunikela uMoya Wakhe, wakhetha ukufa ngoba wayefuna ukusihlawulela izono zethu. Lithi iBhayibheli kuJohane 3:16, “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi kodwa abe-nokuphila okuphakade.”

*Esifundweni esilandelayo, sizofunda ngokuvuka kukaJesu. Ngoba iqiniso lithi uJesu akafike, kodwa uyaphila namuhla ufuna ukungena empilweni yakho. Ufuna ukukhulana, enhliziyweni yakho nasezonweni zakho, ashintshe impilo yakho ngokupheleleyo.

IZINDABA EZINHLE NGOJESU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukuvuka kukaJesu” – Isifundo 7 **ngokukaMathewu 27-28**

“Ningesabi nina; ngokuba ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe esiphambanweni; kakho lapha, ngokuba uvukile njengokusho kwakhe.” ngokukaMathewu 28:5-6

Ukubukeza

1. UJesu wazalwa yintombi u_____.
2. UJesu waqala ukushumayela ngokusobala empakathini ngokuthi a_____ yindoda okwakuthiwa uJohane uMbhapathizi.
3. Ekubhaphathizweni Kwakhe, u_____ wehlela phezu kukaJesu njengejuba, izwi likaNkulunkulu lakhuluma livela eZulwini lithi, “Lona_____ yami ethandekayo engithokoza ngayo.” Lokhu kusikhombisa uButhathu bunye bukaNkulunkulu: Nkulunkulu_____, Nkulunkulu_____, Nkulunkulu_____.
4. UJesu waphilisa abantu abaningi wathethelela abaningi i_____ zabo.
5. Noma sekwenzeka izimangaliso eziningi, abantu abaningi baseGalile abamkholwanga abavumanga_____ ezonweni zabo.
6. Lisho ukuthini igama loku “guquka?” _____
7. UJesu wathi iwayini limele igazi Lakhe eliyo_____ abaningi ukuze ba_____ ezonweni zabo.
8. AbaFarisi bambamba uJesu ensimini lapho ayethandaza khona, bamusa endlini yo_____ omkhulu ogama linguKayafase.
9. Umpristi omkhulu wambuza uJesu ukuthi wayeyi_____ uJesu waphendula ukuthi uYiyo.

Ngalesosikhathi abantu beza kuJesu ba _____ abusweni Bakhe, ba _____ bamshaya nge _____ ezandleni zabo.

10. Sekusile abaFarisi bamusa kuMbusi wamaRoma ogama lingu _____.
11. UPilatu akamtholanga enecala uJesu, kodwa wavumela ukuba abethelwe ngoba wayesaba _____ ebantwini.
12. Amasotsha amaRoma amhlukume za uJesu. Bamethwesa umqhele _____ ekhanda Lakhe. Bamshaya ikanda Lakhe ngo _____ ababemnike ukuthi aliphathe.
13. Esiphambanweni lapho ayelenga khona uJesu, kwakubhalwe ukuthi “Lona uJesu _____ yama Juda.”
14. Kusuka ngehora lesithupha kuya kwelesishiyagalolunye kwaba _____ ezweni.

Kwakunendoda eyayi cebile eyayi nguJosefa wase Arimathiya owayengumlandeli kaJesu. Lendoda yacela kuPilatu ukuthi angeyi vumele yini ukuthi ithathe isidumbu sikaJesu isibeke ethuneni layo. UPilatu wavuma, uJesu walaliswa ethuneni elisha. Esemhlaliseni bavala ngetshe elikhulu emnyango wethuna.

Ngosuku olulandelayo abaFarisi babuthana baya kuPilatu ngoba bekhumbula amazwi ashiwo nguJesu ukuthi wayezovuka ngosuku lwesithathu. Bacela uPilatu ukuthi avikele ithuna kuze kube usuku lwesithathu ngoba kungahle kwenzekile umgunyathi othile ngomzimba. Wabavumela uPilatu ukuthi mabenze ngokubona kwabo. Baya babeka abaqaphi bavikela ithuna balilinda.

Ngosuku lokuqala lweviki, uMariya Magdalena nomunye uMariya baya ethuneni likaJesu. Bafika khona kwase kuba khona ukuzama zama komhlaba itshe elalivale ithuna lalisusiwe ingelosi yeNkosi ihlezi phezu kwalo. Ababeqaphile bathuthumela ngokwesaba ngokungathi baqulekile.

Ingelosi yakhuluma nabo yathi, “ningesabi ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obebethelwe. Akekho lapha; uvukile, njengokusho kwakhe. Wozani nizobona lapho iNkosi ibilele khona. Nihambe masinyane niyotshela abafundi Bakhe ukuthi uvukile kwaba fileyo, uyahamba phambi kwenu uya eGalile, lapho nizokumbona. Bhekani senginitshelele.”

Agijimela ngaphandle kwethuna amakhosikazi ngokwesaba nangokujabula bephuthuma ukuyotshela abafundi ukuthi kwenzekeni. Besa yofuna abafundi, uJesu wabahlanga beza wathi, “thokozani” bama bambamba izinyawo bamdumisa. Wathi abayotshela abafundi Bakhe ukuthi bayohlangana eGalile.

Abaqaphi bethuna bengena emizini batshela abaFarisi ngakho konke okwenzekile ethuneni. AbaFarisi benza uzungu lokuthi abaqaphi mabanikwe imali yokuthi bahambe beqamba amanga bethi kwathi besalele, abafundi bakaJesu bafika bamkhipha ethuneni. Baze bathi uma kwenzeka kufika ezindlebeni zikaPilatu ukuthi balala bona bazobalwela babavikele. Abaqaphi bakuthatha abafumbathiswa khona baqala ukusabalalisa lamanga kwaze kwaba yiminyakana beyenza lento.

Abafundi abayishuminanye abasalayo baya eGalile entabeni lapho uJesu athi bayohlangana khona. Bathi ukumbona bonke bamkhonza. Kodwa kwabakhona abamngabazayo.

Wakhuluma kubo okokugcina uJesu ethi, “Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhaphathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, Nibafundise ukugcina konke enginyale ngako; bhekani mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.” Amen.

Imibuzo

1. Yini eyacelwa uJosefa wase Arimathiya kuPilatu?
2. AbaFarisi babenovalo ukuthi kukhona lokhu okwakuzokwenzeka emzimbeni kaJesu ngosuku lwesithathu. Ngani?
3. Obani abayobona uJesu ngosuku lokuqala, yini abayificayo uma befika ethuneni?
4. Uma sebegijima beyotshela abafundi ngabakuthole emathuneni bahlangana nobani?
5. UJesu wathi kubafundi bakhe maba hlangane endaweni ethile hayi eJerusalem. Kwakukuphi?
6. Entabeni, uJesu waba nomlayezo obalulekile awunika abafundi bakhe, gcwalisa kumazwi ayeshiwo nguJesu, hambani

niyokwenza izizwe _____. Niba _____
eGameni lika yise, nele ndodana
nelika _____, nibafundise ukuqaphela
konke engini fundise khona bhokani nginani kuze kube seku
pheleni kwezikhathi.

Amaqiniso kaMoya-Isifundo 7 **ngokukaMathewu 27-28**

1. UJesu uyaphila nanamhlanje. UJesu akasiye umuntu oboshwa abulawe. UnguNkulunkulu ongunaphakade akanasiqalo nasiphelo. Icebo likaNkulunkulu kwasekuqaleni komhlaba wayezoza emhlabeni esesimeni sobuntu eyisisebenzi esihluphekayo. Kwaba yintando yakhe ukuba abethelwe ngalolosuku nangaleyondlela. Amacebo akhe angeke ahlukunyezwa, noma kukhona ongalinga ukumvimba. UnguNkulunkulu uyoba nguye njalo, uNkulunkulu weqiniso noPhilayo yena yedwa.
2. AbaFarisi bawakholwa amazwi kaJesu kangangoba baze babeka abaqaphi ukuthi baqaphe ithuna lakhe ngoba wayethe uzovuka futhi. Bawakholwa amazwi abaqaphi ngesikhathi bebatshela ukuthi kwenzekeni. Baze babathenga ukuthi baqambe amanga. Kanye lababholi babekhona ngesikhathi uJohane ebhabhadiza uJesu nezwi likaNkulunkulu uqobo livela eZulwini liqinisa ukuthi lo unguye. Lamadoda ayengofakazi kukho konke okwakwenziwa nguye. Baze bamthukuthelela ngesikhathi ephilisa indoda eyayi nesandla esishwabeneyo, ngeSabatha. Bambona ekhipha amademoni kubantu ayeba khwele, bambona noma ethethelela abantu izono zabo. Cishe akakho owayefana nabaFarisi ngokwazi imisebenzi nezimanga ezenziwa nguJesu. Kodwa bona lababantu yibo abangavumanga ukwamkela uthando lukaNkulunkulu ayebapha lona ezimpilweni zabo. Abazange baphenduke ezonweni zabo. Abazange banikele ngezimpilo zabo ekuphathweni nguJesu Kristu. Ukuba nobudlelwana noJesu Kristu kunga phezu kokufunda ngempilo yakhe.

Kungaphezu kwenkolo entsha neyehlukile. UJesu usifisela ukuphenduka ezonweni zethu, sikholwe nguye, simnike izimpilo zethu. Ufuna ukuba umholi neNkosi yezi mpilo zethu. Ufuna ukusihola, asipathe izinsuku zonke zokuphila kwethu.

3. Ngubani uJesu?
 - UJesu wazalwa yintombi.
 - UJesu wathi unguNkulunkulu
 - UJesu wenza izimanga wathethelela abantu abaguquka ezonweni.
 - UJesu wafa esiphambanweni ukusihlawulela ezonweni zethu phambi kukaNkulunkulu olungile.
 - UJesu wavuka kwabafileyo uyaphila namhlanje.
 - UJesu ufuna nami ngiphenduke ezonweni zami nginikele ngempilo yami kuye.

IBhayibheli lisifundisa ukuthi uJesu akafelanga ukuba abeyisibonelo. Wasifela, endaweni yethu, lokhu okudingeka sibhekane noNkulunkulu ngakho konke okubi esikwenzile ezimpilweni zethu.

Lithi iBhayibheli, “ngokuba bonke abayakukhuleka egameni leNkosi bayakusindiswa.” kwabaseRoma 10:13

- ❖ Lokhu kusho ukuthi noma impilo yami edlule ya injani, nginakho ukumcela uJesu ukuthi angene empilweni yami yena uyothethelela izono ahlale empilweni yami.
- ❖ Kusho ukuthi ngesikhathi uJesu engena empilweni yami, zonke izono zami ezedlula, ezikhona nezizayo, sezivele zithethelelwe nguNkulunkulu. Akwenziwa ngokuthi kukhona engikwenzile. Akwenziwa ngokuthi ngikhethe inkolo enhle. Akwenziwa ngokuthi se ngingumuntu oziphethe kahle. Akungoba abazali bami bevela ohlotsheni oluthile lohlanga noma isigaba esithize. Yingoba sengiwamukele umhlatshe uJesu awuhlawulile ngesikhathi efa esiphambanweni.
- ❖ Kusho ukuthi ukusukela manje, ngingohlazekile emehlweni kaNkulunkulu. IBhayibheli lithi umvuzo wesono ukufa kodwa

ukufa kukaKristu kwanele ukungenza isidalwa esisha. Uma ngikhetha ukumlandela.

Uma ufuna intethelelo kaNkulunkulu manje empilweni yakho, ufuna ukuba ngumlandeli kaKristu, ungamcela ukuthi angene enhliziyweni yakho ngawo lomzuzu. Akudingekile nokuthi ungaba kuleyondawo okukhonzelwa kuyo. Akudingekile nokuthi usho amazwi amangalisayo noma angumlingo. Okubalulekile ukuza kuNkulunkulu uvume ukuthi wena uyakholwa ukuthi uJesu unguNkulunkulu nokuthi ufuna abeyinkosi ebusa impilo yakho.

Ungathandaza kanje:

“Baba ngiyazi ngiyisoni. Ngiyakholwa ukuthi uJesu wafa esiphambanweni wavuka ethuneni ukungisindisa ezonweni zami. Ngiyaphenduka ezonweni zami. Ngena empilweni yami. Ungithethelele zonke izono zami. Ngiyabonga ngothando ongithanda ngalo. Ngegama likaJesu Amen.

4. “Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.”

IBhayibheli lithi ngokukaJohane 14:2-3, “Ekhaya likaBaba kukhona izindlu eziningi; uma bekungenjalo, bengiyakunitshela ukuthi ngiya ukunilungisela indawo. Nanxa ngiya nginilungisela indawo, ngobuye ngize, nginibuyisele kimi ukuba lapho ngikhona nibe-khona nani.”

UJesu wathembisa ukuthi WONKE onikela ngempilo yakhe kuye uyohlala naye ingunaphakade eZulwini. IZulu yikhaya likaBaba. Uma sesimamkele uJesu ezimpilweni zethu sohlala ingunaphakade noJesu. Okungukuthi uJesu uyoba nathi lapha emhlabeni, kodwa uma sifa sohlala ingunaphakade naye eZulwini.

Uthando uJesu analo ngathi lungu lwaphakade.

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU **Uhlelo-luhlu Lokuvangela Okucabindlela**

Ngu
Christy A. Brawner
brawner@pobox.com

UKUXOXA NGEVANGELI LIKAMATHEWU **Uhlelo-luhlu Lokwenza Abafundi**

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukubuya Kokuqala Nokwesibili kukaJesu” -

Isifundo 1 **ngokukaMathewu 1 no 24**

“Ngakho-ke lindani, ngokuba anazi ukuthi iNkosi yenu iyakufika ngaluphi usuku...Ngalokho nani hlalani nilungele ngokuba iNdodana yomuntu iyakufika ngesikhathi eningasibangiyi.” ngokukaMathewu 24:42, 44

*Uma kungenzeka bacele ukuthi yilowo nalowo okungenzeka akwazi ukubhala mabeze bepethe okokubhala nokokubhalela.

Ngesikhathi amaRoma ebusa kulelozwe, kwakukhona intombi esencane ezweni lakwa Israel ogama linguMariya wayezogana uJosefa. UMariya wavele wakhulelwa bengakashadi, esekutholile lokhu uJosefa wafuna ukumyeka uMariya. Kuthe kobunye ubusuku wazimisela ukumyeka, kodwa efuna ukukwenza ngasese engafuni ukuphoxa uMariya.

Esacabanga ngazo zonke lezizinto, ingelosi yeNkosi yeza kuye. Yathi makaqhubeka amshade uMariya ngoba akamhambanga ngemuva, kodwa ukhulelwe ngokukaMoya oNgcwele. Ingelosi yathi uMariya wayezozala umntwana okwakuprofethiwe ngaye ngabaprofethi bakwaJuda. Lomntwana ozozalwa umprofethi uIsaya wathi, “Intombi izakuzala umntwana, uyakubizwa ngokuthi ngu Emanuweli, okungukuthi ‘uNkulunkulu unathi.’”

UJosefa wayikhulwa ingelosi wamthatha uMariya. Kodwa abazange bahlangane kwaze kwazalwa uJesu ngakho-ke wazalwa yintombi. UJosefa wathi umntwana, nguJesu.

*IBhayibheli laprofetha kakhulu ngokuza kukaJesu.
Ukuzalwa kwakhe kwabikezelwa eBhayibheleni elidala kuze kube*

sekufeni kwakhe kanye nokuvuka kwakhe, uJesu uqobo lwakhe wenza izithembiso eziningi maqondana nokuthi ungubani nokuthi uzokwenzani. Ezinye iziprofetho ezashiwo nguJesu kanye nabanye kuTestamente Elidala azikagcwaliseki, leziziprofetho zithi uJesu uzobuya futhi emhlabeni. Ukufika kokuqala kukaJesu kwaba sendaweni yobumpofu, edelelekile ngoba weza eyisisibenzi esihluphekayo. Kodwa iBhayibheli lisifundisa ukuthi Ukubuya Kwakhe kwesibili kuyoba nomehluko.

UJesu wakhuluma nabafundi bakhe ngokubuya kwakhe ebafundisa esentabeni yeMihlwathi. Ebatshela ngalezizinto ephendula imibuzo ethi, “Ziyoba njani izinkomba zokubuya kwakho nokuphela kwesikhathi?”

UJesu wabaphendula ngokucophelela: wathi baqaphele kungabibikho ozobakhohlisa. Wachaza ukuthi ngokusondela kokubuya Kwakhe, baningi abayoza besebenzisa iGama Lakhe, bayothi, “NginguKristu.” Ngeshwa abaningi bayokholwa yilabo baprofethi bamanga. Ngaso lesosikhathi, kuyoba nezimpi eziningi ebantwini abahlukene emhlabeni. Kuyoba nezigaba ezehlukene: iziphithiphithi, izimpi, indlala, izifo nokuzamazama komhlaba. Kodwa lokhu kuzokube kungoko kuqala. Kuyokuba nolukhulu usizi oluyofika singakapheleliswa isikhathi.

Abantu bayokhaphelana; bayobulalana; bazondane ngenxa yenkolo yabo kuJesu. Bayoba baningi abaprofethi bamanga behamba bekhohlisa abantu. Ukuphula umthetho kuyokwanda, nothando ababethandana ngalo luphele. Kodwa kukho konke lokhu, Izindaba Ezinhle zikaJesu zizoqhubeka zishunyayelwa zize zonke izizwe zizwe ngoKristu, bese kufika ukuphela.

Koba nokuhlupheka okukhulu, umhlaba wonke. Uma uNkulunkulu engayekelela emntwini enze njengokuthanda kwakhe, imbubhiso ingasiqeda nya, kodwa ngenxa yabalandeli bakaKristu, uNkulunkulu uyakuzifinyeza izinsuku zosizi nokuhlupheka emhlabeni.

Ngakho ungakhulwa ngabaprofethi bamanga noKristu bamanga abazohamba benza izibonakaliso nezimangaliso. Lababantu bahamba bekhohlisa abantu, ikakhulukazi uma kungenzeka labo esebenikele ngezimpilo zabo kuJesu Kristu.

Kodwa kothi, ngelinye ilanga, njengombani uqhamuka empumalanga ushona entshonalanga, kuyoba njalo ukuza kweNdodana yoMuntu. Ngemva kwezinhlopheko, ilanga lofiphala, inyanga ingakhanyi, izinkanyezi ziqathake esibhakabhakeni, amandla eZulu ashukunyiswe. BESE isibonakaliso seNdodana yoMuntu sivele eZulwini, BESEKE zonke izizwe zikhala, bayibone iNdodana yoMuntu iza ngamafu eZulu ngamandla nangenkazimulo enkulu. Uzothumela izingelosi Zakhe ngokukhala okukhulu kwecilongo, babuthela ndawonye bonke abantu abanikela ngezimpilo zabo kuJesu Kristu. Bonke laba bayobuthwa kuyo yomine imimoya, ukusukela kolunye uhlangothi lwezulu kuya kwelinye.

Ukuthi lokhu kuyokwenzeka nini, akekho owaziyo. Ngisho nezingelosi ezulwini azazi ukuthi uJesu uyoza nini emhlabeni. Akekho owaziyo ukuthi uJesu Kristu uyobuya nini nguBaba kuphela.

“Ngakho-ke, nawe zilungiselele, ngoba iNdodana yoMuntu izofika ngesikhathi ongasilindele.”

Imibuzo

1. Wazalelwa kuliphi izwe uJesu?
2. Abazali bakaJesu basemhlabeni kwakungobani?
3. Yini eyaba yisimanga sokuza kukaJesu kokuqala emhlabeni?
4. Umprofethi uIsaya wathi uJesu wayezozalwa yintombi abizwe ngokuthi ngu Emanuweli, okusho ukuthi “_____?”
5. Ngesikhathi uJesu enabafundi entabeni yeMihlwathi, bambuza mbuzo muni?
6. UJesu wathi baqaphele bangakhohliswa ngobani?
7. Wathi abaningi bazofika bathi bangubani?
8. UJesu wabala izinto ezine ezazizokwenzeka emhlabeni wonke ngaphambi kokubuya kwakhe. Yiziphi lezizinto?
Iz _____, In _____, Iz _____,
uku _____.

9. UJesu wathi abalandeli bakhe bayohlukunyezwangoba bekholwa uKristu. Yiziphi ezinye izinto uJesu athi abantu bazozenza kwabanye?
10. UJesu wathi nhloboni yezinto ezazizokwenziwa ngabaprofethi bamanga zamandla ukuze kucishe kulingeke ngisho nabalandeli bakaJesu?
11. UJesu wathi ukubuya kwakhe kuyofana nani emkhathini?
12. Kokwenzekani elangeni, enyangeni, nezinkanyezi uma uJesu esebuya futhi?
13. Bayobe bekhalisani labo abayizingelosi uma beqoqa abalandeli bakaKristu?
14. Bayohlanganaphi abantu bakaNkulunkulu?
15. Ngubani okungukuphela kwakhe owaziyo ukuthi uJesu uzobuya nini?
16. Kudingeka mina ngenzenjani, uma umuntu enza izimanga ezingekho egameni likaJesu, ebe ethi ngezikaKristu?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 1 ngokukaMathewu 1, 24

1. Njengoba uJesu wafika okokuqala ezogcwalisa iziprofetho, Uzobuya futhi ngamandla nangenkazimulo. Ziningi izinkoloze, nabaprofethi bamanga, nabantu abaningi abathi banguNkulunkulu. Uma esebuya futhi uJesu akekho ozongabaza ngokuthi Ungubani. Lithi, iBhayibheli onke amadolo azoguqa nezilimi zonke zizovuma ukuthi uJesu uyiNkosi. Noma ngubani oza kithi athi ungumprofethi omusha, noma unkulunkulu ungumqambimanga.
2. Uyakubaqoqa abantu bakhe kusuka ekuqaleni kwezulu kuze kube sekupheleni kwalo.
 - ❖ UJesu wathembisa ukuza ngempela wafika. Uyethembisa ukuza futhi, ngempela uyoza. Uthembisa ukubaqoqa bonke abalandeli bakhe, ngempela uyokwenza.
 - ❖ Uma simcela uJesu ukuthi angene ezimpilweni zethu, uma simnika izinhliziyi zethu, Uyasethembisa ukuthi ngeke asilahle ngeke asishiye. Lokhu kusho ukuthi noma siyona

(sonke sokwenza) kodwa uNkulunkulu uyasigcina isithembiso kithi. Akukhathalekile ukuthi kwenzekani kithi, noma senzani, umasesinikele ngezimpilo zethu kuJesu, uyosisa ezulwini ngesikhathi esebuya somhlangabeza emafwini.

3. Abantu bakaNkulunkulu bayohlukunyezwa ngenxa yokumlandela.

IBhayibheli Ifundisa ngokuthi uma umhlaba usuya ekupheleni, abantu bayoqhubeka kakhulu ngokona. Bayoba nenzondo kakhulu, babulale kakhulu, bakhaphelane kakhulu. IBhayibheli lithi abantu abaningi bayozonda labo abalandela uJesu babadukise. Kungenzeka ukuthi usubatholile abantu abakuphatha kabi ngoba usube ngumlandeli kaJesu. Sebekushintshele kanjani abantu selokhu ucele uJesu ukuthi angene enhliziyweni yakho? Ingabe abanye abantu ngisho nabangani bakho, nabomndeni, sebekulahlele ngoba usunikele ngempilo yakho kuJesu?

IBhayibheli lisifundisa ukuthi masibathande lababantu (Mathewu 5:43-48). Masibathande nalabo abasizondayo nabasihlukumezayo. Sibathande sibathandazele. Yilendlela uJesu abaphatha ngayo labo abamhlukumeza bamlimaza bamkhaphela, ukuba umlandeli kaJesu ukulandela isibonelo sakhe sothando. IBhayibheli lisifundisa ukuthi kunesipesheli sesibusiso esibekelwe labo abahlukunyezwe ngenxa yokulandela uKristu. Empeleni iBhayibheli lithi masithokoze ngoba ngelinye ilanga siyozuza.

- Masivale ngomthandazo. Ake sixoxelane ukuthi yini okwenzekile selokhu samkele uKristu. Ngethemba ukuthi indaba emnandi, mhlawumbe kungabi njalo. Ukhona oseke wathwala nzima ngenxa yokwamukela uKristu? Masikhumbuleni ukumthandazela eqenjini.
- Ngaphambi kokuthi sithandaze, wonke ophethe incwajana (notebook) noma iphepha nepeni akuveze. Uma unencwajana bhala amagama amalungu eqembu eceleni kwephepha. Ngaphansi kwalelo nalelogama sizobhala izicelo zalelo

nalelogama lalowomuntu. Sikhumbule izicelo zalowo nalowo. Sibhale futhi uhla lwabantu esibaziyo ukuthi badinga ukukhetha iNkosi uJesu. Khulumisanani ngaloluhla ukuze sihlanganyele kanye nabangane bethu kulempi esiyilwayo ngalabo esibathandayo.

- Sisazophuma kuleliviki, masivume ukuthandazelana yonke imihla. Lencwajana ibeke ekamelweni lakho ungakalali noma uvuka ithathe bese ubathandazela.
- Masivaleni ngokubonga uNkulunkulu ngokwethembeka kwakhe ukugcina izethembiso. Simbonge ngokuza kwakhe emhlabeni okokuqala ezosisindisa ezonweni zethu, nangesethembiso sokuza kwakhe okwesibili. Asimcele ukuthi asisize ukuba sethembeke ukuthandazelana onke amalanga eviki.

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“UJesu’ Ukubalekela eGibhithe noMbhapathizo Wakhe” - Isifundo 2 ngokukaMathewu 2-3

“UJesu esebhapathiziwe, wakhuphuka masinyane emanzini; bheka, izulu lavuleka, wabona uMoya kaNkulunkulu ehla njengejuba, eza phezu kwakhe. Bheka, kwavela izwi ezulwini, lithi: Lo uyiNdodana yami ethandekayo engithokozile ngayo.” ngokukaMathewu 3:16-17.

Ukubukeza

1. Igama likamama kaJesu lalingu _____.
2. Umprofethi uIsaya wathi uJesu uzakuthiwa ngu Emanuweli, okungukuthi “uNkulunkulu _____.”
3. Entabeni yeMihlwathi ngesikhathi abafundi bakhe bembuza ngokubuya kwakhe, uJesu wathi baboqaphela bangadukiswa nga _____.
4. UJesu wathi baningi abayoza bezibiza nge _____.
5. UJesu wathi izinto ezibuhlungu ziyokwenzeka umhlaba wonke njenge, z _____, ind _____, nokuz _____.
6. UJesu wathi abalandeli bakhe bayohlushwa. Kungani? _____.
7. UJesu wathi ukuza kwakhe koba njengani emvelweni? _____.
8. Izingelosi zibabuthelaphi abantu bakaNkulunkulu? _____.
9. Ngubani okungukuphela kwakhe owaziyo ukuthi uJesu Kristu uzobuya nini? _____.

10. Kudingeka ngenze njani uma kukhona owenza imimangaliso engekho egameni likaJesu noma ezenza uKristu?
_____.
11. Kufanele ngizibone _____ uma kukhona ohlekisa ngami ngenxa kaKristu.
12. Labo abangiphathe kabi ngenxa kaKristu kufanele ngibaphathe _____.

UJesu wazalelwa eBethlehema wahlala lapho kwaze kwaba yisikhathi evakashelwa yizazi ezaziphuma empumalanga. Lezizazi zeza kwaIsrael zilandela inkanyezi. Sebefikile edolobheni lakwaJuda, baqalabaya kunhlokodolobha yakhona Jerusalem. Lapho baya enkosini uHerode, babuza ukuthi uphi lowo ozelwe oyiNkosi yamaJuda ngoba babonile inkanyezi Yakhe.

Wakhathazeka uHerode nomuzi wonke uma bezwa lezizindaba. UHerode wasethumela wabiza umhlangano ukuba bazomeluleka. Wababuza laba abayizazimthetho ukuthi kuthiwa iNkosi yayizozalelwaphi ngokwemibhalo. Bathi kuye iziprofetho zathi uMntwana wayezozalwa eBethlehema.

UHerodi wazitshela izazi ukuthi maziyephi. Bengakahambi wababuza ukuthi bayibone nini inkanyezi. Lokhu wayenzela isilinganiso sokuthi lowo mntwana usengakanani ngeminyaka.

Zaqhubeka izazi nohambo lwaseBethlehema, inkanyezi yabahola yaze yayobabeka phezu kwendlu lapho uJesu ayekhona. Zangena kuleyondlu zamkhonza, zamkhunga futhi ngeziphoo eziligugu: igolide imure nenhlaka. Bengakabuyeli emakhaya, baphupha iphupho livela kuNkulunkulu. Kwathiwa bangabe besahamba ngendlela abeze ngayo njengokusho kukaHerode. Baphindela emakhaya ngenye indlela.

NoJosefa naye waba nephupho livela eNkosini. Leliphupho lathi akabaleke noMariya nomntwana. Mabaye eGibhithe, bahlale iNkosi ize ibatshela. Wathelwa ukuthi uHerodi wayezozama ukubulala ingane. Lokhu kwakuzoba ukugcwaliseka kuTestamente Elidala ngesiprofetho esithi, “Ngayibiza iNdodana yami ukuthi iphume eGibhithe.”

UHerode waphuma ukuyobulala umntwana wesethembiso. Wabulala bonke abesilisa abaneminyaka emibili kuya phansi ababeseBethlehema nezindawo ezilizungezile.

Esefile uHerode, uJosefa waba nelinye iphupho elalithi makabuyele kwaIsrael. UJosefa wamlalela uNkulunkulu. Waya emzini wakwa Juda eGalile bahlala edolobheni laseNazaretha.

Kulezozinsuku, kwakunendoda enguMbhapathizi ethiwa nguJohane owayeshumayela ehlane laseJudiya. Wayeshumayela ethi, “Phendukani ngoba umbuso wezulu usondele.” UJohane wayegqoka ingubo ewuboya bekameli nebhande lesikhumba okhalweni. Wayedla izinkumbi noju lwezinyosi.

IJerusema, neJudiya lonke nangaseJordani umfula, baphuma baya kuye bafika babhapathizwa bevuma izono. Nabaningi kubaholi bezenkolo, abafarisi nabaSadusi babephuma ukuyomlalela ekhuluma. Lababantu uJohane wathi bayi, “Nzalo yeziNyoka,” ngoba babekholwa yinkolo yamasiko abo nenqubo yobunjalo babo ukuthi kuyobasindisa, bengakholwa ukuthi kufuneka baphenduke ezonweni.

Eshumayela uJohane uMbhapathizi, wakhuluma ngalowo owayezofika yena wayezobhapathiza ngoMoya oNgcwele nomlilo. Wathi lo Ozayo uzohlukanisa abantu, ezibuthela kuye labo abamethembayo kuthi laba abanye bashe ngomlilo ongacimekiyo.

Wafika uJesu evela eGalile eze kuJohane ukuthi ambhapathize. UJohane wazama ukwala, ngoba ezizwela engafanele. UJesu wagcizelela ukuthi akwenziwe ngoba efuna kugcwaliswe ukulunga.

Esebhaphathiziwe, uJesu waphuma masinyane emanzini. Wonke umuntu wabona isibhakabhaka sivuleka. UMoya oNgcwele wehlela phezu kwakhe njengejuba nezwi livela ezulwini lathi, “Lo uyiNdodana yami engithokozile ngayo.”

Imibuzo

1. Ngobani abeza ukuzobona uJesu bafika bamuphani?
2. Baqala bafikela kuliphi idolobha, baze bakhuluma nobani?
3. UNkulunkulu washolani kuJosefa ukuthi abaleke eGibithe?
4. Esefile uHerode uJosefa wayaphi?

5. Washumayela ekuphi uJohane uMbhapathizi?
6. Wayebukeka enjani?
7. Wayeshumayela ethini?
8. Bekwenzekani kulabo ababevuma izono?
9. Yingani uJohane ayethi abafarisi nabaFarisi “bayinzalo yezinyoka?”
10. UJohane wayeshumayela ngowayezofika owayemkhulu kunaye. Wathi Lo uzohlukanisa abantu bomhlaba. Kanjani?
11. Ubani owavela eGalile wazobhapathizwa nguJohane?
12. UJesu wagcizelela ukuthi uJohane ambhapathize noma uJohane azibona kungamfanele. UJesu wabeka sizathu sini?
13. Kwenzekani ngesikhathi uJesu ephuma emanzini?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 2 **ngokukaMathewu 2-3**

1. Singazizwela ubuhle bukaNkulunkulu ezimpilweni zethu uma simlalela ngokupheleleyo. UNkulunkulu watshela uJosefa ukuthi akenze izinto ayengeke azenze. Walalela uNkulunkulu washada noMariya noma, amthola esekhulelwe. Wamethemba uNkulunkulu, yize noma ukukhulelwa kwakhe kwakuyinto enzima ukuthi ayiqonde. Kwaphinda futhi sebhala eBethlehema uNkulunkulu wathi mabaye eGibithe. IGibithe kwakuyindawo yasezizweni lapho ababekhuluma olunye ulimi bephila impilo ehlukelele benjalo nje bekhonza izithixo. Loluhambo lwalungelula kumuntu ononkosikazi nengane encane. Kodwa wakhetha ukulalela. Ngokwenzenjalo yaphepha impilo kaJesu.

Njengoba uNkulunkulu wayenendlela ethile ngempilo kaJosefa, uNkulunkulu unendlela ethile yalowo nalowomuntu. IBhayibheli lithi ukusukela ngesikhathi siseseziswini zomama bethu wasazi yena wayesehlela indlela ethile ngathi. Uma sifuna ukuzwa okuhle kukaNkulunkulu ngathi ngezimpilo zethu nanezimpilo zabantwana bethu, kudingeka siyilalele imiyalo yakhe ngokukhulu ukucophelela. Lithi iBhayibheli uNkulunkulu ufisa ukukhuluma ezinhliziyweni zethu ngabanye bethu

ngesikhathi sithandaza sifunda iZwi lakhe. Ufuna ukusiholela empilweni eNgcwele ekuye. Ngezikhathi eziningi uNkulunkulu ukhuluma nathi ngqo ngesikhathi sithandaza sifunda iZwi lakhe. Usibonisa izinto ezicacile, isimo esicacile, nokuhlukanisa okucacile okudingeka sikhethe ngaphambi kokukhetha ukuthi uma isikhathi sesifikile sizokwenza njengoJosefa wenze njalo ukulalela uNkulunkulu noma isimo sasibukeka sinzima.

*Kukhona uNkulunkulu akukhuluma kuwe okuqondene nqo nempilo yakho? Ingabe kukhona lokhu athi kuguqule empilweni yakho, okubonakala kunzima ukuthi ungayishintsha. Uma kunjalo futhi uzizwela ukuthi ungakhuluma ngenkululeko, ungakhuluma neqembu lakho. Kulabo onabo bangasibhala lesisicelo phansi kwegama lakho kuyo incwajana yabo ukuze bakhumbule bakuthandazise yonke imihla evikini elilandelayo. UNkulunkulu uyafisa futhi uzokunika amandla ukuba ulalele izindlela zakhe empilweni yakho.

2. Engakabuyeli uJesu ezulwini, ngemuva kokuvuka kwakhe, wasinika sonke thina balandeli bakhe umyalo. Ake sibukeze amazwi okugcina kaJesu engakabuyeli ezulwini, “Hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhaphathize egameni likaYise neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginyale ngakho; bhekani mina nginani kuze kube sekupheleni.” Ngasekugcineni kwalesisifundo sizofunda ngokuphuma sitshela abanye ngoJesu. Kunomyalo okufuneka sonke siwenze, ukuhlonipha izwi lakhe. Kufuneka sibhaphathizwe egameni likaYise, eleNdodana nelikaMoya oNgcwele.

- ❖ Ukubhaphathizwa ukuthobela lokho okwenziwa nguKristu. Ukungena emanzini nomesabayo uNkulunkulu uvume ukungena ngaphansi kwamanzi okwesikhashana bese uyaphuma.
- ❖ UJesu akabhaphathizwanga engumntwana. Evangelini likaLuka sifunda ukuthi uJesu wasiwa ethempelini

engumntwana. Lapho umpristi wambusisa nabazali bakhe. Lokhu kwakungesiwo umbhaphathizo.

- ❖ Ukubhaphathizwa kwakhe wabe ezikhethele yena. Akusiyo into ayenzelwa ngabazali bakhe. Esibonelweni sikaKristu, sonke simelwe ukuziyela ngokwethu ukubhaphathizwa umuntu onaNkulunkulu.
- ❖ Lokhu akuphathelene nenqubo ethile yenkonzo futhi akusho ukuthi lokhu kuhlanza umphefumulo ezonweni. Lolu uphawu, lwasesidlangalaleni lokuzinikela ekumlandeleni uKristu. IBhayibheli lifundisa ukuthi umbhaphathizo yisithombe sokungcwatshwa nokuvuka kukaKristu. Uma sibhaphathizwa sizibandakanya ndawonye nokungcwatshwa nokuvuka kukaKristu.

*Ucabangani ngombhaphathizo? Ucabanga ukuthi kuyinto enzima ukubhaphathizwa njengesibonelo sikaKristu? Uyadinga ukubhaphathizwa? Uyafuna ukubhaphathizwa?

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukulingwa kukaKristu” – Isifundo 3 ngokukaMathewu 4

**“Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso kodwa ngamazwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”
ngokukaMathewu 4:4.**

Ukubukeza

1. Umprofethi uIsaya wathi uJesu uzothiwa uEmanuweli, okusho ukuthi uNkulunkulu _____.”
2. UJesu wathi uma esebuya emhlabeni kuyoba njengokunyazima ko _____.
3. UJesu wathi esebuya futhi emhlabeni, akekho oyodideka ngokuthi ngubani uKristu wangempela ngoba bonke bayombona eza nga _____ namandla nenkazimulo enkulu.
4. UJesu wathi engakabuyi, abaningi bayokwenza izibonakaliso benza sengathi banguKristu. Kufuneka siqaphele singa _____ yilabaprofethi bamanga.
5. UJesu uthi kufuneka si _____ uma abantu besihlupha ngenxa kaJesu Kristu ngoba ngeke silahlekelwe umvuzo wethu. Wathi lababantu sibaphathe _____.
6. UJesu uthi okunguyena owazi ukuthi uzobuya nini emhlabeni ngu _____.
7. Indoda ehlangane egama lingu _____ u _____ washumayela ivangeli lokuphenduka egqoka isikhumba sekameli edla izinkumbi.
8. Abaningi beza bazobhjadiswa nguJohane bevuma _____ zabo.
9. UJohane wathi uyeza ozohlukanisa abantu bomhlaba, nokuthi abangamfuni bayolahlwa e _____ ongacimiyo.

10. UJesu weza wacela uJohane ukuthi aka _____.
11. Ekubhjadisweni kukaJesu u _____ wehla njengejuba ne _____ lakhuluma livela ezulwini.
12. Emazwini okugcina kaJesu engakabuyeli ezulwini, watshela abafundi bakhe ukuthi ba _____ bonke abamukela uKristu njengeNkosi.
13. Kudingeka si _____ hayi ngoba ku _____ izono zethu, kodwa a kungumfuziselo wokuzifanisa no _____.
14. Ukubhathiswa kumele _____, _____ kukaJesu.

Ngemuva kombhathizo wakhe, uMoya oNgcwele waholela uJesu ehlangane lapho alingwa khona nguSathane. UJesu wahlala lapho izinsuku ezinga 40 nobusuku bakhona ezilile. Ngemuva kwalezizinsuku 40 walamba. Yiso lesisikhathi lapho uSathane eza kuye wathi, “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu yisho kulamatshe abe yisinkwa.” UJesu waphendula esebenzisa umbhalo otholwa eTestamenteni Elidala ethi, “Umuntu akanakuphila ngesinkwa kuphela kodwa ngamazwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

Ukusuka lapho uSathane wamusa eJerusalema, inhlokodolobha, phezulu esiqongweni sethempeli. Lapho wathi kuye: “Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, ziphonse phansi; ngokuba kulotshiwe ukuthi: ‘Uyakuyaleza izingelosi zakhe ngawe zikuthwale ngezandla, ungaze waqhuzuka etsheni ngonyawo lwakho.’” UJesu waphendula esebenzisa izwi eliseBhayibhelini elithi, “ungayilingi iNkosi uNkulunkulu wakho.”

Waphinda uSathane wamthatha wamusa entabeni ende kakhulu. Kuleyondawo bakwazi ukuthi babone indawo yonke nemibuso yomhlaba nenkazimulo yakhona. USathane wathi kuJesu, “Konke lokhu ngizakukunika khona, uma uziwisa phansi, ukhuleke kimi.” UJesu waphendula wathi, “Suka Sathane, ngoba kulotshiwe ukuthi: Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho, umkhonze yena yedwa.” USathane wamlalela uJesu wasuka wahamba. Zafika izingelosi zamdumisa.

Imibuzo

1. UMoya oNgcwele wamholelaphi uJesu ukuba alingwe?
2. Wenzani uJesu ku 40 wezinsuku ngaphambi kokulingwa nguSathane?
3. Ezilingweni ezimbili zokuqala, uSathane wafuna ukuthi uJesu aziveze ukuthi ungubani?
4. Esilingweni sokuqala, yini lena uSathane ayefuna amatshe awaphendulele khona?
5. UJesu wamnqoba kanjani uSathane esilingweni sokuqala?
6. Esilingweni sesibili, yini lena eyayifuna ukwenziwa nguSathane kuJesu aze amthathe amuse esiqongweni sethempeli eJerusalema?
7. UJesu wamnqoba kanjani uSathane esilingweni sesibili?
8. Esilingweni sesithathu, uSathane wethembisa ukunika uJesu yonke imibuzo yomhlaba uma nje uJesu ayengenza into eyodwa. USathane wayefuna ukuthi uJesu enzeni?
9. UJesu wamnqoba kanjani uSathane esilingweni sesithathu?
10. Ngobani abeza bamkhonza uJesu emva kokuba esexoshe uSathane?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 3 ngokukaMathewu 4

1. Sizoba nazo izilingo noma sesinikele ngezimpilo zethu kuKristu. Njengoba kwenza uKristu thina singeke senza njengaye siye ehlane ukuze silingwe. IBhayibheli lithi asilingwa uSathane kuphela kodwa nathi izinkanuko ziyasifaka ezilingweni (Jakobe 1:14). Lithi iBhayibheli kuba nempi ezinhliziyweni zethu eziphakathi kokwenza okuhle noma okubi. “Ngokuba engikwenzayo angikuqondi; ngokuba engikwenzayo akusikho lokho engikuthandayo; kodwa lokho engikuzondayo, yikho engikwenzayo...ngokuba okuhle engikuthandayo angikwenzi, kodwa okubi engingakuthandiyo lokho ngiyakwenza.” kwabaseRoma 7:15, 19

2. Ukulingwa uzoba nakho ngempela ngoba usunezimvelo ezimbili. Enye umoya wenyama enye uMoya kaNkulunkulu (uMoya oNgcwele) okuwe Gal. 5:16-17 kuthi, “Kepha ngithi: Hambani ngoMoya, khona aniyikufeza izinkanuko zenyama. Ngokuba inyama ikhanuka okuphambene noMoya, kepha uMoya ukhanuka okuphambene nenyama; ngokuba lezizinto ziyamelana, ukuze ningenzi lokho enikuthandayo.” Kuzoba nempi yemihlangemihla phakathi kwakho nentando kaNkulunkulu ezintweni ezinkulu nezincane zempilo.
3. Sinakho ukunqoba izilingo ngendlela uJesu anqoba ngayo ngamandla ezwi likaNkulunkulu. AmaHeberu 4:12 uthi, “Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile, linamandla, libukhali kunezinkemba zonke ezisika-nhlangothi zombili, lihlabane kuze kwalukaniswe umphemfumulo nomoya, amalungu nomnkantsha, lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyweni.” *Lifunde izikhashana lelivesi. Akubabuze onabo ukuthi bacabanga ukuthi lisho ukuthini lelivesi.*

Izwi likaNkulunkulu akusiyo nje incwadi yezeluleko. Amazwi aphilayo asetshenziswa nguNkulunkulu kithi ezinhliziyweni ngezindlela ezehlukene. Zigubha ekujuleni kwezindawo zemiphemfumulo yethu lezi uNkulunkulu azi ngazo.

Into esemqoka okufuneka wonke umlandeli ayenze ukuthi abe nesikhathi asinika uNkulunkulu naye onke amalanga, babe bobabili noBaba. USathane uzokwenza konke okusemandleni akhe ukuthi wena ungalifundi iZwi likaNkulunkulu ngoba uyazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lingumthombo wamandla ethu. Uzositshela ukuthi asinasikhathi; vele sesenza izifundo zeBhayibheli; siyozela; ngeke usezwa ukuthi iBhayibheli lithini, nezinye izizathu eziningi. Kodwa lemicabango kufuneka siyazi ukuthi ivela kubani: AMANGA. Kufuneka kube semqoka ukuthi NJALO NGOSUKU sithandaze sifunde iZwi likaNkulunkulu.

Nansi indlela elula ongayilandela:

1. Qala isikhathi sakho wedwa noBaba umtshela ukuthi umthanda kangakanani, umdumise ngazo zonke izimangaliso ayizo.
2. Mbonge ngezinto akwenzele zona empilweni yakho, nezimpendulo zomkhuleko.

*Kungakuhle uma unganendawo encwadini yakho lapho uzobhala indawo “Yokubonga” ubhale lezozinto uNkulunkulu azenzayo empilweni yakho, ubhale nosuku. Ngalokho unakho ukugcina izinto uNkulunkulu akwenzela zona empilweni yakho.

3. Thandazela abanye: abantu onabo esifundweni seBhayibheli, umndeni wakho, abangane bakho, ikakhulukazi labo abangakamazi uKristu, nezidingo eziphuthumayo. Uma unabantu abanengi ozobacelela, kodingeka wenze iphepha nosuku lweviki ulihlukanise.

kanje:

uMsombuluko
umama omncane
umalume Siphoh
uThandiwe
uVusi

uLwesibili
ugogo
umama
ubaba
umfundisi Gwala

*Kungasiza uma lokhu ningakwenza manje njengoba nise ndawonye. Ukuze wonke aqale esakhe isikhathi somthandazo engadingi ukwenza senahlukene.

4. Funda ucabangisise ngeZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli lisifundisa ukuthi akufuneki sifunde iBhayibheli njengoba sisuke sifunda ezinye izincwadi, kodwa kufuneka sizindle ngalo. Lokhu kusho ukuthi:

- ◆ Lifunde ungasheshi.

- ◆ Lifunde uliphindaphinda uzindla ngokushiwo ngamazwi kungathatha isikhashana ngaphambi kokuthi sizwe ukuthi uNkulunkulu uthini.
- ◆ Faka igama lakho eqinisweni leZwi ngendlela elisho ngayo. Kanje, uma ivesi lithi, “Hlonipha uyihlo nonyoko.” Kuwe lithi, “Christy, hlonipha uyihlo nonyoko”.
- ◆ Lithandazele lelizwi liphindisele kuBaba uNkulunkulu umbonge ngezibusiso zakhe bese um cela ngezidingo onazo. Kanje, ngiyabonga Baba wami oseZulwini ohlangabezana nezidingo zami wena olapha noma ubaba wami osemhlabeni engekho.”

IBhayibheli linamaqiniso kamoya amaningi lawa uBaba uNkulunkulu afuna ukusikeza wona ezimpilweni zethu manje. Nasi esinye isibonelo sokuzindla ngeZwi likaNkulunkulu.

*Ake siqale ngesahluko esiqale ngaso esandulela esanamuhla Mathewu 5. *Asime bese kuthi lowo nalowo abenesikhathi sokufunda amavesi amathathu okuqala noma amane. Uma Kukhona ongakwazi ukufunda, oholayo kufuneka awafunde lamavesi awaphinde engachazi lutho.*

*Ake manje sizameni ukuqonda incazelo yalamavesi uma kungenzeka asifakeni amagama ethu kuwo amavesi. Ungesabi ukuvumela uMoya kaNkulunkulu ukuthi akhulume kuwe. Nasi isibonelo, akusiyo lena kuphela indlela engasebenza empilweni yomuntu. Lamazwi engiwabhalayo iNkosi yawakhuluma kimi ngisafunda lamavesi.

IVesi 3: “Babusisiwe abampofu emoyeni, ngokuba umbuso wezulu ungowabo.”

(Isibonelo sombhali “amaqiniso kaMoya”) Vs. 3 Ngibusisiwe uma ngimpofu emoyeni, ngoba umbuso wezulu ungowami. Nkosi; ngisize ngibe mpofu emoyeni. Angifuni ukuba yisiqhwaga, ukukhukhumala, noma ngigcwele owami umoya. Ngiyabonga Nkosi, ngomsebenzi ongenzela wona empilweni yami. Ngiyabonga,

Nkosi ngoba ngiyazi ngizodla uMbuso kaNkulunkulu ngingobusisekile impela.

IVesi 4: “Babusisiwe abakhalayo, ngokuba bayakududuzwa.”

(Isibonelo umbhali asitholayo “amaqiniso kaMoya”) Vs. 4
“Kunzima kimi ukucabanga ukuthi ngingabusiseka kanjani ngikhala, ngoba ukukhala isikhathi sosizi. Kodwa njengomlandeli kaKristu, ngiyacabanga ngoba ngiyazi ukuthi ngibusisiwe ngokwempela. Ngoba likhona kithi ithemba esinokukholwa nguKristu. UNkulunkulu usinika ithemba lokhu kuyinduduzo impela. Nkosi ngiyabonga ngokuba ube ngumduduzi kimi uma ngisekukhaleni empilweni yami ngokushona kukamama. Ngiyabonga nangezikhonzi zakho ozibeke empilweni yami Baba uyinduduzo kimi ngisosizini. Ngibonga induduzo engiyithole kuMoya oNgcwele emphefumulweni wami. Yebo Nkosi, ngiyabonga ukuthi mina njengekholwa ngiyabusiseka um ngikhala. Ngiyakuthanda Nkosi ngoba uyanginakekela.

Ayikho enye indlela, awekho amanye amazwi abalulekile, noma enye indlela ephuthumayo. Okubalulekile ukuzindla ngeZwi likaNkulunkulu. Livumele ukuthi lizike emphefumulweni wakho. Uma livunguza empilweni yakho, uNkulunkulu uzokhuluma ezindaweni zakho ezijulileyo.

Uma uqhubeka kanje njalo, siba njengoKristu ngandlela zonke. Asigcini ngokunqoba isilingo kuphela, kodwa sikhombisa uthando bese senza ngendlela yobuNkulunkulu empilweni yethu yonke. Ukumazi uNkulunkulu siqu kungukhiye wokunqoba kwempilo yobuKristu.

*Ngikucebisa ngokuthi uhlukanise inxenye yokugcina encwadini yakho. Lena yingxenye yokuthandaza buthule. Bhala usuku njalo uma ufunda iBhayibheli, ubhale iqiniso noma elilodwa uNkulunkulu akuvezela lona. Koba lula ukuzindla ngeZwi uma ubhala phansi imicabango yakho, futhi okungabakuhle uma usubukeza funda

lezozinto iNkosi ekhulume ngazo kuwe enhliziyweni. Lokhu isikhathi esibalulekile senu nobabili neNkosi.

*Ngiyakumema ukuthi wena neqembu lakho nizibophezele ukuthi iviki elilodwa, nizothembeka ukuthi nichithe imizuzu engu 15 noBaba yonke imihla. Uma kungenzeka, bhala okukodwa ngosuku lokho iNkosi ekukhulume kuwe. Uma ungakwazi ukufunda, zama ukuthola ozokufundela mhlawumbe ivesi elilodwa ngosuku kuleliviki elizayo ubone ukuthi kuzokwenzekani uma iZwi likaNkulunkulu ulivumela ukuthi lingene enhliziyweni yakho, yonke imihla.

*Sonke masiqhubeka sifunde lesisahluko esisiqalile. Akukho ukujaha ngokuqeda isahluko ngosuku. Uma usuqedile ukufunda lesosahluko qhubeka nesinye nesinye. Ngesonto elizayo, uma sibuya socobelelana ngesikuzuzile sisazindla ngeZwi likaNkulunkulu.

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukuxosha Ukwesaba Kubadwebi baBantu” –

Isifundo 4 **ngokukaMathewu 4-8**

“Wayesethi kubo: ‘Nesabelani nina bokukholwa okuncane na?’

Khona wavuka wakhuza umoya nolwandle, kwabakhona ukuthula okukhulu.” ngokukaMathewu 8:26

*Njengomholi, khumbula ukubuza eqenjini ukuthi babenakho yini ukufunda iBhayibheli nokuthandaza yonke imihla. Banike ngabanye ithuba lokufakaza. Bakhuthaze.

*Ngenxa yohlobo lwesifundo saleliviki, kubalulekile ukuthi iqembu libe nesikhathi sokuthandaza kanye nezicelo ekuqaleni kokufunda hhayi ekupheleni kwesifundo.

Ukubukeza

1. Umprofethi uIsaya wathi uJesu uyakuthiwa ngu Emanuweli, okungukuthi, “uNkulunkulu _____.”
2. Entabeni yeMihlwathi ngesikhathi uJesu efundisa ngokubuya kwakhe kwesibili, wabaqaphelisa ukuthi banga _____ ngaba profethi bamanga noma abantu abazibiza ngoKristu noma ngabe benza imilingo enjani.
3. UJesu wathi uma esebuya emhlabeni bonke bayakumbona eza nga _____ nangamandla nenkazimulo.
4. UJesu wathi munye owazi ukuthi uzobuya nini emhlabeni ngu _____.
5. UJohane umbhaphathi wabhaphathiza abaningi ehlane labo abaphenduka e _____ zabo.

6. Engakenyuki uJesu ukuya ezulwini, wabayala bonke abafundi bakhe ukuthi ba _____.
7. UJohane wathi uyeza lowo ozohlukanisa umhlaba nokuthi labo abangamvumanga bayophonswa e _____.
8. Kuzo izilingo ezimbili zokuqala zikaJesu, uSathane wazama ukumenzisa imilingo eyayizoveza ukuthi uyi _____.
9. Esilingweni sesithathu, uSathane wathi uJesu akakhothame am _____.
10. UJesu waphendula uSathane izikhathi ezintathu esebenzisa _____ lika _____.
11. Uma sifuna ukumazi kangcono uNkulunkulu, kudingekile ukuthi sichithe _____ naye yonke imihla.
12. Yiziphi izimvelo ezimbili lapho kuwe ezilwayo? Umoya ka _____ nomoya we _____.
13. Uma sifuna ukunqoba isilingo, kudingekile ukuthi sibe nesikhathi _____ yonke imihla.
14. Uma sifuna ukuba njengoKristu, kudingekile ukuthi sibe nesikhathi naye no _____.

UJesu waqala ukushumayela esebuya ehlane. Wahlala endaweni engasolwandle lwaseGalile, wahlala emzini waseKapenawume. Washumayela kulendawo intshumayelo eyashumayelwa nguJohane uMbhaphathi, “Phendukani ngokuba umbuso wezulu usondele.”

Abafundi ababili bokuqala kwakunguPetro noAndriya. Laba bobabili babedweba izinhlanzi olwandle lwaseGalile bezama ukubamba izinhlanzi. UJesu wababiza wathi, “Ngilandeleni, ngizonenza abadobi babantu.”

Ukusuka lapho wahamba waze wafika endodeni ethile inamadodana amabili, ababehlezi esikebheni sabo bethunga amanetha. Wabiza amadodana amabili ukuthi amlandele. Amagama abo kwakunguJohane noJakobe uyise kunguZebedewu.

UJesu wahamba kuyo yonke lendawo efundisa emasinagogeni, eshumayela ivangeli lombuso ephilisa yonke inhlobo yesifo. Waduma kwaze kwezwakala nakumazwe angomakhelwane eSiriya babeza bezophiliswa Nguye.

Ebona uJesu ukuthi bonke lababantu bayamlandela wathatha abafundi bakhe baya entabeni. Lapho wahlala phansi ebafundisa ngezinto eziningi ngombuso kaNkulunkulu.

Abantu balalela imfundiso kaJesu bamangala ngamandla ayenawo. Akekho owayeke wabonwa enamandla angaka emasinagogeni.

Esehla uJesu entabeni, isixuku sasesilinde ukumlandela nomaphi. Omunye owayenobulephero wacela uJesu ukuthi amhlambulule esifweni sakhe. Masinya indoda yelashwa. Omunye ongumRoma olisosha wacela uJesu ukuthi amphilisele isisebenzi sakhe, uJesu wasiphilisa.

UJesu waya emzini kaPetro kunomkhwekazi kaPetro owayephethwe umkhuhlane egula kakhulu. UJesu wamthinta isandla waphila. Wasukuma wabakhonza bonke endleni.

UJesu wahlala lobo busuku ephilisa abagulayo ekhipha amadimoni. Kwathi uma ebona abantu belokhu bezile, wathi kubafundi bakhe abawelele ngale kolwandle lwaseGalile.

Kwase kusebusuku ngesikhathi bengena esikebheni beya ngaphesheya. Bese phakathi nolwandle ulwandle lwavunguza kakhulu amanzi aguqumbela isikebhe ngamagagasi. Abafundi abanye babo babengabadwebi, bebona okwenzekayo bazi nengozi yakhona, besaba kakhulu. Ngaleso sikhathi uJesu wayelele akazange avuke.

Abafundi bethukile, bavusa uJesu bethi, “Nkosi sisindise siyafa! UJesu waphendula wathi. Nesabelani nina bokukholwa okuncane?” Wasukuma wakhuluma nomoya nolwandle kwase kuba nokuthula. Abafundi bamangala bathi, “ngubani lo, olalelwa umoya nolwandle.”

Imibuzo

1. Zindaba zini ezazishunyayelwa uJesu kubantu?
2. Kwakungobani amagama abafundi ababili abokuqala bakaJesu?
3. Kwakuyini umsebenzi walaba bafundi?
4. Yini eyayenza abafundi bafune kangaka ukubona uJesu?
5. Yini eyenza abalandeli bakaJesu bamangala ngendlela ayeshumayela ngayo entabeni?

6. Esehle entabeni uJesu, waphilisa umuntu owayenesifo kwaku sifo sini?
7. Wayesephilisa isisebenzi sesotsha elingumRoma. Kwakwenzenjani kulesisebenzi?
8. UJesu waphilisa isihlobo sikaPetro. Wayeyisohlobo sini?
9. Yini eyenza uJesu awele ulwandle lwaseGalile?
10. Wenzenjani uJesu emkhunjini?
11. Babesabelani abafundi?
12. Wabathethiselani abafundi uJesu?
13. Bavele benzenjani abafundi uma bebona lokhu uJesu ayekwenza?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 4 **ngokukaMathewu 4-8**

1. UJesu usibiza sonke ukuba sibe”ngabadobi babantu.”
Inkululeko esinayo kuKristu yile uJesu athi asiyiphe nabanye ezweni lonke nomakhelwane. Kwaku amazwi akhe okugcina kubalandeli bakhe ngaphambi kokubuyela kwakhe ezulwini. Evikini lokugcina lokufunda sizofunda ukuthi singacobelelana kanjani ngokukholwa nguJesu ngokucacileyo. Nokho iningi lethu liyesaba nokuqala ingxoxo ngoJesu, kwabanye. Siyaye sicabange sithi, “Ngiyini mina ngivele nginje, ngingenza kanjani ukuthi balandele uJesu? Noma bengingakwenza, kodwa ngihlala endaweni encane emhlabeni, pho uJesu angalindela kanjani ukuthi senze umehluko kwezinye izindawo zomhlaba?”

IBhayibheli lisifundisa ukuthi noma ngabe singamaciko angakanani asikwazi ukwenza ukuthi abantu bamlandele uKristu. Mhla sinikela izinhliziyi zethu kuKristu, akekho umuntu owasichukumisa, kodwa ubukhona bukaMoya oNgcwele kaNkulunkulu wasithinta ukuthi siphenduke. NgokukaJohane 16:8 kuthi, “Lapho esefikile yena, uyakuqondisa izwe ngesono, nangokulunga, nangokwahlulela.”

Umsebenzi wethu njengadobi babantu ukuba siphonse inetha lezimpilo zethu singenise zonke izinhlanzi lezo uMoya oNgcwele aziletha kithi.

Esinye sezinyathelo zokukhuluma ngenkolo yethukuKristu kwabanye ukuthi sifakaze ngalokho uKristu akwenzile ezimpilweni zethu. Loluhlobo kuyaye kuthiwe “ukufakaza.” Igama elithi “ukufakaza” yigama elisetshenziswa ezinkantolo zemithetho. Ofakazi bafakaza ngalokho abakwazi ukuthi kuyiqiniso, izinto abazibonile. Abantu bangasho khona ukuthi uyahlanya, ungeke wethenjwa ebufakazini, kodwa ngeke bakuphika okuzwile. Nakhu okufuneka sikwenze kanye kanye.

- Wonke umuntu akacabange emuva ukuthi impilo yakhe yayinjani engakamazi uKristu.
- Cabanga ukuthi waqala ukumuzwa kanjani uKristu.
- Cabanga ngendlela uMoya oNgcwele athinta ngayo inhliziyi yakho, wabe sewazi ukuthi uJesu unguNkulunkulu futhi uyamdinga empilweni yakho.
- Cabanga ngesinqumo sakho sokunikela impilo yakho kuKristu.
- Okokugcina cabanga ngomehluko osewenziwe uKristu empilweni yakho.
- Uma ususitholile isikhathi sokucubungula lokhu engqondweni yakho, masizungeze lesisiyongi sethu kube yilowo nalowo asho eyakhe imfakazo eqenjini.
KUBALULEKILE LOKHU UMUN TU ANGEQI
EMIZUZWINI EMITHATHU.

*Futhi sekuyisikhathi, njengeqembu ukuthi ninakekelane ngokuthandaza ngesikhathi sokuthula kuthandazelwe labo iNkosi esiveze isidingo sokuba bayamkele, mhlawumbe kunalabo abasemsebenzini noma ezikoleni. Kungaba abomndeni abangakamamukeli uKristu. Thandazani ndawonye, nibathandazele. Yilowo nalowo makabhale phansi amagama

abiziwe lapha eqenjini. Umsebenzi weqembu ukuletha abantu kuKristu.

*Futhi masingakhohlwa nalabo abahlala kude nathi. Kungumsebenzi wethu ukuthi nabo sibathandazele.

**Kumholi - mhlawumbe wena noma umfundisi wakho uyazi ngesisebenzi seNkosi (missionary) esihlala kwelinye izwe, Yini wena neqembu ningasithandazeli sona nomndeni waso nalabo ashumayela kubo. Lokhu kwenzeni masonto onke ngesikhathi sesifundo seBhayibheli. Cela omunye ambhalele ukuze ezwe nezicelo zakhe. Thandazani neqembu nizame ukuhambisa Izindaba Ezinhle zikaJesu kubantu abakude kuwo wonke umhlaba. Yimani nixoxe ngakho lokhu ngaphambi kokudlulela esifundweni esilandelayo.*

2. UJesu wabathethisa abafundi ngoba bamvusa ukuze athulise isiphepho, ngenxa yokuthi babesaba. Abafundi basibuka isiphepho. Babezejwayele izeziphepho kodwa lesi basibona ukuthi siyingozi. Ababengakakujwayeli amandla kaNkulunkulu ezimpilweni zabo. Babengakakuqondi ukuthi uNkulunkulu mkhulu kunesiphepho ezimpilweni zabo nokuthi wayehleli nabo esikebheni.

Nginendodakazi enonyaka nesigamu esiqala ukubheka izinto zonke ezimzungezile. Igijima izungeze indlu, ivula amashelufu, idonse amapani namabhodwe nakho konke izandla zakhe ezikutholayo. Ngelinye ilanga sasisemzini womunye umngane, sidla ukudla kwakusihlwa, yayidlala phansi endaweni yokudlela ngesikhathi sidla kwaze kwaqhamukainja yakhona emnyama yeza lapho kudlelwa khona. Indodakazi yami yayigijima kakhulu iza kimi imemeza ithi, “mama” ngamthatha qede yakhululeka ezandleni zami. Ngani? Ngoba wayazi ukuthi ngiyamthanda, wayengethemba ngokuthi ngizomnakekela.

Kwaba umzuzwana lapho akhululeka ngokupheleleyo kangangoba waze welula isandla sakhe wayithintainja.

Singabantwana bakaNkulunkulu ngesikhathi simnika uqobo lwethu. Ungumvikeli wethu. Uyisiphephelo sethu nesabantwana bethu. Uyasithanda ngakho ekwesabeni kwethu kufuneka sibalekele kuye. Ezandleni Zakhe uxosha ukwesaba. Akukho ukwesaba uma siphila impilo yethu imihla ngemihla phansi kwamaphiko akhe ngokumlalela uJesu Kristu.

Kwakukhona indoda eBhayibhelini Elidala eyayinguDavide. Wadlula ezindaweni eziningi ezazinzima ngoba indoda eyayi inkosi uSawule yayifuna ukumbulala. UDavide esefunda amaqiniso amaningi ngoNkulunkulu esondela eduze kwakhe wabhala izinkondlo eziningi okwakuthiwa “AmaHubo” Lezi yizinkondlo ezigququzelwe nguNkulunkulu ukuze kufundiswe ngoNkulunkulu. Zingu 150 azibhalwanga zonke uDavide, kodwa ziyatholakala eTestamenteni Elidala. Wabhala izinkondlo ezimbalwa ngokwesaba, kodwa kukhona le engiyikhethile ukuthi ngiyifunde nani sizindle ngayo kuleliviki – AmaHubo 27 ifunde ngesikhathi somkhuleko wakho kuleliviki. Uma ungenalo iBhayibheli elidala sengivele ngikubhalele leliHubo likhona lapha. Cela uNkulunkulu ukuthi akufundise ukubeka phansi ukwesaba ugibele ezandleni zakhe zothando nokuphepha.

*Vala leliviki ngomthandazo, kodwa yiba nomngane ikakhulukazi wobulili obufanayo. Xoxani ngezinto enizesabayo ezimpilweni zenu. Bese nithandazelana ngakho lokhu kwesaba nikubeke kucace kuNkulunkulu. Celani uNkulunkulu asuse ukwesaba afake ukholo lwakhe. Mtshela ngesifiso sakho sokumethemba nangalezozinto ezesabekayo.

AmaHubo 27

UJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami; ngizokwesaba bani na? UJehova uyinqaba yokuphila kwami; ngizakuba-novalo ngobani na? Ekusondeleni kwababi ukuba badle inyama yami abamelene nami nezitha zami, bayakhubeka, bawe. Noma impi imisa ngakimi, inhliziyo yami ayesabi; noma ngivukelwa ngukulwa, nokho nginethemba. Kunye engikucela kuJehova, ngiyakufuna khona: ukuba ngihlale endlini kaJehova izinsuku zonke zokuphila kwami ukubona ubuhle bukaJehova, ngibuke ithempeli lakhe. Ngokuba uyangithukusa edokodweni lakhe, ngosuku lokuhlupheka, angicashise ekusithekeni kwetende lakhe, angiphakamisele edwaleni. Nakalokhu ikhanda lami lizakuphakama ngaphezu kwezitha zami ezingihaqileyo; ngizakunikela iminikelo yokwethaba etendeni lakhe, ngihlabelele, ngidumise uJehova ngogubhu.

Yizwa, Jehova, ngikhala ngezwi elikhulu; yiba-nomusa kimi, ungiphendule. Kuwena othi: Funani ubuso bami, inhliziyo yami ithi: Ubuso bakho, Jehova, ngiyabufuna. Ungafihli ubuso bakho kimi, ungaxoshi inceku yakho ngokuthukuthela; wena ulusizo lwami, ungangilahli ungangishiyi, Nkulunkulu wensindiso yami. Ngokuba ubaba wami nomame bangishiyile, kodwa uJehova uzakungamukela. Ngifundise indlela yakho, Jehova, ungihole endleleni ekhanyayo, ngenxa yezitha zami. Unganginikeli entandweni yezitha zami; ngokuba ofakazi bamanga bangivukele kanye nabafutha ukudlozomela. Yeka, uma bengingathembanga ukubona okuhle kukaJehova ezweni labaphilayo! Lindela uJehova, uqine, inhliziyo yakho ime isibindi; yebo, lindela uJehova.

UKUQALA KWEMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Uthando –Kusho Intshumayelo kaKristu Emhlabeni”-Isifundo 5 ngokukaMathewu 8-10

“Kepha ebona isixuku, waba-nesihe ngazo, ngokuba zazikhathazekile, zihlakazekile njengezimvu ezingenamalusi.” ngokukaMathewu 9:36

**Ngaphambi kokuba siqale lesisifundo, ake sibheke ukuthi bangaki ababeke baba nesikhathi baba bodwa noKristu. Kubalulekile ukuthi ungaxeki, kodwa ube nothando khuthazanani ukuthi nihlale eZwini likaNkulunkulu zonke izinsuku. Bacele ukuthi baqhubeke nokufunda incwadi kaMathewu ize iphele. Buza ukuthi ingabe babebathandazela yini labobantu abadinga uKristu. Ubone ukuthi akekho yini ofuna ukwethula ubufakazi beviki.*

Ukubukeza

1. Umprofethi uSaya wathi uJesu uyakuthiwa ngu Emanuweli okusho ukuthi “uNkulunkulu _____.”
2. UJesu wathi uma esebuyela emhlabeni, wonke umuntu uzokumbona eza _____ enkulu namandla nobukhosi.
3. UJesu wathi akekho owaziyo ukuthi wobuya nini ngaphandle ku _____.
4. UJohane wabhaphathiza abaningi ehlane abaphenduka _____ zabo.

5. UJohane wathi uyeza yena oyokwahlukanisa abantu emhlabeni, baze bathi labo abamphikayo balahlelwe e _____, ongacimiyo.
6. UJesu waphendula uSathane izikhathi ezintathu esebenzisa _____ likaNkulunkulu.
7. Uma sifuna ukusondela kuNkulunkulu kufuneka sibe nesikhathi sakhe _____.
8. UJesu wasibizela ukuthi sibe ngu _____ kwabantu.
9. UJesu wayenzani ngesikhathi kunesivunguvungu?

10. Yini eyenza abafundi basabe?

11. UJesu wathethisa abafundi bakhe ngoba be _____ abazange bamthembe.
12. IBhayibheli lisifundisa ukuthi uma sihlala ngaphansi kwamaphiko kaKristu okuvikeleka akudingi sibe _____.

Sebewelile ulwandle lwaseGalile ngemuva kwesivunguvungu, uJesu nabafundi bafika ngaphesheya kolwandle, yilapho-ke abona khona amadoda amabili ekhwelwe amadimoni. Lamadoda ayenodlame ehlala emathuneni. Masinya enye yawo yamemeza uJesu yathi, “Sinani nawe, Jesu, Ndodana kaNkulunkulu? Uze ukusishushisa singakafiki isikhathi na?”

Buqamama nalapho ababekhona kwakunomhlambi wezingulube eduze nogu lolwandle. Amadimoni amncenga uJesu ukuthi uma ewakhipha ebantwini kuncono aye ezingulubeni. UJesu wavuma wathi “Mawahambe!” Izingulube sezingeniwe ngamadimoni, zagijima zaziphonsa olwandle zafa.

Abelusi baya emzini babika okwenzekile kubantu nasezingulubeni. Beza abanikazi bazocela uJesu ukuthi akahambe. UJesu wagibela esikebheni wabuyela eGalile.

Esebuyele eGalile, “owayefe uhlangothi” walethwa kuJesu. UJesu wamphilisa waze wamthethelela izono zakhe. Ababekhona bamangala baze badumisa uNkulunkulu, kodwa abaFarisi bathi uyahlambalaza.

Ukusuka lapho, uJesu wabona umthelisi uMathewu. Wathi akamlandele, masinyane wakwenza lokho. UJesu wayokudla naye nabanye abathelisi nabanye ababengalungile endaweni. AbaFarisi bebona abantu ababedla noJesu, babuza abafundi bakaJesu ukuthi wayekwenzelani lokhu. UJesu wabaphendula ethi, “Ngifuna isihawu, hhayi umhlatshelo.”

Ukusuka lapho uJesu wahambela yonke inhlobo yabantu. Kwakukhona umuntu owayebusa phakathi kwabantu bakhe. Lendoda yayinendodakazi isishonile. UJesu waya esililweni, wafika wabamba isandla sentombazane yavuka.

Wavula amehlo ezimpumpethe ezimbili ezazimlandela zicela usizo. Wathukulula isithulu nesasikhwelwe amadimoni. Wawakhipha amadimoni yasinda indoda.

UJesu wazibona izidingo eziningi zabantu wagcwala isihawu. Izidingo zazinzima. Abantu babenjengezimvu ezingenameli. Wathi kubafundi bakhe, “Ukuvuna kukhulu, kodwa abavuni bayingcosana. Ngakho thandazelani ukuthi iNkosi yokuvuna ithume izisebenzi ziye ekuvuneni kwayo.”

Wayesebathuma abafundi bakhe kulo lonke elakwaIsrael. Wabanika amandla okuhlangabezana nazo zonke izidingo zabantu. Injongo kwakungukucobelelana nokuveza uthando lwakhe. Wabanika umyalelo othe nqo kulabo ababezozimisela ukulalela Izindaba Ezinhle zikaKristu. Wathi uma bethola abantu abanje, bazobashiyela ukuthula kukaNkulunkulu ekhaya lalowo. Kodwa wabaqaphelisa ukuthi bazohlangana nabaningi abazonqaba ukubalalela.

Wathi kubo, “Nginithuma njengezimvu phakathi kwezimpisi. Ngakho hlakaniphani njengezinyoka nibe mnene njengamajuba.” Wathi bangakhathazeki ngezimpilo zabo. Ngoba uBaba owazi ngisho inani lezinwele ekhanda nguyena osikhathalelayo nesiyigugu kuye.

Wagcina ngokuthi bengakahambi, “Oyonika laba abancinyane inkomishi yamanzi ngegama lomfundi, ngiqinisele, ngithi kini, ngeke alahlekelwe umvuzo wakhe.”

Imibuzo

1. Sebewelile kade kunesivunguvungu uJesu wabona obani?
2. Yini eyayonakele kulamadoda amabili?
3. Wabenzani uJesu?
4. Zaziphonselani izingulube olwandle?
5. Abantu bendawo bamcelelani uJesu ukuthi ahambe?
6. UJesu wemenzenjani owayefe uhlangothi?
7. Kungani abaFarisi bathi uJesu uyethuka?
8. Kwakungubani igama lomthelisi owabizwa nguJesu?
9. Kungani abaFarisi babemsola uJesu ngesikhathi edla nalaba kulendawo?
10. Wathini uJesu kulaba?
11. Wenzani uJesu endodakazini yombusi?
12. Wenzani uJesu kumadoda ayeyizimpumpethe?
13. wayiphilisa kanjani uJesu indoda eyayingakhulumi?
14. UJesu wathi abafundi bakhe abahambe bayokwenzani?
15. UJesu wathi kubafundi bakhe mabahlakaniphe nje _____ babemnene njenga _____.
16. Wathi bangakhathazeki ngani?
17. Wathi uNkulunkulu wazi ngisho inani _____ esinazo.
18. Wathi uma abantu bengaphuzisa abathile ngenkomishi yamanzi ngeke balahlekelwa umvuzo wabo. Wayesho baphi bona abantu?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 5 **ngokukaMathewu 8-10**

1. UJesu unakekela umuntu ngamunye. Unakekela abakhwelwe ngamadimoni, abagulayo, abampofu, abacebile, ikakhulukazi abantwana. Wonke umuntu ubalulekile uyinto enkulu embusweni kaNkulunkulu.
2. Abantu ababanakekeli abanye ngaso sonke isikhathi. Ngesenzo esenzeka ngamadoda ayephethwe amadimoni, abantu bendawo bathukuthela ngezingulube zabo kangangoba bacela ukuthi uJesu ahambe. Ababanganandaba ukuthi uJesu

wabasiza kanjani abantu. Bakhathazwa ukulahlekelwa ngumnotho. Kulula ukukhonza imali ngaphezu kwabantu. Ngeshwa abanengi bethu bayawela kulesisilingo. 1 kuThimothewu 6:10 kuthi, “Ngokuba ukuthanda imali kuyimpande yakho konke okubi, abanye ngokuyifisa badukelwa ukukholwa, bazigwaza ngeminjunju eminingi.” Khumbula amazwi akhulunywa nguJesu kuMathewu 6:19-21 lapho ethi, “Ningazibekeli ingcebo emhlabeni, lapho kona inundu nokugqwala, nalapho amasela efohla khona, ebe. Kepha zibekelani ingcebo ezulwini, lapho kungoni inundu nokugqwala nalapho amasela engafohli khona, ebe. Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho, nenhliziyo yakho iyakuba-khona lapho.” Imali inamandla. Ingasibusa, noma singayinikela kuNkulunkulu bese esibusa Yena.

- Cabanga, ngiyisebenzisa kanjani imali yami iviki lonke? Kungakuhle ubhale phansi.
- Buza umbuzo, ingabe ngiyamdumisa yini uJesu ngendlela engisebenzisa ngayo imali yami?
- Ingabe ngithenga izinto ezizoletha ihlazo kuNkulunkulu? Ngiyabasiza yini abanye ngendlela engisebenzisa ngayo imali yami?

ITestamente Elidala, uNkulunkulu wadinga ukuthi wonke umuntu akhiphe okweshumi kwalokho ababenakho kuNkulunkulu. ETestamenteni Elisha sitshelwa ukunikela ngezimpilo zethu nakho konke esinakho kuNkulunkulu. Kodwa ngokwesiko, siye salandela iTestamente Elidala sakhipha okweshumi kwezimali zethu emsebenzini kaNkulunkulu nasebandleni. Lokhu kuthiwa okweshumi. Qala uthandaze manje, ngokuthi emalini yakho malini okufuneka uyinike uNkulunkulu ngomsebenzi wakhe? IBhayibheli lisifundisa ukuthi uNkulunkulu uyababusisa labo abanikela embusweni wakhe. IBhayibheli lithi uJesu uyazifeza izidingo zethu. Ungacabanga “Kodwa uNkulunkulu akazi ukuthi ngihlupheka kanjani?” UNkulunkulu akazi ukuthi nginesikweletu esingakanani? UJesu uyazazi izinkinga zabampofu, kodwa

usidinga sonke sithembekile silalela kukho konke, athi asikwenze. Cela iNkosi ukuthi ungaba yingxenye kanjani ekuxhaseni umsebenzi wayo.

3. Ukuba ngumlandeli kaKristu kusho ukuthatha isibonelo sakhe sokuthanda abanye njengoba enza. Yiqiniso ukuthi singebaphilise abantu njengoba uJesu enza, kodwa uJesu usaphilisa, elaphe abantu. Kufuneka sithembeke ekuthandazeleni abagulayo. Sihlale nabo sibabambe izandla ezikhathini zobuhlungu. Sibatshele ngothando kukaJesu. Sithandazele abakhwele amadimoni. Namanje uJesu usawakhipha amadimoni emhlabeni wonke ngomthandazo wabantu bakhe. Kufuneka sithandazele abadingayo senze esingabanakho ukubasiza, ikakhulukazi sibatshele ngothando lukaJesu Kristu olungaguquka izimpilo zabo ngaphakathi, sisize kakhulu abantwana. UJesu wabayala abafundi bakhe ngalezozinto, kodwa wabathembisa umvuzo labo abayosiza abantwana.
4. Abanye abantu akulula ukubathanda, kodwa uNkulunkulu ulindele ukuba sibe nomusa. Abathelisi kulezizinsuku babengathandeki ngezizathu ezazizwakala. Babesebenzela uhulumeni okhohlakele beqoqa izimali ebantwini abanye babo babethatha izimali ebantwini ngokweqile, bezithathela bona. Ukubonisa uthando kumuntu okuntshontshele akulula, ikakhulukazi uma lowomuntu engaphendukanga kukho konke okubi akwenzile. Kodwa uJesu usitshela ukuthi njengabalandeli Bakhe, asinalungelo lokwahlulela noma ngabe abakwenzayo kungekuhle. Umsebenzi wethu ukubathandazela sibathande sibakhombise iqiniso ngokuthethelela. Uma bephenduka ezonweni zabo bayozuza ukuthethelelwa kukaNkulunkulu ezonweni zabo. IBhayibheli lithi sonke siyizoni sidinga ukujeziswa. IBhayibheli lithi sesithole ukuthethelelwa nomusa nathi kufuneka sithethelele sibe nomusa noma lokhu kubonakala kunzima ukukwenza ngaphandle kwamandla kaNkulunkulu ezimpilweni zethu.

5. Izidingo zomhlaba zinkulu: asikwazi ukwenza lokhu sisodwa. Kunezigidi zabantu ezingakaze ziluzwe uthando lukaKristu. Kunezigidi zabantu ezingakaze zizwe uthando lwabanye abantu. Kunezigidi zabantu ezinganikela ngezimpilo zazo kuKristu uma kungabakhona abangazikhombisa, ukuze zizwe uthando lukaJesu. Kofuneka senze okusemandleni ethu futhi sithandaze ukuthi uNkulunkulu angaletha abanye abazoletha abantu abaningi balwazi uthando lukaNkulunkulu.
6. Ningakhombisa uthando lwenu kuNkulunkulu nakwabanye ngokunikela ngokweshumi emsebenzini kaNkulunkulu enkonzweni okuyo. UNkulunkulu usebenzisa ibandla ukuba ukuxazulula izinkinga, emoyeni nasempilweni. UNkulunkulu usebenzisa okweshumi kwakho ukufeza izidingo zenkonzo okuyo.

Imibuzo Exoxwayo

1. Yiziphi izindlela engingazisebenzisa emhlabeni ukukhombisa uthando lukaNkulunkulu?
2. Yiziphi izidingo ezinkulu zabantu abakanye nami? Bahlupheka kangakanani abantu laphe ngihlala khona?
3. Ngingafinyelela kanjani kubantu abahlukumezekile endaweni engikuyo?
4. Ngingalukhombisa kanjani uthando lukaNkulunkulu ikakhulu kubantwana?
5. Ngingenza kanjani ukuthi abantu ngibasize ngemali?
6. Ngiyamdumisa uNkulunkulu ngemali yami na?
7. Ngingababonisa kanjani labo enginabo umusa kaNkulunkulu?

**Yiso lesi isikhathi esihle eningaxoxa ngaso ngokuxhasa isithunywa sevangelu (missionary) esikwelinye izwe nithandazele iqembu elikwelinye izwe elingakaze lizwe ngothando lukaNkulunkulu.*

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Chrsty A. Brawner

“Ukukhaphela Nokuthethelela”-Isifundo 6 **ngokukaMathewu 21-27:10**

“Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi.” 1 kaJohane 1:9

Ukubukeza

1. Umprofethi uIsaya wathi uJesu uzokuthiwa ngu Emanuweli okusho ukuthi, “uNkulunkulu _____.”
2. UJesu wathi akekho owaziyo ukuthi uyobuya nini emhlabeni ngaphandle kuka _____.
3. UJohane wabhaphathisa abaningi ehlane abaphenduka e _____ zabo.
4. UJesu waphendula uSathane izikhathi ezintathu esebenzisa _____ likaNkulunkulu.
5. Uma sifuna ukukhula kuNkulunkulu, kumele sichithe isikhathi naye _____.
6. UJesu wasibiza ukuthi sibe ngabadobi _____.
7. UJesu waveza uthando lwakhe ebantwini ngoku _____ ezifweni zabo.
8. UJesu wathinteka kakhulu uma ebona abantu ngoba wazibona _____.
9. UJesu wathi kubalandeli bakhe mabaye kubantu, ngoba wazibona i _____ zabo eziningi.
10. UJesu wazi ngisho inani le _____ zethu emakhanda.
11. Wathi uma abantu bengapha ngisho inkomishana yamanzi kubantwana ngeke balahlekelwa yi _____ yabo.

12. UJesu wathi kubafundi bakhe esikebheni bange

UJesu wafundisa waphilisa abaningi endaweni yaseGalile kodwa abaningi abamamukelanga. UJesu wabachazela abafundi bakhe ukuthi nakho lokhu kwaba yindlela kaNkulunkulu ngoba efuna ukuvalela iqiniso kwabahlakaniphile alambulele abantwana. Safika isikhathi lapho ayeqaphelise abafundi bakhe, kwase kuyisikhathi sokuba aye eJerusalema eyothwala kanzima kubapristi nabanye bezenkolo, ukuthi ayobulawa kodwa abuye avuke kwabafuleyo.

Ukufika kwakhe eJerusalema kwaba nedumela elikhulu. Abantu bakaka isitaladi nhlangothi zombili bephonsa izingubo zabo namahlamvu (benza “ukhaphethi”) endleleni wokuthi ahambe phezu kwawo. Esahamba edlula eceleni kwabo egibele imbongolo abantu bamemeza bethi, “Hosiyana kuyo iNdodana kaDavide! Ubusisiwe ozayo egameni leNkosi. Hosiyana kweliphezulu!”

UJesu wahlala izinsuku eJerusalema efundisa ethempelini, eshumayela ephilisa nabantu abaningi. Kodwa enokuhilizisana nabaFarisi nabaSadusi.

UJuda Isikariyothi, omunye wabafundi bakaJesu waya kubapristi abakhulu wathembisa ukukhaphela uJesu kubo ukuze bamnike imali. Bamnika izinhlamvu ezingamashumi amathathu. Wazamkela.

Ngobusuku bePhasika elibalulekile labaJuda lonyaka. UJesu wahlala okokugcina nabafundi bakhe ekudleni. UJesu wathatha isinkwa wasihlephula wathi, “Thathani, nidle; lokhu kungumzimba wami.” Wabe esephakamisa isitsha sewayini, wabonga wathi, “phuzani nonke kuso. Leli igazi lami lesethembiso esisha, elichithekela abaningi ukuze bathethelelwe izono.”

Emva kokudla, bonke baya entabeni yemihlwathi. Lapha uJesu wabatshelela ukuthi bonke bayakukhubeka ngaye. UPetro yena waphikelela ngokuthi yena akasoze amshiya uJesu. UJesu wamtshela ukuthi lingakakhali iqhude uzobe esemphike kathathu.

Ukusuka lapho uJesu wahamba nabafundi bakhe baya eGetsemane. Ubusuku wabuchitha ethandaza. Waba lusizi

kwaze kwaba sekufeni Ngenxa yakho konke okwakwenzeka. Wabacela abafundi bakhe ukuthi bamkhulekise, kepha bonke balala. Bavuka sekufika uJudas ensimini ehamba nabapristi nalabo ababemlandile.

UJudas wafika waqabula uJesu lokhu kwakuluphawu lomkhaphela. Abapristi abakhulu bambamba uJesu baya naye emzini kaKheyifase owaye isikhulu ngalesosikhathi. Abafundi babaleka.

Ngesikhathi uJesu esendlini kaKheyifase emthethisa amacala enabanye abaholi, uPetro wayemi ngaphandle. Esahlezi, isisebenzi sentombazane seza kuye sathi, “Nawe ubunoJesu waseGalile,” uPetro waphika. Wayegudlukela esangweni lapho intombazane enye nayo yathi wayenoJesu. UPetro waphinda waphika kulokhu waze wafunga. Ngemva kwesikhashana beza nabanye bathi impela wayenoJesu. Kulokhu waphika wathuka ethi, “Ngempela angimazi lomuntu!” Masinyane lakhala iqhude, uPetro wakhumbula amazwi kaJesu entabeni yeMihlwathi. Waphuma wakhala kalusizi.

Sekusile, abapristi bamthatha uJesu bamusa kuPilatu ukuba abulawe. Esebonile uJudas ukuthi nangu usenqunyelwe ukufa, wazisola kakhulu wazama nokubuyisela imali ayithatha kubapristi. Wathi kubo, “Ngonile ngokukhaphela igazi elingenacala.” Bamphendula bathi, “pho thina senzeni? Zibonele!” “uJudas wayiphonsa phansi ethempelini imali, wasuka lapho wayozikhunga.”

Imibuzo

1. Uhlelo lukaNkulunkulu ukufihlela izazi nabazikhukhumezayo bese evezela obani?
2. Bamenze njani uJesu ngesikhathi engena eJerusalema?
3. Wayeyokwenzani uJudas kubapristi, bamnikelani amashumi amathathu esiliva?
4. Ngesikhathi sesidlo sokugcina sikaJesu nabafundi bakhe, wabatshelela ngesinkwa newayini ngokuthi kubalulekile. Kanjani?

5. UJesu wabatshela ukuthi kwakumele igazi lakhe lichitheke. Ngani?
6. Entabeni yemihlwathi uJesu wabatshela abafundi bakhe ukuthi babeyokhubeka. UPetro wakuphika lokhu. UJesu wabe esesho okuthile okwakuzokwenzeka kuPetro kwakuyini?
7. UJudas wenza siboniso sini sokukhaphela uJesu?
8. Wayekuphi uPetro ngesikhathi kugwetshwa uJesu?
9. Amantombazane amabili eza kuPetro ngezikhathi ezahlukenene. Athini kuye?
10. Okwesithathu nabanye bathi uPetro wayenoJesu. Wenzenjani uPetro kulababantu?
11. Wazisola nini uJudas ngokukhaphela uJesu?
12. Wabuyelelani uJudas kubapristi abakhulu?
13. Wenze njani uJudas uma abapristi bengavumi ukuthatha imali ayeyibuyisile uJudas?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 6
ngokukaMathewu 11-27:10

1. Ngesikhathi sesidlo sokucina sikaJesu nabafundi bakhe, wasungula isiko eseligcinwa yibo bonke abalandeli bakaKristu ukusuka kulesosikhathi kuze kube manje. Sithi lokhu Yisidlo seNkosi. Isidlo seNkosi akusiyo into eyisimanga semfihlo ezisusa izono noma kubekhona okungajwayelekile okwenzeka emzimbeni yethu. Akusikho ukuthi kuvele kujike isinkwa newayini kube yigazi nenyama. Yisikhathi lapho abalandeli bakaJesu bebuthana ndawonye, badle isinkwa, baphuze iwayini bakhumbule ukubethelwa kweNkosi yethu esiphambanweni. Yisikhathi sokukhumbula intengo uJesu ayikhipha ngenxa yezono zethu ezimpilweni zethu. Yisikhathi senjabulo nokubonga sijabula ndawonye ekuthethelelweni asithengela khona. 2 kwabaseKorinte 11:23-33 isifundisa ukuthi yisikhathi esibalulekile. Akusiyo into yokwenziwa kalula. Yisikhathi sokuzindla ngokunikelwa kwakhe engumhlatshelelo sizihlola thina ngalokho asenzele khona esiphambanweni.

2. UNkulunkulu uyakwazi ukwehluleka kwethu nangaphambi kokuthi senze, kodwa yilokhu esamkele ufuna ukusisebenzisa embusweni wakhe. Ukusukela ngesikhathi uJesu ebiza uPetru ukuba abengu “mdobi wabantu”, Wayazi ngalobubusuku ukuthi wayezomphika. Kodwa sisaqhubeka sifunda amaBhayibheli, sifunda eZenzweni ukuthi uNkulunkulu wasebenzisa uPetro ukuholela izinkulungwane zabantu kuKristu. Empeleni zimbili izincwadi eBhayibheli ezabhalwa nguPetro. Izenzo 2, simbona uPetro eshumayela eJerusalema phambi kwabo lababantu ayebesaba ngobusuku uJesu akhashelwa ngabo.

Kunjalo nakithina ukwehluleka kwethu akummangalisi uNkulunkulu. Noma sesimamukele uKristu, siyohamba sihluleka ezimpilweni zethu. Sizokona; sizomkhaphela; sizokwenza zona lezizinto esizizondayo.

3. Kufuneka senzeni uma sesehlulekile phambi kukaNkulunkulu?

Babili abamkhaphela uJesu ngalobobusuku. Omunye kwakunguPetro, indoda eyamkhaphela uKristu, okwahamba yasetshenziswa nguNkulunkulu. Omunye kwakunguJudas naye owamkhaphela kodwa-ke wazibulala. Abanye bakholwa ukuthi isizathu esenza ukuthi uPetro aphumelele kodwa uJudas ahluleke yingoba isono esenziwa nguJudas sasisikhulu. Yiphutha lelo. Akunjalo. IBhayibheli lisifundisa ukuthi SONKE sonile. Sonke siyamkhaphela uNkulunkulu ngakho sidinga ukujeziswa kwaphakade. Kodwa uma lokhu kungesilo iqiniso, yini iphutha elibi kangaka elenziwa nguJudas?

-UJudas akaphendukanga esonweni sakhe afune ukuthethelelwa nguNkulunkulu. Kunabantu abaningi abaziyo uma benza okungalungile. Abaningi bezwa belahlwa ngunembeza ngezinto ezimbi abazenza ezimpilweni zabo. Abanye abantu benza izinto ezimbi kakhulu baze bacabange

ukuthi uNkulunkulu akasoze abathethelele kulezizinto. IBhayibheli lisifundisa ukuthi LOKHU AKUSILO IQINISO.

1 kaJohane 1:9 kuthi, **“Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho KONKE ukungalungi.”**

Lokhu kusho ukuthi uma umuntu:

- ◆ Eza kuNkulunkulu
- ◆ Atshele uNkulunkulu lokho akwenzile
- ◆ Aphenduke
- ◆ Acele uNkulunkulu ukuthi amthethelele isono sakhe
- ◆ **NGAKHO UNKULUNKULU UTHEMBEKILE UKUTHETHELELA LOMUNTU KONKE NOMA NGABE BEKUKUBI KANGAKANANI UKONA KWAKHE, UJESU ENGUMHLATSHELO ESIPHAMBANWENI ULUNGELE UKUSIGEZA EZONWENI ZETHU.**

Lokhu futhi kusho ukuthi, njengomlandeli kaKristu, akufuneki sikhalelele sinqotshiwe, sikhumbule izono ezedlule esezithethelelwe nguNkulunkulu. Akafuni sibeke izinto uKristu asithethelele zona wazikhohlwa. UPetro waphenduka ezonweni zakhe wakwazi ukusetshenziswa nguNkulunkulu. Nathi sinakho ukuphenduka ezonweni zethu sisetshenziswe nguNkulunkulu.

UJudas wayonakele enhliziyweni yakhe. Kubi ukunikela ngomngane oseduze nawe, uze wenze lomuntu afe kabuhlungu engenzanga lutho. Nokho, iqiniso lithi uNkulunkulu wayenenjongo ngoJudas ngempilo yakhe. Uqobo lukaJudas kwakumfanele ukuthethelelwa nguNkulunkulu. Umnikelo kaJesu ngempilo yakhe esiphambanweni yayimlungile noJudas ukuba waya kuKristu, kodwa kunalokho wavumela isono sathatha indawo empilweni yakhe, kwaba nangaphezukwamandla akhe waze wazibulala.

4. UJesu watshele abafundi bakhe ukuthi isivumelwano sethu noNkulunkulu senzeka ngenxa yegazi Lakhe elachitheka ngenxa yokuthethelelwa kwezono zethu. Asenzanga lutho olwenza samkele ukuthethelelwa kwezono. Uma sasimamukele uJesu ezinhliziyweni zethu, akukho esingakwenza kokuthi silahlekelwe ukuthethelelwa abase-Efesu 1:13-14 kuthi, “enakholwa nguye futhi, nani nabekwa uphawu olunguMoya oNgcwele wesithembiso oyisibambiso sefa lethu, kubengukuhlengwa kokungokwakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yakhe.” NgokukaJohane 3:16 kuthi “unokuphila okuphakade”. Uma uKristu esengene kuwe akabe esakushiya. Usindiswa ingunaphakade kusukela lapho. IBhayibheli lithi kufuneka sikhumbule ukunikelwa kukaKristu siyeke ukona. Kufuneka senze okusemandleni kangaka ukuthi imihla ngemihla siphile impilo yokumlalela. Kodwa 1 kaJohane 2:1 isikhumbuza ukuthi uma sona, sikhumbule ukuthi ngubani ophila phakathi kwethu. Sikhumbule ukuthi uJesu usezimpilweni zethu njengommeli wethu kuBaba. Usimele enhlawulweni ngezono zethu.

Ingxoxo

1. Ucabangani ngoPetru noJudas?
2. Lisho ukuthini igama elithi “ukuthethelelwa” kuwe?
3. Usume wazizwa unecala kangangoba nawe waze wazifanisa noJudas?
4. Ungamemezi, kodwa kungenzeka ukuthi wena wenza into enzima kangangoba ukuthola kunzima ukwamukela ukuthethelelwa uKristu empilweni yakho?
5. Ayini amazwi kaJesu kuwe kulesisimo? **Nonke yishoni noma nifunde u 1 kuJohane 1:9.**

Yilowo nolowo akagobise ikhanda lakhe akhulume noNkulunkulu enhliziyweni yakhe. Uma kunesono sivume isono sakho. Cela uNkulunkulu asisuse. Cela uNkulunkulu ngomusa wakhe, akuphephise esonweni ngayoyonke indlela. Kuvume

ngokusobala ukuthi ukubethelwa kukaJesu esiphambanweni kwanele ukuthi uthethelelwe izono. Livume leli qiniso.

***Kungenzeka ngokuhamba kwesikhathi uSathane akuhlasele ngemicabango yokuzizwela unecala. Lemicabango ayiveli kuNkulunkulu. Lemicabango akuyona eyiqiniso kodwa ngekhohlisayo. Uma uqala ukuba nalemicabango ekhohlisayo ngokuthi uNkulunkulu akakuthethelele, masinyane yima uthandaze. Uthi,**

“Ngiyabonga Jesu ngokungithethelela izono zami (yisho isono uqobo lwaso). Nkosi ngiyabonga ngoba umhlatshelo wakho ungilungele ukuthi ngithethelele. Ngethemba egazini Lakho, ngiyacela ukuthi usisuse lesisazela engqondweni yami.”

UNkulunkulu wethembekile, uzokwenza lokho. Uma ukhuleka kuNkulunkulu lapho uSathane ekuhlasela, akuzukuba yisikhathi eside ngaphambi kokuba ayeke ukhulasela, futhi uzokhululeka emicabangweni yokuzizwela unecala ingunaphakade/unomphela. Sinokunqoba okuphelele kuyo yonke indawo empilweni yethu kuKristu!

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukubethelwa kukaJesu” – Isifundo 7 **ngokukaMathewu 26-27**

“Ngokuba izwi lesiphambano kwababhuhayo lingubuwula, kepha kithina esisindiswayo lingamandla kaNkulunkulu.” 1 kwabaseKorinte 1:18

Ukubukeza

1. Umprofethi uIsaya wathi uJesu ngu Emanuweli okungukuthi, “uNkulunkulu _____.”
2. UJesu wathi akekho owazi ukuthi uyobuya nini emhlabeni ngaphandle kuka_____.
3. UJohane wabhaphathisa abaningi ehlane labo abaphenduka e_____zabo.
4. UJesu waphendula uSathane kathathu esebenzisa_____ lika_____.
5. Uma sifuna ukukhula kuNkulunkulu sikwazi ukunqoba izilingo kofuneka sichithe isikhathi _____ naye_____.
6. UJesu wathi kubafundi bakhe bangaba _____ ba_____.
7. UJesu wabatshela abafundi bakhe ukuthi ba_____ngoba wayenabo.
8. UJesu wachitha isikhathi sakhe emhlabeni _____ emasinagogeni _____ ngombuso kaNkulunkulu e_____ izifo ebantwini.
9. UJesu wathi kubafundi baye kubantu bonke, kodwa ba_____njengezinyoka babemnene nje_____.
10. UJesu wathi wazi ne_____ lamakhanda ethu.

11. Entabeni yeMihlwathi wathi u _____ uzomphika kathathu iqhude lingakakhali.
12. _____ waba ngumfundi owakhaphela uJesu ngezinhlamvu ezi 30 zesiliva.
13. _____ wazisola ngokukhaphela uJesu uNkulunkulu wamsebenzisa kakhulu.
14. _____ wazisola ngakwenzayo wahamba wayozibulala.
15. IBhayibheli lisifundisa ukuthi uma “si _____ izono zethu, Wethembekile unakho uku _____ izono zethu asigeze kukho _____ ukungalungi”

Ngesikhathi uPetro engaphandle komnyango ka-Kheyifase, uJesu wayengaphakathi eqanjelwa ngabo bonke ubufakazi bamanga. Akuzange kube khona okumlahla ngecala. UJesu wabayeka abamangaleli bakhe baqhubeka akazange avule umlomo ukuba azivikele, bengatholi lutho u-Kheyifase wabuza kuJesu, “Sitshele uma unguKristu iNdodana kaNkulunkulu!”

Ekugcineni waphendula uJesu wathi, “Usho khona. Nokho ngithi kini: Kusukela manje niyakubona iNdodana yomuntu ihlezi ngakwesokunene saMandla, iza emafwini ezulu.”

Lokhu kwamnika okuphathekayo u-Kheyifase wadabula izingubo ethi uJesu ungumkhohlisi. Bamthatha uJesu bamfela ngamathe ebusweni, beminqa bemshaya bemmukula.

Kwathi ngokusa, abapristi abakhulu nabaholi bambopha bamusa kuPilatu, umbusi wamaRoma owayebusa eJudiya. Umbusi wabuza uJesu ethi, “UyiNkosi yabaJuda na?” Impendulo yabalula, “Njengoba usho.” Baqhubeka abapristi babeka izinto ababemngalela zona kodwa uJesu wavele wathula. Umbusi wamangala ngoJesu ngokuthula kwakhe. Akamtholanga enecala wazama ukuthola indlela yokumkhulula.

KwakuyiPhasika, isikhathi esibalulekile kuma-Juda sonyaka, kwakungumkhuba kaPilatu ukukhulula isiboshwa ngokwentando yabantu. Kulonyaka waletha abantu ababili phambi kwabantu. Omunye uBarrabas isigebengu esasizondwa kanye noJesu. Wabuza ukuthi akhulule bani. Abantu sebenyakaziswe abapristi abakhulu bathi akukhululwe uBarrabas

kubethelwe uJesu. Wamemeza uPilatu “Bubi buni abenzile?” Impendulo yathi, “Mbethele!” UPilatu wabona ukuthi akukho ayezokwenza kulababantu base bebhilidile. Wavumelana nabakushoyo wathi, “Ngimsulwa mina kuleligazi elingenacala lalo muntu olungileyo. Ziboneleni.” Abantu baphendula ngokuthi “Igazi lakhe malibephezu kwethu nabantwana bethu.” UPilatu wamkhulula uBarrabas wathi uJesu makashaywe abe esethunyelwa esigodleni lapho ayezohlukunyezwa khona.

Kulendawo bafika bamkhumula bamembathisa ingubo ebubende, bampathisa umhlanga bamfaka umqhele wameva ekhanda. Amasotsha amenza inhlekiso bamphimisa ngamathe. Bakhothama phambi kwakhe bembhuqa. Babuye bathatha umhlanga ayewuphethe bamshaya ngawo ekhanda.

Amasotsha eseqedile ukukwenza konke lokhu, babuyisela izimpahla zakhe bamusa eGolgotha endaweni yamakhanda. Yilendawo lapho ayezobethelwa kuyo. Besahamba baphoqa indoda eyayingu-Simon ukuthi ithwale isiphambano sakhe.

Esalenga esiphambanweni uJesu, bahlukaniselana ngezingubo zakhe benza inkatho. Bambuka efa esiphambanweni. AbaPristi abakhulu nabanye abaholi beza bazo mbuka elenga esiphambanweni, bahleka babanamagama okubuqa okuthi akehli ngani esiphambanweni. Nabanye basondela esiphambanweni babenikina amakhanda besho amagama okubhuqa. Nalabo ayebethelwe nabobakhuluma.

Ukusuka ehoreni lesithupha kuya kwelesishiyagalolunye kwaba nobumnyama obukhulu emhlabeni wonke. UJesu wakhala kuNkulunkulu ethi “Eloyi Eloyi Elamasabakthani” okungokuthi “Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami ungishiyelani na?” Ezwa lokhu kukhala omunye wagijima wathatha isiponji esasigcwele uviniga wazama ukumphuzisa UJesu. Esinye isixuku sathi “Myeke, masibone ukuthi u-Elijah uzoza azomsindisa ra.” UJesu wakhala futhi, wanikela ngomphefumulo wakhe.

Ekufeni kwakhe kwenzeka izinto eziningi ezingajwayelekile eJerulalema ezazifakaza ngokuthi ungubani. Iveyili lethempeli ladabuka kabili. Iveyili ethempelini elalihlukanise indawo Engcwele ngcwele yadabuka ukusukela

phezulu ukuya phansi, ukuzama zama komhlaba namadwala aqhekeka. Namangcwaba alabo abafa bengabalandeli bakaKrestu avuleka imizimba yabo yaphuma emathuneni yahamba imizi yonke yaseJerusalema.

Ukuhlwa kokufa kukaJesu, indoda eyayisicebi yaya kuPilatu yayocela isidumbu sikaJesu ukuze isingcwabe. UPilatu wavuma. UJesu wasiwa engcwabeni elisha okungakaze kungcwatshwe muntu kulo. UJosefa wasithatha isidumbu sikaJesu wasisonga ngezindwangu ezihlanzekile wambeka uJesu ethuneni wabe eseqinqa itshe ekungeneni. Bahamba noMariya Magdalena nomunye uMariya wakuleyondawo.

Imibuzo

1. AmaJuda amgweba kanjani uJesu endlini kaKheyifase?
2. Wathini uJesu kukho konke abakusho Ngaye?
3. Wenzenjani uPilatu ebona ukuthula kukaJesu?
4. Kwakungubani uBharabha?
5. Amasotsha amaRoma amphatha kanjani uJesu?
6. Abapristi benzenjani bebona uJesu esiphambanweni?
7. Kwenzekani emhlabeni wonke phakathi kwehora lesi 6 nelika 9?
8. Wathini uJesu ekukhaleni engakanikeli ngoMoya wakhe kuNkulunkulu?
9. Yini eyenzeka ekufeni kwakhe?
10. UJosefa wenzenjani ngomzimba kaJesu?

Amaqiniso kaMoya –Isifundo 7 ngokukaMathewu 26-27

Izindlela zikaNkulunkulu akusizo izindlela zabantu. Asifunde ndawonye 1 kweyabaseKorinte 1:18-21, 27. Funda lendawo izikhathi ezimbili noma ezintathu ukuze bonke bazindle ngokuthi kuthiwani.

“Ngokuba izwi lesiphambano kwababhubhayo lingubuwula, kepha kithina esisindiswayo lingamandla kaNkulunkulu. Ngokuba kulotshiwe ukuthi:

‘Ngiyakuchitha ukuhlakanipha kwabahlakaniphileyo, nokuqonda kwabaqondileyo ngikwenze ize.’

Siphi isazi na? Uphi umbhali na? Uphi umphikisi walesisikhathi na? UNkulunkulu kakwenzanga kube -yize ukuhlakanipha kwalesisizwe na? Ngokuba njengalokho ekuhlakanipheni kukaNkulunkulu izwe alimazanga uNkulunkulu ngokuhlakanipha kwalo, kwaba -kuhle kuNkulunkulu ukusindisa abakholwayo ngobuwula bentshumayelo...kodwa izinto zobuwula zezwe uNkulunkulu uzikhethile ukuba ajabhise abahlakaniphileyo; nezinto ezibuthakathaka zezwe uNkulunkulu uzikhethile ukuba ajabhise izinto ezinamandla.”

Sisabheka impilo kaKristu, sibona indlela kaNkulunkulu ukuthi ayisiyo eyabantu.

- ❖ Uma kuzalwa inkosi yasemhlabeni, izalelwa esigodlweni. Kodwa uNkulunkulu wathuma uJesu iNkosi yamakhosi ukuthi azozalelwa ebumpofini.
- ❖ Uma kukhona ozosho umbiko osemqoka noma ukuza komuntu odumile, lesosithunywa sic ebile, sigqoka kahle ushayela imoto enhle. UNkulunkulu wathumela uJohane uMbhapathisi egqoke uboya bekameli ezobikezela ukuza kukaJesu esehlane lapho abantu okwadingeka baphume bayolalela.
- ❖ Uma inkosi yezwe inezitha engazingoba kalula, iyazibulala masinyane. UJesu yena waphuma waya ehlane eyolingwa nguSathane, kuze kube manje akakambhubhisi uSathane.
- ❖ Uma inkosi yezwe ifuna abangane, ikhetha abantu abanezikhundla ezinkulu benemfundo ephakeme bephuma emzini ofudumele, benezimali. UJesu wakhetha, abadobi nabathelisi.

- ❖ Inkosi yasezweni iphoqa abantu ukuthi bayihloniphe ibajezise abayidelelayo. UJesu wasifundisa ukuthanda. Uyabavumela abantu ukuthi bamlandele noma bamyeke.
- ❖ Inkosi yasemhlabeni yenza abanye bayisebenzele, bakhokhe intela abanye babulale labo abavukela umbuso. UJesu wafa esiphambanweni ngenxa yabo, wayefuna ukusihlawulela izono zethu. Ufuna sikhululeke sikhale naye ingunaphakade.
- ❖ Uma inkosi yezwe ifa, iyangwatshwa indodana ithathe indawo yayo. Ngesikhathi uJesu efa, wavuka uyabusa ingunaphakade.

UJesu akasiye umuntu nje. UnguNkulunkulu. Kufuneka akhonzwe, ahlonishwe. Uyasithanda usifisela okuhle kodwa ezimpilweni zethu. Impilo yakhe emhlabeni ayichazeki. Izindlela zikaNkulunkulu zinkulu kunezingqondo zabantu.

*IBhayibheli lisifundisa ukuthi enye yezinto iNkosi ezithandayo ukuzwa izindumiso zivela kubantu bayo. Ukudumisa ukutshela uJesu ukuthi umthanda kangakanani nokutusa konke ayikho. UNkulunkulu uyathanda ukuzwa uthando lwezinhliziyiyo zethu Ngaye. Uyathanda ukuzwa izinto ezinjengokuthi, “Ngiyakuthanda Nkosi ngoba wangithanda,” noma “Ngikudumisa Nkosi ngoba umkhulu futhi unamandla.” Lezi yizindawo ezitshela uNkulunkulu ukuthi ungubani kimina.

Uma sicabanga ngokuphila nangokufa kukaKristu, sivele simangale uma sicabanga ukuthi uNkulunkulu uMdali womhlaba wasenzela konke. Uthando lwakhe lungaphezu kokwazi kwethu. Izindlela zakhe zinkulu zingcono kakhulu kunakho konke esinokukwamukela. Yiso lesisikhathi esifanele sokuthi ume udumise uNkulunkulu.

Injongo yokubethelwa kwakhe ukuthi abengumhlathshelo wezono zethu. Wajeziswa, wahlulelwa ngenxa yezono zakho ozenzile nosazozenza. Kufuneka simbonge njalo simdumise ngokuba eyiNkosi noMsindisi.

Sizokwenza lokhu okubizwa ngokuthi, “imisho yemithandazo.” Umusho wokuthandaza kulapho wonke umuntu ethandaza lowomusho ofika kuye esacabanga ukuthi uzothini kuNkulunkulu. Ake sigobiseni sonke amakhanda sicabange ngoNkulunkulu, ngoJesu ngalokhu akwenza elapha emhlabeni, lokho akwenza esiphambanweni, ekubuyeni kwakhe, nalokhu akwenzayo manje ezimpilweni zethu. Ake sishintshane ngengxoxo siveze imizwa yethu kuNkulunkulu kanje, “Baba othandekayo, ngiyakuthanda ngoba wangisindisa.” Omunye angasho omunye umusho kanje, “Nkulunkulu Baba, unguBaba onomusa kimi.” Umuntu ngamunye angathandaza kaningi ngendlela ezwa eholwa ngayo nguMoya. Lesi yisikhathi sokuveza obala lokhu okusezinhliziyweni zethu. Qhubeka uma silokhu sidingeka lesisimo sokuthandaza. Bese-ke niqhubeka nezicelo nithandazelane.

**Mholi, khumbuza iqembu ukuthi liqale isikhathi sokudumisa yonke imihla babe nesikhathi sokuba noNkulunkulu Yedwa. Qiniseka ngokubabuzwa ngabanye onke amaviki ukuthi kuhamba kanjani ezikhathini zabo zokuthula. Khuthaza labo abasezinkingeni ubavumele bakhulume ngalezozinto uNkulunkulu ababonise zona noma izinto uNkulunkulu abenzele zona.*

UKUQALA IMPILO ENTSHA KUKRISTU

Ngu
Christy A. Brawner

“Ukuvuka kuka Kristu – Isifundo 8 ngokukaMathewu 27

“Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani, usho uJehova, imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike isikhathi esizayo nethemba.” UJeremiya 29:11

Ukubukeza

1. Umprofethi uIsaya wathi uJesu uzobizwa ngo Emanuweli okungukuthi, “uNkulunkulu _____.”
2. UJesu wathi akekho owaziyo ukuthi uyobuya nini ngaphandle kuka _____.
3. UJohane wabhaphathiza abaningi ehlane labo abaphenduka e_____.
4. UJesu waphendula uSathane izikhathi ezintathu esebenzisa _____ lika_____.
5. Uma sifuna ukukhula kuNkulunkulu sikwazi nokunqoba izilingo kufuneka sibe nesikhathi _____ naye_____.
6. UJesu wababiza abalandeli bakhe ukuthi babe “ngabadobi _____.”
7. UJesu wathi kubafundi bakhe esikebheni bange_____.
8. UJesu wabalusizi ngenxa yabantu ayebabona be_____.
9. UJesu wathi kubalandeli bakhe abahambe egameni lakhe bahlakaniphe nje_____ babemnene njenga_____.
10. UPetro wakhaphela uJesu ngoku_____ izikhathi ezintathu emzini kaKheyifase.

11. UJudas wakhaphela uJesu ngokumnikela kubapristi ngezinhlamvu zesiliva ezingu_____.
12. UJesu _____ zonke izono zethu uma sizivuma.
13. Amasotsha aseRoma amphatha kanjani uJesu?

14. Abapristi bema ngaphambi kwesiphambano ba_____ uJesu, nges ikhathi efa esiphambanweni.
15. Ziningi izinto ezenzeka ngokufa kukaJesu kuHlangene nabantu ababefile aba _____ eJerusalema.
16. UJosefa wase Arimathiya wathatha umzimba kaJesu wawubeka e_____.

Ngemva kosuku uJesu abethelwa ngabo, abapristi naFarisi babuthana ndawonye baya kuPilatu. Batshele uPilatu ukuthi uJesu wathi uyovuka ngosuku lwesithathu. Bacela ukuthi makukhishwe abaqaphi bayoqapha ithuna ukuze kungabibikho ozontshontsha isidumbu wabavumela uPilatu, bahamba-ke baya ethuneni balivala ithuna ngetshe elikhulu ukuze kungangeneki emhumeni. Bashiya abaqaphi ukuthi baqaphe.

Ngemva kweSabatha, lolu usuku lokuqala lweviki, uMariya Magdalena nomunye uMariya baya ethuneni. Uma befika khona kwakukhona ukuzamazama komhlaba okukhulu netshe selisusiwe ethuneni. Ingelosi yeNkosi yehla ivela eZulwini yahlala phezu kwedwala ebelivale ithuna. Izingubo zengelosi zazimhlophe njengeqhwa yayibukeka umbani. Abaqaphi bebona lokhu besaba kwangathi bafile.

Ingelosi yatshela abesifazane ukuthi bangesabi yathi, “Ngiyazi ukuthi nifuna uJesu obethelwe. Akekho lapha, uvukile. Njengokusho kwakhe. Wozani; nibone indawo lapho iNkosi ibilele khona. Bese niphuthuma nitshele abafundi bakhe ukuthi uvukile kwabafuleyo, uyanandulela ukuya eGalile; lapho eniyombona khona. Qaphelani, nginazisile.”

Sebezwile lokhu bajabula, bagijima bebuyela emuva beyobikela abafundi. Endleleni babona uJesu wathi, “Thokozani!” Bama, bamphatha ezinyaweni bamkhonza. UJesu

wabakhumbuza ukuthi batshele abafundi ukuthi bayohlangana eGalile.

Ngalesisikhathi abaqaphi bavuka bayotshela abapristi ngakho konke okwenzekileyo. Abapristi babuthana ndawonye bavumelana ngokuhlanganyela bakhapha imali enkulu yokuvula imilomo yabaqaphi ukuze bahambe beqamba amanga ukuthi uJesu wantshontshwa belele. Bathenjiswa abapristi ukuthi uma uPilatu ezwa, bazobavikela. Amasotsha ayithatha imali, kwezwakala lamahemuhemu iJerusalema lonke iminyaka yonke.

Abafundi baya eGalile kuleyontaba uJesu ayebatshele ukuthi baye kuyo. Weza kubo, bamkhonza. Abanye bangabaza. UJesu wakhuluma kubo amazwi okugcina engakakhuphuki ukuya ezulwini. Wathi, **“Ngiphiwe amandla onke ezulwini nasemhlabeni; ngalokho hambani nenze izizwe zonke abafundi, nibabhathize egameni likaYise, neleNdodana nelikaMoya oNgcwele, nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho; bhekani, mina nginani, izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.” Amen.**

Imibuzo

1. Abafarisi bababekelani abalindi ethuneni likaJesu?
2. Yibaphi abesimame ababili abaya ethuneni?
3. Babonani uma befika khona?
4. Yabatshelani ingelosi?
5. Kwenzekani kubalindi?
6. Bayaphi abalindi ngemuva kokubonakala kwengelosi?
7. Abapristi abakhulu babanikani?
8. Sebebuyela emuva oMariya babonabani?
9. UJesu wathi bazohlangana kuphi nabafundi?
10. Myalelo muni uJesu awunika abafundi bakhe entabeni engakakhuphukeli ezulwini?
11. Wathembisa obani ukuthi uyoba nabo kuze kube sekupheleni?

Amaqiniso kaMoya – Isifundo 8 **ngokukaMathewu 28**

1. Izindaba zikaJesu mazitshelwe bonke abantu. Kungenzeka ukuthi uNkulunkulu usebenza enhliziyweni yakho ekunika amandla nesifiso sokuhambisa izindaba ezinhle kwabanye. Ziningi izindlela zokutshela abanye ngoKristu. Enye indlela enhle eyokuholela umuntu noma iqembu ngokubaxoxela ngempilo kaJesu. Lokhu ungakwenza ngazo lezizifundo amaviki ayisikhombisa. Ukusuka kusifundo 4 siyiqembu sike sathandazela labobantu uNkulunkulu ababeke enhliziyweni yakho. Ngenhlanhla ubenalo ithuba lokubatshele lababantu ngoshintsho olwenzekile empilweni yakho. Uma ungakakwenzi lokho, lenze leliviki kube yilo ozobathola ngalo.
 - UNGALOKOTHI uye kulomuntu ukuyomshela ngobubi bakhe nangokuthi uNkulunkulu uzobashisa ngomlilo ongacimekiyo uma bengaphenduki.
 - Bameme nizokwenza izifundo ezimfushane nawe emakhaya abo. Batshele ukuthi nawe ubufunda ngeBhayibheli, ngakho ubucabanga ukuthi nabo bangethande yini ukufunda nawe ngempilo kaKristu amaviki ayisikhombisa.
 - Uma uya emizini yabo, hamba nomunye. Mhlawumbe enifunda naye eqenjini, noma eninaye enkonzweni. Mhlawumbe umholi weqembu angathanda ukuhamba.
 - Uma uya emakhaya abo, yiba nesikhathi sokukhuluma nabo ngezimpilo zabo. Uhlangane nemindeini yabo; lalala izidingo zabo. Bakhulekele, imisebenzi yabo, imindeni yabo, cela uNkulunkulu alethe ukuthula emakhaya abo.
 - Qala ngendaba yokuqala yokuzalwa kukaJesu. Bavumele babuze imibuzo. Uma ungayazi impendulo kulungile. Batshele ukuthi uzobuza kumholi oniphetheyo ngoba wena awazi, bese ubuya nempendulo ngesonto elilandelayo.

- UNGAHLALI emakhaya abo kuze kweqe ihora.
- Njalo nje nangawo onke amaviki uwuthandazele lomndeni walomuntu. Cela iqembu lakho libenawe ekukhulekeleni lomndeni.

KHUMBULA: Njengoba singenawo amandla okuphilisa nokukhipha amadimoni, asinawo amandla okwenza abantu bazizwele isidingo sikaKristu. Onamadla nguMoya oNgcwele yena ohlala kithi. Unamandla okuphilisa; unamandla okukhipha amadimoni ezimpilweni zabantu. Nguye onamandla okugqashula amaketango esono empilweni yomuntu. Abenze baphendukele kuKristu. Umsebenzi wethu ukwabelana sithandaze.

Kungenzeka ukuthi usesimweni lapho ungeke wakwazi ukwenza izifundo zamasono ayisikhombisa kodwa ube nakho ukufakaza ngoJesu Kristu.

Kumele wenzeni:

- Batshele, ngakho konke ongakukhumbula, indaba kaKristu. Batshele ngokuzalwa Kwakhe, ukubhaphathizwa Kwakhe, impilo Yakhe, izimangaliso Zakhe, uthando Lwakhe, umyalezo wokuphenduka, ukukhashelwa Kwakhe, ukufa nokuvuka Kwakhe.
- Batshele ukuthi njengabantu basesikhathini sikaJesu nathi sonile phambi kukaNkulunkulu, noma singaba ngabalungile. Lokhu kusho ukuthi sonke sonile. Banikeze izibonelo zezinye izono njengokweba, ukuqamba amanga, ukuzonda nokunye.
- Batshele ukuthi njengaseBhayibhelini uNkulunkulu wayebaxolela abantu, nawe wakuxolela mhla uvuma izono zakho.
- Batshele ngempilo yakho ungakamamukeli uKristu, nangempilo yakho usumamukele uKristu (ubufakazi).
- Funda ivesi elibalulekile (elinye lawo) ngokukaJohane 3:16. kuthi, “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe

yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade.”

- Mbuze ukuthi abengethanda yini ukuphenduka ezonweni zakhe, akholwe nguKristu amukele intethalelo azoyinikwa nguKristu.
- Bachazele ukuthi ukukholwa kusho ukunikela ngempilo yakho kuKristu. Lokhu kungukumethemba nokunikela ngempilo yakho kuye.
- Uma bethi, “yebo” basize ngokuthandaza umthandazo olula benikela ngezimpilo zabo kuNkulunkulu.
- Uma bethi, “cha” cela uma bengakuvumela ukuthi uthandaze bese ucela kuNkulunkulu ukuthi akusize balizwe iqiniso lakhe ezimpilweni zabo.

*Njengeqembu ake nibenesikhathi sokuzilolonga ninodwa. Hlukanini ngababili yilowonolowo akwenze konke lokhu.

Uma senizilolongile, ungacabanga, “Lokhu kungenzeke, angeke ngikwazi ukutshela abanye ngoKristu.” Cabanga ngaleliqiniso kulokhukuzilolonga:

2. “Bhekani, mina nginani, izinsuku zonke kuze kube-sekupheleni kwezwe.” IBhayibheli lisifundisa ukuthi ngesikhathi samukela uKristu, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu uhlala ezimpilweni zethu. Usenokungazi, kodwa Yena usuke esesebenzile impilo yakho. (ngokukaJohane 14:7).
 - Nguyena osifundisa ukuba sodwa noNkulunkulu yonke imihla. (ngokukaJohane 14:26)
 - Nguyena osenza sizizwe sinesazela uma singamlaleli uNkulunkulu. Nguyena osenza sazi ukuthi ngempela siyizoni ezidinga ukuthethelelwa nguKristu. (ngokukaJohane 16:8-11)
 - Nguyena osipha ukuhlakanipha nosihola entandweni kaNkulunkulu ephelele ezimpilweni zethu. (ngokukaJohane 16:13)
 - Uyasiduduza uma silusizi. (Izenzo 9:31)

- Usinqwabela ngeziphopho ezibalulekile ukuze senze izinto esasingeke sazenza ngaphambilini. Usipha amazwi okutshela abanye ngoKristu. (1 kwabaseKorinte 12)

Singacabanga ukuthi singeke saba abalandeli bakaKristu esidinga ukuba yibo. Singacabanga ukuthi ukulalela uNkulunkulu angeke kwenzeka. Lokhu kuyiqiniso. Ngeke senze lutho ukulandela uKristu, kodwa uNkulunkulu uyokwenza ngaye uMoya oNgcwele ohlala ezimpilweni zethu.

Lena yimfihlo yokutshela abanye ngoKristu; imfihlo yokuphila impilo ngaphandle kokwesaba; imfihlo yokwenza isinqumo esiyiso zinsuku zonke. Kwathi mhla sivumela uMdali womhlaba ukuthi angene ezinhliziyweni zethu, Wasipha isiphopho sobukhona Bakhe. Ubukhona bukaMoya Ongcwele ngumthombo wamandla nokuqina kwethu. Lokhu kuyamangalisa ngoba iBhayibheli lisifundisa ukuthi uNkulunkulu unohlelo olumangalisayo, nemicabango emihle, nenjongo enhle ngathi sonke ngezimpilo zethu. Masiqedele lesisifundo sethu ngesethembiso esibaluleke kakhulu esitholwa kuJeremiya 29:11-13:

“Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani, usho uJehova, imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike isikhathi esizayo nethemba. Niyakungibiza, niye ukukhuleka kimi, ngiyakunizwa. Niyakungifuna, ningifumane, lapho ningifunisisa ngenhliziyo yenu yonke.”

**UNKULUNKULU MAKAKUBUSISE USAQHUBEKA
UKUMFUNA OKUMAZI!**

Uhlelo Lwezincwadi Ezipathelene Nezifundo Ezithile

AKINS, Thomas Wade. Treinamento Para Testemunho Pessoal. Junta de Missoes Nacionais da CBB. Rio de Janeiro, Brasil. 1989.

AKINS, Thomas Wade. Na Beira do Abismo. Junta de Educacao Religiosa e Publicaciones da CBB. Rio de Janeiro, Brasil. 1994.

BARNES, Frank. O Que Jesus Deseja Que Voce Faca. Junta de Missoes Nacionais da CBB. Rio de Janeiro, Bras il. 1991.

BLACKMON, Dennis Lester. Pre-evangelizacao. Junta de Missoes Nacionais da CBB. Rio de Janeiro, Brasil. 1989.

BROCK, Charles. Indegenous Church Planting. Broadman Press. Nashville, Tennessee. 1981.

GREENWAY, Rodger S. Guidelenes For Urban Church Planting. Baker Book House Company. Ann Arbor, Michigan. 1976.

HODGES, Melvin L. The Indigenous Church. Gospel Publishing House. Springfield, Missouri. 1976.

LORD, Peter. Hearing God. Baker Book House. Grand Rapids, Michigan. 1988.

MOORE, Waylon B. Multiplying Disciples. Missions Unlimited. Tampa, Florida. 1981.

MOORE, Waylon B. New Testament Follow-Up. Wm. B. Eerdmans Company. Grand Rapids, Michigan. 1963.

NEIGHBOR, Ralph W. Jr. Survival Kit. Convention Press. Nashville, Tennessee. 1976.

TIPPIT, Sammy. The Prayer Factor. Moody Press. Chicago, Illinois. 1988.

WILLIS, Jr. Avery T. Vida Magistral. Junta de Educacao Religeosa e Publicaciones da CBB. Rio de Janero, Brasil. 1994.

WINTER, Ralph D. Perspectives on the World Christian Movement. William Carey Library. Pasadena, California. 1981.

UDr.Thomas Wade Akins

Wgcotshwa yi First Baptist Church
Bastrop, Louisiana, 1965

Waphothula Izifundo:
Louisiana College, M.A. Sociology, 1965
New Orleans Baptist Seminary, 1968, Master of Theology
Southwestern Baptist Seminary, 1981, Doctor of Ministry, Missions

Waba Yisithunywa:
Vietnam, 1968-1970
Washington, D.C. 1972-1982
Brazil, 1983-

Inkongo Yakhe Okwamanje:
Umvangeli nomxhumanisi wezinhlelo zokuvangela kokuqalisa
amabandla nemisebenzi emisha yamaBrazilian Baptist home Mission
Board

Ushade no: Barbara Ann Hawthorne

Abantwana: Christy Renee, Timothy Wade, Jason Edward

Umlobi:
Streets Aflame. Timothy Books, 1978
Personal Witness Training, H.M.B. of B.B.C. 1986
Pioneer Evangelism, H.M.B. of B.B.C. 1988
On the Edge of the Ravine, SSB of BBC, 1993
Return To Your First Love J.M.N. of B.B.C. of 1995